# ترجمة معاني آيات مختارة من
# القرآن الكريم
# بلغة الزولو

---


# Meanings of Selected Verses of The Quran

In The Zulu Language

---

# IKURAN EYINGCWELE

INCAZELO
YAMA VESI AKHETHIWE
NGESI ZULU


ترجمة
معاني آيات مختارة من
القرآن الكريم
بلغة الزولو

iqokelelwe ibe yincwadi njengoba itholakala namhlanje nanjengoba yayaziwa ngalezozinsuku. Ngesikhathi sekubusa uKhalif Usman owaba ngumbusi wesine ngemuva komProfethi, kwenziwa amaKur'an amane afana neKur'an yokuqala, leyo naleyo yathunyelwa emizini emikhulu yendawo; eMakkah, Madina, Basra naseKufa, ukuze kuthi ngesikhathi esizayo izincwadi ezifana ncamashi nalezi zenziwe kusukela kulezi ezingumsuka.

IKur'an engumsuka eyayilotshwe yisandla sikaKhalif Usman, ayeyifunda ngesikhathi ebulawa ngamambuka isalondoloziwe namanje eGibithe.

## UKUFIKA KUKA-MUHAMMAD NOKUKHANYA KWE-ISLAM

**Echophelweni lokuqhamuka kwe-Islam.**

Esikhathini sobumnyama emlandweni, lapho kwakungekho lutho ngaphandle kokubhubhisa, ububi nethunzi elimnyama selisibekele lokho okuhle ngisho nokukhanya okwakusezweni; lapho ukucindezelwa nokusetshenziswa kwabantu ababuthaka ngendlela yokubadicilela phansi, sekubusa ilungelo lamandla; lapho amalungelo omunye umuntu engasaziwa, nalapho ukukholelwa ezintweni ezingekho namasiko ayinjabulo yenyama edlangile ezindaweni eziningi: kwazalwa uMuhammad umProfethi we-Islam (ukuthula kube kuye) kungumsombuluko zingu 12 ku-Rab-al-Awwal (okungahambelana nomhlaka 20 August 570 A.D. ngemuva kukaKrestu), edolobheni laseMakkah ezweni eliwugwadule eArabiya.

Kusukela ezikhathini eziphambili impela, abantu baseArabiya babehlukaniswe izigaba ezimbili, umphakathi oqoqelene ndawonye emadolobheni, kanye nomphakathi ohlezi ngokugqagqana emaphandleni (babizwa ngokuthi amaBadawin). Ababesemadolobheni amakhulu ikakhulu lawo angaseNingizimu yeArabiya, base bephakeme babaluleka kakhulu njengabantu abasebenzisa ulwandle behlanganisa elaseNdiya kanye neAfrica. Eceleni kwemigudu yohwebo

ukuya ngasenyakatho kwavumbuka amadolobha amabili amakhulu enedumela futhi elikhulu iPetra nePalmrya. Abantu ababehlala kulendawa abakwazanga nabo ukugwema impilo uwonke wonke ayegxile kuyo. Uphuzo, ukubhejelana ngemali, ukugqilaza nokunye ukukhohlakala nobuthakathaka emphakathini kwase kuyehlisile impilo yabantu kulemizi emikhulu; kanjalo nokuntuleka kokuphathwa kwamandla ombuso, okuyinto esemqoka, kwase kunokudideka okukhulu kubantu.

Kulabo ababehlala emaphandleni amaBadawin, inquebekela phambili yayingasekho sebemindawonye. Ukuziphilisa kwabo kwase kuzimelele ekufuyeni amakameli nezimvu; babefuya amahashi ngaphandle kwempumelelo, bezingela babuye bahlasele. Babehlala ngokuzulazula befuna amadlelo, besuka kulendawo baye kwenye indawo, bephila ngokudela imiphefumulo yabo.

Ukuze basinde ezitheni zabo kwakungenxa yokushesha nokuqunga kwabo isibindi ngokubhekana nempilo enzima ebazungezile, benobuchwepheshe bokuzenzela izinto, bebambelele empilweni yabo, futhi bebekezela.

IBadawin lalihlala ematendeni njengoba lisenza namanje. Lelo nalelo tende limele umndeni, kuthi leyo naleyo nkambi imele isizwana esithile. Umgwamanda wesizwana sasizakha sibe yisizwe esikhulu. Yize kwakukhona ukwethembeka kumuntu ngamunye esizwanenzi, nobudlelwane phakathi kwezizwana nesizwe esikhulu, leso naleso sizwe sasizimele ngokwaso siziphilisa, futhi sizimele ngakho konke. Ukubanga amanzi namadlelo kwakuyinto esemqoka kubona, futhi naleso sizwe sasithatha ngokuthi kusemthethweni ukuthi sigebenge futhi selelese esinye.

Ubukhulu besizwe esithile bebahlulelwa ngamandla nomfutho wokulwa kwaleso sizwe. Umthetho munye vo ababewazi; yinhlonipho exubene nolaka, ubudlelwane bobuzwe nobuhlobo, futhi babejwayele ukuphathwa yinkosi

kuleso naleso sizwe, kanti nalokho futhi kwakuyinto eyayingasena sisindo emahlombe amalunga esizwe. Kwakuhlalwa emphakathini owawucekela phansi yonke into.

I-Arab ikakhulu iBadawin, laliphila impilo eqokwa yintando yalo. Ukuba ngaphansi komthetho obalulekile, noma ukuhlangana kwezizwe esincane kwenziwe isizwe esikhulu kwakungakaze kuzanywe ngaphambili. Ubudlwembe nolunya lwaludlangile, futhi nokuqubuka kwezimpi kuvamile, ukubulalana komuntu nomfowabo kwashiya umkhondo omkhulu wenzondo, amagqubu nokuhlalela ovalweni.

Akusikona ukuthi amaArab angesikhathi esingaphambi kwese-Islam, kwakungabantu ababephila impilo yobulwane bengaphucuzekile. Phezu kwemikhuba yawo enonya nokuxhaphazana wodwa, ayenako nokho ukuziphatha okutusekayo njengokuphana, ukuphatha kahle izihambi nokufeza izwi lesivumelwano. Uma liyisitha iBadawin laliyingozi, kepha uma lingumngane lalithembekile. Ukuphila edolobheni noma emaphandleni ogwadule, amaArab ayekuthatha njengento eyisipho esimqoka, ubugagu, ukusebenzisa umcibisholo ngobumpetha kanye nolwazi lokugibela ihhashi konke lokhu kwakuyinto esezingeni eliphezulu. Uthando lokubuthwa empini kuyigugu elikhulu entuthukweni yeBsfseom.

Abantu baseArabiya ngokuvamile babekhonza izithixo. Lapha nalaphaya kwakutholakala imithonseyana yamaJuda namaKrestu. Kubalandeli kwasekuyinqubo yokulandela nje kepha indaba yenkolo sekuyinto engasathi shu. Abanye babezisho ukuthi balandela uAbraham, kepha amaArab amaningi ayezikhonzela izithixo. Lowo nalowo muzi omkhulu, njengaleso naleso sizwe sasinonkulunkulu baso, kanye nendlela yokubakhonza. Ngisho iKa'ba (indlu kaNkulunkulu eyakhiwa nguAbrahm) yayisigcwaliswe ngezithixo. AbaseMakkah bona babebuye bakholwe kuNkulunkulu uSomandla, uMondli, Obedlula bonke, ofanele ukunxuswa ngezikhathi zobunzima nezezingozi. Ukuqonda mayelana noNkulunkulu Oyedwa OnguMdali, kwase

kuwulwazi oluthe gqwagqwa lapha nalaphaya. Kwase kuzicacela ukuthi kudingeka umholi omkhulu kwezenkolo namayelana nokuziphatha kwabantu ngaleso sikhathi.

## UKUZALWA KOMPROFETHI

UMuhammad (ukuthula kube kuye) wazalelwa edolobheni laseMakkah eArabiya zingu 12 Rabi-al-Awwal onyakeni owaziwa ngokuthi Owendlovu, ngenxa yesimangaliso esenzeka uMdali uAllah Esindisa umuzi waseMakkah kulabo ababewuhlasele (funda isahluko 105 nencazelo). Lonyaka onokuhambelana nomhlaka 20 August 570 A.D. ngemuva kukaJesu).

U-Abdullah Muttwalib ubaba kamProfethi uMuhammad (ukuthula kube kuye), wadlula emhlabeni izinyangani eziyisithupha engakazalwa. Wayebuya kohweba eDamaseku, wathunwa eMadina. Ngenxa yokuthi unina uAmina wayengenalo ubisi, umkhulu wakhe uAbdul Muttwalib owayengumholi wesizwe esihlonishwayo sakwaHashim esizweni samaKuraish, wamtholela owesifazane owayethembekile wesizwe sakwaSa'd okwakunguHalima.

Kwathi engakayihlanganisi iminyaka eyisithupha, wamshiya unina emhlabeni, wasala nomkhulu wakhe owayemthanda ngendlela emangalisayo. Wayehamba naye umzukulu ngisho noma eya esigcawini kubhungwa ngezindaba ezibalulekile. Umkhulu wakhe naye wamshiya iminyaka emibili umama wakhe amshiya emhlabeni, wasala esandleni sikayise omkhulu uAbu Twalib, owaba ngumholi wamaKuraish.

Ngenxa yothando lukamfowabo kanye nolukayise uAbu Twalib wathanda uMuhammad (ukuthula kube kuye) ngendlela eyisimanga. Wayehamba naye ngaso sonke isikhathi ngisho noma eyohweba eDamaseku, nakwamanye amazwe. Ngelinye ilanga bengaseBasra, indoda yomKrestu eyayizidelile ngenxa yomsebenzi kaNkulunkulu yababona yabamemela lapho yayihlala khona, ngemuva kokuthi isiboniswe isibonakaliso esithile ngalomfana, yamvivinya ngokuthi ifuna

ukumbuza umbuzo, yathi akafunge ngezithixo ukuthi uzowuphendula lowombuzo. UMuhammad (ukuthula kube kuye) waphendula ngokuthi impela lamagama ezithixo awathandeki kuyena, lendoda okunguBahira yabuye yathi futhi adafunge ngoAllah, uMuhammad (ukuthula kube kuye) wavuma.

Ngemuva kwengxoxo noMuhammad (ukuthula kube kuye) uBahira wathatha wathi kuAbu Twalib: «Lomfana uzoba nekusasa elingajwayelekile neliqhakazile. Uma amaJuda engathola lokho esengikubone kuye azombhubhisa. Umqaphele amaJuda angamlimazi». UAbu Twalib wathi: «Umiselwe ukwenzani na, namaJuda azomsukela ngaliphi nje?» UBahira wathi: «Umiselwe ukuba umProfethi, ingelosi kaMoya oyiNgcwele izomembulela okuyiNgcwele». UAbu Twalib wathi: «U-Allah Akasoze Amyekelele, Uzomhlenga kumaJuda nasezitheni ezinokuba yingozi kuye».

Wabangumelusi wezimvu zikayise omkhulu uAbu Twalib, kanye nezabanye abantu baseMakkah. Lomsebenzi wokwelusa wamnika isikhathi esihle sokuqhelelana nomsindo nezinkinga zabantu basedolobheni, kakhulukazi isikhalo ezazivamise ukuzothulwa ngabantu kuyise omkhulu uAbu Twalib owayengumholi esizweni samaKuraish.

Impela lomsebenzi wamfundisa ukubekezela, uzwelo, ukuziphatha kahle, ukubonelela abanye abantu, ukugwema ububi. Waduma ngokuthi 'uMuhammad, Al amin' (uMuhammad othembekileyo). Isimo sobulwane kubantu bakubo asikwazanga ukumngena, waze waba neminyaka engu 25 bengamazeli lutho olubi, bemethemba njengomuntu omsulwa nolungileyo.

Udumo lukaMuhammad njengomuntu othembekile lwathinta owesifazane owaye ngumfelokazi uKhadijah Khuwalid, wayengumhwebi futhi eziphethe ngokwethembeka emsulwa. Wayengowesizwe samaKuraish, ngokuzwa ngoMuhammad (ukuthula kube kuye) wayesemqasha ukuze ambhekele ibhizinisi lakhe.

U-Masara isisebenzi esidala sikaKhadijah, samchazela ngokuziphatha kukaMuhmmad (ukuthula kube kuye) emsebenzini, nangekhono lakhe mayelana nokuhweba nabanye, ukwenyuka kwezinga lomsebenzi, inzuzo enkulu nesibusiso abasitholile, umbono womuntu omgumKrestu ngekusasa likaMuhammad (ukuthula kube kuye), umbono wendoda ethize yomJuda ngobuProfethi bakhe. Sekukonke lokhu kwabangela ukuthi isikhathi singengakanani lomfelokazi wamshada lomlisa owayesemusha kunaye.

Kuyoyonke iminyaka engamashumi amabili nanhlanu beshadile behlala ndawonye, uKhadijah (iNkosi Imbusise) waba wusizo olukhulu, futhi konke ayenakho wakunikela kumProfethi ukuthi akusebenzise emsebenzini wakhe wobuProfethi. Wazalela umProfethi (ukuthula kube kuye) abantwana abayisithupha: uKasim noTwahir bashona besebancane eMakkah amadodakazi ayemane uRukiya, Umm Kulsum, noZainab, noFatwima owagqama futhi wahlonishwa kakhulu kunabanye.

## UMPROFETHI NOMBIKO

I-Makkah yayihlonishwa ngenxa kaAbraham ukhokho kaMuhammad (ukuthula kube kuye) owafundisa amaArab ngoNkulunkulu oyedwa vo, futhi ayeseqala ukuvakashela umuzi oNgcwele kanye neKa'ba Indlu yokukhonzela uNkulunkulu. Kungalokho isizwe esasizinze edolobheni laseMakkah sasihlonishwa njengabalindi bomuzi oNgcwele.

Ukukhanya kwase kufikile ngoMuhammad (ukuthula kube kuye) owaqala ukubika umsebenzi wakhe ezihlobeni zakhe. Umkakhe uKhadijah, uAli kaAbu Talib umzala wakhe base bengabalandeli bakhe. UmProfethi (ukuthula kube kuye) wayengafuni lutho kubona, wayebabuyisela endleleni yokukhonza uNkulunkulu (uAllah) uMdali wezinto zonke. U-Ali kaAbu Twalib (iNkosi imbusise) wayesengumfana omncane, futhi eyisihlobo sakhe.

Ngemuva kweminyaka emithathu, ngokuyalwa nguAllah uSomandla, uMuhammad (ukuthula kube kuye) wakhipha




مجمع الملك فهد لطباعة المصحف الشريف

isimemo emzini waseMakkah. Kwaphuma nesinedolo, um-Profethi wema esiqongweni sentaba iSwafa wakhipha isimemezelo wathi: «O, bantu bakithi! Ningakholwa yini uma nginitshela ukuthi izitha zenu zihlose ukunihlasela ngokusa noma ebusuku na?» Baphendula bathi: «Asikaze sikuzwe ukhuluma amanga empilweni yakho yonke».

Waqhubeka wathi: «Sizwe samaKuraish! Ngiyanixwayisa ukuthi nesabe isijeziso sikaAllah. Zihlengeni emlilweni. Isimo sami siyefana nesomqaphi obona isitha sisekude axwayise abantu bakubo ngengozi yezitha. Kungabe umuntu onjalo uke aqambe amanga yini kubantu bakubo na? Yemukelani ukuthi: Akekho uNkulunkulu ngaphandle kukaAllah, nizobusa umhlaba».

UAbu Lahab waxova yonke inkulumo yangalolosuku, ezama ukuhlenga izithixo zabo, uAllah Wembula isahluko 111 seKur'an emqalekisa. Iningi labantu bathathwa umfutho wombiko wenkolo enombiko amnandi. Baqala ukuhlushwa abantu, amaKuraish ebona uMuhammad engavumelani nezethembiso zabo zokuthi angasaqhubeki nalombiko, futhi bemthembisa ukumenza inkosi yabo uma engazudidisa inkolo yabo.

I-Makkah yonke yazamazama kwaze kwacaca ukuthi umProfethi (ukuthula kube kuye) uzohlaselwa kobunye ubusuku, uSomandla wamnika lesosibonakaliso, waphuma emzini waseMakkah kanye nomngane wakhe uAbu BAkar, eshiye ekhaya lakhe umkakhe kanye nomzala wakhe uAli. Babaleka baze bayobhaca emgedeni waseThaur okuyindawo engamamayela amathathu ukusuka eMakkah. Lokhu kwaba isiqalo somlando weIslam eyayilindelwe ngabomvu eMadina. Lona kwaba unyaka wofuduko kanye nempumelelo kuma-Muslim..

## UKUKHOTHAMA KOMPROFETHI

Onyakeni wesishiyagalolunye ngemuva kofuduko (Hijra), abaholi bezinxenye zeArabiya babeza edolobheni laseMadina bezozinikela kumProfethi oNgcwele uMuhammad

(ukuthula kube kuye), befuna neziyalo zeKur'an. UmProfethi (ukuthula kube kuye) wayesengumholi weArabiya yonke kodwa wayeziphethe ngendlela eqotho njengasekuqaleni.

Kuleminyaka eyishumi waqeda ukukhonzwa kwezithixo eArabiya, wakhuphula izinga labesifazane baphila ngendlela ehloniphekile; waqeda ubudakwa nokungaziphathi ngendlela yomthetho eyayihlaza amaArab, wenza abantu bathuthuka ngakhokonke, baphila ngokholo nethemba, ubuqotho nokusebenza ngokwethembeka; kwaguquka abantu ababephila amakhulu eminyaka ngaphandle kolwazi, baqala ukomela ulwazi. Waqopha umlando ngokuhlanganisa ubuzalwane esintwini, iqiniso kanye nezimiso emthethweni olinganayo kubo bonke. Kukho konke lokhu wayeholwa ngamazwi kaAllah alotshwe kuKur'an eyiNgcwele.

Onyakeni weshumi ngemuva kofuduko (Hijra), waya emzini waseMakkah eyokwenza iHajj okwaba eyokugcina okuthiwa «iHajj yokuvalelisa». Washumayelo esixukwini esasiminyene entabeni iArafat. Wasikhumbuza ngomsebenzi osemahlombe aso njengamaMuslim, nokuthi ngelinye ilanga bayovela phambi kweNkosi yabo, behlulelwe ngezenzo zabo. Ngemuva kwentshumayelo wababuza wathi: «Ngiwudlulisele yini umbiko na?» Eminyakeni engamakhulu, nasezinyangeni esezedlula lesosixuku sasikhonza izithixo, lesosixuku saqubula simemeza sithi: «O, Allah! Yebo (mProfethi)!» UmProfethi (ukuthula kube kuye) wathi: «O, Allah! Mawube ngufakazi!»

Kwaba ngalesosikhathi seHajj yokugcina lapho embulelwa khona umProfethi (ukuthula kube kuye) isahluko 110, esaziwa ngokuthi «Usizo», futhi lesambulo sasesibika isiphetho somsebenzi wakhe. Ngemuva kokuba abuyele eMadina, phakathi kwamabili zingu 18 enyangeni kaSwafar emuva kofuduko, umProfethi (ukuthula kube kuye), wahamba waya emathuneni omphakathi, ukuthi ayocelela labo abalele lapho izibusiso zikaAllah.

Lapho ephindela endlini yakhe wazizwa engaphathekile

kahle. Wagula waze waphetha ngokukhothama. Izwe laseArabiya lafikelwa ukwesaba, isililo sasisikhulu kubantu baseMadina, eMakkah kanye naseTa'if. Lapho isimo somProfethi (ukuthula kube kuye) sesisibi ngempela, engasakwazi ngisho ukuhola umkhuleko, wayala ukuthi umhlonishwa uAbu Bakar (iNkosi Imbusise) ahole umkhuleko. U-Ibn Sa'd ubika ngegunya likaAnas kaMalik, noUbayd kaAmr, noIbn Abbas (uAllah engathi Angathokoza ngabo) wathi: «Umhlonishwa uAbu Bakar wahola umkhuleko izikhathi eziyishumi nesikhombisa ngesikhathi umProfethi (ukuthula kube kuye) esaphila, kanti umProfethi (ukuthula kube kuye) wema kanye ngemuva kwakhe, lapho umhlonishwa uAbu Bakar ehola umkhuleko. UmProfethi wadlula emhlabeni zingu 12 kuRibi-al-Awwal onyakeni weshuminanye ngemuva kofuduko (Hijra).

## *SURAH FATIHA*[1]*-UKUVULWA*

## سُورَةُ الفَاتِحَة

1. Egameni likaAllah[2] (uN-kulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَٰنِ الرَّحِيمِ ①

2. Udumo malube kuAllah, (uMdali) noMondli wamazwe onke.

الْحَمْدُ لِلَّهِ رَبِّ الْعَالَمِينَ ②

3. Onomusa[3], Onesihawu.

الرَّحْمَٰنِ الرَّحِيمِ ③

4. Mbusi woSuku lokwahlulela!

مَالِكِ يَوْمِ الدِّينِ ④

5. NguWena kuphela esiM-khonzayo, futhi kuWena wedwa sicela usizo.

إِيَّاكَ نَعْبُدُ وَإِيَّاكَ نَسْتَعِينُ ⑤

6. Siholele endleleni eqondile.

اهْدِنَا الصِّرَاطَ الْمُسْتَقِيمَ ⑥

7. Indlela yalabo Owabehlisela umusa waKho[4], kungabi yindlela yalabo abehlelwa wulaka lwaKho, noma labo abedukayo.

صِرَاطَ الَّذِينَ أَنْعَمْتَ عَلَيْهِمْ
غَيْرِ الْمَغْضُوبِ عَلَيْهِمْ وَلَا الضَّالِّينَ ⑦

---

**INCAZELO**

[1] Lesisahluko (Surah) Sandulela yonke imikhuleko, futhi siyibika le-Kur'an isiyonke.

[2] BismIllah «Egameni lika-Allah». Igama likaNkulunkulu Owadala konke uAllah, aliphathwa ngeze. Yonke imisebenzi emihle yandulelwa yigama laKhe.

[3] Rahman (Onomusa). Umusa KaAllah wengamele zonke izinto ku-lomhlaba, kwabahle nakwababi. Rahim (Onesihawu) kuphela kwaba-kholwayo kuleli nakweLizayo.

[4] Laba bachazwe kahle esahlukeweni 2:136-137.

## SURAH BAQARAH-INKOMAZI

## سُوْرَةُ الْبَقَرَةِ

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

بِسْمِ اللّٰهِ الرَّحْمٰنِ الرَّحِيْمِ

**1.** Alif Lam Mim[1].

الٓمّٓ ۝١

**2.** Lena yiNcwadi enenkokhelo yeqiniso engengatshazwe, yilabo abesaba uAllah;[2]

ذٰلِكَ الْكِتٰبُ لَا رَيْبَ ۛ فِيْهِ ۛ هُدًى لِّلْمُتَّقِيْنَ ۝٢

**3.** Labo abakholelwa kulokho okungabonwayo, futhi beqikelela ukwenza umthandazo, besebenzisa lokho eSibabele[3] kona.

الَّذِيْنَ يُؤْمِنُوْنَ بِالْغَيْبِ وَيُقِيْمُوْنَ الصَّلٰوةَ وَمِمَّا رَزَقْنٰهُمْ يُنْفِقُوْنَ ۝٣

**4.** Nalabo abakholelwa kulokho okwembulelwe wena[4] (Muhammad), nalokho okwembulwa ngaphambi kwakho, futhi benesiqiniseko ngempilo yakweLizayo.

وَالَّذِيْنَ يُؤْمِنُوْنَ بِمَآ اُنْزِلَ اِلَيْكَ وَمَآ اُنْزِلَ مِنْ قَبْلِكَ ۚ وَبِالْاٰخِرَةِ هُمْ يُوْقِنُوْنَ ۝٤

**5.** Labo-ke basekuholweni (kweqiniso) okuvela eNkosini

اُولٰٓئِكَ عَلٰى هُدًى مِّنْ رَّبِّهِمْ ۗ

---

[1] Alif, Lam, Mim. Labongwaqa bayisifinyezo sombiko okulesisahluko.

[2] Ukwesaba kuchaza ukuba nonembeza, ukucophelela: yilabo-ke abathandekayo kuNkulunkulu.

[3] (a) Ungwaqa omkhulu egameni elithi «eSinabele» kona, lapha akuqondisiwe ebuningini; kepha lapho ungwaqa omkhulu esetshenziswa uchaza umsebenzi kaNkulunkulu Yedwa. Silandele indlela okuchazwe ngayo olimini lwesiArab. Nakwamanye amavesi 23, 35, 38, ukuqhubeka.

(b) Isabelo noma imfundo yakho yinhle kuAllah uma ibawusizo emphakathini noma esizweni sonke.

[4] Um Prophethi uMuhammad wembulelwa iKur'an eNgcwele (Izihayo). UAllah wembula iTorah (uMthetho) kuMose, iZabur (amaHubo) kuDavide, neInjil (iVangeli) kuJesu (ukuthula kube kubona).

yabo, yibona labo futhi abayophumelela.

وَأُولَٰئِكَ هُمُ الْمُفْلِحُونَ ۝٥

**6.** Ngempela kulabo abaphika ukholo, kuyefana nje ukuthi uyabexwayisa noma awubaxwayisi; abasoze bakholwa.

إِنَّ الَّذِينَ كَفَرُوا سَوَاءٌ عَلَيْهِمْ أَأَنذَرْتَهُمْ أَمْ لَمْ تُنذِرْهُمْ لَا يُؤْمِنُونَ ۝٦

**7.** UAllah Uvale izinhliziyo zabo kanye nezindlebe zabo, futhi kunesisithezo phezu kwamehlo abo, sikhulu futhi isijeziso esizoba phezu kwabo[1].

خَتَمَ اللَّهُ عَلَىٰ قُلُوبِهِمْ وَعَلَىٰ سَمْعِهِمْ ۖ وَعَلَىٰ أَبْصَارِهِمْ غِشَاوَةٌ ۖ وَلَهُمْ عَذَابٌ عَظِيمٌ ۝٧

ISIGABA2.

**8.** Futhi phakathi kwabantu kunalabo abathi: «Siyakholwa kuAllah, nasoSukwini lokuGcina»; kepha bengakholwa.

وَمِنَ النَّاسِ مَن يَقُولُ آمَنَّا بِاللَّهِ وَبِالْيَوْمِ الْآخِرِ وَمَا هُم بِمُؤْمِنِينَ ۝٨

**9.** Bezama ukukhohlisa uAllah kanye nabakholwayo; kepha bazikhohlise bona uqobo, futhi ababoni.

يُخَادِعُونَ اللَّهَ وَالَّذِينَ آمَنُوا ۖ وَمَا يَخْدَعُونَ إِلَّا أَنفُسَهُمْ وَمَا يَشْعُرُونَ ۝٩

**10.** Izinhliziyo zabo zinesifo, noAllah wabandisela isifo sabo: bamelwe yisijeziso esibuhlungu, ngoba benamanga.

فِي قُلُوبِهِم مَّرَضٌ ۖ فَزَادَهُمُ اللَّهُ مَرَضًا ۖ وَلَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ۢ بِمَا كَانُوا يَكْذِبُونَ ۝١٠

**11.** Uma kuthiwa kubona: «Musani ukona emhlabeni». Bathi: «Thina singabalungisayo nje!»

وَإِذَا قِيلَ لَهُمْ لَا تُفْسِدُوا فِي الْأَرْضِ ۙ قَالُوا إِنَّمَا نَحْنُ مُصْلِحُونَ ۝١١

**12.** Ngokwempela yibona kanye izoni, kepha abanakile.

أَلَا إِنَّهُمْ هُمُ الْمُفْسِدُونَ وَلَٰكِن لَّا يَشْعُرُونَ ۝١٢

[1] UAllah wabayekelela badlula, ngokuba bengalithandi iqiniso.

**13.** Uma betshelwa kuthiwa: «Kholwani njengoba abanye abantu bekholwa!» Bathi: «Singakholwa kanjani thina njengeziwula na?» Kepha empeleni yibona kanye iziwula kodwa bona abazi.

وَإِذَا قِيلَ لَهُمْ ءَامِنُوا۟ كَمَآ ءَامَنَ ٱلنَّاسُ قَالُوٓا۟ أَنُؤْمِنُ كَمَآ ءَامَنَ ٱلسُّفَهَآءُ ۗ أَلَآ إِنَّهُمْ هُمُ ٱلسُّفَهَآءُ وَلَٰكِن لَّا يَعْلَمُونَ ﴿١٣﴾

**14.** Uma behlangana nalabo abakholwayo, bathi: «Siyakholwa». Kuthi lapho sebebodwa nosthane phakathi kwabo, bathi: «Ngempela sikanye nani, besifane sibhinqa nje».

وَإِذَا لَقُوا۟ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ قَالُوٓا۟ ءَامَنَّا ۖ وَإِذَا خَلَوْا۟ إِلَىٰ شَيَٰطِينِهِمْ قَالُوٓا۟ إِنَّا مَعَكُمْ إِنَّمَا نَحْنُ مُسْتَهْزِءُونَ ﴿١٤﴾

**15.** UAllah Uyophindisela kubo imibhinqo yabo, futhi Abayeke benhlanhlatha bedukise okwezimpumputhe.

ٱللَّهُ يَسْتَهْزِئُ بِهِمْ وَيَمُدُّهُمْ فِى طُغْيَٰنِهِمْ يَعْمَهُونَ ﴿١٥﴾

**16.** Yibo-ke laba abazinanele ukweduka kunokuholwa, kepha umsebenzi wabo awuzukuba nanzuzo, futhi abehko endleleni eqondile.

أُو۟لَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ ٱشْتَرَوُا۟ ٱلضَّلَٰلَةَ بِٱلْهُدَىٰ فَمَا رَبِحَت تِّجَٰرَتُهُمْ وَمَا كَانُوا۟ مُهْتَدِينَ ﴿١٦﴾

**17.** Bafaniswa nalabo abaphemba[1] umlilo okuthi lapho usubakhanyisele yonke indawo, uAllah Athathe ukukhanya kwawo, Abashiye ebumnyameni (obukhulu), bengaboni.

مَثَلُهُمْ كَمَثَلِ ٱلَّذِى ٱسْتَوْقَدَ نَارًا فَلَمَّآ أَضَآءَتْ مَا حَوْلَهُۥ ذَهَبَ ٱللَّهُ بِنُورِهِمْ وَتَرَكَهُمْ فِى ظُلُمَٰتٍ لَّا يُبْصِرُونَ ﴿١٧﴾

[1] Ukuziqhayisa, ukukhohlisa nokuphikisa iqiniso, kuyinto ethokomalisayo okwesikhashana.

صُمٌّۢ بُكْمٌ عُمْيٌ فَهُمْ لَا يَرْجِعُونَ ﴿١٨﴾

**18.** Bayizithulu, zimungulu, (futhi) zimpumputhe, yingakho bengezukuphindela endleleni[1].

أَوْ كَصَيِّبٍ مِّنَ السَّمَآءِ فِيهِ ظُلُمَٰتٌ وَرَعْدٌ وَبَرْقٌ يَجْعَلُونَ أَصَٰبِعَهُمْ فِىٓ ءَاذَانِهِم مِّنَ الصَّوَٰعِقِ حَذَرَ الْمَوْتِ ۚ وَاللَّهُ مُحِيطٌۢ بِالْكَٰفِرِينَ ﴿١٩﴾

**19.** Noma njengezulu ligqunqe limnyama linemvula eningi emafini, liduma futhi linyazima; bavala izindlebe ngeminwe yabo, ngenxa yokuqeqebula kwezulu, besaba ukufa. UAllah Uyabakaka abangakholwa.

يَكَادُ الْبَرْقُ يَخْطَفُ أَبْصَٰرَهُمْ ۖ كُلَّمَآ أَضَآءَ لَهُم مَّشَوْا فِيهِ ۖ وَإِذَآ أَظْلَمَ عَلَيْهِمْ قَامُوا ۚ وَلَوْ شَآءَ اللَّهُ لَذَهَبَ بِسَمْعِهِمْ وَأَبْصَٰرِهِمْ ۚ إِنَّ اللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٢٠﴾

**20.** Umbani uthi awufiphaze amehlo abo njalo uma linyazima, bahamba ngokukhanya kwawo, futhi uma benganyelwa ubumnyama bame[2]. Ngempela uma uAllah Wayethandile Ubeyobavala izindlebe, kanye namehlo abo, ngoba ngempela uAllah Unamandla phezu kwakho konke.

ISIGABA3.

يَٰٓأَيُّهَا النَّاسُ اعْبُدُوا رَبَّكُمُ الَّذِى خَلَقَكُمْ وَالَّذِينَ مِن قَبْلِكُمْ لَعَلَّكُمْ تَتَّقُونَ ﴿٢١﴾

**21.** O, Sintu! Khonzani[3] iNkosi yenu Eyanidala kanye nalabo abangaphambili, ukuze nikwazi ukugwema ububi.

الَّذِى جَعَلَ لَكُمُ الْأَرْضَ فِرَٰشًا وَالسَّمَآءَ بِنَآءً وَأَنزَلَ مِنَ السَّمَآءِ مَآءً فَأَخْرَجَ بِهِۦ

**22.** Leyo Eyenza kinina umhlaba (ubukeke) undlaleke okwecansi, nesibhakabhaka sawuphahla; Eph-

[1] Lokho konke wumphumela wokuba yisitha seqiniso.

[2] Iqiniso liyinto ebadidisayo, bayalizwa kepha babuye balahleke labo abathukuse ubuqili ezinhliziyweni zabo.

[3] Ukuzinikela, ukuthanda noma ukusebenzela iNkosi uAllah.

emba imvula emafini, ukuze nikhiqize izithelo enizidlayo. Ngakho-ke ningabi nezimbangi esikhundleni sikaAllah nibe nazi.

مِنَ الثَّمَرٰتِ رِزْقًا لَّكُمْ ۖ فَلَا تَجْعَلُوْا لِلّٰهِ
اَنْدَادًا وَّاَنْتُمْ تَعْلَمُوْنَ ﴿٢٢﴾

**23.** Akuthi uma nina ningabaza eSikwembulele inceku Yethu (uMuhammad) nilethe isahluko esinjengalesi, nize nofakazi benu ngaphandle kukaAllah, uma nineqiniso.

وَاِنْ كُنْتُمْ فِيْ رَيْبٍ مِّمَّا نَزَّلْنَا عَلٰى عَبْدِنَا
فَاْتُوْا بِسُوْرَةٍ مِّنْ مِّثْلِهٖ ۖ وَادْعُوْا
شُهَدَآءَكُمْ مِّنْ دُوْنِ اللّٰهِ اِنْ
كُنْتُمْ صٰدِقِيْنَ ﴿٢٣﴾

**24.** Kepha uma ningekwazi ukukwenza (lokho), ngempela anisoze nakwenza, ngakho-ke qaphelani ukunqwamana nomlilo obaselwe ngabantu nangamatshe, olungiselelwe abangakholwa.

فَاِنْ لَّمْ تَفْعَلُوْا وَلَنْ تَفْعَلُوْا فَاتَّقُوا النَّارَ
الَّتِيْ وَقُوْدُهَا النَّاسُ وَالْحِجَارَةُ ۖ اُعِدَّتْ
لِلْكٰفِرِيْنَ ﴿٢٤﴾

**25.** Ngempela shumayela izindaba ezimnandi kulabo abakholwayo futhi benza nokulungileyo, umvuzo wabo uzoba yiziva-nde ezigobhoza amanzi ngaphansi, kuthi njalo uma bondliwa ngezithelo kuzo, bathi: «Yiko lokhu esake sakuphiwa ngaphambili!» -ngoba bephiwa okufanayo, futhi phakathi lapho bayophiwa izithandwa ezimsulwa, bahlale nazo kuze kube phakade.

وَبَشِّرِ الَّذِيْنَ اٰمَنُوْا وَعَمِلُوا الصّٰلِحٰتِ اَنَّ لَهُمْ
جَنّٰتٍ تَجْرِيْ مِنْ تَحْتِهَا الْاَنْهٰرُ ۖ كُلَّمَا رُزِقُوْا
مِنْهَا مِنْ ثَمَرَةٍ رِّزْقًا ۙ قَالُوْا هٰذَا الَّذِيْ رُزِقْنَا
مِنْ قَبْلُ ۙ وَاُتُوْا بِهٖ مُتَشَابِهًا ۭ وَلَهُمْ فِيْهَآ
اَزْوَاجٌ مُّطَهَّرَةٌ ۙ وَّهُمْ فِيْهَا خٰلِدُوْنَ ﴿٢٥﴾

**26.** Ngempela uAllah Akanawo amahloni okufanekisa ngezinambuzane nangokungaphezu kwazo;

اِنَّ اللّٰهَ لَا يَسْتَحْيٖٓ اَنْ يَّضْرِبَ مَثَلًا مَّا بَعُوْضَةً
فَمَا فَوْقَهَا ۭ فَاَمَّا الَّذِيْنَ اٰمَنُوْا فَيَعْلَمُوْنَ

ukuze labo abakholwayo bazi ukuthi leli yiqiniso elivela eN-kosini yabo, kepha labo abangakholwa bathi: «Uchazani uAllah ngalomfanekiso na?» Udidisa abaningi ngawo, futhi iningi Ulihola ngawo; kepha Akadidisi lutho ngawo ngaphandle kwabonayo[1].

أَنَّهُ ٱلْحَقُّ مِن رَّبِّهِمْ ۖ وَأَمَّا ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟
فَيَقُولُونَ مَاذَآ أَرَادَ ٱللَّهُ بِهَٰذَا مَثَلًا ۘ
يُضِلُّ بِهِۦ كَثِيرًا وَيَهْدِى بِهِۦ كَثِيرًا ۚ
وَمَا يُضِلُّ بِهِۦٓ إِلَّا ٱلْفَٰسِقِينَ ﴿٢٦﴾

**27.** Labo abephula isethembiso sikaAllah ngemuva kwesiqiniseko, futhi behlukanisa lokho uAllah Ayale ukuthi kuhlanganiswe[2], abenza futhi ububi emhlabeni. Yibo-ke labo abalahlekelwayo[3].

ٱلَّذِينَ يَنقُضُونَ عَهْدَ ٱللَّهِ مِنۢ بَعْدِ
مِيثَٰقِهِۦ وَيَقْطَعُونَ مَآ أَمَرَ ٱللَّهُ بِهِۦٓ أَن
يُوصَلَ وَيُفْسِدُونَ فِى ٱلْأَرْضِ ۙ أُو۟لَٰٓئِكَ
هُمُ ٱلْخَٰسِرُونَ ﴿٢٧﴾

**28.** Anikholwa kanjani kuAllah kanti naningenakho ukuphila Yena wanipha ukuphila, futhi eSazokwenza ukuthi nife, Abuye Anivuse bese nibuyela kuYe?

كَيْفَ تَكْفُرُونَ بِٱللَّهِ وَكُنتُمْ أَمْوَٰتًا
فَأَحْيَٰكُمْ ۖ ثُمَّ يُمِيتُكُمْ ثُمَّ يُحْيِيكُمْ ثُمَّ
إِلَيْهِ تُرْجَعُونَ ﴿٢٨﴾

**29.** NguYena Owanidalela konke okusemhlabeni; Wayese phendukela ezulwini Walenza lanemikhakha eyisikhombisa, futhi nguYena Onolwazi ngezinto zonke.

هُوَ ٱلَّذِى خَلَقَ لَكُم مَّا فِى ٱلْأَرْضِ جَمِيعًا ۚ
ثُمَّ ٱسْتَوَىٰٓ إِلَى ٱلسَّمَآءِ فَسَوَّىٰهُنَّ سَبْعَ
سَمَٰوَٰتٍ ۚ وَهُوَ بِكُلِّ شَىْءٍ عَلِيمٌ ﴿٢٩﴾

---

[1] UAllah Ufanekisa ngezinto zonke, ngokuba izinto eziphathelene nobuhlakani zichazwa ngemifanekiso.

[2] Inkolo eyashumayelwa nguJesu igcwaliseke kuMuhammad (ukuthula kube kubona), kuJohane 14:16 uchazwe njengoMduduzi kanye noMoya weqiniso.

[3] Abuwutholi umusa KaAllah.

ISIGABA4.

**30.** Bheka! INkosi yakho yathi eZingelosini: «Ngempela Ngizobeka indlalifa emhlabeni»[1]. Zathi: «Kungani Uzobeka kuwo ozokona achithe negazi[2], kanti thina sidumisa ubuNgcwele baKho na?» (uAllah) Wathi: «Ngempela Ngazi lokho nina eningakwazi».

وَإِذْ قَالَ رَبُّكَ لِلْمَلَٰٓئِكَةِ إِنِّي جَاعِلٌ فِي
الْأَرْضِ خَلِيفَةً قَالُوٓا أَتَجْعَلُ فِيهَا مَن يُفْسِدُ
فِيهَا وَيَسْفِكُ الدِّمَآءَ وَنَحْنُ نُسَبِّحُ
بِحَمْدِكَ وَنُقَدِّسُ لَكَ قَالَ إِنِّيٓ أَعْلَمُ
مَا لَا تَعْلَمُونَ ﴿٣٠﴾

**31.** Ngempela Yena Wembulela uAdam ulwazi lwamagama ezinto zonke; wayeseziveza eZingelosini, Wathi: «Ngaziseni amagama alezinto uma nineqiniso!»

وَعَلَّمَ ءَادَمَ الْأَسْمَآءَ كُلَّهَا ثُمَّ عَرَضَهُمْ عَلَى
الْمَلَٰٓئِكَةِ فَقَالَ أَنۢبِـُٔونِي بِأَسْمَآءِ هَٰٓؤُلَآءِ
إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿٣١﴾

**32.** Zathi: «UbuNgcwele bungobaKho! Asinalwazi ngaphandle kwalokho Owasembulela kona, ngempela nguWena Onolwazi, Nobuhlakani».

قَالُوا سُبْحَٰنَكَ لَا عِلْمَ لَنَآ إِلَّا مَا عَلَّمْتَنَآ إِنَّكَ
أَنتَ الْعَلِيمُ الْحَكِيمُ ﴿٣٢﴾

**33.** Wathi (uAllah): «O, Adam zibize ngamagama azo». Kwathi esezibizile ngamagama azo, Wathi (uAllah): «Anginitshelanga yini ukuthi Ngazi izimfihlo zamazulu nomhlaba, futhi Ngazi enikuveza obala nalokho enikuthukusayo na?»

قَالَ يَٰٓـَٔادَمُ أَنۢبِئْهُم بِأَسْمَآئِهِمْ فَلَمَّآ أَنۢبَأَهُم
بِأَسْمَآئِهِمْ قَالَ أَلَمْ أَقُل لَّكُمْ إِنِّيٓ أَعْلَمُ غَيْبَ
السَّمَٰوَٰتِ وَالْأَرْضِ وَأَعْلَمُ مَا تُبْدُونَ
وَمَا كُنتُمْ تَكْتُمُونَ ﴿٣٣﴾

**34.** Bheka! Sathi eZingelosini:

وَإِذْ قُلْنَا لِلْمَلَٰٓئِكَةِ اسْجُدُوا لِءَادَمَ فَسَجَدُوٓا

[1] Indlalifa yilowo onolwazi ngomthetho nenjongo yoMnini. Izimisela ngohlelo loMnini, futhi Ihlala ethokozile ngalo. Leli yizinga elanikezwa umuntu.

[2] UAllah Wanikela umuntu isigaba esikhulu ngokolwazi nobuhlakani, hhayi ubuqili, amandla nokuchitha igazi.

«Khothamelani uAdam!» Zakhothama, ngaphandle kukaIblis[1]. Wala, futhi waqhosha: waba ophika ukholo.

إِلَّآ إِبْلِيسَ ۖ أَبَىٰ وَٱسْتَكْبَرَ وَكَانَ مِنَ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿٣٤﴾

**35.** Futhi Sathi: «O, Adam! Hlala wena nomkakho esivandeni, nidle kuyo yonke indawo lapho nifuna (ukudla) khona; kepha ningasondeli kulomuthi nobabili, ngoba nizoba abenzi bokubi».

وَقُلْنَا يَٰٓـَٔادَمُ ٱسْكُنْ أَنتَ وَزَوْجُكَ ٱلْجَنَّةَ وَكُلَا مِنْهَا رَغَدًا حَيْثُ شِئْتُمَا ۖ وَلَا تَقْرَبَا هَٰذِهِ ٱلشَّجَرَةَ فَتَكُونَا مِنَ ٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٣٥﴾

**36.** Kepha usathane wabakhubekisa kulokho, wabakhipha esimeni (esimnandi) ababekuso. Sase Sithi: «Yehlelani phansi (nonke), abanye phakathi kwenu bayizitha zabanye! Emhlabeni kuyakuba yindawo yenu yokuhlala, kanye nenjabulo yesikhashana».

فَأَزَلَّهُمَا ٱلشَّيْطَٰنُ عَنْهَا فَأَخْرَجَهُمَا مِمَّا كَانَا فِيهِ ۖ وَقُلْنَا ٱهْبِطُوا۟ بَعْضُكُمْ لِبَعْضٍ عَدُوٌّ ۖ وَلَكُمْ فِى ٱلْأَرْضِ مُسْتَقَرٌّ وَمَتَٰعٌ إِلَىٰ حِينٍ ﴿٣٦﴾

**37.** UAdam wayesethola amazwi (okushweleza) eNkosini yakhe Yase Iphendukela kuye. Ngempela Iyathethelela njalo Inomusa.

فَتَلَقَّىٰٓ ءَادَمُ مِن رَّبِّهِۦ كَلِمَٰتٍ فَتَابَ عَلَيْهِ ۚ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلتَّوَّابُ ٱلرَّحِيمُ ﴿٣٧﴾

**38.** Sathi: «Yehlelani phansi, nisuke lapha, ngempela uma kufika kinina izaluleko zaMi, kulabo abazozwisisa uma Ngibahola, abasezukuba navalo, futhi abasoze bakhathazeka».

قُلْنَا ٱهْبِطُوا۟ مِنْهَا جَمِيعًا ۖ فَإِمَّا يَأْتِيَنَّكُم مِّنِّى هُدًى فَمَن تَبِعَ هُدَاىَ فَلَا خَوْفٌ عَلَيْهِمْ وَلَا هُمْ يَحْزَنُونَ ﴿٣٨﴾

[1] U-Iblis ngusathane noma umphambuki.

**39.** Kepha labo abangakholwa, futhi bethi izambulo zeThu amanga, yilabo-ke abezwana nomlilo. Bazojeziswa kuwo ngonaphakade».

وَٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ وَكَذَّبُوا۟ بِـَٔايَٰتِنَآ أُو۟لَٰٓئِكَ أَصْحَٰبُ ٱلنَّارِ ۖ هُمْ فِيهَا خَٰلِدُونَ ﴿٣٩﴾

ISIGABA5.

**40.** O, Bantwana bakwaIsrayeli! Khumbula umusa lowo Enganenzela wona, futhi fezani isivumelwano (enasenza naMi njengoba) Ngifeza isivumelwano saMi nani, futhi nesabe Mina kuphela!

يَٰبَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ ٱذْكُرُوا۟ نِعْمَتِىَ ٱلَّتِىٓ أَنْعَمْتُ عَلَيْكُمْ وَأَوْفُوا۟ بِعَهْدِىٓ أُوفِ بِعَهْدِكُمْ ۖ وَإِيَّٰىَ فَٱرْهَبُونِ ﴿٤٠﴾

**41.** Ngempela nikholwe kulokhu Engikwembulayo, nokugcwalisa isambulo leso esikinina, ningabi abokuqala abenqaba ukukholwa yiso, futhi ningachithi izambulo zaMi ngenxa yenzuzo eyize; futhi nesabe Mina ngedwa![1]

وَءَامِنُوا۟ بِمَآ أَنزَلْتُ مُصَدِّقًا لِّمَا مَعَكُمْ وَلَا تَكُونُوٓا۟ أَوَّلَ كَافِرٍۭ بِهِۦ ۖ وَلَا تَشْتَرُوا۟ بِـَٔايَٰتِى ثَمَنًا قَلِيلًا ۖ وَإِيَّٰىَ فَٱتَّقُونِ ﴿٤١﴾

**42.** Ngempela ningasithezi iqiniso ngamanga, futhi ningagodli iqiniso nibe nilazi.

وَلَا تَلْبِسُوا۟ ٱلْحَقَّ بِٱلْبَٰطِلِ وَتَكْتُمُوا۟ ٱلْحَقَّ وَأَنتُمْ تَعْلَمُونَ ﴿٤٢﴾

**43.** Gcinani umthandazo, nisisele abampofu, futhi nikhothame nalabo abakhothamayo (enkonzweni).

وَأَقِيمُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتُوا۟ ٱلزَّكَوٰةَ وَٱرْكَعُوا۟ مَعَ ٱلرَّٰكِعِينَ ﴿٤٣﴾

**44.** Niyala ukuthi abantu benze ukulunga nibe nina ngokwenu

أَتَأْمُرُونَ ٱلنَّاسَ بِٱلْبِرِّ وَتَنسَوْنَ

[1] AmaJuda namaKrestu ayecacelwa kahle ngomProfethi uMuhammad (ukuthula kube kuye), kepha abalukhuni ngenxa yenzuzo encane uma iqhathaniswa naleyo yakweLizayo.

nikhohlwa (ukwenza), futhi nina ningabafundi bemibhalo na? Ingabe aninakuqonda na?

أَنفُسَكُمْ وَأَنتُمْ تَتْلُونَ الْكِتَابَ أَفَلَا تَعْقِلُونَ ﴿٤٤﴾

**45.** Ngempela celani usizo ngokubekezela nangomkhuleko: futhi lokhu ngempela kunzima, hhayi kodwa kulabo abazithobileyo.

وَاسْتَعِينُوا بِالصَّبْرِ وَالصَّلَاةِ وَإِنَّهَا لَكَبِيرَةٌ إِلَّا عَلَى الْخَاشِعِينَ ﴿٤٥﴾

**46.** Labo abanomqondo oqiniseke ngokuthi bayohlangana neNkosi yabo, nokuthi bayophindela kuYo[1].

الَّذِينَ يَظُنُّونَ أَنَّهُم مُّلَاقُو رَبِّهِمْ وَأَنَّهُمْ إِلَيْهِ رَاجِعُونَ ﴿٤٦﴾

ISIGABA6.

**47.** O, Bantwana bakwaIsrayeli! Khumbulani umusa waMi enganenzela wona, nokuthi nganiqoka kuzozonke izizwe (ukuze nidlulise umyalezo waMi).

يَا بَنِي إِسْرَائِيلَ اذْكُرُوا نِعْمَتِيَ الَّتِي أَنْعَمْتُ عَلَيْكُمْ وَأَنِّي فَضَّلْتُكُمْ عَلَى الْعَالَمِينَ ﴿٤٧﴾

**48.** Futhi yesabani loloSuku lapho umphefumulo ungezusiza omunye ngalutho, nokuzincengela kwawo kungena kwamukeleka, futhi kungekho nhlawulo engathathwa kuwo, kungekho onokuwusiza ngalutho.

وَاتَّقُوا يَوْمًا لَّا تَجْزِي نَفْسٌ عَن نَّفْسٍ شَيْئًا وَلَا يُقْبَلُ مِنْهَا شَفَاعَةٌ وَلَا يُؤْخَذُ مِنْهَا عَدْلٌ وَلَا هُمْ يُنصَرُونَ ﴿٤٨﴾

**49.** Futhi khumbulani Sanikhulula esizweni sikaFaro: esanithwesa imithwalo enzima sibulala amadodana enu, futhi

وَإِذْ نَجَّيْنَاكُم مِّنْ آلِ فِرْعَوْنَ يَسُومُونَكُمْ سُوءَ الْعَذَابِ يُذَبِّحُونَ

[1] Ngemuva komsebenzi omkhulu wokugcina intado kaAllah, umuntu uzothola injabulo engapheliyo kuMdali uAllah.

sishiya abesifazane benu. Lesi kwakuyisivivinyo esikhulu seNkosi yenu.

أَبْنَآءَكُمْ وَيَسْتَحْيُونَ نِسَآءَكُمْ ۚ وَفِى ذَٰلِكُم بَلَآءٌ مِّن رَّبِّكُمْ عَظِيمٌ ﴿٤٩﴾

**50.** Nikhumbule futhi Sanehlukanisela ulwandle, futhi Sanihlenga, kepha Saminzisa abantu bakaFaro nibhekile.

وَإِذْ فَرَقْنَا بِكُمُ ٱلْبَحْرَ فَأَنجَيْنَٰكُمْ وَأَغْرَقْنَآ ءَالَ فِرْعَوْنَ وَأَنتُمْ تَنظُرُونَ ﴿٥٠﴾

**51.** Nikhumbule Samisela uMose ubusuku obungamashumi amane, nasala (nikhonza) ithole, ngoba engekho, futhi niziphethe kabi.

وَإِذْ وَٰعَدْنَا مُوسَىٰٓ أَرْبَعِينَ لَيْلَةً ثُمَّ ٱتَّخَذْتُمُ ٱلْعِجْلَ مِنۢ بَعْدِهِۦ وَأَنتُمْ ظَٰلِمُونَ ﴿٥١﴾

**52.** Noma kunjalo Sanixolela emuva kwalokho, ukuze nikhombise ukubonga.

ثُمَّ عَفَوْنَا عَنكُم مِّنۢ بَعْدِ ذَٰلِكَ لَعَلَّكُمْ تَشْكُرُونَ ﴿٥٢﴾

**53.** Futhi khumbulani Sanika uMose umbhalo kanye nokwahlulela (phakathi kokuhle nokubi), ukuze niholwe ngendlela eqotho.

وَإِذْ ءَاتَيْنَا مُوسَى ٱلْكِتَٰبَ وَٱلْفُرْقَانَ لَعَلَّكُمْ تَهْتَدُونَ ﴿٥٣﴾

**54.** Nikhumbule futhi lapho ethi uMose: «O, bantu bakithi! Ngempela nizedukise nina uqobo, ngokukhonza ithole; ngakho-ke phendukelani ku-Mdali wenu, nizi bulale nina uqobol wenu[1] lokho kuzoba kuhle kinina nakuMdali wenu» Wabe Esephendukela kinina ngentethelelo; ngoba ngempela Yena Ungumthetheleli Onomusa.

وَإِذْ قَالَ مُوسَىٰ لِقَوْمِهِۦ يَٰقَوْمِ إِنَّكُمْ ظَلَمْتُمْ أَنفُسَكُم بِٱتِّخَاذِكُمُ ٱلْعِجْلَ فَتُوبُوٓا۟ إِلَىٰ بَارِئِكُمْ فَٱقْتُلُوٓا۟ أَنفُسَكُمْ ذَٰلِكُمْ خَيْرٌ لَّكُمْ عِندَ بَارِئِكُمْ فَتَابَ عَلَيْكُمْ ۚ إِنَّهُۥ هُوَ ٱلتَّوَّابُ ٱلرَّحِيمُ ﴿٥٤﴾

[1] Nibulale izoni phakathi kwenu.

**55.** Nikhumbule nathi futhi kuMose: «O, Mose! Singeze sakukholwa soze sizibonele thina uAllah mathupha!» Nase ni-thathwa umbani nibhekile.

وَإِذْ قُلْتُمْ يٰمُوسٰى لَنْ نُّؤْمِنَ لَكَ حَتّٰى نَرَى
اللّٰهَ جَهْرَةً فَأَخَذَتْكُمُ الصّٰعِقَةُ وَأَنْتُمْ
تَنْظُرُوْنَ ﴿٥٥﴾

**56.** Sase Sinivusa emveni koku-fa kwenu, ukuze nibe noku-bonga[1].

ثُمَّ بَعَثْنٰكُمْ مِّنْ بَعْدِ مَوْتِكُمْ لَعَلَّكُمْ
تَشْكُرُوْنَ ﴿٥٦﴾

**57.** Futhi Senza amafu angu-mthunzi wenu, Sanipha imana nezigwaca. (Kwathiwa): «Dlanini lokho okuhlanzekile eSinipha kona». Futhi abaSikhubazanga ngalutho, kepha bakhubekisa imi-phefumulo yabo.

وَظَلَّلْنَا عَلَيْكُمُ الْغَمَامَ وَأَنْزَلْنَا
عَلَيْكُمُ الْمَنَّ وَالسَّلْوٰى ۖ كُلُوْا مِنْ طَيِّبٰتِ
مَا رَزَقْنٰكُمْ ۚ وَمَا ظَلَمُوْنَا وَلٰكِنْ
كَانُوْا أَنْفُسَهُمْ يَظْلِمُوْنَ ﴿٥٧﴾

**58.** Nikhumbule futhi mhla Sithi: «Ngenani kulelidolobha ni-dle kamnandi lokho enikufisayo lapho; kepha ningene esangweni ngokuzithoba, futhi nithi: "Sicela intethelelo'. Siyonithethelela izono zenu, futhi Siyobandisela labo abalungileyo».

وَإِذْ قُلْنَا ادْخُلُوْا هٰذِهِ الْقَرْيَةَ فَكُلُوْا مِنْهَا
حَيْثُ شِئْتُمْ رَغَدًا وَّادْخُلُوا الْبَابَ سُجَّدًا
وَّقُوْلُوْا حِطَّةٌ نَّغْفِرْ لَكُمْ خَطٰيٰكُمْ ۚ
وَسَنَزِيْدُ الْمُحْسِنِيْنَ ﴿٥٨﴾

**59.** Kepha izoni zasho izwi okungelona abalinikiwe, Sase Sehlisela izoni isijeziso esivela ezulwini ngokona kwazo.

فَبَدَّلَ الَّذِيْنَ ظَلَمُوْا قَوْلًا غَيْرَ الَّذِيْ قِيْلَ
لَهُمْ فَأَنْزَلْنَا عَلَى الَّذِيْنَ ظَلَمُوْا رِجْزًا
مِّنَ السَّمَآءِ بِمَا كَانُوْا يَفْسُقُوْنَ ﴿٥٩﴾

[1] Ama-Israyeli ayefuna uNkulunkulu afane nento ethile, noma eset-sheliwe ukuthi angabazi izithombe nemifanekiso. Ngaphezu kwalokho afuna ukuMbona ngeziqu zamehlo uAllah.

ISIGABA7.

**60.** Khumbula futhi lapho uMose ecelela abantu bakhe amanzi; Sase Sithi: «Shaya idwala ngenduku yakho!» -yingakho-ke kwagobhoza imithombo eyishumi nambili kulo, kwayilelo nalelo qembu lanendawo yalo lapho liphuza khona. (uMose wathi): «Dlanini niphuze kwenikwabelwe nguAllah, ningenzi amachilo ezweni ngokona».

وَإِذِ اسْتَسْقَىٰ مُوسَىٰ لِقَوْمِهِ فَقُلْنَا اضْرِب
بِّعَصَاكَ الْحَجَرَ ۖ فَانفَجَرَتْ مِنْهُ اثْنَتَا
عَشْرَةَ عَيْنًا ۖ قَدْ عَلِمَ كُلُّ أُنَاسٍ مَّشْرَبَهُمْ ۖ
كُلُوا وَاشْرَبُوا مِن رِّزْقِ اللَّهِ وَلَا تَعْثَوْا فِي
الْأَرْضِ مُفْسِدِينَ ﴿٦٠﴾

**61.** Khumbulani nalapho nithi: «O, Mose! Singemele ukudla inhlobo eyodwa yokudla (njalo), ngakho-ke Sicelele eNkosini yakho Isiphe okumila emhlabathini-imifino amakhukhamba, ogaliki, amalintisi, kanye no anyanisi». Wathi (uMose): «Nifuna ukuguqukela kulokho okungelutho kunalokho okungcono na? Yanini edolobheni[1], yilapho niyothola khona lokho enikufunayo!» Ngakho-ke bathola ukudunyazwa nokukhathazeka; bazidonsela ulaka lukaAllah, ngoba babengakholwa yizambulo zikaAllah, futhi bebulala nabaProfethi ngo kungemthetho, kwakungenxa yokuhlubuka nokweduka kwabo.

وَإِذْ قُلْتُمْ يَا مُوسَىٰ لَن نَّصْبِرَ عَلَىٰ طَعَامٍ
وَاحِدٍ فَادْعُ لَنَا رَبَّكَ يُخْرِجْ لَنَا مِمَّا تُنۢبِتُ
الْأَرْضُ مِن بَقْلِهَا وَقِثَّائِهَا وَفُومِهَا
وَعَدَسِهَا وَبَصَلِهَا ۖ قَالَ أَتَسْتَبْدِلُونَ
الَّذِي هُوَ أَدْنَىٰ بِالَّذِي هُوَ خَيْرٌ ۚ
اهْبِطُوا مِصْرًا فَإِنَّ لَكُم مَّا سَأَلْتُمْ ۗ وَضُرِبَتْ
عَلَيْهِمُ الذِّلَّةُ وَالْمَسْكَنَةُ وَبَاءُو بِغَضَبٍ
مِّنَ اللَّهِ ۗ ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ كَانُوا
يَكْفُرُونَ بِآيَاتِ اللَّهِ وَيَقْتُلُونَ
النَّبِيِّينَ بِغَيْرِ الْحَقِّ ۗ ذَٰلِكَ بِمَا عَصَوا
وَّكَانُوا يَعْتَدُونَ ﴿٦١﴾

[1] Uhlobo olulodwa lokudla lwalungcono kunezinkinga ababhekana nazo edolobheni elaliseduze nabo.

ISIGABA8.

إِنَّ الَّذِينَ آمَنُوا وَالَّذِينَ هَادُوا وَالنَّصَارَىٰ وَالصَّابِئِينَ مَنْ آمَنَ بِاللَّهِ وَالْيَوْمِ الْآخِرِ وَعَمِلَ صَالِحًا فَلَهُمْ أَجْرُهُمْ عِنْدَ رَبِّهِمْ وَلَا خَوْفٌ عَلَيْهِمْ وَلَا هُمْ يَحْزَنُونَ ﴿٦٢﴾

**62.** Ngempela labo abakholwayo ( kweSikwembulele wena Muhammad ), nalabo abangamaJuda, namaKrestu, namaSabiya [1], noma ubani okholwa kuAllah nasoSukwini lokuGcina, futhi enze ukulunga, ngempela umvuzo wabo useNkosini yabo, futhi abazukuba navalo, abazukukhathazeka.

وَإِذْ أَخَذْنَا مِيثَاقَكُمْ وَرَفَعْنَا فَوْقَكُمُ الطُّورَ خُذُوا مَا آتَيْنَاكُمْ بِقُوَّةٍ وَاذْكُرُوا مَا فِيهِ لَعَلَّكُمْ تَتَّقُونَ ﴿٦٣﴾

**63.** Bheka futhi Senza isivumelwano kanye nani, Senza iNtaba (iSinayi) yaqonga ngaphezu kwenu, (Sathi): «Bambelelani niqinise kulokho eSanembulela kona, futhi nikhumbule okukukethwe lapho, ukuze nimesabe (uAllah)».

ثُمَّ تَوَلَّيْتُمْ مِنْ بَعْدِ ذَٰلِكَ فَلَوْلَا فَضْلُ اللَّهِ عَلَيْكُمْ وَرَحْمَتُهُ لَكُنْتُمْ مِنَ الْخَاسِرِينَ ﴿٦٤﴾

**64.** Kepha naphambuka ngemuva kwakho konke lokho! Uma futhi bekungayi ngomusa nesihawu sikaAllah kinina, ngempela naniyokuba ngabadukileyo.

وَلَقَدْ عَلِمْتُمُ الَّذِينَ اعْتَدَوْا مِنْكُمْ فِي السَّبْتِ فَقُلْنَا لَهُمْ

**65.** Futhi niyazi kahle ngalabo phakathi kwenu abephula

[1] Kubantwana bakaIsrayeli owathatha uboholi nguJuda, kwase kwanda kakhulu ukuthi bangamaJuda. Gen. 49:8.

Abalandeli bakaJesu baziwa ngokuthi amaNaswara (abaSizi), ngoba uJesu kungowase Nazaretha. Luke 2:36. Igama elithi Krestu elesiGriki, yiwona-ke lamaGriki aseAntiyokiya etha abalandeli bakaJesu ngokuthi amaKrestu. Izenzo 11:26.

AmaSabiya yisizwe saseEthopiya naseYaman, sake sabizwa ngokuthi yiShiba; sake sabuswa nguSolomon umPrefethi kanye neNkosazana yaseShiba. Funda 1 Amakhosi 10:1.

(umyalo) weSabatha, kweSakusho kubona Sithi: «Yibani izinkawu nizondeke!».

كُونُوا قِرَدَةً خَٰسِـِٔينَ ﴿٦٥﴾

**66.** Ngakho-ke Sakwenza lokho kwaba yisibonakaliso esikhathini sabo, futhi nasezizukulwaneni zabo ezizayo. Kuyisixwayiso futhi kulabo abesabayo (Allah).

فَجَعَلْنَٰهَا نَكَٰلًا لِّمَا بَيْنَ يَدَيْهَا وَمَا خَلْفَهَا وَمَوْعِظَةً لِّلْمُتَّقِينَ ﴿٦٦﴾

**67.** Khumbula futhi uMose ethi esizweni sakubo: «Bheka! uAllah uyale ukuthi ninikele ngomhlabelo wethole». Bathi: «Uhlekisa ngathi na?» Wathi: «O, Allah ngihlenge ngingabi phakathi kwabantu abangazi lutho!»

وَإِذْ قَالَ مُوسَىٰ لِقَوْمِهِۦٓ إِنَّ ٱللَّهَ يَأْمُرُكُمْ أَن تَذْبَحُوا۟ بَقَرَةً ۖ قَالُوٓا۟ أَتَتَّخِذُنَا هُزُوًا ۖ قَالَ أَعُوذُ بِٱللَّهِ أَنْ أَكُونَ مِنَ ٱلْجَٰهِلِينَ ﴿٦٧﴾

**68.** Bathi: «Sicelele eNkosini yakho ukuthi Isicacisele (yinkomoni) na?» Waphendula wathi: «Ithi ngempela yinkomazi engenathole; nengencane kakhulu, ibe phakathi kwalezigaba zombili; ngakho-ke yenzani nje ngalokho niyaliwe».

قَالُوا۟ ٱدْعُ لَنَا رَبَّكَ يُبَيِّن لَّنَا مَا هِىَ ۚ قَالَ إِنَّهُۥ يَقُولُ إِنَّهَا بَقَرَةٌ لَّا فَارِضٌ وَلَا بِكْرٌ ۖ عَوَانٌۢ بَيْنَ ذَٰلِكَ ۖ فَٱفْعَلُوا۟ مَا تُؤْمَرُونَ ﴿٦٨﴾

**69.** Bathi: «Sicelele eNkosini yakho Isicacisele ukuthi ibe mbala muni na?» Wathi (uMose): «Ithi ngempela kube yinkomazi encombo, embala ogqamile encomekayo kwabayibonayo».

قَالُوا۟ ٱدْعُ لَنَا رَبَّكَ يُبَيِّن لَّنَا مَا لَوْنُهَا ۚ قَالَ إِنَّهُۥ يَقُولُ إِنَّهَا بَقَرَةٌ صَفْرَآءُ فَاقِعٌ لَّوْنُهَا تَسُرُّ ٱلنَّٰظِرِينَ ﴿٦٩﴾

**70.** Bathi: «Sincengele eNkosini yakho Isicacisele ukuthi enjani na, lokhu bheka zonke izinkomo ziyefana kithina. Isifiso sethu

قَالُوا۟ ٱدْعُ لَنَا رَبَّكَ يُبَيِّن لَّنَا مَا هِىَ إِنَّ ٱلْبَقَرَ تَشَٰبَهَ عَلَيْنَا ۖ

ngempela ukuholwa ngendlela (ecacile) uma uAllah Ethandile!»

وَإِنَّآ إِن شَآءَ ٱللَّهُ لَمُهْتَدُونَ ۝٧٠

**71.** (UMose) wathi: «Bheka, (uAllah) Uthi: ngempela kube yinkomazi engafundisiwe ukulima noma ukunisela amasimu. Ephilile engenasici». Bathi: «Manje ususilethele iqiniso!» Base beyanikela ngayo, noma babengasazimisele ngalokho.

قَالَ إِنَّهُۥ يَقُولُ إِنَّهَا بَقَرَةٌ لَّا ذَلُولٌ تُثِيرُ ٱلْأَرْضَ وَلَا تَسْقِى ٱلْحَرْثَ مُسَلَّمَةٌ لَّا شِيَةَ فِيهَا ۚ قَالُوا۟ ٱلْـَٰٔنَ جِئْتَ بِٱلْحَقِّ ۚ فَذَبَحُوهَا وَمَا كَادُوا۟ يَفْعَلُونَ ۝٧١

ISIGABA9.

**72.** Kwathi futhi senibulele umuntu, seniphikisana nodwa ngalokho, nokho uAllah Wembulela obala lokho enasenikufihla.

وَإِذْ قَتَلْتُمْ نَفْسًا فَٱدَّٰرَـْٔتُمْ فِيهَا ۖ وَٱللَّهُ مُخْرِجٌ مَّا كُنتُمْ تَكْتُمُونَ ۝٧٢

**73.** Ngakho-ke Sathi: «Mshayeni (umufi) ngesitho sayo (inkomazi, uzovuka). UAllah Ubavusa kanjalo abafileyo, futhi Unikhombisa izimpawu zaKhe ukuze nibe nokuqonda».

فَقُلْنَا ٱضْرِبُوهُ بِبَعْضِهَا ۚ كَذَٰلِكَ يُحْىِ ٱللَّهُ ٱلْمَوْتَىٰ وَيُرِيكُمْ ءَايَٰتِهِۦ لَعَلَّكُمْ تَعْقِلُونَ ۝٧٣

**74.** Nokho ngemuva kwalokho izinhliziyo zenu zalukhuni okwedwala, noma ukwedlulela ngobulikhuni: ngoba bheka, phakathi kwamadwala, kunalawo ethi imifula iqala igobhoza ibe isuka kuwo, futhi kunamanye aklayeka phakathi kuphume amanzi kuwo; kunalawo futhi azikayo ngokwesaba uAllah. Ngempela akusikona ukuthi uAllah Akakunakile enikwenzayo!

ثُمَّ قَسَتْ قُلُوبُكُم مِّنۢ بَعْدِ ذَٰلِكَ فَهِىَ كَٱلْحِجَارَةِ أَوْ أَشَدُّ قَسْوَةً ۚ وَإِنَّ مِنَ ٱلْحِجَارَةِ لَمَا يَتَفَجَّرُ مِنْهُ ٱلْأَنْهَٰرُ ۚ وَإِنَّ مِنْهَا لَمَا يَشَّقَّقُ فَيَخْرُجُ مِنْهُ ٱلْمَآءُ ۚ وَإِنَّ مِنْهَا لَمَا يَهْبِطُ مِنْ خَشْيَةِ ٱللَّهِ ۗ وَمَا ٱللَّهُ بِغَٰفِلٍ عَمَّا تَعْمَلُونَ ۝٧٤

**75.** Ninalo yini ithemba lokuthi bazonikholwa njengoba abanye phakathi kwabo balizwa Izwi likaAllah, base belona ngamabomu emveni kokuliqonda kahle futhi benolwazi na?

أَفَتَطْمَعُونَ أَن يُؤْمِنُوا لَكُمْ وَقَدْ كَانَ
فَرِيقٌ مِّنْهُمْ يَسْمَعُونَ كَلَامَ اللَّهِ ثُمَّ
يُحَرِّفُونَهُ مِن بَعْدِ مَا عَقَلُوهُ
وَهُمْ يَعْلَمُونَ ﴿٧٥﴾

**76.** Bheka! Uma bekanye nabakholwayo, bathi: «Siyakholwa (njengani), kepha uma sebebodwa ekusithekeni (abangakholwa) bathi: «Ngabe besenibatshela yini ngalokho uAllah Akwembula kinina, (futhi) hleze baqhudelane nani phambi kweNkosi yenu. Anikuqondi yini (lokho) na?»

وَإِذَا لَقُوا الَّذِينَ آمَنُوا قَالُوا آمَنَّا وَإِذَا
خَلَا بَعْضُهُمْ إِلَىٰ بَعْضٍ قَالُوا أَتُحَدِّثُونَهُم
بِمَا فَتَحَ اللَّهُ عَلَيْكُمْ لِيُحَاجُّوكُم بِهِ عِندَ
رَبِّكُمْ ۚ أَفَلَا تَعْقِلُونَ ﴿٧٦﴾

**77.** Abazi yini ukuthi uAllah Uyakwazi lokho abakufihlayo nalokho abakwembulayo na?

أَوَلَا يَعْلَمُونَ أَنَّ اللَّهَ يَعْلَمُ مَا يُسِرُّونَ
وَمَا يُعْلِنُونَ ﴿٧٧﴾

**78.** Futhi phakathi kwabo kunalabo abangafundile abangayazi iNcwadi ngaphandle kwalokho okusyizifiso[1] (zabo), futhi bona abenzi lutho ngaphandle kokungathekisa.

وَمِنْهُمْ أُمِّيُّونَ لَا يَعْلَمُونَ الْكِتَابَ
إِلَّا أَمَانِيَّ وَإِنْ هُمْ إِلَّا يَظُنُّونَ ﴿٧٨﴾

**79.** Yeka usizi kulabo abazibhalela incwadi ngezandla zabo, base bethi: «Lena ivela kuAllah», beqonde ukuzitholela inzuzo encane ngayo. Wo! Usizi kubona ngalokho izandla zabo ezikulobile, yeka futhi usizi ngalokho abakuzuza ngayo.

فَوَيْلٌ لِّلَّذِينَ يَكْتُبُونَ الْكِتَابَ بِأَيْدِيهِمْ
ثُمَّ يَقُولُونَ هَٰذَا مِنْ عِندِ اللَّهِ لِيَشْتَرُوا
بِهِ ثَمَنًا قَلِيلًا ۖ فَوَيْلٌ لَّهُم مِّمَّا كَتَبَتْ
أَيْدِيهِمْ وَوَيْلٌ لَّهُم مِّمَّا يَكْسِبُونَ ﴿٧٩﴾

[1] Noma izinhloso zabo.

**80.** Futhi bathi: «Umlilo (wesijeziso) awuzusithinta, ngaphandle kwento yezinsukwana nje ezimbalwa». Yithi (kubona): «Nithole isiqinseko kuAllah yini-njengoba Yena Engasephuli isethembiso saKhe, noma mhlawumbe nikhuluma eningakwazi ngoAllah na?»

وَقَالُوا لَن تَمَسَّنَا النَّارُ إِلَّا أَيَّامًا مَّعْدُودَةً ۚ قُلْ أَتَّخَذْتُمْ عِندَ اللَّهِ عَهْدًا فَلَن يُخْلِفَ اللَّهُ عَهْدَهُ ۖ أَمْ تَقُولُونَ عَلَى اللَّهِ مَا لَا تَعْلَمُونَ ﴿٨٠﴾

**81.** Yebo! Labo abazuza ngesono, lesosono sibakakile yibonake abayokuba yiqembu elisemlilweni (wesihogo), lapho beyohlala khona (njalo).

بَلَىٰ مَن كَسَبَ سَيِّئَةً وَأَحَاطَتْ بِهِ خَطِيئَتُهُ فَأُولَٰئِكَ أَصْحَابُ النَّارِ ۖ هُمْ فِيهَا خَالِدُونَ ﴿٨١﴾

**82.** Kepha labo abakholwayo benze nemisebenzi emihle, labo-ke bazokuba yiqembu laseJannat (Paradesi)[1], bayophila ngonaphakade kuyo.

وَالَّذِينَ آمَنُوا وَعَمِلُوا الصَّالِحَاتِ أُولَٰئِكَ أَصْحَابُ الْجَنَّةِ ۖ هُمْ فِيهَا خَالِدُونَ ﴿٨٢﴾

ISIGABA10.

**83.** Nikhumbule futhi Senza isivumelwano nabantwana bakwa Israyeli (esithi): «Ningakhonzi lutho ngaphandle kukaAllah, futhi niphathe kahle abazali benu, nezihlobo, nezintandane, kanye nabadingayo. Nikhulume kahle nabantu, futhi nigcine umthandazo, nisisele abampofu (zakat)». Khona lapho nahlehla nyova, ngaphandle kwesigejane phakathi kwenu, futhi (iningi) laqembuka.

وَإِذْ أَخَذْنَا مِيثَاقَ بَنِي إِسْرَائِيلَ لَا تَعْبُدُونَ إِلَّا اللَّهَ وَبِالْوَالِدَيْنِ إِحْسَانًا وَذِي الْقُرْبَىٰ وَالْيَتَامَىٰ وَالْمَسَاكِينِ وَقُولُوا لِلنَّاسِ حُسْنًا وَأَقِيمُوا الصَّلَاةَ وَآتُوا الزَّكَاةَ ثُمَّ تَوَلَّيْتُمْ إِلَّا قَلِيلًا مِّنكُمْ وَأَنتُم مُّعْرِضُونَ ﴿٨٣﴾

[1] I-Jannat noma iParadesi, yisivande sakweLizayo.

**84.** Futhi nikhumbule isethembiso eSasenza nani (esithi): «Ningachithi igazi phakathi kwenu, futhi ningadingisani emizini yenu: lokhu nakwemukela futhi nani ningofakazi (bakho lokhu)».

وَإِذْ أَخَذْنَا مِيثَاقَكُمْ لَا تَسْفِكُونَ
دِمَاءَكُمْ وَلَا تُخْرِجُونَ أَنفُسَكُم مِّن
دِيَارِكُمْ ثُمَّ أَقْرَرْتُمْ وَأَنتُمْ
تَشْهَدُونَ ﴿٨٤﴾

**85.** Kunalokho, yinina uqobo enibulalana nodwa, nidingisa abanye benu emizini yabo, nilekelelana nodwa ngesono, niphambana nabo ngenzondo[1]. Uma beza kinina njengabathunjwa nibakhokhele ukuba bakhululwe, njengoba ukubadingisa kwenu kwakungagunyzaiwe. Nikholwa yinxenye yomBhalo, enye aniyikholwa na? Uyini umvuzo walabo abaziphatha kanjena phakathi kwenu, akulona yini ihlazo empilweni yakulomhlaba na? NgaloloSuku lokubuka (kwabafileyo) bayothola isijeziso esibuhlungu kakhulu. Ngokuba uAllah akakukhohliwe konke enikwenzayo.

ثُمَّ أَنتُمْ هَٰؤُلَاءِ تَقْتُلُونَ أَنفُسَكُمْ
وَتُخْرِجُونَ فَرِيقًا مِّنكُم مِّن دِيَارِهِمْ
تَظَاهَرُونَ عَلَيْهِم بِالْإِثْمِ وَالْعُدْوَانِ وَإِن
يَأْتُوكُمْ أُسَارَىٰ تُفَادُوهُمْ وَهُوَ مُحَرَّمٌ
عَلَيْكُمْ إِخْرَاجُهُمْ ۚ أَفَتُؤْمِنُونَ بِبَعْضِ
الْكِتَابِ وَتَكْفُرُونَ بِبَعْضٍ ۚ فَمَا جَزَاءُ
مَن يَفْعَلُ ذَٰلِكَ مِنكُمْ إِلَّا خِزْيٌ فِي الْحَيَاةِ
الدُّنْيَا ۖ وَيَوْمَ الْقِيَامَةِ يُرَدُّونَ إِلَىٰ أَشَدِّ
الْعَذَابِ ۗ وَمَا اللَّهُ بِغَافِلٍ عَمَّا
تَعْمَلُونَ ﴿٨٥﴾

**86.** Banjalo-ke labo abafumbethe[2] impilo yakulomhlaba kunempilo yakweLizayo. Isijeziso sabo asizuncishiswa, futhi abazulekelelwa.

أُولَٰئِكَ الَّذِينَ اشْتَرَوُا الْحَيَاةَ الدُّنْيَا
بِالْآخِرَةِ ۖ فَلَا يُخَفَّفُ عَنْهُمُ الْعَذَابُ
وَلَا هُمْ يُنصَرُونَ ﴿٨٦﴾

[1] Lapha kukhulunywa ngezizwe ezimbili zamaJuda kwaBanu Quraizah, nakwaNazir ezazilwa zombili zilekelelwa abahlobo bazo bamaArab.

[2] Abathenga impilo yakulomhlaba ngempilo yakweLizayo.

ISIGABA11.

وَلَقَدْ اٰتَيْنَا مُوْسَى الْكِتٰبَ وَقَفَّيْنَا مِنْۢ
بَعْدِهٖ بِالرُّسُلِ ۖ وَاٰتَيْنَا عِيْسَى ابْنَ مَرْيَمَ
الْبَيِّنٰتِ وَاَيَّدْنٰهُ بِرُوْحِ الْقُدُسِ ؕ اَفَكُلَّمَا
جَآءَكُمْ رَسُوْلٌۢ بِمَا لَا تَهْوٰٓى اَنْفُسُكُمُ
اسْتَكْبَرْتُمْ ۚ فَفَرِيْقًا كَذَّبْتُمْ وَفَرِيْقًا
تَقْتُلُوْنَ ۝٨٧

**87.** Ngempela Samnika uMose iNcwadi, futhi Salandelisa nangezinye iziThunywa emva kwakhe, Sanika futhi uJesu indodana kaMariya izibonakaliso ezicacile, Samqinisa ngoMoya oyiNgcwele. Akwenzeki yini ukuthi uma kufika uMprofethi kinina nalokho eningakufuni niziqhayise, abanye nithi abakhohlisi, futhi abanye nibabulale na?

وَقَالُوْا قُلُوْبُنَا غُلْفٌ ؕ بَلْ لَّعَنَهُمُ اللّٰهُ
بِكُفْرِهِمْ فَقَلِيْلًا مَّا يُؤْمِنُوْنَ ۝٨٨

**88.** Bathi: «Izinhliziyo zethu zifumbethe (amazwi kaAllah; kwenele), uAllah wabaqalekisa, ngoba bengakholwa. Kuncane kabi abakholwa yikho».

وَلَمَّا جَآءَهُمْ كِتٰبٌ مِّنْ عِنْدِ اللّٰهِ
مُصَدِّقٌ لِّمَا مَعَهُمْ ۙ وَكَانُوْا مِنْ قَبْلُ
يَسْتَفْتِحُوْنَ عَلَى الَّذِيْنَ كَفَرُوْا ۚ فَلَمَّا
جَآءَهُمْ مَّا عَرَفُوْا كَفَرُوْا بِهٖ ۚ فَلَعْنَةُ اللّٰهِ
عَلَى الْكٰفِرِيْنَ ۝٨٩

**89.** Uma futhi kufika kubona uMbhalo ovela kuAllah, ukugcwalisa lowo abanawo[1], nakuba ngaphambili babefuna ukunqoba labo abangakholwa, kwathi sekufike abakwaziyo benqaba ukukholwa yikho. Ngakho-ke isiqalekiso sikaAllah siphezu kwalabo abangakholwa.

بِئْسَمَا اشْتَرَوْا بِهٖٓ اَنْفُسَهُمْ اَنْ يَّكْفُرُوْا بِمَآ

**90.** Kubi lokho abanikele[2] imiphefumulo yabo kukho, ngokuphika lokho uAllah Akwembu-

[1] I-Kur'an umbhalo oNgcwele ophelelisiwe, ozogcwalisa, futhi ozofakazela eminye imibhalo yabaProfethi basendulo.

[2] Abathengisele impihefumulo yabo kukho.

lile, benziwa umona ngalokho uAllah Akwembule ngomusa waKhe kulabo abathandileyo ezincekwini zaKhe[1] futhi-ke bazidalela ulaka phezu kolunye ulaka. Kulabo futhi abangakholwa kunesijeziso esihlazisayo.

أَنزَلَ اللَّهُ بَغْيًا أَن يُنَزِّلَ اللَّهُ مِن فَضْلِهِ عَلَىٰ مَن يَشَاءُ مِنْ عِبَادِهِ ۚ فَبَاءُو بِغَضَبٍ عَلَىٰ غَضَبٍ ۚ وَلِلْكَافِرِينَ عَذَابٌ مُّهِينٌ ﴿٩٠﴾

**91.** Ngokuba uma kuthiwa kubona: «Kholwani kulokho uAllah Akwembulile», bathi: «Sikholwa yilokho okwembulwa kithina (kuphela)» kepha bengakholwa yilokho (okuze) ngemuva kwakho, nakuba kuyiqiniso elifakazela lokho abanakho[2]. Yithi: «Nani babulalelani abaProfethi bakaAllah emandulo, uma (ngempela) ningamakholwa na?»

وَإِذَا قِيلَ لَهُمْ آمِنُوا بِمَا أَنزَلَ اللَّهُ قَالُوا نُؤْمِنُ بِمَا أُنزِلَ عَلَيْنَا وَيَكْفُرُونَ بِمَا وَرَاءَهُ وَهُوَ الْحَقُّ مُصَدِّقًا لِّمَا مَعَهُمْ ۗ قُلْ فَلِمَ تَقْتُلُونَ أَنبِيَاءَ اللَّهِ مِن قَبْلُ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿٩١﴾

**92.** Futhi uMose weza kinina nezibonakaliso ezicacile, noma kunjalo nakhonza ithole (legolide) engekho, futhi naziphatha kabi.

وَلَقَدْ جَاءَكُم مُّوسَىٰ بِالْبَيِّنَاتِ ثُمَّ اتَّخَذْتُمُ الْعِجْلَ مِن بَعْدِهِ وَأَنتُمْ ظَالِمُونَ ﴿٩٢﴾

**93.** Nikhumbule futhi Senza isivumelwano nani, futhi Senza intaba yaqonga kunani. (Sathi): «Bambelelani ngobuqotho kweSaninika kona, futhi nilalele!» (Kepha) nathi: «Sivezwa, futhi siyaleqa izwi». Ngokuba kwase kuzike ezinhliziyweni zabo uku-

وَإِذْ أَخَذْنَا مِيثَاقَكُمْ وَرَفَعْنَا فَوْقَكُمُ الطُّورَ خُذُوا مَا آتَيْنَاكُم بِقُوَّةٍ وَاسْمَعُوا ۖ قَالُوا سَمِعْنَا وَعَصَيْنَا ۗ وَأُشْرِبُوا فِي قُلُوبِهِمُ الْعِجْلَ

[1] Abathandekayo kuAllah yilabo abakholwa abaProfethi basendulo, balandele nomProfethi wokugcina uMuhammad (Ukuthula kube kuye).

[2] Uhlelo olutusekayo kuAllah uMdali, ukuthi isintu sonke simthobele. Imithetho iyefana okumele igcinwe yibo bonke abantu.

khonza ithole, ngoba babengakholwa. Yithi (kubona): «Kubi lokho enikuyalwa yinkolo yenu, uma ningamakholwa!»

بِكُفْرِهِمْ ۚ قُلْ بِئْسَمَا يَأْمُرُكُمْ بِهِۦٓ إِيمَٰنُكُمْ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿٩٣﴾

**94.** Yithi: «Uma ikhaya lokugcina kuAllah kungelenu nodwa hhayi abanye abantu, ziceleleni-ke ukufa uma niqinisile!»

قُلْ إِن كَانَتْ لَكُمُ ٱلدَّارُ ٱلْءَاخِرَةُ عِندَ ٱللَّهِ خَالِصَةً مِّن دُونِ ٱلنَّاسِ فَتَمَنَّوُا۟ ٱلْمَوْتَ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿٩٤﴾

**95.** Kepha bangeke bafune ukufa, ngenxa yemisebenzi eseyathunyelwa yizandla zabo. UAllah Uzazi kahle izoni.

وَلَن يَتَمَنَّوْهُ أَبَدًۢا بِمَا قَدَّمَتْ أَيْدِيهِمْ ۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌۢ بِٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٩٥﴾

**96.** Ngempela uzobathola phakathi kwabo bonke abantu, behalela impilo (yakulomhlaba) kakhulu, ukwedlula ngisho labo abakhonza izithixo. Emunye kubona ufisa engathi agngaphila iminyaka eyinkulungwane, futhi noma enikwa impilo ende, ayisoze yamphephisa ekujezisweni: ngoba uAllah Ubona konke abakwenzayo.

وَلَتَجِدَنَّهُمْ أَحْرَصَ ٱلنَّاسِ عَلَىٰ حَيَوٰةٍ ۛ وَمِنَ ٱلَّذِينَ أَشْرَكُوا۟ ۚ يَوَدُّ أَحَدُهُمْ لَوْ يُعَمَّرُ أَلْفَ سَنَةٍ ۖ وَمَا هُوَ بِمُزَحْزِحِهِۦ مِنَ ٱلْعَذَابِ أَن يُعَمَّرَ ۗ وَٱللَّهُ بَصِيرٌۢ بِمَا يَعْمَلُونَ ﴿٩٦﴾

ISIGABA12.

**97.** Yithi (Muhammad): «Lowo oyisitha sikaGabriyeli, ngokuba elethe ngeqiniso (isambulo) enhliziyweni yakho ngentando kaAllah, ukugcwalisa lokho (okwembulwa) ngaphambi kwakho, sibe sihola futhi silethe izindaba ezimnandi kulabo abakholwayo».

قُلْ مَن كَانَ عَدُوًّا لِّجِبْرِيلَ فَإِنَّهُۥ نَزَّلَهُۥ عَلَىٰ قَلْبِكَ بِإِذْنِ ٱللَّهِ مُصَدِّقًا لِّمَا بَيْنَ يَدَيْهِ وَهُدًى وَبُشْرَىٰ لِلْمُؤْمِنِينَ ﴿٩٧﴾

مَنْ كَانَ عَدُوًّا لِّلّٰهِ وَمَلٰٓئِكَتِهٖ وَرُسُلِهٖ
وَجِبْرِيْلَ وَمِيْكٰلَ فَاِنَّ اللّٰهَ
عَدُوٌّ لِّلْكٰفِرِيْنَ ۝٩٨

**98.** Noma ubani oyisitha sikaAllah nezingelosi, neziThunywa zaKhe, noGabriyeli noMikhayeli! Bhekake! UAllah Uyisitha kulabo abangakholwa.

وَلَقَدْ اَنْزَلْنَآ اِلَيْكَ اٰيٰتٍۢ بَيِّنٰتٍ ۚ وَمَا
يَكْفُرُ بِهَآ اِلَّا الْفٰسِقُوْنَ ۝٩٩

**99.** Empeleni Sikuthumele imibiko ecacile, futhi abekho abayiphikayo, ngaphandle kwalabo abayizoni.

اَوَكُلَّمَا عٰهَدُوْا عَهْدًا نَّبَذَهٗ فَرِيْقٌ
مِّنْهُمْ ۭ بَلْ اَكْثَرُهُمْ لَا يُؤْمِنُوْنَ ۝١٠٠

**100.** Akuthi njalo uma benza isivumelwano, elinye iqembu labo lisichithe na? Iningi labo abakholwa neze!

وَلَمَّا جَاۗءَهُمْ رَسُوْلٌ مِّنْ عِنْدِ اللّٰهِ
مُصَدِّقٌ لِّمَا مَعَهُمْ نَبَذَ فَرِيْقٌ مِّنَ
الَّذِيْنَ اُوْتُوا الْكِتٰبَ ۘ كِتٰبَ اللّٰهِ وَرَاۗءَ
ظُهُوْرِهِمْ كَاَنَّهُمْ لَا يَعْلَمُوْنَ ۝١٠١

**101.** Kwathi lapho sekufike isiThunywa sikaAllah kubona sizogcwalisa[1] lokho ababenakho, iqembu elalithole iNcwadi phakathi kwabo, layilahla iNcwadi kaAllah, layifulathela yangemuva kwemihlane yabo, kwangathi abanalwazi (ngayo).

وَاتَّبَعُوْا مَا تَتْلُوا الشَّيٰطِيْنُ عَلٰي مُلْكِ
سُلَيْمٰنَ ۚ وَمَا كَفَرَ سُلَيْمٰنُ وَلٰكِنَّ
الشَّيٰطِيْنَ كَفَرُوْا يُعَلِّمُوْنَ النَّاسَ
السِّحْرَ ۭ وَمَآ اُنْزِلَ عَلَي الْمَلَكَيْنِ بِبَابِلَ

**102.** Balandela lokho okwashiwo osathane ngenzondo yombuso kaSolomoni, ngempela uSolomoni wayengesiy umuntu ongakholwa, kepha osathane ababengakholwa, befundisa abantu imilingo[2], kanye nalokho okweh-

[1] Ngempela uJesu (ukuthula kube kuye) wayezogcwalisa okusemthethweni, bangamamukela; yena wayesebika ngomunye emuva kwakhe, waze wabika nokuthi lowo uzanalo lonke iqiniso.

[2] Imilingo ayivumelekile, amaJuda agxila kuyona ayilahla inkolo kaAllah, futhi ahlambalaza ngoSolomoni umProfethi (ukuthula kube kuye) ngendlela eyesabekayo.

lela ezingelosini uHarut noMarut eBabele, nakuba zingazange zinfundise muntu ngaphandle kokuthi: «Thina size nezivivinyo (ngezono), ningayidikili inkolo!» Kepha lokho abakufunda kulaba bobabili bakusebenzisela ukwahlukanisa indoda nomkayo. Kepha abakwazanga ukonela noyedwa ngalokho, ngaphandle kwemvume kaAllah. Ngempela bafunda okuba lahlekiselayo, futhi okungesiyo inzuzo kubona, ngempela bebazi ukuthi umthengi (wemilingo) akayikuba nasabelo (esihle) kwe-Lizayo. Mubi ngempela lowo mvuzo abanikele umphefumulo wabo ngawo, ukube bebazi!

هَارُوتَ وَمَارُوتَ ۚ وَمَا يُعَلِّمَانِ مِنْ أَحَدٍ
حَتَّىٰ يَقُولَا إِنَّمَا نَحْنُ فِتْنَةٌ فَلَا تَكْفُرْ ۖ
فَيَتَعَلَّمُونَ مِنْهُمَا مَا يُفَرِّقُونَ بِهِ بَيْنَ
الْمَرْءِ وَزَوْجِهِ ۚ وَمَا هُمْ بِضَارِّينَ بِهِ مِنْ
أَحَدٍ إِلَّا بِإِذْنِ اللَّهِ ۚ وَيَتَعَلَّمُونَ مَا
يَضُرُّهُمْ وَلَا يَنْفَعُهُمْ ۚ وَلَقَدْ عَلِمُوا
لَمَنِ اشْتَرَاهُ مَا لَهُ فِي الْآخِرَةِ مِنْ
خَلَاقٍ ۚ وَلَبِئْسَ مَا شَرَوْا بِهِ أَنْفُسَهُمْ ۚ
لَوْ كَانُوا يَعْلَمُونَ ﴿١٠٢﴾

**103.** Uma bagcina ukholo lwabo, futhi begwema nobubi, ubuyokuba ngcono ngempela umvuzo (wabo) kuAllah, ukube bebazi!

وَلَوْ أَنَّهُمْ آمَنُوا وَاتَّقَوْا لَمَثُوبَةٌ مِنْ
عِنْدِ اللَّهِ خَيْرٌ ۚ لَوْ كَانُوا يَعْلَمُونَ ﴿١٠٣﴾

ISIGABA13.

**104.** O, nina enikholwayo! Ningasho (kuMprofethi) ukuthi: «Bukela kithina»[1], kepha anokuthi: «Sibheke»,futhi nimlalele, ngokuba abangakholwa bazothola isijeziso esibuhlungu.

يَا أَيُّهَا الَّذِينَ آمَنُوا لَا تَقُولُوا رَاعِنَا
وَقُولُوا انْظُرْنَا وَاسْمَعُوا ۗ وَلِلْكَافِرِينَ
عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿١٠٤﴾

[1] Igama elithi «ra'ina» (sibheke), amaJuda ayeliguqulela kwelithi «rayna» (bukela kithina), begcona umProfethi (ukuthula kube kuye). UAllah Wabaqokela elithi «unzurna» (sibheke).

مَا يَوَدُّ الَّذِينَ كَفَرُوا مِنْ أَهْلِ الْكِتٰبِ
وَلَا الْمُشْرِكِينَ أَنْ يُنَزَّلَ عَلَيْكُمْ مِنْ
خَيْرٍ مِنْ رَبِّكُمْ ۚ وَاللّٰهُ يَخْتَصُّ
بِرَحْمَتِهِ مَنْ يَشَاءُ ۚ وَاللّٰهُ ذُو الْفَضْلِ
الْعَظِيمِ ﴿١٠٥﴾

**105.** Akusona isifiso salabo abangakholwa, kulabo bantu beNcwadi nabakhonza izithixo, ukuthi kube khona okuhle okwehlela kinina kuvela eNkosini yenu, kepha uAllah Ukhethela umusa waKhe lowo Amthandileyo, ngempela uAllah UyiNkosi yomusa ongapheliyo.

مَا نَنْسَخْ مِنْ آيَةٍ أَوْ نُنْسِهَا نَأْتِ بِخَيْرٍ مِنْهَا
أَوْ مِثْلِهَا ۗ أَلَمْ تَعْلَمْ أَنَّ اللّٰهَ عَلٰى كُلِّ شَيْءٍ
قَدِيرٌ ﴿١٠٦﴾

**106.** Ayikho imibiko[1] Yethu eSiyicimayo, noma eSenza niyikhohlwe, kepha Siletha engcono noma efana nayo. Awazi yini ukuthi uAllah Unamandla phezu kwezinto zonke na?

أَلَمْ تَعْلَمْ أَنَّ اللّٰهَ لَهُ مُلْكُ السَّمٰوٰتِ
وَالْأَرْضِ ۖ وَمَا لَكُمْ مِنْ دُونِ اللّٰهِ مِنْ
وَلِيٍّ وَلَا نَصِيرٍ ﴿١٠٧﴾

**107.** Awazi yini ukuthi ungokaAllah ngempela uMbuso emazulwini nasemhlabeni na? Futhi ngaphandle kukaAllah aninamngane, noma umlekeleli?

أَمْ تُرِيدُونَ أَنْ تَسْـَٔلُوا رَسُولَكُمْ كَمَا
سُئِلَ مُوسٰى مِنْ قَبْلُ ۗ وَمَنْ يَتَبَدَّلِ
الْكُفْرَ بِالْإِيمَانِ فَقَدْ ضَلَّ سَوَاءَ السَّبِيلِ ﴿١٠٨﴾

**108.** Kumbe ningamfaka yini imibuzo uMprofethi wenu, njengalokho uMose wayebuzwa kudala na? Ngempela lowo ophendukayo abe ongakholwa ngemuva kokuba ekholwa, ulahlekile ngempela endleleni esobala.

---

[1] UNkulunkulu Usibikela njalo ngezimpawu zaKhe, imfundiso iyodwa kaAllah kepha ikhula nesigaba sentuthuko yabantu yaze yapheleliswa kwi-Kur'an: nje ngalokho abantu sebesezingeni eliphakeme ngobuchwepheshe.

**109.** Iningi labantu beNcwadi lifisa ukuniguqulela ebuqabeni ngemuva kokuba senikholiwe, lenziwa umona nokuzicabangela lona lodwa, ngemuva kokuba iqiniso elisobala selafika kubona. Nokho thethelelani ninganaki, kuze kufike umyalo kaAllah. Ngempela uAllah Unamandla phezu kwezinto zonke.

وَدَّ كَثِيرٌ مِّنْ أَهْلِ الْكِتَٰبِ لَوْ يَرُدُّونَكُم مِّنۢ بَعْدِ إِيمَٰنِكُمْ كُفَّارًا حَسَدًا مِّنْ عِندِ أَنفُسِهِم مِّنۢ بَعْدِ مَا تَبَيَّنَ لَهُمُ الْحَقُّ ۖ فَاعْفُوا۟ وَاصْفَحُوا۟ حَتَّىٰ يَأْتِىَ اللَّهُ بِأَمْرِهِۦٓ ۗ إِنَّ اللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿١٠٩﴾

**110.** Ngempela melani umthandazo, nisisele abampofu, ngokuba noma yikuphi enikwenzayo kwandulela imiphefumula yenu, niyokufica kuAllah. Ngempela uAllah Ubona konke enikwenzayo.

وَأَقِيمُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتُوا۟ ٱلزَّكَوٰةَ ۚ وَمَا تُقَدِّمُوا۟ لِأَنفُسِكُم مِّنْ خَيْرٍ تَجِدُوهُ عِندَ اللَّهِ ۗ إِنَّ اللَّهَ بِمَا تَعْمَلُونَ بَصِيرٌ ﴿١١٠﴾

**111.** Futhi bathi: «Akekho oyongena eJannat (Paradesi)[1] ngaphandle uma engumJuda noma umKrestu». Yizifiso zabo lezo (eziyize). Yithi: «Vezani ubufakazi benu uma nineqiniso!».

وَقَالُوا۟ لَن يَدْخُلَ ٱلْجَنَّةَ إِلَّا مَن كَانَ هُودًا أَوْ نَصَٰرَىٰ ۗ تِلْكَ أَمَانِيُّهُمْ ۗ قُلْ هَاتُوا۟ بُرْهَٰنَكُمْ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿١١١﴾

**112.** Lutho! Noma ubani oziniKele ngakhokonke kuAllah, futhi enza ukulunga uyothola umvuzo wakhe eNkosini yakhe; ngempela (labo) abasezukuba naluvalo, abasezukukhathazeka.

بَلَىٰ مَنْ أَسْلَمَ وَجْهَهُۥ لِلَّهِ وَهُوَ مُحْسِنٌ فَلَهُۥٓ أَجْرُهُۥ عِندَ رَبِّهِۦ وَلَا خَوْفٌ عَلَيْهِمْ وَلَا هُمْ يَحْزَنُونَ ﴿١١٢﴾

ISIGABA14.

**113.** Nangaphezu kwalokho amaJuda athi: «AmaKrestu awa-

وَقَالَتِ ٱلْيَهُودُ لَيْسَتِ ٱلنَّصَٰرَىٰ عَلَىٰ شَىْءٍ

[1] I-Jannat yiParadesi noma insimu nendawo yasekuqaleni.

nasisekelo», kanti namaKrestu athi: «AmaJuda awanasisekelo», kepha bangabafundi beNcwadi[1], kanjalo labo abangenalwazi basho amazwi afana nalawo abawashoyo. Ngakho uAllah Uzobehlulela ngoSuku lokuvuka kwabafileyo, mayelana nalokho abaphikisana ngakho.

وَقَالَتِ النَّصٰرٰى لَيْسَتِ الْيَهُوْدُ عَلٰى شَيْءٍ ۖ وَّهُمْ يَتْلُوْنَ الْكِتٰبَ ۗ كَذٰلِكَ قَالَ الَّذِيْنَ لَا يَعْلَمُوْنَ مِثْلَ قَوْلِهِمْ ۚ فَاللّٰهُ يَحْكُمُ بَيْنَهُمْ يَوْمَ الْقِيٰمَةِ فِيْمَا كَانُوْا فِيْهِ يَخْتَلِفُوْنَ ﴿١١٣﴾

**114.** Ubani lapha oduke kakhulu kunalowo ovimba ukuthi ezindaweni zenkonzo kaAllah kudunyiswe igama lakhe[2], nonenhloso yokubenzela phansi na? Ingani labo babengafanele ukungena lapho (eMasjid)[3] ngaphandle kwalabo abanovalo. Bayohlazeka labo kulomhlaba, futhi nakweLizayo bathole isijeziso esibuhlungu.

وَمَنْ اَظْلَمُ مِمَّنْ مَّنَعَ مَسٰجِدَ اللّٰهِ اَنْ يُّذْكَرَ فِيْهَا اسْمُهٗ وَسَعٰى فِيْ خَرَابِهَا ۗ اُولٰٓئِكَ مَا كَانَ لَهُمْ اَنْ يَّدْخُلُوْهَآ اِلَّا خَآئِفِيْنَ ۗ لَهُمْ فِي الدُّنْيَا خِزْيٌ وَّلَهُمْ فِي الْاٰخِرَةِ عَذَابٌ عَظِيْمٌ ﴿١١٤﴾

**115.** Ngempela ingekaAllah impumalanga nentshonalanga, futhi noma ngabe uphendukela ngakuphi, uphambi kobuso bukaAllah khona lapho. Bheka! UAllah Undawo zonke, Wazi konke kabanzi.

وَلِلّٰهِ الْمَشْرِقُ وَالْمَغْرِبُ ۚ فَاَيْنَمَا تُوَلُّوْا فَثَمَّ وَجْهُ اللّٰهِ ۗ اِنَّ اللّٰهَ وَاسِعٌ عَلِيْمٌ ﴿١١٥﴾

[1] INcwadi yinye abayifundayo, kepha bayaphikisana. Abanye phakathi kwabo basekuphikisaneni kepha bengenalwazi.

[2] AmaArab angakholwa kuAllah, ayengathandi ukuthi abanye baMkhonze.

[3] I-Masjid yindlu yomkhuleko.

**116.** Futhi bathi: «UAllah Wazitholela (wazala)[1] indodana». Makangcweliswe Yena! Akunjalo, konke okusemazulwini nasemhlabeni kungokwaKhe: kuthobela nentando yaKhe.

وَقَالُوا اتَّخَذَ اللَّهُ وَلَدًا سُبْحَانَهُ بَل لَّهُ مَا فِي السَّمَاوَاتِ وَالْأَرْضِ كُلٌّ لَّهُ قَانِتُونَ ﴿١١٦﴾

**117.** UnguMdali wamazulu nomhlaba, futhi uma Emisa udaba oluthize Uyaye Athi: «Yenzeka!» - besekwenzeka.

بَدِيعُ السَّمَاوَاتِ وَالْأَرْضِ وَإِذَا قَضَىٰ أَمْرًا فَإِنَّمَا يَقُولُ لَهُ كُن فَيَكُونُ ﴿١١٧﴾

**118.** Futhi labo abangenalwazi bathi: «Kungani uAllah Engakhulumi kithina, noma kufike kithina izimpawu na?» Njengoba bekhuluma nje, nalabo besendulo babenenkulumo enjengalena. Izinhliziyo zabo ziyefana. Ngempela Siyenze yacaca imibiko kulabo abaqinisekile.

وَقَالَ الَّذِينَ لَا يَعْلَمُونَ لَوْلَا يُكَلِّمُنَا اللَّهُ أَوْ تَأْتِينَا آيَةٌ ۗ كَذَٰلِكَ قَالَ الَّذِينَ مِن قَبْلِهِم مِّثْلَ قَوْلِهِمْ ۘ تَشَابَهَتْ قُلُوبُهُمْ ۗ قَدْ بَيَّنَّا الْآيَاتِ لِقَوْمٍ يُوقِنُونَ ﴿١١٨﴾

**119.** (O, MproFethi) Sikuthumile ngeqiniso ukuze ubengumthwali wezindaba ezimnandi, nomxwayisi, kepha awuzubuzwa lutho ngeqembu lomlilo wesihogo.

إِنَّا أَرْسَلْنَاكَ بِالْحَقِّ بَشِيرًا وَنَذِيرًا ۖ وَلَا تُسْأَلُ عَنْ أَصْحَابِ الْجَحِيمِ ﴿١١٩﴾

**120.** AmaJuda namaKrestu awasoze athokoza ngawe, ngaphandle uma uzolandela inkolo

وَلَن تَرْضَىٰ عَنكَ الْيَهُودُ وَلَا النَّصَارَىٰ حَتَّىٰ تَتَّبِعَ مِلَّتَهُمْ ۗ قُلْ إِنَّ هُدَى اللَّهِ

[1] UAllah Akazali, kepha Uyadala kuphela. Izisho ezithi «Amadodana» kaNkulunkulu Gen. 6:4, nakuMath. 6:9 «Baba wethu»; azisetshenziswa esambulweni lesisokugcina: ngoba sezasetshenziswa ngendlela engaqondile.

yabo. Yithi: «Bheka! Ukuholwa nguAllah yikona kuholwa (kweqiniso)». Ngempela futhi uma ungase ulandele izifiso zabo ngemuva kolwazi oselufike kuwe, ungeze waba namvikeli noma umlekeleli ovela kuAllah.

قُلْ إِنَّ هُدَى اللَّهِ هُوَ الْهُدَىٰ ۗ وَلَئِنِ اتَّبَعْتَ أَهْوَاءَهُم بَعْدَ الَّذِي جَاءَكَ مِنَ الْعِلْمِ ۙ مَا لَكَ مِنَ اللَّهِ مِن وَلِيٍّ وَلَا نَصِيرٍ ﴿١٢٠﴾

**121.** Kulabo eSabathumela iNcwadi, abayifunda ngeqiniso elikuyo, laboke bakholelwa kuyo; kodwa abangakholelwa kuyo, yibona labo abalahlekelwayo[1].

الَّذِينَ آتَيْنَاهُمُ الْكِتَابَ يَتْلُونَهُ حَقَّ تِلَاوَتِهِ ۚ أُولَٰئِكَ يُؤْمِنُونَ بِهِ ۗ وَمَن يَكْفُرْ بِهِ فَأُولَٰئِكَ هُمُ الْخَاسِرُونَ ﴿١٢١﴾

ISIGABA15.

**122.** O, bantwana bakwaIsrayeli! Khumbulani umusa waMi Enganenzela wona, nkuthi Nganikhetha kuzozonke izizwe (ukudlulisa imiyalo yaMi).

يَا بَنِي إِسْرَائِيلَ اذْكُرُوا نِعْمَتِيَ الَّتِي أَنْعَمْتُ عَلَيْكُمْ وَأَنِّي فَضَّلْتُكُمْ عَلَى الْعَالَمِينَ ﴿١٢٢﴾

**123.** Futhi nesabe loloSuku lapho umphefumula ungezusiza omunye ngalutho, ngisho nesinxephezelo singena kwamukelwa kuwo, ngisho ukuncengelwa kungeze kwaba wusizo kuwona, futhi engekho onokulekelelwa.

وَاتَّقُوا يَوْمًا لَّا تَجْزِي نَفْسٌ عَن نَّفْسٍ شَيْئًا وَلَا يُقْبَلُ مِنْهَا عَدْلٌ وَلَا تَنفَعُهَا شَفَاعَةٌ وَلَا هُمْ يُنصَرُونَ ﴿١٢٣﴾

**124.** Futhi (nikhumbule) uAbraham wavivinywa yiNkosi yakhe

وَإِذِ ابْتَلَىٰ إِبْرَاهِيمَ رَبُّهُ بِكَلِمَاتٍ فَأَتَمَّهُنَّ

[1] Lelivesi likhuluma ngamaKrestu aseAbysiniya (Ethopiya), ayehamba noJafar ka-Twalib ukuya emzini waseMadina lapho bafike bamukela khona ukuholwa ngumProfethi uMuhammad ((ukuthula kube kuye).

ngemiyalo wayigcina[1]. Yathi: «Bheka Ngizokwenza ubengumholi wesintu». (uAbraham wacela) wathi: «Kanye nozalo lwami?» (INkosi) yathi: «Kepha isethembiso Sami asizufinyelela neze kulabo abonayo».

قَالَ إِنِّي جَاعِلُكَ لِلنَّاسِ إِمَامًا ۖ قَالَ وَمِن ذُرِّيَّتِي ۖ قَالَ لَا يَنَالُ عَهْدِي الظَّالِمِينَ ﴿١٢٤﴾

**125.** (Nikhumbule) futhi, Samisa Indlu (eMakkah) njengendawo yokuhlanganela isintu, nephephile; (Sathi): «Thathani isimiso sikaAbraham njengendawo yomkhuleko. Senza futhi isivumelwano noAbraham noIsmayeli, (esithi): «Indlu yaMi, bayihlanzele labo abajikeleza kuyo (ngomkhuleko), noma abahlala kuyo izinsuku (ezithile) bejule ngomkhuleko, nabakhothama bawe ngobuso (bekhuleka)».

وَإِذْ جَعَلْنَا الْبَيْتَ مَثَابَةً لِّلنَّاسِ وَأَمْنًا ۖ وَاتَّخِذُوا مِن مَّقَامِ إِبْرَاهِيمَ مُصَلًّى ۖ وَعَهِدْنَا إِلَىٰ إِبْرَاهِيمَ وَإِسْمَاعِيلَ أَن طَهِّرَا بَيْتِيَ لِلطَّائِفِينَ وَالْعَاكِفِينَ وَالرُّكَّعِ السُّجُودِ ﴿١٢٥﴾

**126.** Khumbula futhi mhla uAbraham ethandaza ethi: «O, Nkosi yaMi! Yenza lelidolobha kube eliphephile, futhi Wondle nabantu abakulo ngezithelo, labo abakholelwa kuAllah nasoSukweini lokugcina». Wathi (uAllah):

وَإِذْ قَالَ إِبْرَاهِيمُ رَبِّ اجْعَلْ هَٰذَا بَلَدًا آمِنًا وَارْزُقْ أَهْلَهُ مِنَ الثَّمَرَاتِ مَنْ آمَنَ مِنْهُم بِاللَّهِ وَالْيَوْمِ الْآخِرِ ۖ قَالَ وَمَن كَفَرَ فَأُمَتِّعُهُ قَلِيلًا ثُمَّ أَضْطَرُّهُ إِلَىٰ عَذَابِ النَّارِ ۖ وَبِئْسَ الْمَصِيرُ ﴿١٢٦﴾

[1] (a) Ukukhonza uAllah yedwa. (b) Ukuchitha izithixo. (c) Ukushumayela iqiniso ebhekene nokulifela. (d) Ukusuka kwelakubo nakubantu bakubo eholwa nguAllah. (e) Ukunikela ngendodana yakhe, nokushiya uIshmayeli nomkakhe uHajar (Hagar) ehlane laseParan (Makkah). (f) Ukwakha indlu yomkhuleko kaNkulunkulu, nokunye okuningi.

«Nalowo ongakholwa Ngizomjabulisa okwesikhashana, bese Ngimdudulela ekujezisweni ngomlilo: futhi sibi kakhulu isiphetho esinjalo!»

**127.** Khumbulani futhi uAbraham noIshmayeli bephakamisa izinsika zendlu[1] (bethi): «O, Nkosi yethu! Amukela (lomsebenzi) wethu, ngempela Wena Uzwa konke, Wazi konke!»

وَإِذْ يَرْفَعُ إِبْرَٰهِـۧمُ ٱلْقَوَاعِدَ مِنَ ٱلْبَيْتِ وَإِسْمَٰعِيلُ ۖ
رَبَّنَا تَقَبَّلْ مِنَّآ ۖ إِنَّكَ أَنتَ ٱلسَّمِيعُ ٱلْعَلِيمُ ﴿١٢٧﴾

**128.** «O, Nkosi yethu! Senze sibe ngamaMuslim (abathobelaintando yaKho), nozalo lwethu lube yisizwe esikuthobelayo, futhi Sibonise izindlela zethu zokukhonza[2], futhi Usithethelele, ngoba ngempela, nguWena wedwa onguMthetheleli, Onomusa.

رَبَّنَا وَٱجْعَلْنَا مُسْلِمَيْنِ لَكَ وَمِن ذُرِّيَّتِنَآ
أُمَّةً مُّسْلِمَةً لَّكَ ۖ وَأَرِنَا مَنَاسِكَنَا وَتُبْ
عَلَيْنَآ ۖ إِنَّكَ أَنتَ ٱلتَّوَّابُ ٱلرَّحِيمُ ﴿١٢٨﴾

**129.** «O, Nkosi yethu! Uvuse phakathi kwabo isiThunywa esizobalethela imibiko yaKho, futhi sibafundise ngemiBhalo eNgcwele,

رَبَّنَا وَٱبْعَثْ فِيهِمْ رَسُولًا مِّنْهُمْ يَتْلُوا۟
عَلَيْهِمْ ءَايَٰتِكَ وَيُعَلِّمُهُمُ ٱلْكِتَٰبَ وَٱلْحِكْمَةَ

[1] Lendlu isedolobheni laseMakkah ezweni laseArabiya, ibizwa ngokuthi yika'ba. Kusobala ukuthi uJesu ngesikhathi etshela amaJuda ukuthi azophucwa umbuso kaNkulunkulu unikezwe esinye isizwe: yiso lesisizwe esiwuzalo lukaIshmayeli esingabafowabo bamaJuda amaArab, ngokuba uAbraham wathenjiswa Gen. 26:4. AbakwaIsrayeli kuDut. 18:18-19. Waphinda uJesu wabakhumbuza kuMat. 21:42-43. UmProfethi okwagcwaliseka kuye konke lokhu nguMuhammad.

[2] Lapha uAbraham (ukuthula kube kuye) wayecela izindlela ezimsulwa zokukhonza uNkulunkulu uAllah.

nangobuhlakani, sibuye sibahla-nze[1]: ngokuba ngempela nguW-ena kuphela Onamandla, Ono-buhlakani!».

وَيُزَكِّيهِمْ ۚ إِنَّكَ أَنتَ الْعَزِيزُ الْحَكِيمُ ﴿١٢٩﴾

ISIGABA16.

**130.** Ubani ngempela olahle inkolo kaAbraham, uma kunge-siye ohlaza umphefumula wakhe na? Bheka futhi Samkhetha kulomhlaba, nakweLizayo bheka uzoba kanye nabalungileyo.

وَمَن يَرْغَبُ عَن مِّلَّةِ إِبْرَاهِيمَ إِلَّا مَن سَفِهَ نَفْسَهُ ۚ وَلَقَدِ اصْطَفَيْنَاهُ فِي الدُّنْيَا ۖ وَإِنَّهُ فِي الْآخِرَةِ لَمِنَ الصَّالِحِينَ ﴿١٣٠﴾

**131.** Bheka! INkosi (yakhe uAllah) Yathi kuye: «Zinikele!» Wathi: «Ngizinikele eNkosini edale amazwe onke jikelele».

إِذْ قَالَ لَهُ رَبُّهُ أَسْلِمْ ۖ قَالَ أَسْلَمْتُ لِرَبِّ الْعَالَمِينَ ﴿١٣١﴾

**132.** (Ngempela) futhi uAbra-ham wayala amadodana akhe kanjalo, (kanye) noJakobe (wathi): «Madodana ami! Bhekani uAllah Unikhethele inkolo (yeqiniso), ngakho-ke ningalinge nificwe ukufa ningewona amaMuslim (abazinikele kuAllah)»[2].

وَوَصَّىٰ بِهَا إِبْرَاهِيمُ بَنِيهِ وَيَعْقُوبُ ۚ يَا بَنِيَّ إِنَّ اللَّهَ اصْطَفَىٰ لَكُمُ الدِّينَ فَلَا تَمُوتُنَّ إِلَّا وَأَنتُم مُّسْلِمُونَ ﴿١٣٢﴾

**133.** Kungabe nanikhona yini lapho ukufa kumfica uJakobe na? Lapho ebuza emadodaneni akhe (ethi): «Yini enizoyikhonza emva

أَمْ كُنتُمْ شُهَدَاءَ إِذْ حَضَرَ يَعْقُوبَ الْمَوْتُ إِذْ قَالَ لِبَنِيهِ مَا تَعْبُدُونَ مِن بَعْدِي ۖ قَالُوا نَعْبُدُ إِلَٰهَكَ وَإِلَٰهَ آبَائِكَ

[1] UAbraham (ukuthula kube kuye) wayekhulekela labo abakholwayo ukuthi kuvele phakathi kwabo umProfethi ozobahlambulula. Lomkhule-ko waphendulwa ngoMuhammad ongowozalo lukaIshmayeli (ukuthula kubo kubona).

[2] AbaProfethi bonke babe ngamaMuslim okuchaza ukuzinikela kuAl-lah.

kwami na?» Athi: «Sizokhonza uNkulunkulu wakho, uNkulunkulu wobaba bakho oAbraham, noIshmayeli, noIsaka, futhi uNkulunkulu Oyedwa thina esizinikela kuYe (njengamaMuslim)».

إِبْرَٰهِـۧمَ وَإِسْمَٰعِيلَ وَإِسْحَٰقَ إِلَٰهًا وَٰحِدًا ۖ وَنَحْنُ لَهُۥ مُسْلِمُونَ ﴿١٣٣﴾

**134.** Laba abantu asebadlula kuleli. Bazomukeliswa izithelo zalokho abakusebenzela, nani ngalokho enikwenzayo! Futhi anizubuzwa ngezenzo lezo abazenza[1].

تِلْكَ أُمَّةٌ قَدْ خَلَتْ ۖ لَهَا مَا كَسَبَتْ وَلَكُمْ مَّا كَسَبْتُمْ ۖ وَلَا تُسْـَٔلُونَ عَمَّا كَانُوا۟ يَعْمَلُونَ ﴿١٣٤﴾

**135.** Bathi futhi: «Yibani amaJuda» noma nibe «amaKrestu ukuze niholwe (kahle)». Anothi: «Neze! (Sizo landela) inkolo kaAbraham owayeqotho, futhi wayengesiye umkhonzi wezithixo»[2].

وَقَالُوا۟ كُونُوا۟ هُودًا أَوْ نَصَٰرَىٰ تَهْتَدُوا۟ ۗ قُلْ بَلْ مِلَّةَ إِبْرَٰهِـۧمَ حَنِيفًا ۖ وَمَا كَانَ مِنَ ٱلْمُشْرِكِينَ ﴿١٣٥﴾

**136.** Anothi: Siyakholwa KuAllah, nakulokho esikwembu lelwe, nalokho okwembulwa kuAbraham, noIshamayeli, noIsa ka, noJakobe, nasezizweni, nalokho okwembulwa kuMose, noJesu nakwabanye abaProfethi kuvela eNkosini yabo: asibandlululi noyedwa phakathi kwabo, futhi

قُولُوٓا۟ ءَامَنَّا بِٱللَّهِ وَمَآ أُنزِلَ إِلَيْنَا وَمَآ أُنزِلَ إِلَىٰٓ إِبْرَٰهِـۧمَ وَإِسْمَٰعِيلَ وَإِسْحَٰقَ وَيَعْقُوبَ وَٱلْأَسْبَاطِ وَمَآ أُوتِىَ مُوسَىٰ وَعِيسَىٰ وَمَآ أُوتِىَ ٱلنَّبِيُّونَ مِن رَّبِّهِمْ لَا نُفَرِّقُ بَيْنَ أَحَدٍ مِّنْهُمْ وَنَحْنُ لَهُۥ مُسْلِمُونَ ﴿١٣٦﴾

[1] Akekho oyothwala isono somunye, futhi engekho oyojeziswa ngalokho angakwenzanga yena.

[2] UAbraham wakhethwa nguAllah njengoba sifundile kuvesi 130. Kuvesi 131 uthi: «Ngizinikele eNkosini edale amazwe onke jikelele» ngesiArab sithi uyiMuslim.

sizinikele kuYena (uAllah) kuphela (singama Muslim)».

فَإِنْ ءَامَنُوا۟ بِمِثْلِ مَآ ءَامَنتُم بِهِۦ فَقَدِ ٱهْتَدَوا۟ ۖ وَإِن تَوَلَّوْا۟ فَإِنَّمَا هُمْ فِى شِقَاقٍ ۖ فَسَيَكْفِيكَهُمُ ٱللَّهُ ۚ وَهُوَ ٱلسَّمِيعُ ٱلْعَلِيمُ ﴿١٣٧﴾

**137.** Uma bekholwa njengoba nina nikholwa, ngempela baholwe ngokweqiniso, kepha uma befulathela (lombiko), yibona abadala uqhekeko, futhi uAllah uzoniseka uma nibhekene nabo: ngokuba nguYena Ozwa konke, Owazi konke!

صِبْغَةَ ٱللَّهِ ۖ وَمَنْ أَحْسَنُ مِنَ ٱللَّهِ صِبْغَةً ۖ وَنَحْنُ لَهُۥ عَٰبِدُونَ ﴿١٣٨﴾

**138.** Umbhaphathiso (umbala)[1] okaAllah, kambe ubani ongabhaphathisa kangcono kunoAllah na? NguYena futhi esimkhonzayo.

قُلْ أَتُحَآجُّونَنَا فِى ٱللَّهِ وَهُوَ رَبُّنَا وَرَبُّكُمْ ۖ وَلَنَآ أَعْمَٰلُنَا وَلَكُمْ أَعْمَٰلُكُمْ ۖ وَنَحْنُ لَهُۥ مُخْلِصُونَ ﴿١٣٩﴾

**139.** Yithi (kumaJuda namaKrestu): «Ningaphikisana yini nathi[2] ngoAllah, uma kunguYena oyiNkosi yethu neNkosi yenu, kanti imisebenzi yethu iqondene nathi, kanjalo nemisebenzi yenu iqondene nani, futhi sizinikele ngobuqotho kuYena na?».

أَمْ تَقُولُونَ إِنَّ إِبْرَٰهِـۧمَ وَإِسْمَٰعِيلَ وَإِسْحَٰقَ وَيَعْقُوبَ وَٱلْأَسْبَاطَ كَانُوا۟

**140.** Noma kambe nithi uAbraham noIshmayeli, noIsaka, noJakobe, nezizwe kwakungamaJuda

[1] KumaArab angamaKrestu kwakuthi uma ebhaphathiza afake udayi echibini lamanzi azobhaphathiza ngawo. Ngemuva kombhaphathizo kwakuthiwa usuthole «umbala» omusha. UmProfethi wafika nombhaphathizo kaMoya oyiNgcwele nomlilo. Funda Mathe. 3:11.

[2] AmaJuda ayevamise ukuklolodela amaMuslim ethi: I-Klibla okuwukubhekisa amabombo ezweni elingcwele uma ukhuleka, bethi ingeyabo; futhi ingeyokuqala. AbaProfethi bonke abakwaIsrayeli; ukuba uMuhammad ubengumProfethi ngabe ephuma esizweni sethu. UAllah Wayesembula lelivesi.

noma kwakungamaKrestu na? Yithi: «Inina enazi kangcono noma uAllah na? Futhi ukhona yini omubi kakhulu kunalowo ofihle ubufakazi anabo abuthole kuAllah na? Nokho akusi kona ukuthi uAllah Aka kunakile enikwenzayo».

هُودًا أَوْ نَصَٰرَىٰ ۗ قُلْ ءَأَنتُمْ أَعْلَمُ أَمِ
ٱللَّهُ ۗ وَمَنْ أَظْلَمُ مِمَّن كَتَمَ شَهَٰدَةً
عِندَهُۥ مِنَ ٱللَّهِ ۗ وَمَا ٱللَّهُ بِغَٰفِلٍ
عَمَّا تَعْمَلُونَ ﴿١٤٠﴾

**141.** Manje labo ngabantu asebadlula kuleli; bayovuna izithelo abazisebenzela, kanye nani niyovuna kwenikusebenzile, futhi anizubuzwa ngezenzo zabo»[1].

تِلْكَ أُمَّةٌ قَدْ خَلَتْ ۖ لَهَا مَا كَسَبَتْ وَلَكُم
مَّا كَسَبْتُمْ ۖ وَلَا تُسْـَٔلُونَ عَمَّا كَانُوا
يَعْمَلُونَ ﴿١٤١﴾

ISIGABA17.

**142.** Iziwula phakathi kwabantu zizothi: «Yingani befulathele iklibla[2] (yaseJerusalem) okuyiyona ndawo abayijwayele na? Yithi: «IngekaAllah impumalanga nentshonalanga: Uholela lowo Amthandileyo endleleni eqondileyo».

سَيَقُولُ ٱلسُّفَهَآءُ مِنَ ٱلنَّاسِ مَا
وَلَّىٰهُمْ عَن قِبْلَتِهِمُ ٱلَّتِى كَانُوا۟ عَلَيْهَا ۚ قُل
لِّلَّهِ ٱلْمَشْرِقُ وَٱلْمَغْرِبُ ۚ يَهْدِى مَن يَشَآءُ
إِلَىٰ صِرَٰطٍ مُّسْتَقِيمٍ ﴿١٤٢﴾

**143.** Yingakho Sinenze nayisizwe (Ummat)[3] esiphakathi nendawo, ukuze nibe ngofakazi kubantu, futhi nesiThunywa sibe ngufakazi kinina. Futhi Sini-

وَكَذَٰلِكَ جَعَلْنَٰكُمْ أُمَّةً وَسَطًا لِّتَكُونُوا۟ شُهَدَآءَ
عَلَى ٱلنَّاسِ وَيَكُونَ ٱلرَّسُولُ عَلَيْكُمْ شَهِيدًا ۗ وَمَا
جَعَلْنَا ٱلْقِبْلَةَ ٱلَّتِى كُنتَ عَلَيْهَآ إِلَّا لِنَعْلَمَ

[1] Umbhaphathizo kuthiwa owokususa isono sokuqala sikaAdam noEva, lapha uAllah Uyasihlambulula kulokho.

[2] I-Klibla yibombo lapho siphenduka sibhekise ngakhona uma sikhuleka. Funda 2 IziKronike 6:29 naku 32, yingakho umProfethi uMuhammad (ukuthula kube kuye) engazange ayibandlulule, UAllah wayeseletha umyalo wokuyifulathela ngemva kwezingcono zamaJuda.

[3] I-Ummat yisizwe esibunjwe ngezinhlanga ezahlukene.

مَنْ يَّتَّبِعُ الرَّسُوْلَ مِمَّنْ يَّنْقَلِبُ عَلٰى عَقِبَيْهِ ؕ وَاِنْ كَانَتْ لَكَبِيْرَةً اِلَّا عَلَى الَّذِيْنَ هَدَى اللّٰهُ ؕ وَمَا كَانَ اللّٰهُ لِيُضِيْعَ اِيْمَانَكُمْ ؕ اِنَّ اللّٰهَ بِالنَّاسِ لَرَءُوْفٌ رَّحِيْمٌ ﴿١٤٣﴾

khethele iklibla (eMakkah)[1] ebeniyijwayele, ukuze Sazi lowo olandela isiThunywa nalowo ophambana naso: ngokuba ngempela (isivivinyo) besinzima ngaphandle kulabo abaholwa nguAllah. Nokho uAllah Akasoze Aluthatha njengeze ukholo lwenu, ngoba uAllah Unozwelo Nesihawu maqondana nesintu.

قَدْ نَرٰى تَقَلُّبَ وَجْهِكَ فِي السَّمَآءِ ۚ فَلَنُوَلِّيَنَّكَ قِبْلَةً تَرْضٰىهَا ۪ فَوَلِّ وَجْهَكَ شَطْرَ الْمَسْجِدِ الْحَرَامِ ؕ وَحَيْثُ مَا كُنْتُمْ فَوَلُّوْا وُجُوْهَكُمْ شَطْرَهٗ ؕ وَاِنَّ الَّذِيْنَ اُوْتُوا الْكِتٰبَ لَيَعْلَمُوْنَ اَنَّهُ الْحَقُّ مِنْ رَّبِّهِمْ ؕ وَمَا اللّٰهُ بِغَافِلٍ عَمَّا يَعْمَلُوْنَ ﴿١٤٤﴾

**144.** (O, Muhammad) Sibone uphendula ubuso bakho ububhekise ezulwini (ukuze uholwe): Ngakho-ke Sizokwenza ukuba ubhekise eklibla ezokugculisa. Manje-ke phendulela ubuso bakho eMasjid eNgcwele (eMakkah), futhi noma ngabe nikuphi, nibophendulela ubuso benu kuyo (uma nikhuleka). Futhi labo abathola iNcwadi (kuqala) bayazi ukuthi leliyiqiniso elivela eNkosini yabo: ngempela akusikona ukuthi uAllah Akakunakile abakwenzayo.

وَلَئِنْ اَتَيْتَ الَّذِيْنَ اُوْتُوا الْكِتٰبَ بِكُلِّ اٰيَةٍ مَّا تَبِعُوْا قِبْلَتَكَ ۚ وَمَآ اَنْتَ بِتَابِعٍ قِبْلَتَهُمْ ۚ وَمَا بَعْضُهُمْ بِتَابِعٍ قِبْلَةَ بَعْضٍ ؕ وَلَئِنِ اتَّبَعْتَ اَهْوَآءَهُمْ مِّنْۢ بَعْدِ مَا جَآءَكَ مِنَ الْعِلْمِ ۙ اِنَّكَ

**145.** Noma ngabe usulethe izinhlobonhlobo zezibonakaliso kulabo abathola iNcwadi (kuqala), bangeze babhekisa kuleklibla yakho. Kanjalo nawe ungabhekisi ngaseklibla yabo, kanti nabanye phakathi kwabo ababhekisi nga-

[1] Lendlu yomkhuleko eseMakkah yakhiwa nguAbraham noIshmayeli, kanti iThempeli laseJerusalema lakhiwa uSolomoni umzukulu kaAbraham (ukuthula kube kubona).

إِذًا لَّمِنَ الظَّٰلِمِينَ ﴿١٤٥﴾

seklibla yabanye[1]. Uma wena futhi ungase ulandele izifiso zabo ngemuva kokuthola ulwazi, ngempela ungaba omunye wabedukileyo.

**146.** Labo eSabanika iNcwadi bayawazi (lombiko)[2] njengoba bekwazi ukubona amadodana abo; kepha, bheka, abanye kubona bafihle iqiniso lelo abalaziyo.

ٱلَّذِينَ ءَاتَيْنَٰهُمُ ٱلْكِتَٰبَ يَعْرِفُونَهُۥ كَمَا يَعْرِفُونَ
أَبْنَآءَهُمْ ۖ وَإِنَّ فَرِيقًا مِّنْهُمْ لَيَكْتُمُونَ
ٱلْحَقَّ وَهُمْ يَعْلَمُونَ ﴿١٤٦﴾

**147.** Iqiniso livela eNkosini yakho! Ngakho-ke ungabi ongabazayo (nakancane).

ٱلْحَقُّ مِن رَّبِّكَ فَلَا تَكُونَنَّ مِنَ ٱلْمُمْتَرِينَ ﴿١٤٧﴾

ISIGABA18.

**148.** Ngoba yilowo nalowo unenjongo yalapho ephendukela khona, ngakho-ke ncintisanani ngokuhle[3]. Noma ngabe nikuphi uAllah Uyonihlanganisa ndawonye, ngoba, ngempela uAllah Unamandla phezu kwezinto zonke.

وَلِكُلٍّ وِجْهَةٌ هُوَ مُوَلِّيهَا ۖ فَٱسْتَبِقُوا۟ ٱلْخَيْرَٰتِ ۚ
أَيْنَ مَا تَكُونُوا۟ يَأْتِ بِكُمُ ٱللَّهُ جَمِيعًا ۚ
إِنَّ ٱللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿١٤٨﴾

**149.** Kanjalo, noma ngabe uqhamuka ngakuphi phendulela ubuso bakho (uthandaze) ubhekise ngaseMasjid eNgcwele (eMakkah)

وَمِنْ حَيْثُ خَرَجْتَ فَوَلِّ وَجْهَكَ شَطْرَ
ٱلْمَسْجِدِ ٱلْحَرَامِ ۖ وَإِنَّهُۥ لَلْحَقُّ مِن رَّبِّكَ ۗ

---

[1] AmaJuda abhekisa eJersalem uma ethandaza, kanti amaKrestu abhekisa noma kuphi.

[2] UAbdullah bin Salaam ngowokuqala esizweni samaJuda ukwemukela i-Islam kumProfethi (ukuthula kube kuye), mhlazane efika okukuqala emzini waseMadina. Kwamcacela ukuthi nguyena lomProfethi okwakubikezelwe ngaye ezincwadini zabo.

[3] Inkolo ihambisana kakhulu nezenzo ezinhle ezifakazela ukuholwa.

- ngokuba, bheka, yiqiniso leli elivela eNkosini yakho; futhi akusikona ukuthi uAllah Akakunakile enikwenzayo.

وَمَا اللَّهُ بِغَافِلٍ عَمَّا تَعْمَلُونَ ﴿١٤٩﴾

**150.** Uma njalo uliqhamukisa noma ngakuphi, phendulela ubuso bakho eMasjid eNgcwele; futhi noma ngabe nikuphi niphendulele ubuso benu kuyo (uma nikhuleka), ukuze abantu bangalokhu bephikisana nani, ngaphandle kwalabo abanochuku. Ngakho-ke ningabesabi, kepha nesabe Mina! ukuze Ngiphelelise umusa waMi kinina, nokuthi futhi nize nithole ukuholwa.

وَمِنْ حَيْثُ خَرَجْتَ فَوَلِّ وَجْهَكَ شَطْرَ الْمَسْجِدِ الْحَرَامِ ۖ وَحَيْثُ مَا كُنْتُمْ فَوَلُّوا وُجُوهَكُمْ شَطْرَهُ لِئَلَّا يَكُونَ لِلنَّاسِ عَلَيْكُمْ حُجَّةٌ إِلَّا الَّذِينَ ظَلَمُوا مِنْهُمْ فَلَا تَخْشَوْهُمْ وَاخْشَوْنِي وَلِأُتِمَّ نِعْمَتِي عَلَيْكُمْ وَلَعَلَّكُمْ تَهْتَدُونَ ﴿١٥٠﴾

**151.** Njengoba Sathumela iSithunywa phakathi kwenu, esinibikela imiyalo Yethu, futhi sanihlanza, sanifundisa ngoMbhalo nobuhlakani, futhi sanifundisa ngisho lokho ebeningakwazi.

كَمَا أَرْسَلْنَا فِيكُمْ رَسُولًا مِنْكُمْ يَتْلُوا عَلَيْكُمْ آيَاتِنَا وَيُزَكِّيكُمْ وَيُعَلِّمُكُمُ الْكِتَابَ وَالْحِكْمَةَ وَيُعَلِّمُكُمْ مَا لَمْ تَكُونُوا تَعْلَمُونَ ﴿١٥١﴾

**152.** Ngakho-ke Ngikhumbuleni, naMi Ngizonikhumbula nani. Ningibonge, futhi ningadikili ukukholowa yiMi.

فَاذْكُرُونِي أَذْكُرْكُمْ وَاشْكُرُوا لِي وَلَا تَكْفُرُونِ ﴿١٥٢﴾

ISIGABA19.

**153.** O, nina enikholiwyo! Celani usizo ngokubekezela nangomkhuleko: ngoba, bheka, uAllah Ukanye nalabo ababekezelayo.

يَا أَيُّهَا الَّذِينَ آمَنُوا اسْتَعِينُوا بِالصَّبْرِ وَالصَّلَاةِ ۚ إِنَّ اللَّهَ مَعَ الصَّابِرِينَ ﴿١٥٣﴾

**154.** Futhi ningasho kulabo ababulawe besendleleni kaAllah, (ukuthi): «Ngabafi». Lutho! Bayaphila noma nina ningakuboni lokho[1].

وَلَا تَقُولُوا لِمَن يُقْتَلُ فِي سَبِيلِ اللَّهِ أَمْوَاتٌ ۚ بَلْ أَحْيَاءٌ وَلَٰكِن لَّا تَشْعُرُونَ ﴿١٥٤﴾

**155.** Ngempela futhi Sizonivivinya ngezinto ezisabisayo, ngendlala, nangokulahlekelwa yingcebo nemiphefumulo kanye nezithelo (zezithukunthuku zenu), nokho dluliselani izindaba ezimnandi kwababekezelayo.

وَلَنَبْلُوَنَّكُمْ بِشَيْءٍ مِّنَ الْخَوْفِ وَالْجُوعِ وَنَقْصٍ مِّنَ الْأَمْوَالِ وَالْأَنفُسِ وَالثَّمَرَاتِ ۗ وَبَشِّرِ الصَّابِرِينَ ﴿١٥٥﴾

**156.** Labo okuthi uma bevelelwe amashwa bathi: «Ngempela singabakaAllah, futhi isiphetho ngempela ukubuyela kuYe».

الَّذِينَ إِذَا أَصَابَتْهُم مُّصِيبَةٌ قَالُوا إِنَّا لِلَّهِ وَإِنَّا إِلَيْهِ رَاجِعُونَ ﴿١٥٦﴾

**157.** Banjalo-ke okwehlela kubonai izibusiso nomusa ovela eNkosini yabo, futhi yibona abaholeleke endleleni elungileyo.

أُولَٰئِكَ عَلَيْهِمْ صَلَوَاتٌ مِّن رَّبِّهِمْ وَرَحْمَةٌ ۖ وَأُولَٰئِكَ هُمُ الْمُهْتَدُونَ ﴿١٥٧﴾

**158.** Bheka! (izintaba) iSwafa[2] neMarwah ziphakathi kwezinye zezimpawu zikaAllah, kulabo abenza iHajj kuLendlu ngesikhathi okuyiso onyakeni, noma ngezinye izikhathi zonyaka (uMrah), aku-

إِنَّ الصَّفَا وَالْمَرْوَةَ مِن شَعَائِرِ اللَّهِ ۖ فَمَنْ حَجَّ الْبَيْتَ أَوِ اعْتَمَرَ فَلَا جُنَاحَ عَلَيْهِ أَن يَطَّوَّفَ بِهِمَا ۚ وَمَن تَطَوَّعَ خَيْرًا فَإِنَّ اللَّهَ شَاكِرٌ عَلِيمٌ ﴿١٥٨﴾

---

[1] Funda isahluko (surah) 3:169-171.

[2] Kulezintaba zombili kulapho uHagar (Hajar) unina kaIshmayeli ayegijima khona efuna amanzi ukuze aphuzise umntwana, uAllah Waphemba umthombo abathi yiZam-zam. Kulendawo yilapho uAbraham amisa khona umuzi wakhe kanye nendlu kaAllah. funda kuGenesise 21:17-21.

nacala uma bejikeleza (phakathi) kwazo (ngomthandazo), ngoba, uma kukhona ozenzela okuhle kuzisukela kuyena, (akunacala), qiniseka ukuthi uAllah unguMbuleli Owaziyo.

إِنَّ الَّذِينَ يَكْتُمُونَ مَا أَنزَلْنَا مِنَ الْبَيِّنَاتِ وَالْهُدَىٰ مِن بَعْدِ مَا بَيَّنَّاهُ لِلنَّاسِ فِي الْكِتَابِ ۙ أُولَٰئِكَ يَلْعَنُهُمُ اللَّهُ وَيَلْعَنُهُمُ اللَّاعِنُونَ ﴿١٥٩﴾

**159.** Ngempela labo abafihle ubufakazi kanye nezaluleko eSesazembula, ngemuva kokuba Sesazicacisela abantu ngemiBhalo: yilabo-ke abazokwenganyelwa yisiqalekiso sikaAllah, kanye nesalabo abanamandla okuqalekisa.

إِلَّا الَّذِينَ تَابُوا وَأَصْلَحُوا وَبَيَّنُوا فَأُولَٰئِكَ أَتُوبُ عَلَيْهِمْ ۚ وَأَنَا التَّوَّابُ الرَّحِيمُ ﴿١٦٠﴾

**160.** Ngaphandle kwalabo abaphendukayo balungise, baveze obala (amaqiniso). Yibona-ke labo Engiphendukela kubona (ngentethelelo), ngokuba Mina Ngiphenduka ngomusa.

إِنَّ الَّذِينَ كَفَرُوا وَمَاتُوا وَهُمْ كُفَّارٌ أُولَٰئِكَ عَلَيْهِمْ لَعْنَةُ اللَّهِ وَالْمَلَائِكَةِ وَالنَّاسِ أَجْمَعِينَ ﴿١٦١﴾

**161.** Ngempela labo abaphika inkolo baze bafe beyiphika, phezukwabo kunesiqalekiso sikaAllah, nesezingelosi kanye nesabantu bonke.

خَالِدِينَ فِيهَا ۖ لَا يُخَفَّفُ عَنْهُمُ الْعَذَابُ وَلَا هُمْ يُنظَرُونَ ﴿١٦٢﴾

**162.** Bayophila kuso njalo; (futhi) isijeziso sabo asizuxegiswa, kanti nelinye ithuba bengezulinikezwa.

وَإِلَٰهُكُمْ إِلَٰهٌ وَاحِدٌ ۖ لَا إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ الرَّحْمَٰنُ الرَّحِيمُ ﴿١٦٣﴾

**163.** Ngempela uNkulunkulu wenu nguNkulunkulu munye vo; akuna Nkulunkulu ngaphandle kwaKhe, Unomusa, Unesihawu.

ISIGABA20.

**164.** Ngempela ekudalweni kwamazulu nomhlaba, nasekuguqulweni kobusuku nemini, emikhumbini entanta olwandle nalokho okuyinzuzo kubantu, kanye namanzi (emvula) uAllah Awehlisa esibhakabhakeni, nempilo Ayiletha ngawo emhlabeni osufile, ezilwaneni ezinhlobonhlobo ezandiswe umhlaba wonke, ekuphendukeni kwemimoya, namafu eweuthobele, phakathi kwesibhakabhaka nomhlaba: kuyizimpawu ( zobuKhosi bukaAllah) kulabo abaqondayo.

إِنَّ فِي خَلْقِ السَّمٰوٰتِ وَالْأَرْضِ وَاخْتِلَافِ
الَّيْلِ وَالنَّهَارِ وَالْفُلْكِ الَّتِي تَجْرِي فِي الْبَحْرِ
بِمَا يَنْفَعُ النَّاسَ وَمَا أَنْزَلَ اللّٰهُ مِنَ السَّمَآءِ
مِنْ مَّآءٍ فَأَحْيَا بِهِ الْأَرْضَ بَعْدَ مَوْتِهَا
وَبَثَّ فِيهَا مِنْ كُلِّ دَآبَّةٍ وَّتَصْرِيفِ
الرِّيٰحِ وَالسَّحَابِ الْمُسَخَّرِ بَيْنَ السَّمَآءِ
وَالْأَرْضِ لَاٰيٰتٍ لِّقَوْمٍ يَّعْقِلُونَ ﴿١٦٤﴾

**165.** Noma kunjalo kunabantu abakhonza izithixo esikhundleni sikaAllah, bazithanda ngalolothando okufanele bathande ngalo uAllah: kepha labo abakholwayo baphuphuma uthando ngoAllah, Ukube lezozoni bezinamehlo okubona, (ngempela) beziyobona isijeziso, nokuthi amandla onke ngakaAllah, kanye nokuthi uAllah Unesijeziso esinzima!

وَمِنَ النَّاسِ مَنْ يَّتَّخِذُ مِنْ دُونِ اللّٰهِ
أَنْدَادًا يُّحِبُّونَهُمْ كَحُبِّ اللّٰهِ وَالَّذِينَ اٰمَنُوٓا
أَشَدُّ حُبًّا لِّلّٰهِ وَلَوْ يَرَى الَّذِينَ ظَلَمُوٓا إِذْ
يَرَوْنَ الْعَذَابَ أَنَّ الْقُوَّةَ لِلّٰهِ جَمِيعًا وَّأَنَّ
اللّٰهَ شَدِيدُ الْعَذَابِ ﴿١٦٥﴾

**166.** ( Kuyothi ngaloloSuku ) labo ababelandelwa sebezihlangula kubalandeli babo, bazobona isijeziso nobuhlobo babo buyophela nya!

إِذْ تَبَرَّأَ الَّذِينَ اتُّبِعُوا مِنَ الَّذِينَ اتَّبَعُوا
وَرَأَوُا الْعَذَابَ وَتَقَطَّعَتْ بِهِمُ الْأَسْبَابُ ﴿١٦٦﴾

**167.** Futhi nalabo ababenga-

وَقَالَ الَّذِينَ اتَّبَعُوا لَوْ أَنَّ لَنَا كَرَّةً

balandeli bayothi: «Uma besinelinye ithuba bsiyozihlangula njengalokho nabo sebezihlangulile kithina!» Kanjalo uAllah Uyobakhombisa izenzo zabo, babelusizi, kodwa kungekho ndlela kubona yoku phuma emlilwemi.

فَنَتَبَرَّأَ مِنْهُمْ كَمَا تَبَرَّءُوا مِنَّا ۗ كَذَٰلِكَ
يُرِيهِمُ اللَّهُ أَعْمَالَهُمْ حَسَرَاتٍ عَلَيْهِمْ ۖ
وَمَا هُم بِخَارِجِينَ مِنَ النَّارِ ﴿١٦٧﴾

ISIGABA21.

**168.** O, sintu! Dlanini konke okusemthethweni (halal) nokuhlanzekile emhlabeni, futhi ningalandeli ezinyathelweni zikasathane: ngoba, ngempela uyisitha senu esisobala.

يَا أَيُّهَا النَّاسُ كُلُوا مِمَّا فِي الْأَرْضِ حَلَالًا
طَيِّبًا وَلَا تَتَّبِعُوا خُطُوَاتِ الشَّيْطَانِ ۚ
إِنَّهُ لَكُمْ عَدُوٌّ مُّبِينٌ ﴿١٦٨﴾

**169.** Ngokuba uniyala kuphela ngokwenza okubi nokuyihlazo, nokuthi nikhulume ngoAllah lokho eningakwazi.

إِنَّمَا يَأْمُرُكُم بِالسُّوءِ وَالْفَحْشَاءِ وَأَن
تَقُولُوا عَلَى اللَّهِ مَا لَا تَعْلَمُونَ ﴿١٦٩﴾

**170.** Kepha uma kuthiwa kubona: «Landelani lokho uAllah Akwembulile», Bathi: «Neze! Sizolandela (kuphela) emikhodweni yobaba bethu». Maye! Noma ngabe oyise babengenabo nakancane ubuhlakani nokuholwa (kweqiniso) na?

وَإِذَا قِيلَ لَهُمُ اتَّبِعُوا مَا أَنزَلَ اللَّهُ قَالُوا
بَلْ نَتَّبِعُ مَا أَلْفَيْنَا عَلَيْهِ آبَاءَنَا ۚ أَوَلَوْ كَانَ
آبَاؤُهُمْ لَا يَعْقِلُونَ شَيْئًا وَلَا يَهْتَدُونَ ﴿١٧٠﴾

**171.** Futhi-ke labo a bangakholwa bafaniswa nalabo abamemezisa okomhlambi wezimbuzi, ubhekise ezintweni ezingezwa lutho, ngaphandle (komsindo) wokumemeza kanye nezikhalo. Bayizithulu, izimungulu, bayi-

وَمَثَلُ الَّذِينَ كَفَرُوا كَمَثَلِ الَّذِي يَنْعِقُ بِمَا
لَا يَسْمَعُ إِلَّا دُعَاءً وَنِدَاءً ۖ صُمٌّ بُكْمٌ
عُمْيٌ فَهُمْ لَا يَعْقِلُونَ ﴿١٧١﴾

zimpumputhe ngalokho abanabo ubuhlakani.

**172.** O, nina enikholwayo! Dlanini konke okuhlanzekile eSinabele kona, futhi nibonge kuAllah uma kunguYena kuphela enimkhonzayo.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ كُلُوا۟ مِن طَيِّبَٰتِ مَا رَزَقْنَٰكُمْ وَٱشْكُرُوا۟ لِلَّهِ إِن كُنتُمْ إِيَّاهُ تَعْبُدُونَ ﴿١٧٢﴾

**173.** Unenqabela (ukudla) ingcuba (isilwane esife singanqunyiwe), ububende, inyama yengulube nalokho okuthe uma kunqunywa kwathethwa amanye amagama kunelikaAllah. Kepha uma kukhona ophoqwe yisimo engeqanga (umthetho) ngenhloso, lowo akanacala, ngokuba, bheka uAllah Uyathethelela, Unomusa.

إِنَّمَا حَرَّمَ عَلَيْكُمُ ٱلْمَيْتَةَ وَٱلدَّمَ وَلَحْمَ ٱلْخِنزِيرِ وَمَآ أُهِلَّ بِهِۦ لِغَيْرِ ٱللَّهِ ۖ فَمَنِ ٱضْطُرَّ غَيْرَ بَاغٍ وَلَا عَادٍ فَلَآ إِثْمَ عَلَيْهِ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١٧٣﴾

**174.** Ngempela labo abafihle izambulo zikaAllah eziseNcwadini, futhi bazuze okuthile ngalokho, labo-ke abafaki lutho ngaphandle komlilo eziswini zabo. Futhi uAllah Akazukhuluma nabo ngoSuku lokuvuka (kwabafileyo), futhi Akazubahlambulula. Ngempela bamelwe yisijeziso esibuhlungu (kakhulu).

إِنَّ ٱلَّذِينَ يَكْتُمُونَ مَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ مِنَ ٱلْكِتَٰبِ وَيَشْتَرُونَ بِهِۦ ثَمَنًا قَلِيلًا ۙ أُو۟لَٰٓئِكَ مَا يَأْكُلُونَ فِى بُطُونِهِمْ إِلَّا ٱلنَّارَ وَلَا يُكَلِّمُهُمُ ٱللَّهُ يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ وَلَا يُزَكِّيهِمْ وَلَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿١٧٤﴾

**175.** Yilabo-ke abakhethe ukuphambuka kunokuholwa (ngeqiniso), nesijeziso kunentethelelo. Nakho, bazimisele kangakanani ngokufinyelela emlilweni!

أُو۟لَٰٓئِكَ ٱلَّذِينَ ٱشْتَرَوُا۟ ٱلضَّلَٰلَةَ بِٱلْهُدَىٰ وَٱلْعَذَابَ بِٱلْمَغْفِرَةِ ۚ فَمَآ أَصْبَرَهُمْ عَلَى ٱلنَّارِ ﴿١٧٥﴾

ذٰلِكَ بِأَنَّ اللّٰهَ نَزَّلَ الْكِتٰبَ بِالْحَقِّ ؕ وَإِنَّ الَّذِيْنَ اخْتَلَفُوْا فِي الْكِتٰبِ لَفِيْ شِقَاقٍ بَعِيْدٍ ﴿١٧٦﴾

**176.** (Bazojeza) ngoba uAllah Umbule iNcwadi ngokweqiniso, kepha labo abafuna abangaphikisana nakho kuyo iNcwadi, baqembukele kude le!

ISIGABA22.

لَيْسَ الْبِرَّ أَنْ تُوَلُّوْا وُجُوْهَكُمْ قِبَلَ الْمَشْرِقِ وَالْمَغْرِبِ وَلٰكِنَّ الْبِرَّ مَنْ اٰمَنَ بِاللّٰهِ وَالْيَوْمِ الْاٰخِرِ وَالْمَلٰٓئِكَةِ وَالْكِتٰبِ وَالنَّبِيّٖنَ ۚ وَاٰتَى الْمَالَ عَلٰى حُبِّهٖ ذَوِي الْقُرْبٰى وَالْيَتٰمٰى وَالْمَسٰكِيْنَ وَابْنَ السَّبِيْلِ ۙ وَالسَّآئِلِيْنَ وَفِي الرِّقَابِ ۚ وَأَقَامَ الصَّلٰوةَ وَاٰتَى الزَّكٰوةَ ۚ وَالْمُوْفُوْنَ بِعَهْدِهِمْ إِذَا عٰهَدُوْا ۚ وَالصّٰبِرِيْنَ فِي الْبَأْسَآءِ وَالضَّرَّآءِ وَحِيْنَ الْبَأْسِ ؕ أُولٰٓئِكَ الَّذِيْنَ صَدَقُوْا ؕ وَأُولٰٓئِكَ هُمُ الْمُتَّقُوْنَ ﴿١٧٧﴾

**177.** Akusikona ukulunga ukuphendulela ubuso benu empumalanga noma entshonalanga, kepha ukulungu kuwukukholwa kuAllah nasoSukwini lokugcina, nasezingelosini, emiBhalweni, naseziThunyweni; futhi nokunikela ngengcebo ngenxa yokuMthanda (uAllah), ezihlobeni, nezintandane, abampofu, nabasohambeni, nakwabacelayo, nokukuhulula izigqila, nokumela umthandazo, nokusisela abampofu (zakat), nokugcina izivumelwano kulabo ozenze nabo, nokubekezela ebuhlungwini nasemashweni, nangezikhathi zosizi. Banjalo-ke abantu beqiniso, futhi yibona labo abaqotho.

يٰٓأَيُّهَا الَّذِيْنَ اٰمَنُوْا كُتِبَ عَلَيْكُمُ الْقِصَاصُ فِي الْقَتْلٰى ؕ اَلْحُرُّ بِالْحُرِّ وَالْعَبْدُ بِالْعَبْدِ وَالْأُنْثٰى بِالْأُنْثٰى ؕ فَمَنْ عُفِيَ لَهٗ مِنْ أَخِيْهِ شَيْءٌ فَاتِّبَاعٌ بِالْمَعْرُوْفِ وَأَدَآءٌ إِلَيْهِ بِإِحْسَانٍ ؕ ذٰلِكَ تَخْفِيْفٌ مِّنْ رَّبِّكُمْ وَرَحْمَةٌ ؕ فَمَنِ اعْتَدٰى بَعْدَ ذٰلِكَ فَلَهٗ عَذَابٌ أَلِيْمٌ ﴿١٧٨﴾

**178.** O, nina enikholwayo! Nilotshelwe umthetho wokuziphindiselela uma kunobulewe. Okhululekile ngokhululekile, uma kuyinceku ngenye inceku, uma kungowesifazane ngomunye wesifazane. Kepha uma kunesinxephezelo esifunwa ngumfowabo wobulewe, makahlawulelwe ngendlela ekahle. Lokho kuwukuxegiselwa kanye nomusa ovela

eNkosini yenu. Ngakho-ke lowo ophambukayo ngemuva kwalokhu uzothola isijeziso esibuhlungu[1].

وَلَكُمْ فِي الْقِصَاصِ حَيَاةٌ يَا أُولِي الْأَلْبَابِ لَعَلَّكُمْ تَتَّقُونَ ﴿١٧٩﴾

**179.** Ngokuba umthetho wokuphindisela (uzohlenga) impilo yenu, o, nina bantu abaqondayo, ukuze nigweme ububi[2].

كُتِبَ عَلَيْكُمْ إِذَا حَضَرَ أَحَدَكُمُ الْمَوْتُ إِنْ تَرَكَ خَيْرًا الْوَصِيَّةُ لِلْوَالِدَيْنِ وَالْأَقْرَبِينَ بِالْمَعْرُوفِ حَقًّا عَلَى الْمُتَّقِينَ ﴿١٨٠﴾

**180.** Nilotshelwe ukuthi, uma omunye wenu eficwa ukufa, eshiya ifa, (ashicilele isiqiniseko) mayelana nokwabiwa kwalo, kubazali nezihlobo, ngendlela ekahle, Lona umgomo kulabo abesaba uAllah.

فَمَنْ بَدَّلَهُ بَعْدَمَا سَمِعَهُ فَإِنَّمَا إِثْمُهُ عَلَى الَّذِينَ يُبَدِّلُونَهُ إِنَّ اللَّهَ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿١٨١﴾

**181.** Futhi lowo ozoguqula lokhu (ekubeni) esezwile, isono sizoba kuphela kulabo abaguqulayo, ngempela uAllah Uyezwa, Uyazi.

فَمَنْ خَافَ مِنْ مُوصٍ جَنَفًا أَوْ إِثْمًا فَأَصْلَحَ بَيْنَهُمْ فَلَا إِثْمَ عَلَيْهِ إِنَّ اللَّهَ غَفُورٌ رَحِيمٌ ﴿١٨٢﴾

**182.** Kepha uma omunye esaba isiphosiso noma isono ngasohlangothini lalowo owenza izinqumo encwadini yefa, bese yena elamula ngesu loxolo phakathi kwabo, akunasono kuyena, ngempela uAllah Uyathethelela, Unomusa.

---

[1] AmaArab ayevamise ukuba nezimpi, kuthi uma kufa umuntu oyedwa kuphindiselwe ngokubulawa kwabaningi. UAllah unxusa ukusindisa imiphefumulo yeningi labantu: onokubulawa umbulali, kodwa okungcono kakhulu, ukufuna isinxephezelo. Umthetho ophelele ngololudaba ungaphansi kwesihloko esithi Klisas (Qisas). Akukhulunywa ngomuntu ofe ngengozi kukhulunya ngobulewe ngenhloso.

[2] Uma umuntu azikahle ukuthi uma ebulala naye uzobulawa ngokomthetho, lokho kunciphisa izinga lokubulala ngenhloso.

ISIGABA23.

**183.** O, nina enikholwayo! Kunqunywe ukuthi nizile (ukudla) njengalokho kwanqunyelwa labo abasemandulo, ukuze Nisabe (uAllah).

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُواْ كُتِبَ عَلَيۡكُمُ ٱلصِّيَامُ كَمَا كُتِبَ عَلَى ٱلَّذِينَ مِن قَبۡلِكُمۡ لَعَلَّكُمۡ تَتَّقُونَ ١٨٣

**184.** (Zilani) ngezinsuku ezinqunyiwe, kepha kulowo ogulayo phakathi kwenu noma esohambeni, isibalo salezo zinsuku (sikhokhwe) ezinsukwini ezilandelayo. Kulabo okunzima kubona, uma benamandla bano kuzikhulula ng - okondla umuntu odingayo.
Kepha lowo owenza okuhle ngokwakhe, kuzoba ngco no kuyena; nokuthi kuzobangcono kinina ukuthi nizile uma ngabe ninolwazi.

أَيَّامٗا مَّعۡدُودَٰتٖۚ فَمَن كَانَ مِنكُم مَّرِيضًا أَوۡ عَلَىٰ سَفَرٖ فَعِدَّةٞ مِّنۡ أَيَّامٍ أُخَرَۚ وَعَلَى ٱلَّذِينَ يُطِيقُونَهُۥ فِدۡيَةٞ طَعَامُ مِسۡكِينٖۖ فَمَن تَطَوَّعَ خَيۡرٗا فَهُوَ خَيۡرٞ لَّهُۥۚ وَأَن تَصُومُواْ خَيۡرٞ لَّكُمۡ إِن كُنتُمۡ تَعۡلَمُونَ ١٨٤

**185.** Inyanga kaRamadhan[1], iyona okwembulwa ngayo iKur'an[2], ukuhola isintu, kanye nezimpawu ezicacile zezaluleko nokwahlulela (kokuhle nokubi). Ngakho-ke noma ubani okhona phakathi kwenu azile kuyoyonke

شَهۡرُ رَمَضَانَ ٱلَّذِيٓ أُنزِلَ فِيهِ ٱلۡقُرۡءَانُ هُدٗى لِّلنَّاسِ وَبَيِّنَٰتٖ مِّنَ ٱلۡهُدَىٰ وَٱلۡفُرۡقَانِۚ فَمَن شَهِدَ مِنكُمُ ٱلشَّهۡرَ فَلۡيَصُمۡهُۖ وَمَن كَانَ مَرِيضًا أَوۡ عَلَىٰ سَفَرٖ فَعِدَّةٞ مِّنۡ أَيَّامٍ أُخَرَۗ يُرِيدُ ٱللَّهُ بِكُمُ ٱلۡيُسۡرَ

[1] Inyanga kaRamadhan eyesishiyagalolunye ezinyangeni zonyaka ekhalendeni lamaMuslim.

[2] Ubusuku bomhlaka 27 kuRamadhan baziwa ngokuthi «ubusuku baMandla» (Lailat-ul-Qadr). Kwembulwa ngabo amavesi amahlanu esahluko 96 seKur'an, okuyisambulo esafika kuqala kumProfethi uMuhammad (ukuthula kube kuye). Wayezilile esemgedeni entabeni iHirah eseMakkah.

lenyanga; kepha uma omunye wenu egula, noma esohambeni, akazile isibalo esifanayo ezinsukwini ezilandelayo. UAllah Ufuna ukunixegisela, Akathandi Ukunithwalisa ubunzima; ukuze nikwazi ukumela lezosonsuku ezinqunyiwe, futhi niMdumise uAllah ngokuba Enihola, futhi nibe ababongayo (kuYe).

وَلَا يُرِيدُ بِكُمُ الْعُسْرَ وَلِتُكْمِلُوا الْعِدَّةَ وَلِتُكَبِّرُوا اللَّهَ عَلَىٰ مَا هَدَاكُمْ وَلَعَلَّكُمْ تَشْكُرُونَ ﴿١٨٥﴾

**186.** Futhi uma izinceku zaMi zibuza ngaMi-ngempela Ngiseduze (kwazo). Ngiphendula isicelo salowo ocelayo, uma ecela kiMi, ngakho-ke mabezwe izwi laMi, futhi bakholwe yiMi, ukuze bahambe ngendlela elungileyo.

وَإِذَا سَأَلَكَ عِبَادِي عَنِّي فَإِنِّي قَرِيبٌ ۖ أُجِيبُ دَعْوَةَ الدَّاعِ إِذَا دَعَانِ ۖ فَلْيَسْتَجِيبُوا لِي وَلْيُؤْمِنُوا بِي لَعَلَّهُمْ يَرْشُدُونَ ﴿١٨٦﴾

**187.** Okuvumelekile kinina, ngnobusuku (enyangeni) yokuzila, ukuhlangana namakhosikazi [1] enu: ayizingubo zenu, nani niyizingubo zawo. UAllah Uyazi ukuthi benizikhohlisa ngasese, ngakho-ke Waphendukela kinina Wanikhulula. Manje - ke seningahlangana nawo nifune lokho uAllah Animisele kona ngokomthetho[2], futhi nidle niphuze kuze kudede ubumnyama kuqale ukuntwela kokusa ngesikhathi

أُحِلَّ لَكُمْ لَيْلَةَ الصِّيَامِ الرَّفَثُ إِلَىٰ نِسَائِكُمْ ۚ هُنَّ لِبَاسٌ لَكُمْ وَأَنْتُمْ لِبَاسٌ لَهُنَّ ۗ عَلِمَ اللَّهُ أَنَّكُمْ كُنْتُمْ تَخْتَانُونَ أَنْفُسَكُمْ فَتَابَ عَلَيْكُمْ وَعَفَا عَنْكُمْ ۖ فَالْآنَ بَاشِرُوهُنَّ وَابْتَغُوا مَا كَتَبَ اللَّهُ لَكُمْ ۚ وَكُلُوا وَاشْرَبُوا حَتَّىٰ يَتَبَيَّنَ لَكُمُ الْخَيْطُ الْأَبْيَضُ مِنَ الْخَيْطِ الْأَسْوَدِ مِنَ الْفَجْرِ ۖ ثُمَّ أَتِمُّوا الصِّيَامَ إِلَى اللَّيْلِ ۚ وَلَا تُبَاشِرُوهُنَّ وَأَنْتُمْ

[1] Ukuhlangana ocansini kuvumeleke kubantu abashadile kuphela.

[2] UAllah Waxegisa lomthetho ngemuva kokuzibika kwabanye mayelana nokuzila amakhosikazi abo inyanga yonke.

somkhuleko weFajr[1]. Niqale lapho ukuzila lize liyoshona (ilanga), kepha ningahlangani namakhosikazi enu (kulezonsuku) nigogobele eMasjid nijule ngomkhuleko[2]. Lena yimigomo emiswe nguAllah, ningasondelani nawo. UAllah Uyicacise kanjalo imibiko yaKhe kubantu, ukuze bagweme ububi.

عٰكِفُوْنَ فِى الْمَسٰجِدِ ۗ تِلْكَ حُدُوْدُ اللّٰهِ
فَلَا تَقْرَبُوْهَا ۗ كَذٰلِكَ يُبَيِّنُ اللّٰهُ
اٰيٰتِهٖ لِلنَّاسِ لَعَلَّهُمْ يَتَّقُوْنَ ﴿١٨٧﴾

**188.** Ningasaphazi phakathi kwenu imphala yenu ngeze, futhi ningafumbathisi abehluleli, ngenhloso yokushwaqa ngokungafanele ifa labanye abantu ngolwazi[3].

وَلَا تَأْكُلُوْٓا اَمْوَالَكُمْ بَيْنَكُمْ بِالْبَاطِلِ
وَتُدْلُوْا بِهَآ اِلَى الْحُكَّامِ لِتَأْكُلُوْا
فَرِيْقًا مِّنْ اَمْوَالِ النَّاسِ بِالْاِثْمِ
وَاَنْتُمْ تَعْلَمُوْنَ ﴿١٨٨﴾

ISIGABA24.

**189.** Bakubuza mayelana nokuthwasa kwezinyanga ezintsha, yithi: «Leyo yimikhawulo yezikhathi zonyaka kubantu, neze-Hajj. Akusikona ukulunga ukungena imizi ngemuva[4], kodwa ukulunga ukwesaba uAllah. Ngakho-ke ngenani emizini ngemi-

يَسْـَٔلُوْنَكَ عَنِ الْاَهِلَّةِ ۗ قُلْ هِىَ
مَوَاقِيْتُ لِلنَّاسِ وَالْحَجِّ ۗ وَلَيْسَ
الْبِرُّ بِاَنْ تَاْتُوا الْبُيُوْتَ مِنْ
ظُهُوْرِهَا وَلٰكِنَّ الْبِرَّ مَنِ اتَّقٰى ۚ وَاْتُوا
الْبُيُوْتَ مِنْ اَبْوَابِهَا ۚ وَاتَّقُوا اللّٰهَ

[1] I-Fajr yintathakusa. Ukuzila kuqala ngaphambi kwembizo yomkhuleko wentathakusa.

[2] Uma umuntu egogobele endlini yomkhuleko, uhlala izinsuku eziyishumi ngaphambi kokuphela kwenyanga kaRamadhan; ejule ngomkhuleko efunda iKur'an eyiNgcwele ngezikhathi zonke. Lapho usuke ezihlukanisile nezinto zomhlaba: lesisenzo kuthiwa yi-Itikaf.

[3] Ukuzila kufundisa umuntu ukuthi akwazi ukuzithiba, sizihloniphe thina kanye nabanye, futhi siqede nomona ezinhliziyweni zethu.

[4] Ngenyanga yeHajj isizwe samaArab sasinenkolelo yokukhombisa ukulunga ngokungena imizi yawo ngemuva.

nyango efanele, futhi nesabe uAllah ukuze niphumelele».

لَعَلَّكُمْ تُفْلِحُونَ ﴿١٨٩﴾

**190.** Yilwani endleleni kaAllah, kanye nalabo abanilwisayo, kepha ningeqi izinqumo, ngempela uAllah Akabathandi abephuli bomthetho.

وَقَاتِلُوا فِي سَبِيلِ اللَّهِ الَّذِينَ يُقَاتِلُونَكُمْ وَلَا تَعْتَدُوا إِنَّ اللَّهَ لَا يُحِبُّ الْمُعْتَدِينَ ﴿١٩٠﴾

**191.** Futhi nibabhuqe lapho nibathola khona, nibakhiphe lapho banikhipha khona, ngokuba incindezelo ingaphezu kokubulala[1]. Nize ningabalwisi eMasjid eNgcwele (eMakkah), ngaphandle uma benilwisela khona lapho; kepha uma benilwisa nibabhuqe. Unjalo umvuzo walabo abansakholwayo.

وَاقْتُلُوهُمْ حَيْثُ ثَقِفْتُمُوهُمْ وَأَخْرِجُوهُم مِّنْ حَيْثُ أَخْرَجُوكُمْ وَالْفِتْنَةُ أَشَدُّ مِنَ الْقَتْلِ ۚ وَلَا تُقَاتِلُوهُمْ عِندَ الْمَسْجِدِ الْحَرَامِ حَتَّىٰ يُقَاتِلُوكُمْ فِيهِ ۖ فَإِن قَاتَلُوكُمْ فَاقْتُلُوهُمْ ۗ كَذَٰلِكَ جَزَاءُ الْكَافِرِينَ ﴿١٩١﴾

**192.** Kepha uma bepheza, uAllah Uyathethelela, Unomusa kakhulu.

فَإِنِ انتَهَوْا فَإِنَّ اللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١٩٢﴾

**193.** Ngakho-ke nilwe nabo kuze kuphele incindezelo, kusale umthetho nenkolo kaAllah. Kepha uma bepheza bungabikho ubutha, ngaphandle makuyikulabo abonayo.

وَقَاتِلُوهُمْ حَتَّىٰ لَا تَكُونَ فِتْنَةٌ وَيَكُونَ الدِّينُ لِلَّهِ ۖ فَإِنِ انتَهَوْا فَلَا عُدْوَانَ إِلَّا عَلَى الظَّالِمِينَ ﴿١٩٣﴾

**194.** Inyanga eNgcwele, ngenyanga eNgcwele akuvumelekile ngayo konke, ngisho ukuziphindi-

اَلشَّهْرُ الْحَرَامُ بِالشَّهْرِ الْحَرَامِ وَالْحُرُمَاتُ

[1] AmaMuslim ayesekudingisweni eMadina naseAbysiniya (Ethopiya) ayebuyela eMakkah ngesikhathi seHajj. Lapha yiziyalo zokuziphatha ukubhekana nabacindezeli kusukela kuvesi 190-195.

selela[1]. Ngakho-ke uma kukhona oweqa umthetho onivimbele, nani wephuleni ngokufanayo nibhekane naye, kepha nesabe uAllah, futhi nazi ukuthi uAllah Ukanye nalabo abemesabayo.

قِصَاصٌ ۚ فَمَنِ اعْتَدٰى عَلَيْكُمْ فَاعْتَدُوْا
عَلَيْهِ بِمِثْلِ مَا اعْتَدٰى عَلَيْكُمْ ۪ وَاتَّقُوا
اللّٰهَ وَاعْلَمُوْٓا اَنَّ اللّٰهَ مَعَ الْمُتَّقِيْنَ ﴿١٩٤﴾

**195.** Nikelani ngeninakho endleleni kaAllah, futhi (niqaphele) ningazinikeli ekubhujisweni ngenxa yemisebenzi yezandla zenu: kepha nenze okuhle: ngempela uAllah Uthanda labo abenza okuhle.

وَاَنْفِقُوْا فِيْ سَبِيْلِ اللّٰهِ وَلَا تُلْقُوْا
بِاَيْدِيْكُمْ اِلَى التَّهْلُكَةِ ۛ وَاَحْسِنُوْا ۛ اِنَّ
اللّٰهَ يُحِبُّ الْمُحْسِنِيْنَ ﴿١٩٥﴾

**196.** Futhi nifeze iHajj kanye neUmrah eqondene noAllah; kepha uma nivimbezeleka (ukuyiqedela), nithumele iminikelo yemihlabelo noma iyiphi eningayithola. Kepha ningaphuci amakhanda enu umnikelo uze ufinyelele endaweni okuhlatshelwa kuyo. Uma kukhona phakathi kwenu ogulayo, noma enezilonda ekhanda (ezimbangela ukuthi aliphuce), ahlawule ngokuzila, noma ngokondla umuntu ompofu, noma anikele ngomhlabelo. Uma futhi

وَاَتِمُّوا الْحَجَّ وَالْعُمْرَةَ لِلّٰهِ ۭ فَاِنْ
اُحْصِرْتُمْ فَمَا اسْتَيْسَرَ مِنَ الْهَدْيِ ۚ وَلَا
تَحْلِقُوْا رُءُوْسَكُمْ حَتّٰى يَبْلُغَ الْهَدْيُ مَحِلَّهٗ ۭ
فَمَنْ كَانَ مِنْكُمْ مَّرِيْضًا اَوْ بِهٖٓ اَذًى مِّنْ
رَّاْسِهٖ فَفِدْيَةٌ مِّنْ صِيَامٍ اَوْ صَدَقَةٍ
اَوْ نُسُكٍ ۚ فَاِذَآ اَمِنْتُمْ ۪ فَمَنْ تَمَتَّعَ بِالْعُمْرَةِ
اِلَى الْحَجِّ فَمَا اسْتَيْسَرَ مِنَ الْهَدْيِ ۚ فَمَنْ
لَّمْ يَجِدْ فَصِيَامُ ثَلٰثَةِ اَيَّامٍ فِي الْحَجِّ وَسَبْعَةٍ
اِذَا رَجَعْتُمْ ۭ تِلْكَ عَشَرَةٌ كَامِلَةٌ ۭ ذٰلِكَ لِمَنْ
لَّمْ يَكُنْ اَهْلُهٗ حَاضِرِي الْمَسْجِدِ الْحَرَامِ ۭ

[1] Noma amaArab ayengasamkhonzi uAllah, kepha ayezithoba engalwi ezinyangeni eziNgcwele lezi: Zil-Qadah, Zil-Jajj, Muharram neRajab.

I Hajj yona umcimbi owenziwa ngabantu bezindawo nobuzwe obahlukene, ngomoya woxolo badumisa uMdali bevakashele izwe eliNgcwele laseMakkah.

Umcimbi weHajj wenziwa ngenyanga yawo, i-Umrah yona wuvakasho olucishe lufane nolweHajj; alunayo imininingwane efana ncamashi neyeHajj, futhi yenziwa noma yingasiphi isikhathi sonyaka.

nisesimeni esikahle, kulowo ofisa ukuqhubeka neUmrah kanye ne-Hajj, kumele anikele ngalokho okulingene namandla akhe; kepha uma ehluleka, kumele azile izinsuku ezintathu ngesikhathi seHajj, kanye nezinsuku eziyisikhombisa ekubuyeni kwakhe: kube yizinsuku eziyishumi sezizonke. Lokhu kubhekiswe kulowo umuzi wakhe okude neMasjid eNgcwele. Nesabe uAllah, futhi nazi ukuthi uAllah Ujezisa kanzima.

وَاتَّقُوا اللَّهَ وَاعْلَمُوا أَنَّ اللَّهَ شَدِيدُ الْعِقَابِ ﴿١٩٦﴾

ISIGABA25.

**197.** IHajj ingezinyanga ezaziwa kahle. Kulowo osezimisele ngeHajj kulezo (zinyanga) kungabikho ukuhlambalaza lapho, nokwenza okubi, nengxabano ngesikhathi seHajj. Futhi noma yikuphi okuhle enikwenzayo uAllah Uyakwazi. Ngakho-ke niphathe umphako wendlela, kepha umphako ongcono kakhulu ukugwema ububi. Ngempela nesabe Mina, o, nina enihlakaniphileyo!

الْحَجُّ أَشْهُرٌ مَّعْلُومَاتٌ ۚ فَمَن فَرَضَ فِيهِنَّ الْحَجَّ فَلَا رَفَثَ وَلَا فُسُوقَ وَلَا جِدَالَ فِي الْحَجِّ ۗ وَمَا تَفْعَلُوا مِنْ خَيْرٍ يَعْلَمْهُ اللَّهُ ۗ وَتَزَوَّدُوا فَإِنَّ خَيْرَ الزَّادِ التَّقْوَىٰ ۚ وَاتَّقُونِ يَا أُولِي الْأَلْبَابِ ﴿١٩٧﴾

**198.** Akusilona icala uma nizifunela izipho ezivela eNkosini yenu (ngesikhathi seHajj)[1]. Futhi uma senehla entabeni iArafat

لَيْسَ عَلَيْكُمْ جُنَاحٌ أَن تَبْتَغُوا فَضْلًا مِّن رَّبِّكُمْ ۚ فَإِذَا أَفَضْتُم مِّنْ عَرَفَاتٍ فَاذْكُرُوا اللَّهَ عِندَ

[1] Ngemuva komcimbi weHajj ungazingela kepha hhayi ngesikhathi somcimbi akuvumelekile ukubulala izilwane noma ukukha nokuphula izinto ezimilile.

nihaye indumiso KaAllah, ngasendaweni yesikhumbuzo esiNgcwele, nihaye futhi indumiso yaKhe njengoba Eseniyalile, noma esikhathini esiphambili ngempela beningabadukileyo.

الْمَشْعَرِ الْحَرَامِ ۖ وَاذْكُرُوهُ كَمَا هَدَاكُمْ ۚ وَإِن كُنتُم مِّن قَبْلِهِ لَمِنَ الضَّالِّينَ ﴿١٩٨﴾

**199.** Base nidlulela phambili ngokushesha lapho iningi labantu liza ngokushesha, futhi nicele intethelelo kuAllah. Ngempela uAllah Uyathethelela, Unomusa.

ثُمَّ أَفِيضُوا مِنْ حَيْثُ أَفَاضَ النَّاسُ وَاسْتَغْفِرُوا اللَّهَ ۚ إِنَّ اللَّهَ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١٩٩﴾

**200.** Uma futhi seniwufezile umsebenzi eniwumiselwe wokuzinikela, nihube izibongo zika-Allah njengalokho nanyie nihaye izibongo zoyihlo[1], noma zithi ukwedlulela ngogqozi! Ngokuba kunabantu abathi: «O, Nkosi yethu! Siphe (izipho) kulomhlaba», kepha abazukuba nalutho kweLizayo.

فَإِذَا قَضَيْتُم مَّنَاسِكَكُمْ فَاذْكُرُوا اللَّهَ كَذِكْرِكُمْ آبَاءَكُمْ أَوْ أَشَدَّ ذِكْرًا ۗ فَمِنَ النَّاسِ مَن يَقُولُ رَبَّنَا آتِنَا فِي الدُّنْيَا وَمَا لَهُ فِي الْآخِرَةِ مِنْ خَلَاقٍ ﴿٢٠٠﴾

**201.** Kunabantu futhi abathi: «Nkosi yethu! Siphe okuhle kulomhlaba, nokuhle kweLizayo, futhi Usihlenge ekujezisweni ngomlilo»[2].

وَمِنْهُم مَّن يَقُولُ رَبَّنَا آتِنَا فِي الدُّنْيَا حَسَنَةً وَفِي الْآخِرَةِ حَسَنَةً وَقِنَا عَذَابَ النَّارِ ﴿٢٠١﴾

**202.** Labo-ke abamelwe (okuhle)

أُولَٰئِكَ لَهُمْ نَصِيبٌ مِّمَّا كَسَبُوا ۚ

[1] AmaArab ayenomkhuba wokuthetha izibongo zoyise. UsoMandla uAllah Uyala ukuthi uYena kuphela okumele sihaye izibongo zaKhe.

[2] Njengoba sicela okuhle emhlabeni futhi sikusebenzela, nalokho kwasezweni eLizayo siyakucela futhi kumele sikusebenzele. Ufakazi uvesi 202.

abakusebenzele. Futhi uAllah Uyashesha ukwahlulela.

وَاللَّهُ سَرِيعُ الْحِسَابِ ﴿٢٠٢﴾

**203.** (Ngempela) nidumise uAllah kulezo zinsuku ezinqunyiwe, kepha kulowo ojahe ukuhamba ngemuva kwezinsuku ezimbili, akuzuba nacala kuyena, futhi ozosala akuzuba nacala kuyena, uma egwema ububi. Ngakho-ke nesabe uAllah, futhi nazi ukuthi niyoqoqelwa kuYe nonke.

وَاذْكُرُوا اللَّهَ فِي أَيَّامٍ مَّعْدُودَاتٍ ۚ فَمَن تَعَجَّلَ فِي يَوْمَيْنِ فَلَا إِثْمَ عَلَيْهِ ۚ وَمَن تَأَخَّرَ فَلَا إِثْمَ عَلَيْهِ ۚ لِمَنِ اتَّقَىٰ ۗ وَاتَّقُوا اللَّهَ وَاعْلَمُوا أَنَّكُمْ إِلَيْهِ تُحْشَرُونَ ﴿٢٠٣﴾

**204.** Manje phakathi kwabantu kunegagu okuthi uma likhuluma ngempilo yakulomhlaba unokugculiseka ngayo, futhi lithi uAllah ungufakazi ngalokho okusenhliziyweni yalo, kanti liyisitha esilukhuni kabi.

وَمِنَ النَّاسِ مَن يُعْجِبُكَ قَوْلُهُ فِي الْحَيَاةِ الدُّنْيَا وَيُشْهِدُ اللَّهَ عَلَىٰ مَا فِي قَلْبِهِ وَهُوَ أَلَدُّ الْخِصَامِ ﴿٢٠٤﴾

**205.** Kepha uma selifulathela injongo yalo kuwukwandisa ukukhohlakala emhlabeni, nokubhubhisa isivuno kanye nemfuyo: futhi (ngempela) uAllah Akayithandi ukumosma.

وَإِذَا تَوَلَّىٰ سَعَىٰ فِي الْأَرْضِ لِيُفْسِدَ فِيهَا وَيُهْلِكَ الْحَرْثَ وَالنَّسْلَ ۗ وَاللَّهُ لَا يُحِبُّ الْفَسَادَ ﴿٢٠٥﴾

**206.** Uma futhi kuthiwa kuyena: «Yesaba uAllah». Ukuziqhayisa kwakhe kumholela esonweni: ngakho-ke uyozuza isihogo-indawo ngempela yokugcina yobubi.

وَإِذَا قِيلَ لَهُ اتَّقِ اللَّهَ أَخَذَتْهُ الْعِزَّةُ بِالْإِثْمِ ۚ فَحَسْبُهُ جَهَنَّمُ ۚ وَلَبِئْسَ الْمِهَادُ ﴿٢٠٦﴾

**207.** Futhi phakathi kwabantu kunalowo onikela ngempilo yakhe

وَمِنَ النَّاسِ مَن يَشْرِي نَفْسَهُ

ukuze azuze injabulo kuAllah: futhi uAllah Unozwelo ezincekwini zaKhe.

ابْتِغَآءَ مَرْضَاتِ اللّٰهِ ؕ وَ اللّٰهُ رَءُوْفٌۢ بِالْعِبَادِ ﴿٢٠٧﴾

**208.** O, nina enikholwayo! Ngenani kubuIslam (ukuthobela uAllah) ngokuphelele, futhi ningalandeli ezinyathelweni zikasathane, ngoba, ngempela, uyisitha senu esisobala.

يٰۤاَيُّهَا الَّذِيْنَ اٰمَنُوا ادْخُلُوْا فِي السِّلْمِ كَآفَّةً ۪ وَ لَا تَتَّبِعُوْا خُطُوٰتِ الشَّيْطٰنِ ؕ اِنَّهٗ لَكُمْ عَدُوٌّ مُّبِيْنٌ ﴿٢٠٨﴾

**209.** Kepha uma nihlehla ngemuva kokufika kombiko ocacile kinina, nazi-ke ukuthi uAllah Unamandla, Unobuhlakani.

فَاِنْ زَلَلْتُمْ مِّنْۢ بَعْدِ مَا جَآءَتْكُمُ الْبَيِّنٰتُ فَاعْلَمُوْۤا اَنَّ اللّٰهَ عَزِيْزٌ حَكِيْمٌ ﴿٢٠٩﴾

**210.** Bazolinda yini kuze kufike uAllah ngesithunzi samafu kubona, Ekanye nezingelosi, futhi nodaba lwabo selunqunyiwe na? Izindaba kanye nezinqumo zonke ziyobuyela kuAllah[1].

هَلْ يَنْظُرُوْنَ اِلَّاۤ اَنْ يَّاْتِيَهُمُ اللّٰهُ فِيْ ظُلَلٍ مِّنَ الْغَمَامِ وَ الْمَلٰٓئِكَةُ وَ قُضِيَ الْاَمْرُ ؕ وَ اِلَى اللّٰهِ تُرْجَعُ الْاُمُوْرُ ﴿٢١٠﴾

ISIGABA26.

**211.** Buza kubantwana bakwaIsrayeli ukuthi zingaki izibonakaliso ezicacile eSabathumela zona! Lowo futhi oguqula okunye ngemuva kokufika komusa kaAllah kuyena, ngempela uAllah Ujezisa kanzima.

سَلْ بَنِيْۤ اِسْرَآءِيْلَ كَمْ اٰتَيْنٰهُمْ مِّنْ اٰيَةٍۭ بَيِّنَةٍ ؕ وَ مَنْ يُّبَدِّلْ نِعْمَةَ اللّٰهِ مِنْۢ بَعْدِ مَا جَآءَتْهُ فَاِنَّ اللّٰهَ شَدِيْدُ الْعِقَابِ ﴿٢١١﴾

[1] Kulowo osewuzwile umbiko kaAllah akafanele ukubeka izaba mayelana nokungahambisani namaqiniso, hleze aficwe ukufa; angabe esathola ithuba lokuphenduka.

**212.** Impilo yakulomhlaba iyabaheha labo abangakholwa; futhi benza inhlekisa ngalabo abakholwayo: kepha abalungileyo bayakuba ngaphezu kwabo (ngesigaba) ngoSuku lokuvuka kwabafileyo. Ngempela uAllah Wabela labo Abathandayo ngaphandle kwesilinganiso.

زُيِّنَ لِلَّذِينَ كَفَرُوا الْحَيٰوةُ الدُّنْيَا
وَيَسْخَرُونَ مِنَ الَّذِينَ اٰمَنُوا وَالَّذِينَ اتَّقَوْا
فَوْقَهُمْ يَوْمَ الْقِيٰمَةِ ۗ وَاللّٰهُ يَرْزُقُ مَنْ
يَّشَآءُ بِغَيْرِ حِسَابٍ ﴿٢١٢﴾

**213.** Isintu besiwumgwamanda owodwa[1]; uAllah Wayeseletha iziThunywa nezindaba ezimnandi nezexwayiso, futhi Wembula kuzo iNcwadi ngeqiniso, ukuze yahlulele phakathi kwabantu ngalokho abahluke ngakho. Kwathi labo abayinikwa bona baphikisana bodwa mayelana nayo, ngemuva kwezibonakaliso ezicacile sezifikile kubona, ingenxa yenzondo phakathi kwabo. Kepha uAllah ngemvume yaKhe Wabaholela eqinisweni labo abakholwayo, elimayelana nalokho ababephikisana ngakho. Ngokuba uAllah Uholela Amthandileyo endleleni eqondile.

كَانَ النَّاسُ أُمَّةً وَّاحِدَةً ۟ فَبَعَثَ اللّٰهُ
النَّبِيّٖنَ مُبَشِّرِيْنَ وَمُنْذِرِيْنَ ۪ وَاَنْزَلَ
مَعَهُمُ الْكِتٰبَ بِالْحَقِّ لِيَحْكُمَ بَيْنَ
النَّاسِ فِيْمَا اخْتَلَفُوْا فِيْهِ ۭ وَمَا اخْتَلَفَ
فِيْهِ اِلَّا الَّذِيْنَ اُوْتُوْهُ مِنْۢ بَعْدِ مَا
جَاۗءَتْهُمُ الْبَيِّنٰتُ بَغْيًۢا بَيْنَهُمْ ۚ فَهَدَى
اللّٰهُ الَّذِيْنَ اٰمَنُوْا لِمَا اخْتَلَفُوْا فِيْهِ مِنَ
الْحَقِّ بِاِذْنِهٖ ۭ وَاللّٰهُ يَهْدِيْ مَنْ يَّشَاۗءُ
اِلٰى صِرَاطٍ مُّسْتَقِيْمٍ ﴿٢١٣﴾

**214.** (Kepha) ingabe nicabanga ukuthi niyongena eJannat (Paradesi) ningazange nihlangabezane

اَمْ حَسِبْتُمْ اَنْ تَدْخُلُوا الْجَنَّةَ وَلَمَّا
يَاْتِكُمْ مَّثَلُ الَّذِيْنَ خَلَوْا مِنْ

[1] Funda incazelo 55. Noma abantu behlukile ngenswebu, ngebala, noma ngezinwele: isiko linye ukuzithoba kuNkulunkulu. Kwakunjalo emandulo abantu babenokuzithoba ngolimi lesiArab sithi amaMuslim.

nalokho okwake kwehlela labo (ababekholwa) abanandulelayo na? Behlelwa okubuhlungu kanye namashwa, futhi bashukuma (emoyeni), kwaze kwathi uMprofethi kanye nalabo abakholwayo ababe naye bathi: «Luzanini usizo lukaAllah na?» Awu! Impela usizo lukaAllah luseduze!

قَبْلِكُمْ ۖ مَسَّتْهُمُ الْبَأْسَاءُ وَالضَّرَّاءُ
وَزُلْزِلُوا حَتَّىٰ يَقُولَ الرَّسُولُ
وَالَّذِينَ آمَنُوا مَعَهُ مَتَىٰ نَصْرُ اللَّهِ ۗ
أَلَا إِنَّ نَصْرَ اللَّهِ قَرِيبٌ ﴿٢١٤﴾

**215.** Bakubuza ngokufanele banikele[1] ngakho. Yithi: «Noma yikuphi okuhle eninganikela, ngakho, kubazali, nasezihlobeni, izintandane, nabasweleyo, kanye nabasohambeni; futhi noma yikuphi okuhle enikwenzayo, impela uAllah Uyakwazi».

يَسْأَلُونَكَ مَاذَا يُنفِقُونَ ۖ قُلْ مَا
أَنفَقْتُم مِّنْ خَيْرٍ فَلِلْوَالِدَيْنِ وَالْأَقْرَبِينَ
وَالْيَتَامَىٰ وَالْمَسَاكِينِ وَابْنِ السَّبِيلِ ۗ وَمَا
تَفْعَلُوا مِنْ خَيْرٍ فَإِنَّ اللَّهَ بِهِ عَلِيمٌ ﴿٢١٥﴾

**216.** Ukulwa nikumiselwe (ngokomthetho), kodwa niyakuzonda, futhi kunokwenzeka ukuthi nizonda into enokuba yinhle kinina, besenithanda into engeyinhle kinina. Kodwa uAllah Unolwazi nina anazi[2].

كُتِبَ عَلَيْكُمُ الْقِتَالُ وَهُوَ كُرْهٌ لَّكُمْ ۖ وَعَسَىٰ
أَن تَكْرَهُوا شَيْئًا وَهُوَ خَيْرٌ لَّكُمْ ۖ وَعَسَىٰ أَن
تُحِبُّوا شَيْئًا وَهُوَ شَرٌّ لَّكُمْ ۗ وَاللَّهُ يَعْلَمُ
وَأَنتُمْ لَا تَعْلَمُونَ ﴿٢١٦﴾

ISIGABA27.

**217.** Bakubuza mayelana nokulwa ngenyanga eNgcwele. Yithi: «Ukulwa ngayo (kuyiphutha) elikhulu; kodwa ukwala ngamalungelo endleleni kaAllah,

يَسْأَلُونَكَ عَنِ الشَّهْرِ الْحَرَامِ قِتَالٍ فِيهِ ۖ
قُلْ قِتَالٌ فِيهِ كَبِيرٌ ۖ وَصَدٌّ عَن سَبِيلِ اللَّهِ
وَكُفْرٌ بِهِ وَالْمَسْجِدِ الْحَرَامِ وَإِخْرَاجُ

[1] Incazelo yomProfethi ithi uAllah wathi: «O, ndodana yomuntu, sebenzisa onakho, naMi futhi ngizochithekelwa enginakho kuwe».

[2] Funda nakulamavesi 153-157.

nokuMphika, nokwala ngamalungelo eMasjid eNgcwele, nokuxosha amalunga ayo kuyo, (kubi) kakhulu kuAkkah, ngokuba incindezelo ingaphezu kokubulala». Futhi abasoze bapheza ukunilwisa ukuze banenze amambuka enkolweni yenu, uma kungenzeka. Kodwa kulabo phakathi kwenu abaqembuka enkolweni yabo, baze baficwe ukufa bephika ukholo, imisebenzi yabo ayizukuphumelela kulomhlaba kanjalo nakewLizayo; labo-ke bazokuba yiqembu lomlilo (wesihogo), bazophila kuwo ngonaphakade.

أَهْلِهِۦ مِنْهُ أَكْبَرُ عِندَ ٱللَّهِ ۚ وَٱلْفِتْنَةُ أَكْبَرُ
مِنَ ٱلْقَتْلِ ۗ وَلَا يَزَالُونَ يُقَٰتِلُونَكُمْ
حَتَّىٰ يَرُدُّوكُمْ عَن دِينِكُمْ إِنِ ٱسْتَطَٰعُوا۟ ۚ
وَمَن يَرْتَدِدْ مِنكُمْ عَن دِينِهِۦ فَيَمُتْ
وَهُوَ كَافِرٌ فَأُو۟لَٰٓئِكَ حَبِطَتْ أَعْمَٰلُهُمْ
فِى ٱلدُّنْيَا وَٱلْءَاخِرَةِ ۖ وَأُو۟لَٰٓئِكَ أَصْحَٰبُ
ٱلنَّارِ ۖ هُمْ فِيهَا خَٰلِدُونَ ﴿٢١٧﴾

**218.** Impela labo abakholwayo, kanye nalabo abadingiswa, futhi belwa (bezabalaza) besendleleni kaAllah, yibona labo abanethemba lomusa kaAllah: ngokuba uAllah Uyathethelela Unomusa[1].

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَٱلَّذِينَ هَاجَرُوا۟
وَجَٰهَدُوا۟ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ ۙ أُو۟لَٰٓئِكَ يَرْجُونَ
رَحْمَتَ ٱللَّهِ ۚ وَٱللَّهُ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٢١٨﴾

**219.** Bakubuza mayelana nezidakamizwa (notshwala) kanye nokubhejelana. Yithi: «Kunesono esikhulu kokubili kanye nenzuzo kubantu; kepha isono sikhulu ngaphezu kwenzuzo». Futhi bakubuza mayelana nomnikelo[2]. Yithi: «Lokho (okuhle) okuseleyo

يَسْـَٔلُونَكَ عَنِ ٱلْخَمْرِ وَٱلْمَيْسِرِ ۖ قُلْ
فِيهِمَآ إِثْمٌ كَبِيرٌ وَمَنَٰفِعُ لِلنَّاسِ ۖ
وَإِثْمُهُمَآ أَكْبَرُ مِن نَّفْعِهِمَا ۗ وَيَسْـَٔلُونَكَ
مَاذَا يُنفِقُونَ ۖ قُلِ ٱلْعَفْوَ ۗ كَذَٰلِكَ
يُبَيِّنُ ٱللَّهُ لَكُمُ ٱلْءَايَٰتِ لَعَلَّكُمْ

[1] Funda amavesi 153-157.

[2] Funda incazelo 7 kwisahluko (Surah) 2:3, naku 2:215.

kinina». Kanjalo uAllah Unicacisela imibiko yaKhe, hleze nicabange.

تَتَفَكَّرُونَ ﴿٢١٩﴾

**220.** Ngokusemhlabeni nakwe-Lizayo[1]. Bakubuza mayelana nezintandane. Yithi: «Eningabenzela kona okuhle, kepha uma nihambisana nabo, sebengabafowenu: ngokuba uAllah Uyamazi oqonde ukwenza ububi, nalowo oqonde ukwenza ubuhle. Futhi ukube uAllah Ubethandile, Ubenokunifaka ebunzimeni. Ngempela uAllah Unamandla, Uhlakaniphile».

فِي الدُّنْيَا وَالْآخِرَةِ ۗ وَيَسْأَلُونَكَ عَنِ الْيَتَامَىٰ ۖ قُلْ إِصْلَاحٌ لَّهُمْ خَيْرٌ ۖ وَإِن تُخَالِطُوهُمْ فَإِخْوَانُكُمْ ۚ وَاللَّهُ يَعْلَمُ الْمُفْسِدَ مِنَ الْمُصْلِحِ ۚ وَلَوْ شَاءَ اللَّهُ لَأَعْنَتَكُمْ ۚ إِنَّ اللَّهَ عَزِيزٌ حَكِيمٌ ﴿٢٢٠﴾

**221.** Futhi ningaganwa neze abesifazane abakhonza izithixo, ngaphandle uma sebekholwa: ngokuba isigqilakazi esikholwayo singcono kunowesifazane okhonza izithixo, noma ngabe beniyenga. Futhi ningaganiseli abesilisa abakhonza izithixo, kuphela uma sebekholwa: ngojuba ngempela isigqila esikholwayo singcono kunomuntu okhonza izithixo, noma ngabe eseniyenga. Labo banimemela emlilweni, kuyilapho uAllah Enimemela esivadeni (Jannat) kanye nase ntethelelweni ngentando yaKhe; futhi Ucacisa umbiko waKhe kubantu ukuze baMkhumbule.

وَلَا تَنكِحُوا الْمُشْرِكَاتِ حَتَّىٰ يُؤْمِنَّ ۚ وَلَأَمَةٌ مُّؤْمِنَةٌ خَيْرٌ مِّن مُّشْرِكَةٍ وَلَوْ أَعْجَبَتْكُمْ ۗ وَلَا تُنكِحُوا الْمُشْرِكِينَ حَتَّىٰ يُؤْمِنُوا ۚ وَلَعَبْدٌ مُّؤْمِنٌ خَيْرٌ مِّن مُّشْرِكٍ وَلَوْ أَعْجَبَكُمْ ۗ أُولَٰئِكَ يَدْعُونَ إِلَى النَّارِ ۖ وَاللَّهُ يَدْعُو إِلَى الْجَنَّةِ وَالْمَغْفِرَةِ بِإِذْنِهِ ۖ وَيُبَيِّنُ آيَاتِهِ لِلنَّاسِ لَعَلَّهُمْ يَتَذَكَّرُونَ ﴿٢٢١﴾

[1] Lomusho uqedela ivesi engenhla.

ISIGABA28.

**222.** Bayakubuza (Muhammad) mayelana nokuya (kwesifazane) esikhathini. Yithi: «Siyisifo, ngakho-ke nibazile abasifazane uma besesikhathini, ningangeni kubo, baze bahlambuluke. Kepha uma sebezihlambile yilapho-ke seningangena kubo njengalokho uAllah Enimisele. Impela uAllah Uthanda labo abaphendukayo ezonweni, futhi Uthanda labo abazigcina behlanzekile.

وَيَسْـَٔلُونَكَ عَنِ الْمَحِيضِ ۖ قُلْ هُوَ أَذًى ۙ فَاعْتَزِلُوا النِّسَاءَ فِي الْمَحِيضِ ۙ وَلَا تَقْرَبُوهُنَّ حَتَّىٰ يَطْهُرْنَ ۖ فَإِذَا تَطَهَّرْنَ فَأْتُوهُنَّ مِنْ حَيْثُ أَمَرَكُمُ اللَّهُ ۚ إِنَّ اللَّهَ يُحِبُّ التَّوَّابِينَ وَيُحِبُّ الْمُتَطَهِّرِينَ ﴿٢٢٢﴾

**223.** Amakhosikazi enu ayizivande zenu; ngakho-ke ngenani ezivandeni zenu ngendlela eniyithandayo, kodwa nithumele (okuhle) kwandulele imiphefumulo yenu, futhi nesabe uAllah, nazi futhi ukuthi nizohlangana naYe. Shumayela izindaba ezimnandi kwabakholwayo.

نِسَاؤُكُمْ حَرْثٌ لَّكُمْ ۖ فَأْتُوا حَرْثَكُمْ أَنَّىٰ شِئْتُمْ ۖ وَقَدِّمُوا لِأَنفُسِكُمْ ۚ وَاتَّقُوا اللَّهَ وَاعْلَمُوا أَنَّكُم مُّلَاقُوهُ ۗ وَبَشِّرِ الْمُؤْمِنِينَ ﴿٢٢٣﴾

**224.** Ningabhaci futhi ngoAllah ezifungweni zenu eziphambene nokulunga ngempela nesabe uAllah, futhi nenze uxolo phakathi kwesintu: ngoba uAllah Uyezwa, Uyazi.

وَلَا تَجْعَلُوا اللَّهَ عُرْضَةً لِّأَيْمَانِكُمْ أَن تَبَرُّوا وَتَتَّقُوا وَتُصْلِحُوا بَيْنَ النَّاسِ ۚ وَاللَّهُ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿٢٢٤﴾

**225.** UAllah Akazunibeka cala ngalokho ebeningakuhlosile ezifungweni zenu, kuphela kuzoba ngalokho obekuhloswe yizinhliziyo

لَا يُؤَاخِذُكُمُ اللَّهُ بِاللَّغْوِ فِي أَيْمَانِكُمْ وَلَٰكِن يُؤَاخِذُكُم بِمَا كَسَبَتْ قُلُوبُكُمْ ۗ وَاللَّهُ

zenu: ngoba uAllah Uyathethelela, Uyabekezela.

غَفُورٌ حَلِيمٌ ﴿٢٢٥﴾

**226.** Kulabo asebenze isifungo sokuzila amakhosikazi abo, mabalinde izinyanga ezine, eziyisinqumo; uma-ke sebeguqukile, ngempela uAllah Uyathethelela, Unomusa.

لِلَّذِينَ يُؤْلُونَ مِن نِّسَآئِهِمْ تَرَبُّصُ
أَرْبَعَةِ أَشْهُرٍ ۖ فَإِن فَآءُو فَإِنَّ اللَّهَ
غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٢٢٦﴾

**227.** Kepha uma bezimisele kuphela ngokwahlukanisa-bheka, uAllah Uyezwa, Uyazi.

وَإِنْ عَزَمُوا الطَّلَاقَ فَإِنَّ اللَّهَ
سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿٢٢٧﴾

**228.** Abesifazane asebehlu kanisiwe emendweni kumele balinde izinyanga ezintathu zokuya kwabo esikhathini: ngoba akuvumelekile ukuba bafihle lokho uAllah Akudalile esizalweni sabo, uma bekholwa kuAllah naso-Sukwini lokuGcina. Futhi abayeni babo kungangcono uma bebabuyisa kuleyonkathi, uma befisa ukuba babuyisane nabo futhi (abesifazane) banamalungelo afana nalawo (abesilisa) abhekene nabo ngobumnene, kepha amadoda anezinga elithexaxa kunabo. Ngempela uAllah Unamandla, Uhlakaniphie.

وَالْمُطَلَّقَاتُ يَتَرَبَّصْنَ بِأَنفُسِهِنَّ ثَلَاثَةَ
قُرُوٓءٍ ۚ وَلَا يَحِلُّ لَهُنَّ أَن يَكْتُمْنَ
مَا خَلَقَ اللَّهُ فِىٓ أَرْحَامِهِنَّ إِن كُنَّ
يُؤْمِنَّ بِاللَّهِ وَالْيَوْمِ الْآخِرِ ۚ وَبُعُولَتُهُنَّ
أَحَقُّ بِرَدِّهِنَّ فِى ذَٰلِكَ إِنْ أَرَادُوٓا
إِصْلَاحًا ۚ وَلَهُنَّ مِثْلُ الَّذِى عَلَيْهِنَّ
بِالْمَعْرُوفِ ۖ وَلِلرِّجَالِ عَلَيْهِنَّ دَرَجَةٌ ۗ
وَاللَّهُ عَزِيزٌ حَكِيمٌ ﴿٢٢٨﴾

ISIGABA29.

**229.** Isaziso sesahlukaniso kumele siphimiselwe izikhathi ezimbili ( kuphela ), lapho-ke (owesifazane) angabuyiswa ngen-

ٱلطَّلَاقُ مَرَّتَانِ ۖ فَإِمْسَاكٌۢ بِمَعْرُوفٍ
أَوْ تَسْرِيحٌۢ بِإِحْسَٰنٍ ۗ وَلَا يَحِلُّ

dlela ekahle, noma kwahlukaniswe kahle. Akuvumelekile kinina ukuthi nithathe izipho enabapha zona, ngaphandle uma nesaba ukuthi ningeze nakwazi ukugcina imigomo emiswe nguAllah: ngakho-ke uma nesaba ukuthi bangeze bakwazi ukugcina imigomo emiswe nguAllah, kulokho akusona isono kubona, uma owesifazane ebuyisela okuthile ukuze akhululeke. Lena yimigomo emiswe nguAllah; ngakhoke ningayeqi, ngokuba labo abeqa imigomo kaAllah yilabo abenza ububi!

لَكُمْ اَنْ تَاْخُذُوْا مِمَّآ اٰتَيْتُمُوْهُنَّ شَيْـًٔا
اِلَّآ اَنْ يَّخَافَآ اَلَّا يُقِيْمَا حُدُوْدَ اللّٰهِ ؕ
فَاِنْ خِفْتُمْ اَلَّا يُقِيْمَا حُدُوْدَ اللّٰهِ ۙ فَلَا
جُنَاحَ عَلَيْهِمَا فِيْمَا افْتَدَتْ بِهٖ ؕ تِلْكَ
حُدُوْدُ اللّٰهِ فَلَا تَعْتَدُوْهَا ۚ وَمَنْ
يَّتَعَدَّ حُدُوْدَ اللّٰهِ فَاُولٰٓئِكَ هُمُ
الظّٰلِمُوْنَ ﴿٢٢٩﴾

**230.** Ngakho-ke uma indoda isihlukanisile nomkayo, (esemazise kathathu), akasavumelekile kuyena ngemuva kwalokho, ngaphandle uma eseke wagana enye indoda; uma nayo seyehlukanisile naye, akusesona isono kubona bobalili uma bephinda beganana, futhi bebona ukuthi bazokwazi ukufeza izimiso zikaAllah: ngokuba lena yimigomo kaAllah, Uyicacisela labo bantu abanolwazi.

فَاِنْ طَلَّقَهَا فَلَا تَحِلُّ لَهٗ مِنْۢ بَعْدُ
حَتّٰى تَنْكِحَ زَوْجًا غَيْرَهٗ ؕ فَاِنْ طَلَّقَهَا
فَلَا جُنَاحَ عَلَيْهِمَآ اَنْ يَّتَرَاجَعَآ اِنْ
ظَنَّآ اَنْ يُّقِيْمَا حُدُوْدَ اللّٰهِ ؕ وَتِلْكَ
حُدُوْدُ اللّٰهِ يُبَيِّنُهَا لِقَوْمٍ يَّعْلَمُوْنَ ﴿٢٣٠﴾

**231.** Futhi-ke lapho nehlukanisa nabesifazane, futhi sebeqede isikhathi sabo sokulinda (iddat; eyizinyanga ezintathu), ninokuba buyisa ngezivumelwano ezikahle,

وَاِذَا طَلَّقْتُمُ النِّسَآءَ فَبَلَغْنَ
اَجَلَهُنَّ فَاَمْسِكُوْهُنَّ بِمَعْرُوْفٍ

noma nibakhulule ngezivumelwano ezinhle. Kepha nigababuyiseli ukuzobezwisa ubuhlungu neqa (iziyalo): ngokuba noma ubani owenza lokhu wona umphefumulo wakhe. Futhi ningayenzi inhlekisa imiyalo kaAllah (ngemisebenzi yenu), kepha nikhumbule umusa kaAllah kinina, kanye nalokho Anembulela kona eNcwadini, nobuhlakani Aniyala ngabo; niMesabe uAllah futhi nazi ukuthi (ngempela) uAllah Wazi konke.

أَوْ سَرِّحُوهُنَّ بِمَعْرُوفٍ ۖ وَلَا
تُمْسِكُوهُنَّ ضِرَارًا لِّتَعْتَدُوا ۚ وَمَن
يَفْعَلْ ذَٰلِكَ فَقَدْ ظَلَمَ نَفْسَهُ ۚ
وَلَا تَتَّخِذُوا آيَاتِ اللَّهِ هُزُوًا ۚ وَاذْكُرُوا
نِعْمَتَ اللَّهِ عَلَيْكُمْ وَمَا أَنزَلَ
عَلَيْكُم مِّنَ الْكِتَابِ وَالْحِكْمَةِ يَعِظُكُم
بِهِ ۚ وَاتَّقُوا اللَّهَ وَاعْلَمُوا أَنَّ اللَّهَ بِكُلِّ
شَيْءٍ عَلِيمٌ ﴿٢٣١﴾

ISIGABA30.

**232.** Uma nehlukanisa nabesifazane, futhi sebeqede isikhathi sabo sokulinda (iddat), ningabenqabeli ukuba bagane abayeni babo (bokuqala) uma sebevumelene kahle. Lona umyalo kulowo phakathi kwenu okholwa kuAllah nasoSukwini lokuGcina. Lokho kunilungele kakhulu, futhi kuhlanzekile kinina: futhi uAllah Uyazi, nina anazi.

وَإِذَا طَلَّقْتُمُ النِّسَاءَ فَبَلَغْنَ
أَجَلَهُنَّ فَلَا تَعْضُلُوهُنَّ أَن
يَنكِحْنَ أَزْوَاجَهُنَّ إِذَا تَرَاضَوْا بَيْنَهُم
بِالْمَعْرُوفِ ۗ ذَٰلِكَ يُوعَظُ بِهِ مَن
كَانَ مِنكُمْ يُؤْمِنُ بِاللَّهِ وَالْيَوْمِ
الْآخِرِ ۗ ذَٰلِكُمْ أَزْكَىٰ لَكُمْ وَأَطْهَرُ ۚ
وَاللَّهُ يَعْلَمُ وَأَنتُمْ لَا تَعْلَمُونَ ﴿٢٣٢﴾

**233.** Omame futhi kumele bancelise izingane zabo iminyaka emibili egcwele, kulabo abazimisele ukuqedela isikhathi sokuncelisa. Futhi umsebenzi wokondla nokwembeswa nokunakekelwa komame ngendlela ekahle, kusemahlombe kayise womntwana. Akukho noyedwa okumele

وَالْوَالِدَاتُ يُرْضِعْنَ أَوْلَادَهُنَّ حَوْلَيْنِ
كَامِلَيْنِ لِمَنْ أَرَادَ أَن يُتِمَّ الرَّضَاعَةَ ۚ وَعَلَى
الْمَوْلُودِ لَهُ رِزْقُهُنَّ وَكِسْوَتُهُنَّ بِالْمَعْرُوفِ ۚ
لَا تُكَلَّفُ نَفْسٌ إِلَّا وُسْعَهَا ۚ لَا تُضَارَّ وَالِدَةٌ

بِوَلَدِهَا وَلَا مَوْلُودٌ لَّهُ بِوَلَدِهِ ۚ وَعَلَى الْوَارِثِ
مِثْلُ ذَٰلِكَ ۗ فَإِنْ أَرَادَا فِصَالًا عَن تَرَاضٍ
مِّنْهُمَا وَتَشَاوُرٍ فَلَا جُنَاحَ عَلَيْهِمَا ۗ وَإِنْ
أَرَدتُّمْ أَن تَسْتَرْضِعُوا أَوْلَادَكُمْ فَلَا جُنَاحَ
عَلَيْكُمْ إِذَا سَلَّمْتُم مَّا آتَيْتُم بِالْمَعْرُوفِ ۗ
وَاتَّقُوا اللَّهَ وَاعْلَمُوا أَنَّ اللَّهَ بِمَا تَعْمَلُونَ
بَصِيرٌ ﴿٢٣٣﴾

athweswe ngaphezu kwamandla akhe. Umame angehlushwe ngesimanga sengane yakhe, futhi naye ozalelwe ingagne angehlushwe ngenxa yengane yakhe. Indlalifa imelwe yisimo esifanayo[1]. Uma futhi (abazali) befisa ukuyiyekisa ibele ngemuva kwezivumelwano sebebonisene, akunacala kubona, kanti uma nifisa ukumnika ozomncelisa (ibele), akunacala kuphela uma nizomkhokhela lowo ngokufanele. Ngempela nesabe uAllah, futhi nazi ukuthi uAllah Ubona konke enikwenzayo.

وَالَّذِينَ يُتَوَفَّوْنَ مِنكُمْ وَيَذَرُونَ أَزْوَاجًا
يَتَرَبَّصْنَ بِأَنفُسِهِنَّ أَرْبَعَةَ أَشْهُرٍ وَعَشْرًا ۖ
فَإِذَا بَلَغْنَ أَجَلَهُنَّ فَلَا جُنَاحَ عَلَيْكُمْ فِيمَا
فَعَلْنَ فِي أَنفُسِهِنَّ بِالْمَعْرُوفِ ۗ وَاللَّهُ بِمَا
تَعْمَلُونَ خَبِيرٌ ﴿٢٣٤﴾

**234.** Kulabo abafayo beshiya amakhosikazi ngemuva, (abafelokazi) kumele bazile izinyanga ezine nezinsuku eziyishumi; umake sebesiqedile leso sikhathi, akunacala kinina ngalokho abahlele ukuzenzela kona ngendlela elungileyo. Futhi uAllah Ukwazi konke enikwenzayo.

وَلَا جُنَاحَ عَلَيْكُمْ فِيمَا عَرَّضْتُم بِهِ مِنْ
خِطْبَةِ النِّسَاءِ أَوْ أَكْنَنتُمْ فِي أَنفُسِكُمْ ۚ عَلِمَ اللَّهُ
أَنَّكُمْ سَتَذْكُرُونَهُنَّ وَلَٰكِن لَّا تُوَاعِدُوهُنَّ
سِرًّا إِلَّا أَن تَقُولُوا قَوْلًا مَّعْرُوفًا ۚ وَلَا تَعْزِمُوا

**235.** Akunacala futhi ukwenza isethembiso somendo nabesifazane noma nisigcina ezinhliziyweni zenu. UAllah Uyazi ukuthi nizobakhumbula. Kepha ningenzi izethembiso ngasese, ngaphandle uma nibazisa ngendlela evumelekile; futhi ningenzi izinqumo

[1] Indlalifa nayo ingahlushwa ngesimanga sabazali.

eziphathelene nomendo (nabafelokazi) baze baqede isikhathi sabo sokuzila. Nazi futhi ukuthi uAllah Wazi okusezingqondweni zenu, ngakho-ke niMqaphele; nazi ngempela ukuthi uAllah Uyathethelela, Uyabekezela.

عُقْدَةَ النِّكَاحِ حَتّٰى يَبْلُغَ الْكِتٰبُ اَجَلَهٗ ؕ وَاعْلَمُوْٓا اَنَّ اللّٰهَ يَعْلَمُ مَا فِيْٓ اَنْفُسِكُمْ فَاحْذَرُوْهُ ۚ وَاعْلَمُوْٓا اَنَّ اللّٰهَ غَفُوْرٌ حَلِيْمٌ ﴿٢٣٥﴾

ISIGABA31.

**236.** Akunacala kinina uma nahlukanisa nabesifazane kuyilapho ningakabathinti, noma ningakabanqumeli inxenye yesabelo sabo; nokho nibaphe izipho, isicebi senze nogukulingene namandla aso, nompofu ngokulingene namandla akhe, isabelo kube esigculisayo: lesi yisibopho kulabo abafuna ukwenza okuhle.

لَا جُنَاحَ عَلَيْكُمْ اِنْ طَلَّقْتُمُ النِّسَآءَ مَا لَمْ تَمَسُّوْهُنَّ اَوْ تَفْرِضُوْا لَهُنَّ فَرِيْضَةً ۖ وَّمَتِّعُوْهُنَّ ۚ عَلَى الْمُوْسِعِ قَدَرُهٗ وَعَلَى الْمُقْتِرِ قَدَرُهٗ ۚ مَتَاعًا بِالْمَعْرُوْفِ ۚ حَقًّا عَلَى الْمُحْسِنِيْنَ ﴿٢٣٦﴾

**237.** Uma futhi nahlukanisa nabo ningakabathinti, senibanqumele nesabelo esisemthethweni, kumele nibanike inxenye yalokho ebenibanqumele kona, ngaphandle uma bona besibuyisa, noma sipheleliswe yilowo umshado osezandleni zakhe (owesilisa). Ngempela ukusiphelelisa (lesosabelo) kanjalo kuwukulunga. Nigakhohlwa futhi ukwenzelana umusa phakathi kwenu: ngempela uAllah Ubona konke enikwenzayo.

وَاِنْ طَلَّقْتُمُوْهُنَّ مِنْ قَبْلِ اَنْ تَمَسُّوْهُنَّ وَقَدْ فَرَضْتُمْ لَهُنَّ فَرِيْضَةً فَنِصْفُ مَا فَرَضْتُمْ اِلَّآ اَنْ يَّعْفُوْنَ اَوْ يَعْفُوَا الَّذِيْ بِيَدِهٖ عُقْدَةُ النِّكَاحِ ۭ وَاَنْ تَعْفُوْٓا اَقْرَبُ لِلتَّقْوٰى ۭ وَلَا تَنْسَوُا الْفَضْلَ بَيْنَكُمْ ۭ اِنَّ اللّٰهَ بِمَا تَعْمَلُوْنَ بَصِيْرٌ ﴿٢٣٧﴾

**238.** Nimele imikhuleko kakhulukazi umkhuleko omapha-

حٰفِظُوْا عَلَى الصَّلَوٰتِ وَالصَّلٰوةِ الْوُسْطٰى ۤ

kathi; ngempela nime phambi kukaAllah ngokuzinikela.

وَقُومُوا لِلَّهِ قَٰنِتِينَ ﴿٢٣٨﴾

**239.** Kodwa uma nihamba ngokwesaba, (nikhuleke) nimile, noma nigibele. Akuthi uma senisendaweni ephephile, nidumise uAllah ngendlela Anifundisa ngayo enaningayazi.

فَإِنْ خِفْتُمْ فَرِجَالًا أَوْ رُكْبَانًا ۖ فَإِذَا أَمِنتُمْ فَاذْكُرُوا اللَّهَ كَمَا عَلَّمَكُم مَّا لَمْ تَكُونُوا تَعْلَمُونَ ﴿٢٣٩﴾

**240.** Kulabo abafayo phakathi kwenu beshiya abafelokazi, babashiyele isondlo sonyaka wonke, kanye nendawo yokuhlala. Kepha uma bekhetha ukuyishiya, akunacala kinina ngalokha abahlelele ukuzenzela kona ngendlela elungileyo. Ngempela uAllah Unamandla onke, Uhlakaniphile.

وَالَّذِينَ يُتَوَفَّوْنَ مِنكُمْ وَيَذَرُونَ أَزْوَاجًا وَصِيَّةً لِّأَزْوَاجِهِم مَّتَاعًا إِلَى الْحَوْلِ غَيْرَ إِخْرَاجٍ ۚ فَإِنْ خَرَجْنَ فَلَا جُنَاحَ عَلَيْكُمْ فِي مَا فَعَلْنَ فِي أَنفُسِهِنَّ مِن مَّعْرُوفٍ ۗ وَاللَّهُ عَزِيزٌ حَكِيمٌ ﴿٢٤٠﴾

**241.** Kulabo abesifazane abathole isahlukaniso, mabathole isondlo ngendlela ekahle: lona umsebenzi walabo abanonembeza.

وَلِلْمُطَلَّقَاتِ مَتَاعٌ بِالْمَعْرُوفِ ۖ حَقًّا عَلَى الْمُتَّقِينَ ﴿٢٤١﴾

**242.** Ngalendlela uAllah Unicacisela imibiko yaKhe ukuze niqonde.

كَذَٰلِكَ يُبَيِّنُ اللَّهُ لَكُمْ آيَاتِهِ لَعَلَّكُمْ تَعْقِلُونَ ﴿٢٤٢﴾

ISIGABA32.

**243.** Awusakhumbuli yini (Muhammad) ngalabo abashiya imizi yabo beyizinkulungwane, ngenxa yokwesaba ukufa na? - ngalokho Wathi kubona: «Yifani» Waphinda futhi Wabapha impiolo. Ngokuba uAllah Unomusa

أَلَمْ تَرَ إِلَى الَّذِينَ خَرَجُوا مِن دِيَارِهِمْ وَهُمْ أُلُوفٌ حَذَرَ الْمَوْتِ فَقَالَ لَهُمُ اللَّهُ مُوتُوا ثُمَّ أَحْيَاهُمْ ۚ إِنَّ اللَّهَ لَذُو فَضْلٍ عَلَى النَّاسِ

kubantu, kepha iningi labantu alinakho ukubonga.

وَلَٰكِنَّ أَكْثَرَ ٱلنَّاسِ لَا يَشْكُرُونَ ﴿٢٤٣﴾

**244.** Ngakho-ke yilwanini ngendlela kaAllah, futhi nazi ukuthi uAllah Uyezwa, Wazi konke.

وَقَٰتِلُوا۟ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ وَٱعْلَمُوٓا۟ أَنَّ ٱللَّهَ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿٢٤٤﴾

**245.** Ubani lowo ozoboleka[1] uAllah ngalokho okuhle, ukuze Amandisele ngokuphindaphindiwe na? Ngokuba, nguAllah Onciphisayo, noWandisayo, futhi niyophindela kuYena.

مَّن ذَا ٱلَّذِى يُقْرِضُ ٱللَّهَ قَرْضًا حَسَنًا فَيُضَٰعِفَهُۥ لَهُۥٓ أَضْعَافًا كَثِيرَةً ۚ وَٱللَّهُ يَقْبِضُ وَيَبْصُۜطُ ۖ وَإِلَيْهِ تُرْجَعُونَ ﴿٢٤٥﴾

**246.** Awukhumbuli yini ngabaholi kubantwana bakwaIsrayeli ngemuva kukaMose na? Lapho bethi kuMprofethi ababenaye: «Siqokele inkosi ukuze silwe ngendlela kaAllah!» Wathi: «Kungenzeka yini ukuthi uma senimiselwe ukulwa ningabe nisakufuna ukulwa na?» Bathi: «Singayeka kanjani ukulwa ngendlela kaAllah njengoba sadingiswa emizini yethu kanye nabantwana bethu na?» Kepha kwathi uma sebeyalezwa ngokulwa babaleka bonke, ngaphandle kwedlanzana phakathi kwabo (elalwa); nokho uAllah Uyabazi abenzi bokubi.

أَلَمْ تَرَ إِلَى ٱلْمَلَإِ مِنۢ بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ مِنۢ بَعْدِ مُوسَىٰ إِذْ قَالُوا۟ لِنَبِىٍّ لَّهُمُ ٱبْعَثْ لَنَا مَلِكًا نُّقَٰتِلْ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ ۖ قَالَ هَلْ عَسَيْتُمْ إِن كُتِبَ عَلَيْكُمُ ٱلْقِتَالُ أَلَّا تُقَٰتِلُوا۟ ۖ قَالُوا۟ وَمَا لَنَآ أَلَّا نُقَٰتِلَ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ وَقَدْ أُخْرِجْنَا مِن دِيَٰرِنَا وَأَبْنَآئِنَا ۖ فَلَمَّا كُتِبَ عَلَيْهِمُ ٱلْقِتَالُ تَوَلَّوْا۟ إِلَّا قَلِيلًا مِّنْهُمْ ۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌۢ بِٱلظَّٰلِمِينَ ﴿٢٤٦﴾

**247.** Futhi uMprofethi wabo wathi kubona: «Ngempela uAllah

وَقَالَ لَهُمْ نَبِيُّهُمْ إِنَّ ٱللَّهَ قَدْ بَعَثَ

[1] Uma umuntu esebenzisa isabelo sakhe emsebenzini kaAllah, uAllah Uthatha ngokuthi Ubolekiwe, futhi Uzokhokha. Funda incazelo 7 kwisahluko 2:3, naku 2:215, 2:219.

umise uSawuli (Twalut) ukuba abe yinkosi yenu». Bathi: «Angaba nobukhosi kanjani kithina, kanti yithina esifanelwe wubukhosi kunaye, futhi enganikwanga nengcebo ngokwenele na?» UMprofethi wathi: «Ngempela uAllah Usemkhethile kunani, futhi Wamandisela ulwazi kanye nomzimba oqatha: futhi uAllah Unikeza ubukhosi baKhe lowo Amthandileyo futhi uAllah Wazi kabanzi».

لَكُمْ طَالُوتَ مَلِكًا ۚ قَالُوٓا۟ أَنَّىٰ يَكُونُ لَهُ
ٱلْمُلْكُ عَلَيْنَا وَنَحْنُ أَحَقُّ بِٱلْمُلْكِ مِنْهُ
وَلَمْ يُؤْتَ سَعَةً مِّنَ ٱلْمَالِ ۚ قَالَ إِنَّ ٱللَّهَ
ٱصْطَفَىٰهُ عَلَيْكُمْ وَزَادَهُۥ بَسْطَةً فِى ٱلْعِلْمِ
وَٱلْجِسْمِ ۖ وَٱللَّهُ يُؤْتِى مُلْكَهُۥ مَن يَشَآءُ ۚ
وَٱللَّهُ وَٰسِعٌ عَلِيمٌ ﴿٢٤٧﴾

**248.** Futhi uMprofethi wabo waqhubeka wathi: «Ngempela uphawu lobukhosi bakhe yilolu, kuzofika kinina ibhokisi (leNcwadi yomthetho) linokuyinduduzo kulona evela eNkosini yenu, kanye nokwasalela emndenini kaMose noAroni, liphethwe yizingelosi. Lokhu, bheka, kuwuphawu kinina uma ningabakholwayo».

وَقَالَ لَهُمْ نَبِيُّهُمْ إِنَّ ءَايَةَ مُلْكِهِۦٓ أَن يَأْتِيَكُمُ
ٱلتَّابُوتُ فِيهِ سَكِينَةٌ مِّن رَّبِّكُمْ وَبَقِيَّةٌ مِّمَّا
تَرَكَ ءَالُ مُوسَىٰ وَءَالُ هَٰرُونَ تَحْمِلُهُ ٱلْمَلَٰٓئِكَةُ ۚ
إِنَّ فِى ذَٰلِكَ لَءَايَةً لَّكُمْ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿٢٤٨﴾

ISIGABA33.

**249.** Kwathi futhi lapho uSawuli ehamba namabutho wathi: «Ngempela uAllah Uzonivivinya ngasemfuleni: ngakho-ke lowo ozophuza kuwo, akasiyena owami, kephal lowo ongezuphuza kuwoyena ngempela ungowami; ngaphandle kwalowo okhe ngesandla uzoxolelwa». Kepha iningi laphuza lapho, ngaphandle kwedlanzana kubona, Kwathi futhi lapho esewelele ngaphesheya (komfula),

فَلَمَّا فَصَلَ طَالُوتُ بِٱلْجُنُودِ ۙ قَالَ إِنَّ ٱللَّهَ
مُبْتَلِيكُم بِنَهَرٍ ۖ فَمَن شَرِبَ مِنْهُ فَلَيْسَ
مِنِّى ۖ وَمَن لَّمْ يَطْعَمْهُ فَإِنَّهُۥ مِنِّىٓ إِلَّا مَنِ ٱغْتَرَفَ
غُرْفَةًۢ بِيَدِهِۦ ۚ فَشَرِبُوا۟ مِنْهُ إِلَّا قَلِيلًا مِّنْهُمْ ۗ فَلَمَّا
جَاوَزَهُۥ هُوَ وَٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ مَعَهُۥ قَالُوا۟ لَا طَاقَةَ لَنَا
ٱلْيَوْمَ بِجَالُوتَ وَجُنُودِهِۦ ۚ قَالَ ٱلَّذِينَ يَظُنُّونَ
أَنَّهُم مُّلَٰقُوا۟ ٱللَّهِ كَم مِّن فِئَةٍ قَلِيلَةٍ

yena kanye nalabo ababekholwa bathi: «Asinamandla namuhla ukumelana noGoliyathi kanye namabutho akhe!» Labo ababekholwa ukuthi bayohlangana noAllah bakhuza bathi: «Kukangaki idlanzana lebutho linqoba elikhulu ngentando kaAllah na? Ngokuba uAllah Ukanye nalabo ababekezelayo».

غَلَبَتْ فِئَةً كَثِيرَةً بِإِذْنِ اللَّهِ ۗ وَاللَّهُ مَعَ الصَّابِرِينَ ﴿٢٤٩﴾

**250.** Kwathi futhi bengena enkundleni ukuba bahlangane noGoliyathi namabutho akhe bathi: «O, Nkosi yethu! Senze ukuba ababekezelayo, futhi Wenze amanyathelo ethu aqine, Usisize nalapho sesibhekene nabantu abangakholwayo!».

وَلَمَّا بَرَزُوا لِجَالُوتَ وَجُنُودِهِ قَالُوا رَبَّنَا أَفْرِغْ عَلَيْنَا صَبْرًا وَثَبِّتْ أَقْدَامَنَا وَانصُرْنَا عَلَى الْقَوْمِ الْكَافِرِينَ ﴿٢٥٠﴾

**251.** Kanjalo banqoba ngentando kaAllah, uDavide wabulala uGoliyathi; futhi uAllah Wamnika ubukhosi nobuhlakani, Wamfundisa futhi lokho Akuthandayo. Ngempela ukube uAllah Akagudluzi abantu ngabanye, umhlaba ubuzokonakala: kepha uAllah UyiNkosi yozwelo ezidalweni zonke.

فَهَزَمُوهُم بِإِذْنِ اللَّهِ وَقَتَلَ دَاوُودُ جَالُوتَ وَآتَاهُ اللَّهُ الْمُلْكَ وَالْحِكْمَةَ وَعَلَّمَهُ مِمَّا يَشَاءُ ۗ وَلَوْلَا دَفْعُ اللَّهِ النَّاسَ بَعْضَهُم بِبَعْضٍ لَّفَسَدَتِ الْأَرْضُ وَلَٰكِنَّ اللَّهَ ذُو فَضْلٍ عَلَى الْعَالَمِينَ ﴿٢٥١﴾

**252.** Lena yimibiko kaAllah, eSikubikela yona ngeqiniso (Muhammad)- ngokuba wena ungomunye eziThunyweni.

تِلْكَ آيَاتُ اللَّهِ نَتْلُوهَا عَلَيْكَ بِالْحَقِّ ۖ وَإِنَّكَ لَمِنَ الْمُرْسَلِينَ ﴿٢٥٢﴾

**253.** Kulezi ziThunywa, ezinye

تِلْكَ الرُّسُلُ فَضَّلْنَا بَعْضَهُمْ

Sazipha ngaphezu kwezinye. Kwezinye uAllah Wakhuluma nazo Yena (mathupha); kwathi ezinye Waziphakamisa ngezinga. Futhi Samnika uJesu indodana kaMariya izibonakaliso ezicacile, Samqinisa futhi ngomoya oyiNgcwele. Futhi ukube uAllah Wayethandile, izizukulwane ezalandela ngabe azilwanga zodwa emveni kokufika kwezibonakaliso ezicacile kuzona, kepha (noma kunjalo) abezwananga, abanye babo bekholwa futhi abanye kubona bengakholwa. Kepha uma uAllah Wayethandile ngabe abalwanga bodwa: nokho uAllah Wenza lokho Akuhlosile.

عَلٰى بَعْضٍ مِنْهُمْ مَّنْ كَلَّمَ اللّٰهُ وَرَفَعَ
بَعْضَهُمْ دَرَجٰتٍ ۭ وَاٰتَيْنَا عِيْسَى ابْنَ
مَرْيَمَ الْبَيِّنٰتِ وَاَيَّدْنٰهُ بِرُوْحِ الْقُدُسِ ۭ
وَلَوْ شَاۗءَ اللّٰهُ مَا اقْتَتَلَ الَّذِيْنَ مِنْۢ بَعْدِهِمْ
مِّنْۢ بَعْدِ مَا جَاۗءَتْهُمُ الْبَيِّنٰتُ وَلٰكِنِ اخْتَلَفُوْا
فَمِنْهُمْ مَّنْ اٰمَنَ وَمِنْهُمْ مَّنْ كَفَرَ ۭ وَلَوْ شَاۗءَ
اللّٰهُ مَا اقْتَتَلُوْا ۠ وَلٰكِنَّ اللّٰهَ يَفْعَلُ
مَا يُرِيْدُ ۝

ISIGABA34.

**254.** O, nina enikholwayo! Nikelani ngalokho eSanabela kona[1], ngaphambi kokuba kufike uSuku lapho kungasezukuba khona izivumelwano zokuthengiselana, nobungane kanye nokukhulumelana kungasekho. Futhi (ngempela) abaphika ukholo yibona abadukileyo!

يٰٓاَيُّهَا الَّذِيْنَ اٰمَنُوْٓا اَنْفِقُوْا مِمَّا رَزَقْنٰكُمْ
مِّنْ قَبْلِ اَنْ يَّاْتِيَ يَوْمٌ لَّا بَيْعٌ فِيْهِ وَلَا خُلَّةٌ
وَّلَا شَفَاعَةٌ ۭ وَالْكٰفِرُوْنَ هُمُ الظّٰلِمُوْنَ ۝

**255.** UAllah! Akukho Nkulunkulu ngaphandle kwaKhe, Ophilayo njalo-njalo, Ongonaphakade. Akozeli futhi Yena

اَللّٰهُ لَآ اِلٰهَ اِلَّا هُوَ ۚ اَلْحَيُّ الْقَيُّوْمُ ۚ لَا تَاْخُذُهٗ
سِنَةٌ وَّلَا نَوْمٌ ۭ لَهٗ مَا فِي السَّمٰوٰتِ وَمَا فِي

[1] Funda incazelo 85, nencazelo 7 kwisahluko 2:3, naku 2:215, naku 2:219.

Akalali. KungokwaKhe konke okusemazulwini nasemhlabeni[1]. Ubani ongakhulumela omunye kuYena ngaphandle kwemvume yaKhe na?[2] Wazi okwakukhona nghaphambili, nokungemuva kwazo (izidalwa), lapho zingahaqe lutho zona elwazini lwaKhe, ngaphandle kwalokho okuyimvume yaKhe. Isihlalo sobuKhosi baKhe songamel amazulu nomhlaba, futhi Akakhathazwa ukukulondoloza konke: Futhi Yena uPhakeme Mkhulu.

الْأَرْضِ ۗ مَنْ ذَا الَّذِي يَشْفَعُ عِنْدَهُ إِلَّا
بِإِذْنِهِ ۚ يَعْلَمُ مَا بَيْنَ أَيْدِيهِمْ وَمَا خَلْفَهُمْ ۖ
وَلَا يُحِيطُونَ بِشَيْءٍ مِنْ عِلْمِهِ إِلَّا بِمَا شَاءَ ۚ
وَسِعَ كُرْسِيُّهُ السَّمَاوَاتِ وَالْأَرْضَ ۖ وَلَا يَئُودُهُ
حِفْظُهُمَا ۚ وَهُوَ الْعَلِيُّ الْعَظِيمُ ﴿٢٥٥﴾

**256.** Akukho mpoqo enkolweni. Iqiniso licacile kunamanga: ngakho-ke lowo ogwema ukukhonza izithixo abesekholwa kuAllah, ubambelele esibambelelweni esiqinile esingasoze sadoncuka: ngokuba uAllah Uyezwa, Wazi konke.

لَا إِكْرَاهَ فِي الدِّينِ ۖ قَدْ تَبَيَّنَ الرُّشْدُ مِنَ
الْغَيِّ ۚ فَمَنْ يَكْفُرْ بِالطَّاغُوتِ وَيُؤْمِنْ بِاللَّهِ
فَقَدِ اسْتَمْسَكَ بِالْعُرْوَةِ الْوُثْقَىٰ لَا انْفِصَامَ
لَهَا ۗ وَاللَّهُ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿٢٥٦﴾

**257.** UAllah UnguMngane noMvikeli walabo abakholwayo. Ubakhipha ebumnyameni abalethe ekuk hanyeni, kepha labo abangokholwa bazwana nezithixo, zibakhipha ekukhanyeni zibahlome zo ebumnyameni. Labo-ke bayiqembu lomlilo (wesihogo): baphila kuwo ngonaphakade.

اللَّهُ وَلِيُّ الَّذِينَ آمَنُوا يُخْرِجُهُمْ مِنَ
الظُّلُمَاتِ إِلَى النُّورِ ۖ وَالَّذِينَ كَفَرُوا
أَوْلِيَاؤُهُمُ الطَّاغُوتُ يُخْرِجُونَهُمْ مِنَ النُّورِ
إِلَى الظُّلُمَاتِ ۗ أُولَٰئِكَ أَصْحَابُ النَّارِ ۖ هُمْ
فِيهَا خَالِدُونَ ﴿٢٥٧﴾

[1] Uma sikhuleka konke sikucela kuAllah akekho omunye ngaphandle kwaKhe, ufakazi uvesi 256-257.

[2] Imvume iyonikezwa iziThunywa ngomhla wokuvuka.

ISIGABA35.

**258.** Khumbula lowo owaphikisana noAbraham ngeNkosi yakhe, ngokuba Imuphe umbuso. Okwathi lapho uAbraham ethi: «INkosi yami yileyo Edale impilo Eletha ukufa». (Inkosi yezwe)[1] yathi: «Nami ngidala impilo futhi ngiletha nokufa». UAbraham wathi: «Ngempela uAllah Wenza ilanga liphume empumalanga, ngakho-ke wena yenze liphume entshonalanga». Lapho wajabhiswa kanjalo owayengakholwa: ngokuba uAllah Akabaholi abantu abonayo.

أَلَمْ تَرَ إِلَى الَّذِي حَاجَّ إِبْرَاهِيمَ فِي رَبِّهِ
أَنْ آتَاهُ اللَّهُ الْمُلْكَ إِذْ قَالَ إِبْرَاهِيمُ
رَبِّيَ الَّذِي يُحْيِي وَيُمِيتُ قَالَ أَنَا أُحْيِي
وَأُمِيتُ قَالَ إِبْرَاهِيمُ فَإِنَّ اللَّهَ يَأْتِي
بِالشَّمْسِ مِنَ الْمَشْرِقِ فَأْتِ بِهَا مِنَ
الْمَغْرِبِ فَبُهِتَ الَّذِي كَفَرَ وَاللَّهُ
لَا يَهْدِي الْقَوْمَ الظَّالِمِينَ ﴿٢٥٨﴾

**259.** Noma ngalowo owayedlula umzana osuwile ubhujiswe ngisho nophahla[2], wathi: «Angawuvusa kanjani uAllah ngemuva kokubhujiswa kwawo na? UAllah Wamphuca umphefumulo iminyaka eyikhulu, Wayesephinda Emvusa. Wambuza Wathi: «Uhlale isikhathi esingakanani lapha na?» (Waphendula) wathi: «Ngihlale usuku noma inxenye yosuku». (UAllah) Wathi: «Neze! Uhlale iminyaka eyikhulu! Kepha bheka ukudla kwakho nophuzo akonakele-bheka nembongolo yakho! Nokuthi Sizokwenza ube yisibo-

أَوْ كَالَّذِي مَرَّ عَلَى قَرْيَةٍ وَهِيَ خَاوِيَةٌ
عَلَى عُرُوشِهَا قَالَ أَنَّى يُحْيِي هَٰذِهِ اللَّهُ
بَعْدَ مَوْتِهَا فَأَمَاتَهُ اللَّهُ مِائَةَ عَامٍ ثُمَّ
بَعَثَهُ قَالَ كَمْ لَبِثْتَ قَالَ لَبِثْتُ يَوْمًا
أَوْ بَعْضَ يَوْمٍ قَالَ بَل لَّبِثْتَ مِائَةَ
عَامٍ فَانظُرْ إِلَىٰ طَعَامِكَ وَشَرَابِكَ لَمْ
يَتَسَنَّهْ وَانظُرْ إِلَىٰ حِمَارِكَ
وَلِنَجْعَلَكَ آيَةً لِّلنَّاسِ وَانظُرْ

[1] KwakunguNimrod owayephikisana noAbraham (ukuthula kube kuye).

[2] Lomuntu kwakungu Uzair, umuzi yiJerusalem.

nelo kubantu. Futhi bheka amathambo ukuthi Siwahlanganisa kanjani, beseSiwembathisa inyama!» Kwathi ukuba acacelwe yilokho wathi: «Ngempela ngiyazi (manje) ukuthi uAllah Unamandla phezu kwezinto zonke!»

إِلَى الْعِظَامِ كَيْفَ نُنشِزُهَا ثُمَّ نَكْسُوهَا لَحْمًا فَلَمَّا تَبَيَّنَ لَهُ قَالَ أَعْلَمُ أَنَّ اللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَيْءٍ قَدِيرٌ ﴿٢٥٩﴾

**260.** Bheka, futhi, uAbraham wathi: «O, Nkosi yami! Ngibonise ukuthi abafileyo Ubavusa kanjani na?» Wathi (uAllah): «Ingabe awukholwa yini na?» Wathi (uAbraham): «Yebo (ngiyakholwa), kepha (ngibuza) ukuze ngigculise ukuqonda kwami». Wathi (uAllah): «Thatha izinyoni ezine; uziffundise zikujwayele, bese uzibeka ngokwahlukana kuleyo naleyo ntaba, ubese uzibiza. Zizoza kuwe ngesikhulu isivinini. Yazi-ke (ngampela) ukuthi uAllah Unamandla amakhulu, Uhlakaniphile».

وَإِذْ قَالَ إِبْرَاهِيمُ رَبِّ أَرِنِي كَيْفَ تُحْيِي الْمَوْتَىٰ قَالَ أَوَلَمْ تُؤْمِن قَالَ بَلَىٰ وَلَٰكِن لِّيَطْمَئِنَّ قَلْبِي قَالَ فَخُذْ أَرْبَعَةً مِّنَ الطَّيْرِ فَصُرْهُنَّ إِلَيْكَ ثُمَّ اجْعَلْ عَلَىٰ كُلِّ جَبَلٍ مِّنْهُنَّ جُزْءًا ثُمَّ ادْعُهُنَّ يَأْتِينَكَ سَعْيًا وَاعْلَمْ أَنَّ اللَّهَ عَزِيزٌ حَكِيمٌ ﴿٢٦٠﴾

ISIGABA36.

**261.** Labo abesebenzisa lokho abanakho endleleni kaAllah, bafaniswa nohlamvu (lombila), omila ukhiphe izikhwebu eziyisikhombisa. Kuleso naleso sikhwebu kube nezinhlamvu eziyikhulu. Ngempela uAllah Wandisela kakhulu lowo Amthandileyo; futhi uAllah Unakekela konke, Wazi konke[1].

مَّثَلُ الَّذِينَ يُنفِقُونَ أَمْوَالَهُمْ فِي سَبِيلِ اللَّهِ كَمَثَلِ حَبَّةٍ أَنبَتَتْ سَبْعَ سَنَابِلَ فِي كُلِّ سُنۢبُلَةٍ مِّائَةُ حَبَّةٍ وَاللَّهُ يُضَاعِفُ لِمَن يَشَاءُ وَاللَّهُ وَاسِعٌ عَلِيمٌ ﴿٢٦١﴾

[1] Lamavesi 261-277 afakazelana ngomnikelo.

**262.** Labo abasebenzisa ingcebo yabo endleleni kaAllah, bengalandelisi izipho zabo ngoukhlaza, nangokulimaza (abaswelayo); umvuzo wabo useNkosini yabo, ngempela abazukuba nakwesaba, futhi abazukuba nasizi.

اَلَّذِيْنَ يُنْفِقُوْنَ اَمْوَالَهُمْ فِيْ سَبِيْلِ اللّٰهِ ثُمَّ لَا يُتْبِعُوْنَ مَآ اَنْفَقُوْا مَنًّا وَّلَآ اَذًى ۙ لَّهُمْ اَجْرُهُمْ عِنْدَ رَبِّهِمْ ۚ وَلَا خَوْفٌ عَلَيْهِمْ وَلَا هُمْ يَحْزَنُوْنَ ﴿٢٦٢﴾

**263.** Amazwi amnene nentethelelo, angcono kunosizo olulandelwa ukuphoxeka. Futhi uAllah Akadingi, Unobubele.

قَوْلٌ مَّعْرُوْفٌ وَّمَغْفِرَةٌ خَيْرٌ مِّنْ صَدَقَةٍ يَّتْبَعُهَآ اَذًى ۗ وَاللّٰهُ غَنِيٌّ حَلِيْمٌ ﴿٢٦٣﴾

**264.** O, nina enikholwayo! Ningashabalalisi umnikelo wenu ngokuhlaza, nokulimaza (imiphefumulo yabanye), njengalabo abanikela ngoba befuna ukubonwa ngabantu, kepha bengakhowa kuAllah nasoSukweini oLuzayo: ngoba bafaniswa nedwala elinothuli lomhlabathi, lapho kuna imvula ishaya kulona lizihlalele obala. Abanakwenza lutho ngalokho abakuzuzayo: ngokuba uAllah Akababaholi abantu abangakholwa.

يٰٓاَيُّهَا الَّذِيْنَ اٰمَنُوْا لَا تُبْطِلُوْا صَدَقٰتِكُمْ بِالْمَنِّ وَالْاَذٰى ۙ كَالَّذِيْ يُنْفِقُ مَالَهٗ رِئَآءَ النَّاسِ وَلَا يُؤْمِنُ بِاللّٰهِ وَالْيَوْمِ الْاٰخِرِ ۗ فَمَثَلُهٗ كَمَثَلِ صَفْوَانٍ عَلَيْهِ تُرَابٌ فَاَصَابَهٗ وَابِلٌ فَتَرَكَهٗ صَلْدًا ۗ لَا يَقْدِرُوْنَ عَلٰى شَيْءٍ مِّمَّا كَسَبُوْا ۗ وَاللّٰهُ لَا يَهْدِي الْقَوْمَ الْكٰفِرِيْنَ ﴿٢٦٤﴾

**265.** Futhi labo abasebenzisa ingcebo yabo ngoba bejonge injabulo kuAllah, nokuqiniswa kwemiphefumulo yabo, bafaniswa nesivande esiphezulu esivundile, okuthi uma imvula enkulu ina kuso sikhiqize izithelo ngokuphindwe kabili; kuthi uma kungeyona imvula enkulu efinyelela

وَمَثَلُ الَّذِيْنَ يُنْفِقُوْنَ اَمْوَالَهُمُ ابْتِغَآءَ مَرْضَاتِ اللّٰهِ وَتَثْبِيْتًا مِّنْ اَنْفُسِهِمْ كَمَثَلِ جَنَّةٍۢ بِرَبْوَةٍ اَصَابَهَا وَابِلٌ فَاٰتَتْ اُكُلَهَا ضِعْفَيْنِ ۚ فَاِنْ لَّمْ يُصِبْهَا وَابِلٌ

kuso, kube umswakama osanelisayo. Ngempela uAllah Ubona konke enikwenzayo.

فَطَلٌّ ۗ وَاللَّهُ بِمَا تَعْمَلُونَ بَصِيرٌ ﴿٢٦٥﴾

**266.** Ingabe ukhona yini phakathi kwenu ofisa ukuba nesivande esinezithelo zesundu nomvini, kanye nemithombo ephuphuma ngaphansi kuso, esinayo yonke inhlobo yesithelo abeseyaguga, futhi izingane sakhe zisencane. (Isivande) bese sifikelwa yisishingishane nomlilo, ushise konke na? UAllah Unicacisela kanjalo imibiko yaKhe ukuze nicabange.

أَيَوَدُّ أَحَدُكُمْ أَن تَكُونَ لَهُ جَنَّةٌ مِّن نَّخِيلٍ وَأَعْنَابٍ تَجْرِي مِن تَحْتِهَا الْأَنْهَارُ لَهُ فِيهَا مِن كُلِّ الثَّمَرَاتِ وَأَصَابَهُ الْكِبَرُ وَلَهُ ذُرِّيَّةٌ ضُعَفَاءُ فَأَصَابَهَا إِعْصَارٌ فِيهِ نَارٌ فَاحْتَرَقَتْ ۗ كَذَٰلِكَ يُبَيِّنُ اللَّهُ لَكُمُ الْآيَاتِ لَعَلَّكُمْ تَتَفَكَّرُونَ ﴿٢٦٦﴾

ISIGABA37.

**267.** O, nina enikholwayo! Nikelani ngokuhle enikuzuzile, nakulezo zithelo zenu eSenza aiphume emhlabathini. Futhi ningahlosi ukuzuza okubi ukuze ninikele ngakho, kanti nina uqobo ningekwamukele ngaphandle kokuvala amehlo nincimfa. Yazini futhi ukuthi uAllah Akaswele lutho, Ufanelwe wudumo lonke.

يَا أَيُّهَا الَّذِينَ آمَنُوا أَنفِقُوا مِن طَيِّبَاتِ مَا كَسَبْتُمْ وَمِمَّا أَخْرَجْنَا لَكُم مِّنَ الْأَرْضِ ۖ وَلَا تَيَمَّمُوا الْخَبِيثَ مِنْهُ تُنفِقُونَ وَلَسْتُم بِآخِذِيهِ إِلَّا أَن تُغْمِضُوا فِيهِ ۚ وَاعْلَمُوا أَنَّ اللَّهَ غَنِيٌّ حَمِيدٌ ﴿٢٦٧﴾

**268.** Usathane unesabisa ngobumpofu, abeseniyala ngezenzo ezimbi, kanti uAllah Unethembisa uxolo kanye nomusa waKhe. Futhi uAllah Unakekela konke, Wazi konke.

الشَّيْطَانُ يَعِدُكُمُ الْفَقْرَ وَيَأْمُرُكُم بِالْفَحْشَاءِ ۖ وَاللَّهُ يَعِدُكُم مَّغْفِرَةً مِّنْهُ وَفَضْلًا ۗ وَاللَّهُ وَاسِعٌ عَلِيمٌ ﴿٢٦٨﴾

يُؤْتِي الْحِكْمَةَ مَنْ يَّشَآءُ ۚ وَمَنْ يُّؤْتَ
الْحِكْمَةَ فَقَدْ اُوْتِيَ خَيْرًا كَثِيْرًا ۗ
وَمَا يَذَّكَّرُ اِلَّآ اُولُوا الْاَلْبَابِ ﴿٢٦٩﴾

**269.** Unika ubuhlakani lowo Amthandileyo, futhi nalowo onikwe ubuhlakani, wemukele ngempela inzuzo echichimayo. Abekho futhi abanokukhumbula lokhu ngaphandle kwalabo aba-qondayo.

وَمَآ اَنْفَقْتُمْ مِّنْ نَّفَقَةٍ اَوْ نَذَرْتُمْ
مِّنْ نَّذْرٍ فَاِنَّ اللّٰهَ يَعْلَمُهٗ ۗ
وَمَا لِلظّٰلِمِيْنَ مِنْ اَنْصَارٍ ﴿٢٧٠﴾

**270.** Noma yimuphi umnikelo eninikela ngawo, noma izifungo enifunga ngazo, ngempela uAllah Uyazazi; kanti izoni azinabalekeleli.

اِنْ تُبْدُوا الصَّدَقٰتِ فَنِعِمَّا هِيَ ۚ
وَاِنْ تُخْفُوْهَا وَتُؤْتُوْهَا الْفُقَرَآءَ
فَهُوَ خَيْرٌ لَّكُمْ ۚ وَيُكَفِّرُ عَنْكُمْ
مِّنْ سَيِّاٰتِكُمْ ۗ وَاللّٰهُ بِمَا
تَعْمَلُوْنَ خَبِيْرٌ ﴿٢٧١﴾

**271.** Uma nidalula umnikelo wenu lokho kuhle; ;kepha uma niwusitheza bese ufinyelela kwa-bampofu ngasese, lokho kuzoba ngcono kinina, futhi uzomela okunye ezonweni zenu. Futhi uAllah Ukwazi kahle konke enikwenzayo.

لَيْسَ عَلَيْكَ هُدٰىهُمْ وَلٰكِنَّ اللّٰهَ
يَهْدِيْ مَنْ يَّشَآءُ ۗ وَمَا تُنْفِقُوْا مِنْ
خَيْرٍ فَلِاَنْفُسِكُمْ ۗ وَمَا تُنْفِقُوْنَ
اِلَّا ابْتِغَآءَ وَجْهِ اللّٰهِ ۗ وَمَا تُنْفِقُوْا
مِنْ خَيْرٍ يُّوَفَّ اِلَيْكُمْ وَاَنْتُمْ
لَا تُظْلَمُوْنَ ﴿٢٧٢﴾

**272.** Akukho emandleni akho (Mprofethi) ukubaholela endleleni eqondile, kepha nguAllah Oholela lowo Amthandileyo endleleni eqondile. Futhi noma yikuphi okuhle eninikela ngakho kuyo-zuzwa yimiphefumulo yenu, nik-wenza futhi lokho kuphela ngoba nihlose ukuhlangana noAllah: ngokuba noma yi kuphi okuhle eninikela ngakho, kuzobuyiselwa kinina, futhi anizuphathwa kabi.

لِلْفُقَرَآءِ الَّذِيْنَ اُحْصِرُوْا فِيْ
سَبِيْلِ اللّٰهِ لَا يَسْتَطِيْعُوْنَ ضَرْبًا
فِي الْاَرْضِ يَحْسَبُهُمُ الْجَاهِلُ اَغْنِيَآءَ
مِنَ التَّعَفُّفِ ۚ تَعْرِفُهُمْ بِسِيْمٰهُمْ ۚ
لَا يَسْـَٔلُوْنَ النَّاسَ اِلْحَافًا ۗ
وَمَا تُنْفِقُوْا مِنْ خَيْرٍ فَاِنَّ اللّٰهَ
بِهٖ عَلِيْمٌ ﴿٢٧٣﴾

**273.** (Umnikelo) owalabo abaswele, bevinjwe umsebenzi kaAllah, abangakwazi ukuhamba (bazihwebele) ezweni. Lowo ongazi enokucabanga ukuthi bacebile, ngoba ebona ukuzithiba kwabo. Nizobazi ngezibonakaliso (zezenzo) zabo: abahambi becela kubantu njalo Noma yikuphi okuhle eninikela ngakho, ngempela uAllah Ukwazi kahle.

ISIGABA38.

اَلَّذِيْنَ يُنْفِقُوْنَ اَمْوَالَهُمْ
بِالَّيْلِ وَالنَّهَارِ سِرًّا وَّعَلَانِيَةً
فَلَهُمْ اَجْرُهُمْ عِنْدَ رَبِّهِمْ ۚ
وَلَا خَوْفٌ عَلَيْهِمْ وَلَا هُمْ يَحْزَنُوْنَ ﴿٢٧٤﴾

**274.** Labo abanikela ngengcebo yabo, (emsebenzini kaAllah) ebusuku nasemini, ngasese noma obala, ngempela umvuzo wabo useNkosini yabo, futhi abazukuba nakwesaba, abazukuba nasizi.

اَلَّذِيْنَ يَاْكُلُوْنَ الرِّبٰوا لَا يَقُوْمُوْنَ اِلَّا كَمَا
يَقُوْمُ الَّذِيْ يَتَخَبَّطُهُ الشَّيْطٰنُ مِنَ
الْمَسِّ ۭ ذٰلِكَ بِاَنَّهُمْ قَالُوْٓا اِنَّمَا الْبَيْعُ
مِثْلُ الرِّبٰوا ۘ وَاَحَلَّ اللّٰهُ الْبَيْعَ وَحَرَّمَ
الرِّبٰوا ۭ فَمَنْ جَاۗءَهٗ مَوْعِظَةٌ مِّنْ رَّبِّهٖ
فَانْتَهٰى فَلَهٗ مَا سَلَفَ ۭ وَاَمْرُهٗٓ اِلَى اللّٰهِ ۭ
وَمَنْ عَادَ فَاُولٰۗىِٕكَ اَصْحٰبُ النَّارِ ۚ هُمْ

**275.** Labo abadla imali yenzalo[1] abamile kahle, kodwa bamise okwalowo ophambaniswe ukuthintwa ngusathane. Imbangela ukuthi bathi: «Ukuhweba kuyefana nje nokuzalanisa ngemali» - kepha uAllah Uvumele ukuhweba Wakwenqabela ukuzalaniswa kwemali: ngakho-ke, noma ubani ngemuva kokwamukela umyalo ovela eNkosini yaKhe abese eyapheza, nokho uzogcina (inzuzo) yalokho osekwadlula, futhi udaba lwakhe lukuAllah; kepha

[1] UAllah Akayibusisanga imali eyinzalo kepha uyinzalo kepha uyiqalekisile.

noma ubani ophikelelayo owabahlobene nomlilo, bayophila kuwo ngonaphakade.

فِيهَا خَٰلِدُونَ ﴿٢٧٥﴾

**276.** UAllah Akanakewehlisela isibusiso emalini eyinzalo, kepha Uyokwandisela okunikelwe ngesihle: ngokuba (ngempela) uAllah Akabathandi bonke abangenakho ukubonga nabaile esonweni.

يَمْحَقُ ٱللَّهُ ٱلرِّبَوٰا۟ وَيُرْبِى ٱلصَّدَقَٰتِ ۗ وَٱللَّهُ لَا يُحِبُّ كُلَّ كَفَّارٍ أَثِيمٍ ﴿٢٧٦﴾

**277.** Ngempela labo aba kholwayo, benze nezenzo ezinhle, begcina umthandazo, futhi benikela kwabampofu, umvuzo wabo si useNkosini yabo. Abazukuba nakwesaba, futhi abazukuba nazi.

إِنَّ ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ وَعَمِلُوا۟ ٱلصَّٰلِحَٰتِ وَأَقَامُوا۟ ٱلصَّلَوٰةَ وَءَاتَوُا۟ ٱلزَّكَوٰةَ لَهُمْ أَجْرُهُمْ عِندَ رَبِّهِمْ وَلَا خَوْفٌ عَلَيْهِمْ وَلَا هُمْ يَحْزَنُونَ ﴿٢٧٧﴾

**278.** O, nina enikholwayo! Yesabani uAllah, futhi nishiye izinsalela enzuzweni eyinzalo, uma (ngempela) ningamakholwa.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ ٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ وَذَرُوا۟ مَا بَقِىَ مِنَ ٱلرِّبَوٰٓا۟ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿٢٧٨﴾

**279.** Ngokuba uma ningakwenzi lokho, niqaphele impi evela kuAllah nasesiThunyweni saKhe[1]; kuzothi uma niphenduka namukele ingqikithi (yemali) yenu (engena nzalo). Ningoni, futhi nani anizuphathwa kabi.

فَإِن لَّمْ تَفْعَلُوا۟ فَأْذَنُوا۟ بِحَرْبٍ مِّنَ ٱللَّهِ وَرَسُولِهِۦ ۖ وَإِن تُبْتُمْ فَلَكُمْ رُءُوسُ أَمْوَٰلِكُمْ لَا تَظْلِمُونَ وَلَا تُظْلَمُونَ ﴿٢٧٩﴾

[1] Impi lapha ichaza: Izingelosi, isiThunywa kanye nabakholwayo besizwa nguAllah ukubhekana nalabo abangakholwa. Funda isahluko 3:121-129.

**280.** Kepha uma lowo (okweletayo) esebunzimeni, nimuphe isikathi esenele (ukuze akwazi ukukhokha) ngaphandle kobunzima. Kepha uma nisiyeka njengomnikelo wabampofu, lokho kungangcono kakhulu kinina uma beninolwazi.

وَإِنْ كَانَ ذُو عُسْرَةٍ فَنَظِرَةٌ إِلَىٰ مَيْسَرَةٍ ۚ وَأَنْ تَصَدَّقُوا خَيْرٌ لَّكُمْ إِن كُنتُمْ تَعْلَمُونَ ﴿٢٨٠﴾

**281.** Futhi nesabe loloSuku enizobuyiselwa ngalo kuAllah, lapho yonke imiphefumulo iyothola umvuzo ngalokho eyakusebenzelayo, futhi abazuphathwa ngokungemthetho.

وَاتَّقُوا يَوْمًا تُرْجَعُونَ فِيهِ إِلَى اللَّهِ ثُمَّ تُوَفَّىٰ كُلُّ نَفْسٍ مَّا كَسَبَتْ وَهُمْ لَا يُظْلَمُونَ ﴿٢٨١﴾

ISIGABA39.

**282.** O, nina enikholwayo! Uma nithengiselana kwesinye isikhathi ngesikweletu nizibhale phansi. Umbhali futhi ashicilele isivumelwano ngeqiniso phakathi kwenu, futhi angenqabi ukubhala njengalokho afundiswa yena nugAllah, ngakhoke makalobe. Akuthi lowo onelungelo (lokukweleta) abeke amazwi angalotshwa, esabe iNkosi yakhe uAllah, futhi anganciphisi lutho kulokho akukweletayo. Kepha uma lowo onelungelo lokukweleta eyisiwula, noma ebuthakathaka, noma engakwazi ukuzimela, laphoke ummeli wakhe amumele ngeqiniso. Kubekhona futhi ofakazi ababili besilisa, phakathi

يَا أَيُّهَا الَّذِينَ آمَنُوا إِذَا تَدَايَنتُم بِدَيْنٍ إِلَىٰ أَجَلٍ مُّسَمًّى فَاكْتُبُوهُ ۚ وَلْيَكْتُب بَّيْنَكُمْ كَاتِبٌ بِالْعَدْلِ ۚ وَلَا يَأْبَ كَاتِبٌ أَن يَكْتُبَ كَمَا عَلَّمَهُ اللَّهُ ۚ فَلْيَكْتُبْ ۚ وَلْيُمْلِلِ الَّذِي عَلَيْهِ الْحَقُّ وَلْيَتَّقِ اللَّهَ رَبَّهُ وَلَا يَبْخَسْ مِنْهُ شَيْئًا ۚ فَإِن كَانَ الَّذِي عَلَيْهِ الْحَقُّ سَفِيهًا أَوْ ضَعِيفًا أَوْ لَا يَسْتَطِيعُ أَن يُمِلَّ هُوَ فَلْيُمْلِلْ وَلِيُّهُ بِالْعَدْلِ ۚ وَاسْتَشْهِدُوا شَهِيدَيْنِ مِن رِّجَالِكُمْ ۖ فَإِن لَّمْ يَكُونَا رَجُلَيْنِ فَرَجُلٌ وَامْرَأَتَانِ مِمَّن تَرْضَوْنَ مِنَ الشُّهَدَاءِ أَن تَضِلَّ

kwenu. Kepha uma engekho amadoda amabili, ibe, yinye, kanye nabesifazane ababili kulabo abathandekayo kinina, babe ofakazi, ukuze uma omunye wabo enza iphutha, omunye akhumbule. Ofakazi futhi bangenqabi uma bebizwa. Futhi ningenqeni ukubhala isivumelwano esincane noma esikhulu mayelana nesikhathi esinqunyiwe. Lokho kuhle kakhulu kuAllah, futhi kuwubufakazi obugcwele, ukuze kungabikho izinsolo phakathi kwenu, ngaphandle uma nithengiselana futhi ninikezana okwangaleso sikhathi, akuna sono uma ningakulobanga phansi. Kepha nibe nofakazi lapho nithengiselana ngezivumelwano, kodwa kungabikho ukuhlukumeza ufakazi noma umlobi; ngokuba uma nikwenza (lokho), ngempela lokho kuyisono kinina. Ngempela nesabe uAllah, ngokuba nguAllah Onifundisayo. UAllah futhi Unolwazi ngezinto zonke.

إِحْدٰىهُمَا فَتُذَكِّرَ إِحْدٰىهُمَا الْأُخْرٰى ۚ
وَلَا يَأْبَ الشُّهَدَآءُ إِذَا مَا دُعُوْا ۚ
وَلَا تَسْـَٔمُوْٓا أَنْ تَكْتُبُوْهُ صَغِيْرًا
أَوْ كَبِيْرًا إِلٰٓى أَجَلِهٖ ۚ ذٰلِكُمْ أَقْسَطُ
عِنْدَ اللّٰهِ وَأَقْوَمُ لِلشَّهَادَةِ وَأَدْنٰٓى
أَلَّا تَرْتَابُوْٓا إِلَّآ أَنْ تَكُوْنَ تِجَارَةً حَاضِرَةً
تُدِيْرُوْنَهَا بَيْنَكُمْ فَلَيْسَ
عَلَيْكُمْ جُنَاحٌ أَلَّا تَكْتُبُوْهَا ۗ
وَأَشْهِدُوْٓا إِذَا تَبَايَعْتُمْ ۠ وَلَا يُضَآرَّ
كَاتِبٌ وَّلَا شَهِيْدٌ ۗ وَإِنْ تَفْعَلُوْا
فَإِنَّهٗ فُسُوْقٌۢ بِكُمْ ۗ وَاتَّقُوا اللّٰهَ ۗ
وَيُعَلِّمُكُمُ اللّٰهُ ۗ وَاللّٰهُ بِكُلِّ
شَيْءٍ عَلِيْمٌ ﴿٢٨٢﴾

**283.** Uma nisohambeni, nangamtholi umlobi, nikhiphe isibambiso esithize komunye: kodwa onikezwe isibambiso akhombise ukwethembeka ngokubuyisela isibambiso, futhi akhombise ukwesaba uAllah iNkosi yakhe. Futhi ningabufihli ubufakazi ngoba, ngempela lowo obufihlayo wakhe-

وَإِنْ كُنْتُمْ عَلٰى سَفَرٍ وَّلَمْ تَجِدُوْا كَاتِبًا فَرِهٰنٌ
مَّقْبُوْضَةٌ ۗ فَإِنْ أَمِنَ بَعْضُكُمْ بَعْضًا فَلْيُؤَدِّ
الَّذِى اؤْتُمِنَ أَمَانَتَهٗ وَلْيَتَّقِ اللّٰهَ رَبَّهٗ ۗ
وَلَا تَكْتُمُوا الشَّهَادَةَ ۗ وَمَنْ يَّكْتُمْهَا فَإِنَّهٗ

la isono enhliziyweni yakhe; futhi uAllah Wazi konke enikwenzayo.

اِثْمٌ قَلْبُهٗ ؕ وَاللّٰهُ بِمَا تَعْمَلُوْنَ عَلِيْمٌ ﴿٢٨٣﴾

ISIGABA40.

**284.** KungokukaAllah konke okusemazulwini nasemhlabeni. Futhi noma ngabe niyakufihla noma niyakwembula okusezinhliziyweni zenu, uAllah Uzonahlulela ngalokhol; futhi Uyothethelela lowo Amhtandileyo, Ajezise futhi lowo Amthandileyo; ngokuba uAllah Unamandla phezu kwezinto zonke.

لِلّٰهِ مَا فِي السَّمٰوٰتِ وَمَا فِي الْاَرْضِ ؕ وَاِنْ تُبْدُوْا مَا فِيْۤ اَنْفُسِكُمْ اَوْ تُخْفُوْهُ يُحَاسِبْكُمْ بِهِ اللّٰهُ ؕ فَيَغْفِرُ لِمَنْ يَّشَآءُ وَيُعَذِّبُ مَنْ يَّشَآءُ ؕ وَاللّٰهُ عَلٰى كُلِّ شَيْءٍ قَدِيْرٌ ﴿٢٨٤﴾

**285.** IsiThunywa sikholwa yilokho okwembulwe kuso kuvela eNkosini yaso, (kanjalo) nabakholwayo. Yilowo nalowo ukholwa kuAllah, nasezingelosini zaKhe, naseziThunyweni zaKhe: «Asibandlululi noyedwa eziThunyweni zaKhe», futhi bathi: «Siyezwa futhi siyalalela. Sicela intethelelo kuWe, Nkosi yethu, ngokuba isiphetho sikuWe!»

اٰمَنَ الرَّسُوْلُ بِمَاۤ اُنْزِلَ اِلَيْهِ مِنْ رَّبِّهٖ وَالْمُؤْمِنُوْنَ ؕ كُلٌّ اٰمَنَ بِاللّٰهِ وَمَلٰٓئِكَتِهٖ وَكُتُبِهٖ وَرُسُلِهٖ ۫ لَا نُفَرِّقُ بَيْنَ اَحَدٍ مِّنْ رُّسُلِهٖ ۫ وَقَالُوْا سَمِعْنَا وَاَطَعْنَا ؗ غُفْرَانَكَ رَبَّنَا وَاِلَيْكَ الْمَصِيْرُ ﴿٢٨٥﴾

**286.** Akukho mphefumulo uAllah Awuthwesa ngaphezu kwamandla awo. Uthola okuhle okusebenzele, uhlupheke ngobubi obenzile: «Nkosi yethu! Ungasijezisi uma sikhohlwa noma siwela esonweni! Nkosi yethu! Ungasithwalisi umthwalo onjengalowo owawuthwesa labo basendulo! Nkosi yethu! Ungasithwesi

لَا يُكَلِّفُ اللّٰهُ نَفْسًا اِلَّا وُسْعَهَا ؕ لَهَا مَا كَسَبَتْ وَعَلَيْهَا مَا اكْتَسَبَتْ ؕ رَبَّنَا لَا تُؤَاخِذْنَاۤ اِنْ نَّسِيْنَاۤ اَوْ اَخْطَاْنَا ۚ رَبَّنَا وَلَا تَحْمِلْ عَلَيْنَاۤ اِصْرًا كَمَا حَمَلْتَهٗ عَلَى الَّذِيْنَ مِنْ قَبْلِنَا ۚ رَبَّنَا وَلَا تُحَمِّلْنَا مَا لَا طَاقَةَ

umthwali esingenawo amandla okuwumela! Susa izono zethu, Usithethelele, futhi Ubenomusa kithina! NguWena Oyisiphephelo sethu, sisize ukubhekana nalabo abangakholwayo!»

لَنَا بِهِۦ ۖ وَٱعْفُ عَنَّا وَٱغْفِرْ لَنَا وَٱرْحَمْنَآ ۚ أَنتَ مَوْلَىٰنَا فَٱنصُرْنَا عَلَى ٱلْقَوْمِ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿٢٨٦﴾

## *SURAH AL-IMRAAN-UMNDENIKA IMRAAN*

## سُوْرَةُ اٰلِ عِمْرٰنَ

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

بِسْمِ اللّٰهِ الرَّحْمٰنِ الرَّحِيْمِ

**1.** Alif Lam Mim[1].

الٓمّٓ ①

**2.** UAllah! Akukho Nkulunkulu ngaphandle kwaKhe, Ophilayo, Ongonaphakade!

اللّٰهُ لَآ اِلٰهَ اِلَّا هُوَ الْحَيُّ الْقَيُّوْمُ ②

**3.** Wembula kuwena (Muhammad ) umbhalo ngeqiniso , ofakazela lokho obekukhona ngaphambili; futhi Wembula iTorah ( umthetho kuMose ), neInjil [2] ( iVangeli kuJesu ) , ngaphambi kwalokhu, ukuze kuholwe isintu, futhi Wembula amandla okuhlunga (phakathi kokuhle nokubi).

نَزَّلَ عَلَيْكَ الْكِتٰبَ بِالْحَقِّ مُصَدِّقًا لِّمَا بَيْنَ يَدَيْهِ وَاَنْزَلَ التَّوْرٰىةَ وَالْاِنْجِيْلَ ③

**4.** Ngempela labo abangakholwa yizimpawu zikaAllah, bayojeziswa kanzima, futhi uAllah Uyakwazi ukujezisa.

مِنْ قَبْلُ هُدًى لِّلنَّاسِ وَاَنْزَلَ الْفُرْقَانَ ۗ اِنَّ الَّذِيْنَ كَفَرُوْا بِاٰيٰتِ اللّٰهِ لَهُمْ عَذَابٌ شَدِيْدٌ ۗ وَاللّٰهُ عَزِيْزٌ ذُو انْتِقَامٍ ④

**5.** Ngempela, akukho lutho olufihlekile kuAllah, kungaba semhlabeni noma emazulwini.

اِنَّ اللّٰهَ لَا يَخْفٰى عَلَيْهِ شَيْءٌ فِى الْاَرْضِ وَلَا فِى السَّمَآءِ ⑤

**6.** NguYena Onibumba esizalweni ngendlela Ayithandayo.

هُوَ الَّذِىْ يُصَوِّرُكُمْ فِى الْاَرْحَامِ كَيْفَ

---

[1] Funda incazelo 5 ngalelibika.

[2] I-Injil yivangeli, ngesiZulu sithi yizindaba ezinhle noma ezimnandi.

Akukho Nkulunkulu ngaphandle kwaKhe, Onamandla, Ohlakaniphile.

يَشَآءُ ۚ لَآ إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ ٱلْعَزِيزُ ٱلْحَكِيمُ ﴿٦﴾

**7.** NguYena Owembula kuwena (Muhammad) iNcwadi, enemibiko okuyiyona ngqikithi, nesisekelo, seNcwadi, kanti eminye iyimfanekiso nje. Kepha labo inhliziyo zabo ezisinga ukuphambuka balandela imibiko eyimifanekiso, befuna okungavumelani futhi befuna nencazelo yawo efihlekile: kepha akekho owazi incazelo yawo ngaphandle kukaAllah. Ngakho-ke labo abagxile ngolwazi bathi: «Siyakholwa kuyo yonke ivela eNkosini yethu-nokho akekho ozwisisayo ngaphandle kwalabo abaqondayo.

هُوَ ٱلَّذِىٓ أَنزَلَ عَلَيْكَ ٱلْكِتَٰبَ مِنْهُ ءَايَٰتٌ مُّحْكَمَٰتٌ هُنَّ أُمُّ ٱلْكِتَٰبِ وَأُخَرُ مُتَشَٰبِهَٰتٌ ۖ فَأَمَّا ٱلَّذِينَ فِى قُلُوبِهِمْ زَيْغٌ فَيَتَّبِعُونَ مَا تَشَٰبَهَ مِنْهُ ٱبْتِغَآءَ ٱلْفِتْنَةِ وَٱبْتِغَآءَ تَأْوِيلِهِۦ ۗ وَمَا يَعْلَمُ تَأْوِيلَهُۥٓ إِلَّا ٱللَّهُ ۘ وَٱلرَّٰسِخُونَ فِى ٱلْعِلْمِ يَقُولُونَ ءَامَنَّا بِهِۦ كُلٌّ مِّنْ عِندِ رَبِّنَا ۗ وَمَا يَذَّكَّرُ إِلَّآ أُو۟لُوا۟ ٱلْأَلْبَٰبِ ﴿٧﴾

**8.** «Nkosi yethu! Ungazivumeli izinhliziyo zethu ziphambuke, ngemuva kokuba Ususiholile, Usiphe futhi umusa ovela kuWena: ngemplela nguWena Ophana ngomusa ongabalwa».

رَبَّنَا لَا تُزِغْ قُلُوبَنَا بَعْدَ إِذْ هَدَيْتَنَا وَهَبْ لَنَا مِن لَّدُنكَ رَحْمَةً ۚ إِنَّكَ أَنتَ ٱلْوَهَّابُ ﴿٨﴾

**9.** «Nkosi yethu! Ngempela nguWena Ozoqoqela isintu ndawonye ngaloloSuku olungengatshazwe; impela, uAllah Akasoze Ahlulwa yisethembiso saKhe».

رَبَّنَآ إِنَّكَ جَامِعُ ٱلنَّاسِ لِيَوْمٍ لَّا رَيْبَ فِيهِ ۚ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يُخْلِفُ ٱلْمِيعَادَ ﴿٩﴾

ISIGABA2.

**10.** Bheka, kulabo abangakholwa, kungaba yingcebo noma

إِنَّ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ لَن تُغْنِىَ عَنْهُمْ أَمْوَٰلُهُمْ

uzalo lwabo alusoze lwabasiza phambi kukaAllah; yibona futhi labo abayokhashelwa emlilweni!

وَلَنْ تُغْنِيَ عَنْهُمْ أَمْوَالُهُمْ وَلَا أَوْلَادُهُمْ مِنَ اللَّهِ شَيْئًا ۖ وَأُولَٰئِكَ هُمْ وَقُودُ النَّارِ ﴿١٠﴾

**11.** Njengesizwe sikaFaro, kanye nalabo ababengaphambi kwabo: abangakholwanga yizimpawu Zethu, ngakho-ke uAllah Waye sebajezisa ngokona kwabo: ngoba uAllah Ujezisa kanzima.

كَدَأْبِ آلِ فِرْعَوْنَ وَالَّذِينَ مِنْ قَبْلِهِمْ ۚ كَذَّبُوا بِآيَاتِنَا فَأَخَذَهُمُ اللَّهُ بِذُنُوبِهِمْ ۗ وَاللَّهُ شَدِيدُ الْعِقَابِ ﴿١١﴾

**12.** Yithi kulabo abaphika ukholo: «Maduze nje nizonqotshwa, bese niqoqelwa ndawonye esihogweni, okuyindawo yokuhlala kanzima.

قُلْ لِلَّذِينَ كَفَرُوا سَتُغْلَبُونَ وَتُحْشَرُونَ إِلَىٰ جَهَنَّمَ ۚ وَبِئْسَ الْمِهَادُ ﴿١٢﴾

**13.** Senike nanikwa uphawu lapho amaqembu amabili amabutho ehlangana empini. Elinye iqembu laliwa lisendleleni kaAllah, kanti elinye laliMphika; futhi lelo lazibonela ngamehlo, (abakholwayo) kungathi bayisibalo esingaphezulu kwenani ababeyilo[1]. Kanjalo uAllah Usekela ngosizo lwaKhe lowo Amthandileyo. Lokhu bheka, kuyisifundo ngempela kulabo abanamehlo okubona.

قَدْ كَانَ لَكُمْ آيَةٌ فِي فِئَتَيْنِ الْتَقَتَا ۖ فِئَةٌ تُقَاتِلُ فِي سَبِيلِ اللَّهِ وَأُخْرَىٰ كَافِرَةٌ يَرَوْنَهُمْ مِثْلَيْهِمْ رَأْيَ الْعَيْنِ ۚ وَاللَّهُ يُؤَيِّدُ بِنَصْرِهِ مَنْ يَشَاءُ ۗ إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَعِبْرَةً لِأُولِي الْأَبْصَارِ ﴿١٣﴾

**14.** Okutuswa ngabantu yilokho okubayengayo, njengesifazane, namadodana, izingqumbi zegolide

زُيِّنَ لِلنَّاسِ حُبُّ الشَّهَوَاتِ مِنَ النِّسَاءِ

[1] Incazelo uzoyithola kwisahluko 3:121-129.

nesiliva; amahhashi ohlobo lwe-khethelo: izinkomo kanye namasi-mu alinywe kahle. Injalo-ke ingcebo empilweni yakulomhlaba. Kepha kuAllah kunendawo en-gcono eninokubuyela kuyo.

وَالْبَنِينَ وَالْقَنَاطِيرِ الْمُقَنطَرَةِ مِنَ
الذَّهَبِ وَالْفِضَّةِ وَالْخَيْلِ الْمُسَوَّمَةِ وَالْأَنْعَامِ
وَالْحَرْثِ ۗ ذَٰلِكَ مَتَاعُ الْحَيَاةِ الدُّنْيَا ۖ وَاللَّهُ
عِندَهُ حُسْنُ الْمَآبِ ﴿١٤﴾

**15.** Yithi: «Nginethulele yini izindaba ezimnandi zezinto ezing-cono kunalezo na? Nakhu okwa-labo abagwema ububi, yizivande ezisondelene neNkosi yabo, ezine-mifula egobhoza ngaphansi kuzo, bayophila kuzo kanye ne-zithandwa ezimsulwa, nokwene-liswa nguAllah. Futhi uAllah Uyazi ngezinceku zaKhe.

قُلْ أَؤُنَبِّئُكُم بِخَيْرٍ مِّن ذَٰلِكُمْ ۚ لِلَّذِينَ اتَّقَوْا
عِندَ رَبِّهِمْ جَنَّاتٌ تَجْرِي مِن تَحْتِهَا الْأَنْهَارُ
خَالِدِينَ فِيهَا وَأَزْوَاجٌ مُّطَهَّرَةٌ وَرِضْوَانٌ
مِّنَ اللَّهِ ۗ وَاللَّهُ بَصِيرٌ بِالْعِبَادِ ﴿١٥﴾

**16.** Lezo ezithi: «Nkosi yethu! Ngempela sesikholiwe: ngakho Sithethelele izono zethu, futhi Usihlenge ekujezisweni ngomlilo.

الَّذِينَ يَقُولُونَ رَبَّنَا إِنَّنَا آمَنَّا فَاغْفِرْ لَنَا
ذُنُوبَنَا وَقِنَا عَذَابَ النَّارِ ﴿١٦﴾

**17.** Labo ababekezelayo, futhi abaneqiniso bezithiba, nabezwayo, nabasebenzisa abakwabelwe, be-thandaza becela intethelelo ngezi-khathi zangovivi.

الصَّابِرِينَ وَالصَّادِقِينَ وَالْقَانِتِينَ
وَالْمُنفِقِينَ وَالْمُسْتَغْفِرِينَ بِالْأَسْحَارِ ﴿١٧﴾

**18.** Ubufakazi bukaAllah (bu-thi): akukho Nkulunkulu nga-phandle kwaKhe, nezingelosi, kanye nalabo abanolwazi begxile emthethweni (bafakaza bathi): «Akukho Nkulunkulu ngaphandle kwaKhe, Yena Onamandla, Ohla-kaniphile».

شَهِدَ اللَّهُ أَنَّهُ لَا إِلَٰهَ إِلَّا هُوَ وَالْمَلَائِكَةُ
وَأُولُو الْعِلْمِ قَائِمًا بِالْقِسْطِ ۚ لَا إِلَٰهَ
إِلَّا هُوَ الْعَزِيزُ الْحَكِيمُ ﴿١٨﴾

**19.** Ngempela inkolo ephambi kukaAllah yiIslam (ukuzinikela kuYe). Nabo labo bantu beNcwadi baphambuka emveni kokuba ulwazi selwafika kubona, bona phakathi kwabo. ngakho-ke yilowo nalowo ophika imibiko kaAllah, uAllah Uyashesha ukumgweba!

إِنَّ الدِّينَ عِندَ اللَّهِ الْإِسْلَامُ ۗ وَمَا اخْتَلَفَ الَّذِينَ أُوتُوا الْكِتَابَ إِلَّا مِن بَعْدِ مَا جَاءَهُمُ الْعِلْمُ بَغْيًا بَيْنَهُمْ ۗ وَمَن يَكْفُرْ بِآيَاتِ اللَّهِ فَإِنَّ اللَّهَ سَرِيعُ الْحِسَابِ ﴿١٩﴾

**20.** Uma bephikisana nawe, uthi: «Sengizinikele ngakho konke kuAllah, kanjalo nalabo abangilandelayo». Uthi futhi kulabo bantu beNcwadi, nalabo abangafundile: «Ingabe nani niyazinikela yini kuYena na?» Uma bezinikela, ngempela baholwe kahle; kepha uma behlehla nyova, -bheka, umsebenzi wakho ukwethula umbiko kuphela: ngokuba uAllah Uzibhekile izinceku zaKhe.

فَإِنْ حَاجُّوكَ فَقُلْ أَسْلَمْتُ وَجْهِيَ لِلَّهِ وَمَنِ اتَّبَعَنِ ۗ وَقُل لِّلَّذِينَ أُوتُوا الْكِتَابَ وَالْأُمِّيِّينَ أَأَسْلَمْتُمْ ۚ فَإِنْ أَسْلَمُوا فَقَدِ اهْتَدَوا ۖ وَّإِن تَوَلَّوْا فَإِنَّمَا عَلَيْكَ الْبَلَاغُ ۗ وَاللَّهُ بَصِيرٌ بِالْعِبَادِ ﴿٢٠﴾

ISIGABA3.

**21.** Impela labo abangakholwa yimibiko kaAllah, futhi bebulala nabaProfethi ngokungemthetho, bebulala nalabo abafundisa abantu ukuziphatha kahle, baxwayise ngesijeziso esibuhlungu.

إِنَّ الَّذِينَ يَكْفُرُونَ بِآيَاتِ اللَّهِ وَيَقْتُلُونَ النَّبِيِّينَ بِغَيْرِ حَقٍّ وَيَقْتُلُونَ الَّذِينَ يَأْمُرُونَ بِالْقِسْطِ مِنَ النَّاسِ فَبَشِّرْهُم بِعَذَابٍ أَلِيمٍ ﴿٢١﴾

**22.** Yibo-ke labo imisebenzi yabo engena kuba nazithelo kulomhlaba nakweLizayo, futhi bengena kuba namsizi.

أُولَٰئِكَ الَّذِينَ حَبِطَتْ أَعْمَالُهُمْ فِي الدُّنْيَا وَالْآخِرَةِ ۖ وَمَا لَهُم مِّن نَّاصِرِينَ ﴿٢٢﴾

**23.** Awubonanga yini labo abembulelwa inxenye yeNcwadi

أَلَمْ تَرَ إِلَى الَّذِينَ أُوتُوا نَصِيبًا مِّنَ الْكِتَابِ

na? Bamenyelwa eNcwadini kaAllah, ukuze baxazulule izimpikiswano zabo, kepha abanye babo bahlehlela emuva futhi bephika.

يُدْعَوْنَ إِلَىٰ كِتَٰبِ ٱللَّهِ لِيَحْكُمَ بَيْنَهُمْ ثُمَّ يَتَوَلَّىٰ فَرِيقٌ مِّنْهُمْ وَهُم مُّعْرِضُونَ ﴿٢٣﴾

**24.** Yingoba bethi: «Umlilo uzosihangula izinsukwana nje ezimbalwa». Lokho futhi abaziqambela kona kubakhohlisile mayelana nenkolo yabo.

ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ قَالُوا۟ لَن تَمَسَّنَا ٱلنَّارُ إِلَّآ أَيَّامًا مَّعْدُودَٰتٍ ۖ وَغَرَّهُمْ فِى دِينِهِم مَّا كَانُوا۟ يَفْتَرُونَ ﴿٢٤﴾

**25.** Ingabe bayokwenza njani, uma Sesibadidiyela ndawonye ngaloloSuku olungengatshazwe, lapho lowo nalowo mphefumulo uyomukeliswa ngalokho okusebenzele ngokomthetho na?

فَكَيْفَ إِذَا جَمَعْنَٰهُمْ لِيَوْمٍ لَّا رَيْبَ فِيهِ ۖ وَوُفِّيَتْ كُلُّ نَفْسٍ مَّا كَسَبَتْ وَهُمْ لَا يُظْلَمُونَ ﴿٢٥﴾

**26.** Yithi: «O, Allah! Mnini wamandla nombuso! Unika umbuso lowo Omthandileyo, futhi Uphuca umbuso lowo Othande ukumphuca; Uphakamisa futhi isithunzi salowo Omthandileyo, Wehlise isithunzi kulowo Othade ukumehlisa. Esandleni saKho kundabo bonke ubuhle. Ngempela phezu kwakho konke nguWena Onamandla.

قُلِ ٱللَّهُمَّ مَٰلِكَ ٱلْمُلْكِ تُؤْتِى ٱلْمُلْكَ مَن تَشَآءُ وَتَنزِعُ ٱلْمُلْكَ مِمَّن تَشَآءُ وَتُعِزُّ مَن تَشَآءُ وَتُذِلُّ مَن تَشَآءُ ۖ بِيَدِكَ ٱلْخَيْرُ ۖ إِنَّكَ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٢٦﴾

**27.** Wenza ubusuku ukuba bongamele imini, futhi Wenza nemini ukuba yongamele ubusuku, Wenza abaphilayo ngokufileyo, Uletha nokufa futhi kulabo abaphilayo. Wabela nalowo futhi Omthandileyo, ngaphandle kwesilinganiso.

تُولِجُ ٱلَّيْلَ فِى ٱلنَّهَارِ وَتُولِجُ ٱلنَّهَارَ فِى ٱلَّيْلِ ۖ وَتُخْرِجُ ٱلْحَىَّ مِنَ ٱلْمَيِّتِ وَتُخْرِجُ ٱلْمَيِّتَ مِنَ ٱلْحَىِّ ۖ وَتَرْزُقُ مَن تَشَآءُ بِغَيْرِ حِسَابٍ ﴿٢٧﴾

**28.** Abakholwayo bangathathi labo abangakholwa nje nga-bangane kunalabo abakholwayo; kepha uma bona bekwenza lokho, aluzukuba khona usizo lukaAllah; kuphela babe namaqhinga abo okuziphephisa kubona. Ngempela uAllah Uyanixwayisa Yena uqo-bo, futhi isiphetho sikuAllah.

لَا يَتَّخِذِ الْمُؤْمِنُونَ الْكٰفِرِينَ أَوْلِيَآءَ مِن دُونِ الْمُؤْمِنِينَ ۖ وَمَن يَفْعَلْ ذٰلِكَ فَلَيْسَ مِنَ اللَّهِ فِى شَىْءٍ إِلَّآ أَن تَتَّقُوا۟ مِنْهُمْ تُقَىٰةً ۗ وَيُحَذِّرُكُمُ اللَّهُ نَفْسَهُۥ ۗ وَإِلَى اللَّهِ الْمَصِيرُ ﴿٢٨﴾

**29.** Yithi: «Noma ngabe niya-kufihla, noma niyakuveza okuse-zinhliziyweni zenu, uAllah Uyakwazi: ngokuba Wazi okuse-mazulwini, nokusemhlabeni; futhi uAllah Unamandla phezu kwe-zinto zonke».

قُلْ إِن تُخْفُوا۟ مَا فِى صُدُورِكُمْ أَوْ تُبْدُوهُ يَعْلَمْهُ اللَّهُ ۗ وَيَعْلَمُ مَا فِى السَّمٰوٰتِ وَمَا فِى الْأَرْضِ ۗ وَاللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ قَدِيرٌ ﴿٢٩﴾

**30.** NgaloloSuku yonke imi-phefumulo iyohlangana nabo bonke ubuhle ebenzile, nabo bonke ububi ebenzile iyofisa engathi kungaba khona ibanga elide kakhulu phakathi kwayo nalokho (okubi). Ngakho-ke uAl-lah Uyanixwayisa Yena Uqobo, futhi uAllah Unomusa ezincekwini zaKhe.

يَوْمَ تَجِدُ كُلُّ نَفْسٍ مَّا عَمِلَتْ مِنْ خَيْرٍ مُّحْضَرًا ۚ وَمَا عَمِلَتْ مِن سُوٓءٍ تَوَدُّ لَوْ أَنَّ بَيْنَهَا وَبَيْنَهُۥٓ أَمَدًۢا بَعِيدًا ۗ وَيُحَذِّرُكُمُ اللَّهُ نَفْسَهُ ۗ وَاللَّهُ رَءُوفٌۢ بِالْعِبَادِ ﴿٣٠﴾

ISIGABA4.

**31.** Yithi: «Uma niMthanda uAllah, landelani mina, uAllah Uzonithanda futhi Anithethelele izono zenu: ngokuba uAllah Unentethelelo, Unomusa».

قُلْ إِن كُنتُمْ تُحِبُّونَ اللَّهَ فَاتَّبِعُونِى يُحْبِبْكُمُ اللَّهُ وَيَغْفِرْ لَكُمْ ذُنُوبَكُمْ ۗ وَاللَّهُ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٣١﴾

قُلْ أَطِيعُوا اللَّهَ وَالرَّسُولَ ۖ فَإِن تَوَلَّوْا فَإِنَّ اللَّهَ لَا يُحِبُّ الْكَافِرِينَ ﴿٣٢﴾

**32.** Yithi: «Thobelani uAllah, kanye nesiThunywa saKhe». Kepha uma behlehlela emuva, uAllah Akabathandi ngempela abangakholwa.

إِنَّ اللَّهَ اصْطَفَىٰ آدَمَ وَنُوحًا وَآلَ إِبْرَاهِيمَ وَآلَ عِمْرَانَ عَلَى الْعَالَمِينَ ﴿٣٣﴾

**33.** Ngempela uAllah Wamqoka uAdam noNowa, kanye nomndeni kaAbraham, nokaImran (ukudlulisa umbiko) emazweni onke.

ذُرِّيَّةً بَعْضُهَا مِن بَعْضٍ ۗ وَاللَّهُ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿٣٤﴾

**34.** Uzalo olunye luphuma kolunye. (Impela) futhi uAllah Uyeyzwa Wazi konke.

إِذْ قَالَتِ امْرَأَتُ عِمْرَانَ رَبِّ إِنِّي نَذَرْتُ لَكَ مَا فِي بَطْنِي مُحَرَّرًا فَتَقَبَّلْ مِنِّي ۖ إِنَّكَ أَنتَ السَّمِيعُ الْعَلِيمُ ﴿٣٥﴾

**35.** Bheka! UmkaImran[1] wathi: «O, Nkosi yami! Impela ngizonikela kuWe ngokusesizalweni sami, emsebenzini waKho. Amukela lokhu kimina: ngempela nguWena kuphela Ozwa-konke, Owazi-konke!»

فَلَمَّا وَضَعَتْهَا قَالَتْ رَبِّ إِنِّي وَضَعْتُهَا أُنثَىٰ وَاللَّهُ أَعْلَمُ بِمَا وَضَعَتْ وَلَيْسَ الذَّكَرُ كَالْأُنثَىٰ ۖ وَإِنِّي سَمَّيْتُهَا مَرْيَمَ وَإِنِّي أُعِيذُهَا بِكَ وَذُرِّيَّتَهَا مِنَ الشَّيْطَانِ الرَّجِيمِ ﴿٣٦﴾

**36.** Kwathi ukuba abelethe wathi: «O, Nkosi yami! Bheka, ngithole intombazanyana!» -kanti uAllah Wayazi kangcono ngakubelethile, ingani isilisa asifani nesifazane- «futhi sengimqambile nguMariya. Futhi impela, sengimnikele ngaye kanye nozalo lwakhe ukuba bahlengwe nguWena kusathane oqalekisiwe».

فَتَقَبَّلَهَا رَبُّهَا بِقَبُولٍ حَسَنٍ وَأَنبَتَهَا نَبَاتًا حَسَنًا وَكَفَّلَهَا زَكَرِيَّا ۖ كُلَّمَا دَخَلَ عَلَيْهَا

**37.** Kwayilapho iNkosi yakhe Imamukela ngokugcwele, wakhula

[1] Unina kaMariyam (Mariya).

kahle enesimilo eqashelwe nguZakariya[1]. Kwakuthi njalo uma uZakariya eya elawini eyombona, amthole enokudla. Athi: «Mariya! Kuvelaphi lokhuna?» (uMariya) Athi: «Kuvela kuAllah. Ngempela uAllah Wabela lowo Amthandileyo ngaphandle kwesilinganiso».

زَكَرِيَّا الْمِحْرَابَ وَجَدَ عِندَهَا رِزْقًا ۖ قَالَ
يَا مَرْيَمُ أَنَّىٰ لَكِ هَٰذَا ۖ قَالَتْ هُوَ مِنْ عِندِ اللَّهِ ۖ
إِنَّ اللَّهَ يَرْزُقُ مَن يَشَاءُ بِغَيْرِ حِسَابٍ ﴿٣٧﴾

**38.** Lapho-ke uZakariya wakhuleka eNkosini yakhe ethi: «O, Nkosi yami! Ngiphe ngomusa waKho uzalo olumsulwa: ngokuba nguWena ngempela Ozwa imikhuleko (yonke)».

هُنَالِكَ دَعَا زَكَرِيَّا رَبَّهُ ۖ قَالَ رَبِّ هَبْ لِي
مِن لَّدُنكَ ذُرِّيَّةً طَيِّبَةً ۖ إِنَّكَ سَمِيعُ
الدُّعَاءِ ﴿٣٨﴾

**39.** Izingelosi zamemeza lapho esakhuleka elawini: «UAllah Ukunika izindaba ezimnandi (zendodana) uJohane[2], ongufakazi weqiniso ngezwi likaAllah, uhloniphekile, umsulwa, futhi unguMprofethi ovela phakathi kwabalungileyo».

فَنَادَتْهُ الْمَلَائِكَةُ وَهُوَ قَائِمٌ يُصَلِّي فِي
الْمِحْرَابِ أَنَّ اللَّهَ يُبَشِّرُكَ بِيَحْيَىٰ مُصَدِّقًا
بِكَلِمَةٍ مِّنَ اللَّهِ وَسَيِّدًا وَحَصُورًا وَنَبِيًّا
مِّنَ الصَّالِحِينَ ﴿٣٩﴾

**40.** (UZakariya) wathi: «O, Nkosi yami! Ngingaba nendodana kanjani, lokhu sengimdala kangaka, futhi nomkami eyinyumba na?» (Ingelosi) yathi: «Ngaleyondlela uAllah Ufeza lokho Akuthandayo».

قَالَ رَبِّ أَنَّىٰ يَكُونُ لِي غُلَامٌ وَقَدْ بَلَغَنِيَ
الْكِبَرُ وَامْرَأَتِي عَاقِرٌ ۖ قَالَ كَذَٰلِكَ اللَّهُ
يَفْعَلُ مَا يَشَاءُ ﴿٤٠﴾

---

[1] UZakariya kwakungumalume kaMariya.

[2] UJohane (Yahya) owayebhaphathiza ngamanzi, owethu namhlanje siwuthola esahlukweni 2:138, funda nencazelo 51.

قَالَ رَبِّ اجْعَلْ لِّيْٓ اٰيَةً ۭ قَالَ اٰيَتُكَ
اَلَّا تُكَلِّمَ النَّاسَ ثَلٰثَةَ اَيَّامٍ اِلَّا رَمْزًا ۭ
وَاذْكُرْ رَّبَّكَ كَثِيْرًا وَّسَبِّحْ بِالْعَشِيِّ
وَالْاِبْكَارِ ۝

**41.** Wathi: «Nkosi yami! Nginike uphawu!» (Ingelosi) yathi: «Uphawu kuwe ukuthi awuzukhuluma nabantu izinsuku ezintathu, uzosebenzisa izimpawu (zezandla) kuphela. Uhlale ngokukhumbula iNkosi yakho njalo, futhi Uyidumise ngokuhlwa nangokusa».

ISIGABA5.

وَاِذْ قَالَتِ الْمَلٰۗىِٕكَةُ يٰمَرْيَمُ اِنَّ اللّٰهَ
اصْطَفٰىكِ وَطَهَّرَكِ وَاصْطَفٰىكِ عَلٰي
نِسَاۗءِ الْعٰلَمِيْنَ ۝

**42.** Bheka! Izingelosi zathi: «O, Mariya! Ngempela uAllah Ukuqokile, futhi Wakuhlanza, Wakuqoka phezu kwesifazane ezizweni zonke.

يٰمَرْيَمُ اقْنُتِيْ لِرَبِّكِ وَاسْجُدِيْ وَارْكَعِيْ
مَعَ الرّٰكِعِيْنَ ۝

**43.** O, Mariya! Khonza iNkosi yaKho ngenhlonipho, uwe ngobuso, ukhothame (emthandazweni) kanye nalabo abakhothamayo».

ذٰلِكَ مِنْ اَنْۢبَاۗءِ الْغَيْبِ نُوْحِيْهِ اِلَيْكَ ۭ وَمَا
كُنْتَ لَدَيْهِمْ اِذْ يُلْقُوْنَ اَقْلَامَهُمْ اَيُّهُمْ
يَكْفُلُ مَرْيَمَ ۠ وَمَا كُنْتَ لَدَيْهِمْ اِذْ
يَخْتَصِمُوْنَ ۝

**44.** Lezi yizindaba ngezinto ezingabonwayo, eSikwembulela zona (Muhammad). Wawungekho phakathi kwabo lapho benza inkatho ngemicibisholo, behlola ozoba ngumqapheli kaMariya, futhi wawungekho lapho bephikisana.

اِذْ قَالَتِ الْمَلٰۗىِٕكَةُ يٰمَرْيَمُ اِنَّ اللّٰهَ يُبَشِّرُكِ بِكَلِمَةٍ
مِّنْهُ ۖ اسْمُهُ الْمَسِيْحُ عِيْسَى ابْنُ مَرْيَمَ
وَجِيْهًا فِي الدُّنْيَا وَالْاٰخِرَةِ وَمِنَ
الْمُقَرَّبِيْنَ ۝

**45.** Bheka! Izingelosi zathi: «O, Mariya! UAllah Ukunika izindaba ezimnandi ngezwi eliphuma kuYena: igama (lomntwana) kuzoba nguMesiya (uKrestu) uJesu, indodana kaMariya, ehloniphekile

kuleli nakwe-Lizayo, futhi uzoba kanye nalabo abasondelene (noAllah)».

وَيُكَلِّمُ النَّاسَ فِي الْمَهْدِ وَكَهْلًا وَمِنَ الصَّالِحِينَ ﴿٤٦﴾

**46.** Uzokhuluma futhi nabantu kusukela esembelekweni noma esekhulile, futhi uzoba omunye wabalungileyo».

قَالَتْ رَبِّ أَنَّىٰ يَكُونُ لِي وَلَدٌ وَلَمْ يَمْسَسْنِي بَشَرٌ ۖ قَالَ كَذَٰلِكِ اللَّهُ يَخْلُقُ مَا يَشَاءُ ۚ إِذَا قَضَىٰ أَمْرًا فَإِنَّمَا يَقُولُ لَهُ كُن فَيَكُونُ ﴿٤٧﴾

**47.** Wathi (uMariya): «O, Nkosi yami! Ngizoba nendodana kanjani, lokhu indoda ingakaze ingithinte na?» Yathi (iNgelosi): «Noma kunjalo: uAllah Udala ngendlela Ayithandayo, uma Ehlose ukwenza utho, umane Athi: 'Yenzeka!'-bese kwenzeka».

وَيُعَلِّمُهُ الْكِتَابَ وَالْحِكْمَةَ وَالتَّوْرَاةَ وَالْإِنجِيلَ ﴿٤٨﴾

**48.** UAllah Uzomupha ulwazi lweNcwadi, nobuhlakani, noMthetho[1] kanye neVangeli.

وَرَسُولًا إِلَىٰ بَنِي إِسْرَائِيلَ أَنِّي قَدْ جِئْتُكُم بِآيَةٍ مِّن رَّبِّكُمْ ۖ أَنِّي أَخْلُقُ لَكُم مِّنَ الطِّينِ كَهَيْئَةِ الطَّيْرِ فَأَنفُخُ فِيهِ فَيَكُونُ طَيْرًا بِإِذْنِ اللَّهِ ۖ وَأُبْرِئُ الْأَكْمَهَ وَالْأَبْرَصَ وَأُحْيِي الْمَوْتَىٰ بِإِذْنِ اللَّهِ ۖ وَأُنَبِّئُكُم بِمَا تَأْكُلُونَ وَمَا تَدَّخِرُونَ فِي بُيُوتِكُمْ ۚ إِنَّ فِي ذَٰلِكَ لَآيَةً لَّكُمْ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿٤٩﴾

**49.** AbeyisiThunywa futhi kubantwana bakaIsrayeli (athi): «Ngithunyelwe kinina nophawu luvela eNkosini yenu. Ngalo nginenzela ngobumba isimo senyoni, ngiphefumulele kulo bese luphenduka luba yinyoni ngentando kaAllah; futhi ngiphilisa labo abazelwe beyizimpumputhe , nabanobulephelo, ngivusa futhi nabafile ngentando kaAllah. Ngi-

[1] I-Torah umthetho owembulwa kuMose entabeni yaseSinayi.

nazisa futhi ngalokho enikudlayo, kanye nalokho enikugcina ezindlini zenu. Bheka, kukho konke lokhu ngempela kunophawu kinina uma ningabakholiweyo».

وَمُصَدِّقًا لِّمَا بَيْنَ يَدَيَّ مِنَ التَّوْرٰىةِ وَلِأُحِلَّ لَكُمْ بَعْضَ الَّذِيْ حُرِّمَ عَلَيْكُمْ وَجِئْتُكُمْ بِاٰيَةٍ مِّنْ رَّبِّكُمْ فَاتَّقُوا اللّٰهَ وَاَطِيْعُوْنِ ﴿٥٠﴾

**50.** «Futhi ngizo gcwalisa iTorah (umthetho) owawungaphambi kwami, ngizo nixegisela kokunye obekungavumelekile kinina. Ngize kinina futhi nophawu oluvela eNkosini yenu. Yesabani uAllah, futhi ningilalele.

اِنَّ اللّٰهَ رَبِّيْ وَرَبُّكُمْ فَاعْبُدُوْهُ ؕ هٰذَا صِرَاطٌ مُّسْتَقِيْمٌ ﴿٥١﴾

**51.** Ngempela uAllah UyiNkosi yami, futhi UyiNkosi yenu; ngakho-ke Mkhonzeni. Lena yindlela eqondile».

فَلَمَّآ اَحَسَّ عِيْسٰى مِنْهُمُ الْكُفْرَ قَالَ مَنْ اَنْصَارِيْٓ اِلَى اللّٰهِ ؕ قَالَ الْحَوَارِيُّوْنَ نَحْنُ اَنْصَارُ اللّٰهِ ۚ اٰمَنَّا بِاللّٰهِ ۚ وَاشْهَدْ بِاَنَّا مُسْلِمُوْنَ ﴿٥٢﴾

**52.** Kwathi ukuba uJesu abone ukuthi abakholwa wathi: «Ubani ozongisiza kulendlela kaAllah na?» Abafundi bakhe bathi: «Singabasizi bakaAllah, sikholwa kuAllah, futhi wena yibangufakazi ukuthi thina singamaMuslim (abathobela uAllah)!

رَبَّنَآ اٰمَنَّا بِمَآ اَنْزَلْتَ وَاتَّبَعْنَا الرَّسُوْلَ فَاكْتُبْنَا مَعَ الشّٰهِدِيْنَ ﴿٥٣﴾

**53.** O, Nkosi yethu! Siyakholwa kulokho Osukwembulile, futhi silandela isiThunywa, ngakho-ke Sibhale kanye nalabo abafakazayo».

وَمَكَرُوْا وَمَكَرَ اللّٰهُ ؕ وَاللّٰهُ خَيْرُ

**54.** Benza uzungu (abanga-

kholwa), noAllah Wenza icebo (ukubhekana nabo); futhi uAllah Ungcono kunabenza uzungu[1].

الْمَكِرِينَ ﴿٥٤﴾

ISIGABA6.

**55.** Bheka! UAllah Wathi: «Jesu! Ngempela ngizokuthabatha ngikwenyusele kiMi, Ngikuhlambulule kulabo abanga kholwa[2]; ngenze laba abakulandelayo babengcono kunalabo abangakholwa kuze kube ngoSuku lokuvuka. Ngakho-ke nizobuyela kiMi Nginehlulele ngalokho ebeniphikisana ngakho».

إِذْ قَالَ اللَّهُ يَا عِيسَىٰ إِنِّي مُتَوَفِّيكَ وَرَافِعُكَ إِلَيَّ وَمُطَهِّرُكَ مِنَ الَّذِينَ كَفَرُوا وَجَاعِلُ الَّذِينَ اتَّبَعُوكَ فَوْقَ الَّذِينَ كَفَرُوا إِلَىٰ يَوْمِ الْقِيَامَةِ ۖ ثُمَّ إِلَيَّ مَرْجِعُكُمْ فَأَحْكُمُ بَيْنَكُمْ فِيمَا كُنتُمْ فِيهِ تَخْتَلِفُونَ ﴿٥٥﴾

**56.** «Uma kuyilabo abangakholwa, Ngizobajezisa kanzima, kulomhlaba nakeweLizayo, futhi abazukuba namsizi».

فَأَمَّا الَّذِينَ كَفَرُوا فَأُعَذِّبُهُمْ عَذَابًا شَدِيدًا فِي الدُّنْيَا وَالْآخِرَةِ وَمَا لَهُم مِّن نَّاصِرِينَ ﴿٥٦﴾

**57.** «Kanti labo abakholwayo benze nezenzo ezinhle Uzobakhokhela umvuzo ngokugcwele: ngokuba uAllah Akabathandi abenza ububi».

وَأَمَّا الَّذِينَ آمَنُوا وَعَمِلُوا الصَّالِحَاتِ فَيُوَفِّيهِمْ أُجُورَهُمْ ۗ وَاللَّهُ لَا يُحِبُّ الظَّالِمِينَ ﴿٥٧﴾

**58.** «Lokhu eSikuchazela kona ngemibiko, kuyisikhumbuzo nobuhlakani».

ذَٰلِكَ نَتْلُوهُ عَلَيْكَ مِنَ الْآيَاتِ وَالذِّكْرِ الْحَكِيمِ ﴿٥٨﴾

---

[1] Uzungu olwenziwa amaJuda ukubulala uJesu, kanti icebo likaAllah kwaba ukumhlenga. Ibhayibheli lithi: wasindiswa ekufeni uJesu (ukuthula kube kuye) Heberu 5:7.

[2] Babefuna uJesu ahlazeke ngokufela emthini: «Ophanyekiweyo uqalekisiwe nguNkulunkulu». Dut. 21:23. UJesu (ukuthula kube kuye) akaweli kulesosigaba sokufa ngalendlela eqalekisiwe.

**59.** Ngempela iyefana indlela adalwa ngayo uJesu nguAllah, izifanela nekaAdam. Wamdala ngothuli, Wathi kuye: «Yenzeka». Kwenzeka.

إِنَّ مَثَلَ عِيسَىٰ عِندَ اللَّهِ كَمَثَلِ آدَمَ ۖ خَلَقَهُ مِن تُرَابٍ ثُمَّ قَالَ لَهُ كُن فَيَكُونُ ﴿٥٩﴾

**60.** Leliqiniso livela eNkosini yakho; ngakho-ke ungabi womunye wabangabazayo![1]

الْحَقُّ مِن رَّبِّكَ فَلَا تَكُن مِّنَ الْمُمْتَرِينَ ﴿٦٠﴾

**61.** Futhi noma ubani ophikisana nawe ngaloludaba, ngemuva kokuba ulwazi selufikile kuwena, uthi: «Wozani! Sihlangane ndawonye, amadodana ethu kanye namadodana enu, amakhosikazi ethu kanye namakhosikazi enu, thina kanye nani; masithandaze sijule sicele isiqalekiso sikaAllah, sibe kulabo abaqamba amanga phakathi kwethu!»

فَمَنْ حَاجَّكَ فِيهِ مِن بَعْدِ مَا جَاءَكَ مِنَ الْعِلْمِ فَقُلْ تَعَالَوْا نَدْعُ أَبْنَاءَنَا وَأَبْنَاءَكُمْ وَنِسَاءَنَا وَنِسَاءَكُمْ وَأَنفُسَنَا وَأَنفُسَكُمْ ثُمَّ نَبْتَهِلْ فَنَجْعَل لَّعْنَتَ اللَّهِ عَلَى الْكَاذِبِينَ ﴿٦١﴾

**62.** Bheka! Loluwudaba lweqiniso: akukho Nkulunkulu ngaphandle kukaAllah, futhi ngempela uAllah Unamandla, Uhlakaniphile.

إِنَّ هَٰذَا لَهُوَ الْقَصَصُ الْحَقُّ ۚ وَمَا مِنْ إِلَٰهٍ إِلَّا اللَّهُ ۚ وَإِنَّ اللَّهَ لَهُوَ الْعَزِيزُ الْحَكِيمُ ﴿٦٢﴾

**63.** Kepha uma behlehla nyova, ngempela uAllah Unolwazi olugcwele ngezigangi.

فَإِن تَوَلَّوْا فَإِنَّ اللَّهَ عَلِيمٌ بِالْمُفْسِدِينَ ﴿٦٣﴾

ISIGABA7.

**64.** Yithi: «O, bantu beNcwadi!

قُلْ يَا أَهْلَ الْكِتَابِ تَعَالَوْا إِلَىٰ كَلِمَةٍ

[1] UAllah lapha Usicacisela ngokudalwa kukaJesu, kufana ncamashi nokudalwa komuntu wokuqala; wadalwa kungekho muntu ophilayo emhlabeni.

Asivumelaneni ngezwi elilodwa phakathi kwethu kanye nani, ukuthi asikhonzi lutho ngaphandle kukaAllah, nokuthi asiMbhangqi nalutho, nokuthi asizuthatha abanye nje ngamaKhosi esikhundleni sikaAllah[1]». Kepha uma behlehla nyova, nithi: «Yibani ngofakazi ukuthi singamaMuslim (abazinikele kuAllah)».

سَوَآءٍۭ بَيْنَنَا وَبَيْنَكُمْ أَلَّا نَعْبُدَ إِلَّا ٱللَّهَ وَلَا نُشْرِكَ بِهِۦ شَيْـًٔا وَلَا يَتَّخِذَ بَعْضُنَا بَعْضًا أَرْبَابًا مِّن دُونِ ٱللَّهِ ۚ فَإِن تَوَلَّوْا۟ فَقُولُوا۟ ٱشْهَدُوا۟ بِأَنَّا مُسْلِمُونَ ﴿٦٤﴾

**65.** «O, bantu beNcwadi![2] Kungani niphikisana ngoAbraham, kanti uMthetho neVangeli kwembulwa ngemuva kwakhe na? Anina kuqonda na?»

يَٰٓأَهْلَ ٱلْكِتَٰبِ لِمَ تُحَآجُّونَ فِىٓ إِبْرَٰهِيمَ وَمَآ أُنزِلَتِ ٱلتَّوْرَىٰةُ وَٱلْإِنجِيلُ إِلَّا مِنۢ بَعْدِهِۦٓ ۚ أَفَلَا تَعْقِلُونَ ﴿٦٥﴾

**66.** Bheka! Niyilabo asebangenelwa ukuphika, ngisho nangezinto enizaziyo! Manje niphikiselani izinto eningenalo ulwazi ngazo na? UAllah ngempela Owaziyo, nina anazi lutho!»

هَٰٓأَنتُمْ هَٰٓؤُلَآءِ حَٰجَجْتُمْ فِيمَا لَكُم بِهِۦ عِلْمٌ فَلِمَ تُحَآجُّونَ فِيمَا لَيْسَ لَكُم بِهِۦ عِلْمٌ ۚ وَٱللَّهُ يَعْلَمُ وَأَنتُمْ لَا تَعْلَمُونَ ﴿٦٦﴾

**67.** UAbraham wayengesiye umJuda noma umKrestu; kepha waye kholwe ngokweqiniso eyiMuslim, futhi engaMbhangqi uMdali kanye nezithixo.

مَا كَانَ إِبْرَٰهِيمُ يَهُودِيًّا وَلَا نَصْرَانِيًّا وَلَٰكِن كَانَ حَنِيفًا مُّسْلِمًا ۖ وَمَا كَانَ مِنَ ٱلْمُشْرِكِينَ ﴿٦٧﴾

**68.** Ngempela labo bantu

إِنَّ أَوْلَى ٱلنَّاسِ بِإِبْرَٰهِيمَ لَلَّذِينَ

[1] «INkosi (uAllah) uNkulunkulu wethu, iNkosi **yinye**». Marko 12:29 Funda isahluko 3:79-80, 112:1-4.

[2] Lapha uAllah Wayekhuluma nabantu asebathola izambulo zaKhe, phakathi kwabo amaJuda namaKrestu.

abahlobene kakhulu noAbraham, yilabo abamlandelayo, njengoba kwenza lomProfethi, kanye nalabo abakholwayo. UAllah futhi UnguMhlengi (noMngane) walabo abakholwayo[1].

اتَّبَعُوهُ وَهٰذَا النَّبِيُّ وَالَّذِينَ
اٰمَنُوا ۗ وَاللّٰهُ وَلِيُّ الْمُؤْمِنِينَ ﴿٦٨﴾

**69.** Kuyinjongo yabanye phakathi kwabantu beNcwadi ukuba baneduse: kanti bazilahlekisa bona uqobo kepha ababoni.

وَدَّتْ طَّآئِفَةٌ مِّنْ اَهْلِ الْكِتٰبِ
لَوْ يُضِلُّوْنَكُمْ ۗ وَمَا يُضِلُّوْنَ
اِلَّآ اَنْفُسَهُمْ وَمَا يَشْعُرُوْنَ ﴿٦٩﴾

**70.** O, bantu beNcwadi! Kungani niphika izimpawu zikaAllah, nibe nina uqobo lwenu ningofakazi ngazo na?

يٰٓاَهْلَ الْكِتٰبِ لِمَ تَكْفُرُوْنَ بِاٰيٰتِ اللّٰهِ
وَاَنْتُمْ تَشْهَدُوْنَ ﴿٧٠﴾

**71.** O, bantu beNcwadi! Kungani nisitheza iqiniso ngamanga, futhi nifihla iqiniso nibe nilazi na?

يٰٓاَهْلَ الْكِتٰبِ لِمَ تَلْبِسُوْنَ الْحَقَّ بِالْبَاطِلِ
وَتَكْتُمُوْنَ الْحَقَّ وَاَنْتُمْ تَعْلَمُوْنَ ﴿٧١﴾

ISIGABA8.

**72.** Inxenye yabantu beNcwadi ithi: «Kholwani kulokho okwembulwe kulabo abakholwayo ngezikhathi zasekuseni, futhi nikuphike okokugcina kuso[2] hleza babuye.

وَقَالَتْ طَّآئِفَةٌ مِّنْ اَهْلِ الْكِتٰبِ اٰمِنُوْا بِالَّذِيْٓ
اُنْزِلَ عَلَى الَّذِيْنَ اٰمَنُوْا وَجْهَ النَّهَارِ وَاكْفُرُوْٓا
اٰخِرَهٗ لَعَلَّهُمْ يَرْجِعُوْنَ ﴿٧٢﴾

**73.** Futhi (bathi): «Ningakholwa (abanye) ngaphandle kwalowo osenkolweni yenu». Yithi (Muhammad): «Ukuholwa kweqi-

وَلَا تُؤْمِنُوْٓا اِلَّا لِمَنْ تَبِعَ دِيْنَكُمْ ۗ قُلْ اِنَّ
الْهُدٰى هُدَى اللّٰهِ ۙ اَنْ يُّؤْتٰٓى اَحَدٌ مِّثْلَ
مَآ اُوْتِيْتُمْ اَوْ يُحَآجُّوْكُمْ عِنْدَ رَبِّكُمْ ۗ

[1] UAbraham wayemesaba uNkulunkulu futhi elungile, waze waziwa ngokuthi umngane kaNkulunkulu; waziwa futhi njengoyise wabakholwayo.

[2] Kuso isambulo.

niso ukuholwa nguAllah: (nesaba) ukuthi omunye unikezwe lokho enanikezwa kona, nokuthi bazoqhudelana nani phambi kweNkosi yenu na? Ngempela konke okuhle kusezandleni zikaAllah, Upha lowo Amthandileyo, futhi uAllah Usingathe konke, Wazi konke.

قُلْ إِنَّ الْفَضْلَ بِيَدِ اللَّهِ يُؤْتِيهِ مَنْ يَشَاءُ ۗ وَاللَّهُ وَاسِعٌ عَلِيمٌ ﴿٧٣﴾

**74.** Umusa waKhe Uwukhethele lowo Amthandileyo. Futhi uAllah UyiNkosi yomusa ongapheliyo».

يَخْتَصُّ بِرَحْمَتِهِ مَنْ يَشَاءُ ۚ وَاللَّهُ ذُو الْفَضْلِ الْعَظِيمِ ﴿٧٤﴾

**75.** Phakathi kwabantu beNcwadi, kunalowo okuthi uma ungamphathisa ingqumbi yegolide, engayibuyisela kuwena; kepha abanye uma ungabaphathisa uhlamvu olulodwa lwesiliva, bengeke balibuyisele kuwe, ngaphandle kokuba ubabelesele njalo, njalo. Kungenxa yokuthi bathi: «Akunamsebenzi ukwephula isethembiso kwabezizwe». Ngempela bakhuluma iphutha ngoAllah, futhi bayazi.

وَمِنْ أَهْلِ الْكِتَابِ مَنْ إِنْ تَأْمَنْهُ بِقِنْطَارٍ يُؤَدِّهِ إِلَيْكَ ۖ وَمِنْهُمْ مَنْ إِنْ تَأْمَنْهُ بِدِينَارٍ لَا يُؤَدِّهِ إِلَيْكَ إِلَّا مَا دُمْتَ عَلَيْهِ قَائِمًا ۗ ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ قَالُوا لَيْسَ عَلَيْنَا فِي الْأُمِّيِّينَ سَبِيلٌ ۚ وَيَقُولُونَ عَلَى اللَّهِ الْكَذِبَ وَهُمْ يَعْلَمُونَ ﴿٧٥﴾

**76.** Kulabo abagcina izethembiso zabo, futhi begwema nokubi, ngempela uAllah Uyabathanda labo ababugwemayo.

بَلَىٰ مَنْ أَوْفَىٰ بِعَهْدِهِ وَاتَّقَىٰ فَإِنَّ اللَّهَ يُحِبُّ الْمُتَّقِينَ ﴿٧٦﴾

**77.** Ngempela labo abagudluka ezivumelwaneni zabo noAllah, kanye nenkolo yabo, ngenxa yenzuzo encane, labo-ke abanaso

إِنَّ الَّذِينَ يَشْتَرُونَ بِعَهْدِ اللَّهِ وَأَيْمَانِهِمْ ثَمَنًا قَلِيلًا أُولَٰئِكَ لَا خَلَاقَ لَهُمْ

isabelo kweLizayo: futhi noAllah Akazukhuluma nabo, Akazubabuka futhi Akana kubahlanza. Impela bazojeza kabuhlungu.

فِى الْاٰخِرَةِ وَلَا يُكَلِّمُهُمُ اللّٰهُ وَلَا يَنْظُرُ اِلَيْهِمْ يَوْمَ الْقِيٰمَةِ وَلَا يُزَكِّيْهِمْ وَلَهُمْ عَذَابٌ اَلِيْمٌ ۝

**78.** Futhi kunequembu labo elidunga iNcwadi ngolimi lwabo, ningaze nicabange ukuthi kuyinxenye yeNcwadi, kanti akusiyo (inxenye) yeNcwadi; futhi bathi: «Lokhu kuvela kuAllah». Kepha kungaveli kuAllah: ngempela beqamba amanga ngoAllah, futhi bazi kahle.

وَاِنَّ مِنْهُمْ لَفَرِيْقًا يَّلْوٗنَ اَلْسِنَتَهُمْ بِالْكِتٰبِ لِتَحْسَبُوْهُ مِنَ الْكِتٰبِ وَمَا هُوَ مِنَ الْكِتٰبِ ۚ وَيَقُوْلُوْنَ هُوَ مِنْ عِنْدِ اللّٰهِ وَمَا هُوَ مِنْ عِنْدِ اللّٰهِ ۚ وَيَقُوْلُوْنَ عَلَى اللّٰهِ الْكَذِبَ وَهُمْ يَعْلَمُوْنَ ۝

**79.** Akusoze kuthi umuntu onikezwe iNcwadi nguAllah, nobuhlakani kanye nobuProfethi athi: «Yibani izinceku zami esikhundleni sika-Allah»; kunalokho uye athi: «Yibani yizinceku ezithembekile zeNkosi, ngokuzimisela ukufundisa iNcwadi, nangokuyifunda ngokuthembeka».

مَا كَانَ لِبَشَرٍ اَنْ يُّؤْتِيَهُ اللّٰهُ الْكِتٰبَ وَالْحُكْمَ وَالنُّبُوَّةَ ثُمَّ يَقُوْلَ لِلنَّاسِ كُوْنُوْا عِبَادًا لِّىْ مِنْ دُوْنِ اللّٰهِ وَلٰكِنْ كُوْنُوْا رَبّٰنِيّٖنَ بِمَا كُنْتُمْ تُعَلِّمُوْنَ الْكِتٰبَ وَبِمَا كُنْتُمْ تَدْرُسُوْنَ ۝

**80.** Angeze futhi aniyaleza ukuthi nithathe izingelosi, kanye nabaProfethi njengamaKhosi nabameli. Anganiguqulela yini ebuqabeni ngemuva kokuba senizinikele na? (ningamaMuslim).

وَلَا يَاْمُرَكُمْ اَنْ تَتَّخِذُوا الْمَلٰٓئِكَةَ وَالنَّبِيّٖنَ اَرْبَابًا ۭ اَيَاْمُرُكُمْ بِالْكُفْرِ بَعْدَ اِذْ اَنْتُمْ مُّسْلِمُوْنَ ۝

ISIGABA9.

**81.** Bheka! Mhlazane uAllah enza isivumelwano nabaProfethi (ethi): «Nginginika iNcwadi kanye nobuhlakani, ngemuva kwalokhu kuzofika kinina isiThunywa esi-

وَاِذْ اَخَذَ اللّٰهُ مِيْثَاقَ النَّبِيّٖنَ لَمَآ اٰتَيْتُكُمْ مِّنْ كِتٰبٍ وَّحِكْمَةٍ ثُمَّ جَآءَكُمْ رَسُوْلٌ مُّصَدِّقٌ لِّمَا مَعَكُمْ لَتُؤْمِنُنَّ

zogcwalisa lokho eninakho. Nize nisikholwe futhi nisisize. (UAllah) wathi: «Niyavuma ukuthwala lesivumelwano nje ngesiphoqekile kinina na?» (AbaProfethi) bathi: «Siyasemukela». (UAllah) Wathi: «Yibani ngofakazi, naMi futhi Ngizoba ngomunye wofakazi»[1].

بِهِۦ وَلَتَنصُرُنَّهُۥ ۚ قَالَ ءَأَقْرَرْتُمْ وَأَخَذْتُمْ
عَلَىٰ ذَٰلِكُمْ إِصْرِى ۖ قَالُوٓا۟ أَقْرَرْنَا ۚ قَالَ
فَٱشْهَدُوا۟ وَأَنَا۠ مَعَكُم مِّنَ ٱلشَّٰهِدِينَ ﴿٨١﴾

**82.** Uma behlehla ngemuva kwalokhu, labo-ke abaphambukile.

فَمَن تَوَلَّىٰ بَعْدَ ذَٰلِكَ فَأُو۟لَٰٓئِكَ هُمُ
ٱلْفَٰسِقُونَ ﴿٨٢﴾

**83.** Bafuna enye inkolo ngaphandle kwekaAllah, kanti zonke izidalwa ezisemazulwini, nasemhlabeni ziMthobela zithanda noma zingathandi? Futhi isiphetho ukubuyela kuYe.

أَفَغَيْرَ دِينِ ٱللَّهِ يَبْغُونَ وَلَهُۥٓ أَسْلَمَ مَن
فِى ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ طَوْعًا وَكَرْهًا
وَإِلَيْهِ يُرْجَعُونَ ﴿٨٣﴾

**84.** Yithi: «Siyakholwa kuAllah, nakulokho esambulelwa kona, nokwembulelwa uAbrahama, noIshmayeli, noIsaka, noJakobe, kanye nasezizweni, nalokho okwembulelwa uMose, noJesu kanye nabaProfethi kuvela eNkosini yabo. Asibandlululi noyedwa phakathi kwabo, futhi sizinikela kuYena (uAllah)».

قُلْ ءَامَنَّا بِٱللَّهِ وَمَآ أُنزِلَ عَلَيْنَا وَمَآ أُنزِلَ
عَلَىٰٓ إِبْرَٰهِيمَ وَإِسْمَٰعِيلَ وَإِسْحَٰقَ
وَيَعْقُوبَ وَٱلْأَسْبَاطِ وَمَآ أُوتِىَ مُوسَىٰ
وَعِيسَىٰ وَٱلنَّبِيُّونَ مِن رَّبِّهِمْ لَا نُفَرِّقُ
بَيْنَ أَحَدٍ مِّنْهُمْ وَنَحْنُ لَهُۥ مُسْلِمُونَ ﴿٨٤﴾

**85.** Uma kukhona ofuna enye inkolo ngaphandle kweIslam

وَمَن يَبْتَغِ غَيْرَ ٱلْإِسْلَٰمِ دِينًا فَلَن يُقْبَلَ مِنْهُ

[1] UmProfethi wokugcina okukhulunywa ngaye nguMuhammad (ukuthula kube kuye), kwawacacela amanye amaJuda kanye namaKrestu ayesedolobheni laseMadina, ayesemlandela. Labo abaphikisayo bayaxwayiswa emavesini alandelayo.

(ukuzinikela kuAllah), ingeze yemukelwa kuyena; futhi kweLizayo uzoba kanye nalabo abalahlekelwayo.

وَهُوَ فِي الْآخِرَةِ مِنَ الْخٰسِرِيْنَ ﴿٨٥﴾

**86.** Angabahola kanjani uAllah labo abaphika ukholo ngemuva kokulamukela, futhi sebafakaza ukuthi isiThunywa eseqiniso, nezimpawu zisobala kubona na? Ngempela uAllah Akabaholi abantu abedukayo.

كَيْفَ يَهْدِي اللّٰهُ قَوْمًا كَفَرُوْا بَعْدَ
اِيْمَانِهِمْ وَشَهِدُوْٓا اَنَّ الرَّسُوْلَ حَقٌّ
وَّجَآءَهُمُ الْبَيِّنٰتُ ۭ وَاللّٰهُ لَا يَهْدِي الْقَوْمَ
الظّٰلِمِيْنَ ﴿٨٦﴾

**87.** Umvuzo wabo uzoba yisiqalekiso sikaAllah, futhi nesezingelosi zaKhe, kanye nesabantu bonke.

اُولٰۗىِٕكَ جَزَاۗؤُهُمْ اَنَّ عَلَيْهِمْ لَعْنَةَ اللّٰهِ
وَالْمَلٰۗىِٕكَةِ وَالنَّاسِ اَجْمَعِيْنَ ﴿٨٧﴾

**88.** Bazophila kusona: futhi isigwebo sabo asizuncishiswa, nesikhathi sokuphenduka abazunikwa.

خٰلِدِيْنَ فِيْهَا ۚ لَا يُخَفَّفُ عَنْهُمُ الْعَذَابُ
وَلَا هُمْ يُنْظَرُوْنَ ﴿٨٨﴾

**89.** Ngaphandle kwalabo abaphendukayo, ngemuva kwalokho balungise abakonile; ngempela uAllah Uyathethelela Unomusa.

اِلَّا الَّذِيْنَ تَابُوْا مِنْۢ بَعْدِ ذٰلِكَ
وَاَصْلَحُوْا ۣ فَاِنَّ اللّٰهَ غَفُوْرٌ رَّحِيْمٌ ﴿٨٩﴾

**90.** Kepha labo abalahla inkolo ngemuva kokuyamukela, bequhubeka nokuyiphika, akusoze kwemukeleka ukuphenduka kwabo. Labo-ke abedukileyo.

اِنَّ الَّذِيْنَ كَفَرُوْا بَعْدَ اِيْمَانِهِمْ ثُمَّ
ازْدَادُوْا كُفْرًا لَّنْ تُقْبَلَ تَوْبَتُهُمْ ۚ وَاُولٰۗىِٕكَ
هُمُ الضَّاۗلُّوْنَ ﴿٩٠﴾

**91.** Ngempela labo abangakholwa, futhi baze bafiewe ukufa bengakholwa, akusoze kwemuke-

اِنَّ الَّذِيْنَ كَفَرُوْا وَمَاتُوْا وَهُمْ كُفَّارٌ
فَلَنْ يُّقْبَلَ مِنْ اَحَدِهِمْ مِّلْۗءُ

leka konjalo, noma igolide lonke elisemhlabeni lingalethwa nje ngesinxephezelo. Labo-ke bazohlangabezana nesijeziso esibuhlungu, futhi abazukuba nabasizi.

الْأَرْضِ ذَهَبًا وَلَوِ افْتَدَىٰ بِهِ ۗ أُولَٰئِكَ لَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ وَمَا لَهُمْ مِنْ نَاصِرِينَ ﴿٩١﴾

ISIGABA10.

**92.** Anisoze nifinyelele ekulungeni, noze ninikele ngalokho enikuthandayo, noma yini eninikela ngayo, ngempela uAllah Uyazi kahle.

لَنْ تَنَالُوا الْبِرَّ حَتَّىٰ تُنْفِقُوا مِمَّا تُحِبُّونَ ۚ وَمَا تُنْفِقُوا مِنْ شَيْءٍ فَإِنَّ اللَّهَ بِهِ عَلِيمٌ ﴿٩٢﴾

**93.** Konke ukudla kwakuvumelekile kubantwana bakaIsrayeli, ngaphandle kwalokho azinqumela yena uIsrayeli ukuthi akuvumelekile, ungakembulwa umthetho (kuMose). Yithi: «Lethani iTorah (umthetho) niyifunde uma ningabantu beqiniso»[1].

كُلُّ الطَّعَامِ كَانَ حِلًّا لِبَنِي إِسْرَائِيلَ إِلَّا مَا حَرَّمَ إِسْرَائِيلُ عَلَىٰ نَفْسِهِ مِنْ قَبْلِ أَنْ تُنَزَّلَ التَّوْرَاةُ ۗ قُلْ فَأْتُوا بِالتَّوْرَاةِ فَاتْلُوهَا إِنْ كُنْتُمْ صَادِقِينَ ﴿٩٣﴾

**94.** Uma kukhona ngemuva kwalokhu abazoqamba amanga ngoAllah, yibona-ke abayizoni.

فَمَنِ افْتَرَىٰ عَلَى اللَّهِ الْكَذِبَ مِنْ بَعْدِ ذَٰلِكَ فَأُولَٰئِكَ هُمُ الظَّالِمُونَ ﴿٩٤﴾

**95.** Yithi: «UAllah ukhuluma iqiniso, ngakho-ke landelani inkolo kaAbraham owayelungile; futhi wayengesiyena okanye nabakhonza izithixo».

قُلْ صَدَقَ اللَّهُ ۗ فَاتَّبِعُوا مِلَّةَ إِبْرَاهِيمَ حَنِيفًا وَمَا كَانَ مِنَ الْمُشْرِكِينَ ﴿٩٥﴾

[1] AbakwaIsrayeli abawudli umsipha wenqulu esesikhoxeni senyonga. Gen. 32:32. Okunye kwenqatshelwa nguNkulunkulu ngomthetho kuMose.

إِنَّ أَوَّلَ بَيْتٍ وُضِعَ لِلنَّاسِ لَلَّذِي بِبَكَّةَ
مُبَارَكًا وَهُدًى لِّلْعَالَمِينَ ﴿٩٦﴾

**96.** Indlu yokuqala (yomkhuleko) eyamiselwa isintu yileyo eseBakka (Makkah), egcwele izibusiso kanye nenkokhelo yezidalwa zonke.

فِيهِ آيَاتٌ بَيِّنَاتٌ مَّقَامُ إِبْرَاهِيمَ ۖ وَمَن دَخَلَهُ
كَانَ آمِنًا ۗ وَلِلَّهِ عَلَى النَّاسِ حِجُّ الْبَيْتِ
مَنِ اسْتَطَاعَ إِلَيْهِ سَبِيلًا ۚ وَمَن كَفَرَ فَإِنَّ
اللَّهَ غَنِيٌّ عَنِ الْعَالَمِينَ ﴿٩٧﴾

**97.** Kuyona kunezimpawu ezicacile, njengendawo okwamisa kuyo uAbraham, lowo ongena kuyo uthola ukuvikeleka; ukuvakashela kulendlu kuwumsebenzi isintu esiwenzela uAllah, kulabo abanokuba namandla okumela lolohambo, kepha uma kunabaphika ukholo, ngempela uAllah Akazincengi izidalwa zaKhe.

قُلْ يَا أَهْلَ الْكِتَابِ لِمَ تَكْفُرُونَ بِآيَاتِ اللَّهِ
وَاللَّهُ شَهِيدٌ عَلَىٰ مَا تَعْمَلُونَ ﴿٩٨﴾

**98.** Yithi: «O, bantu beNcwadi! Kungani ningakholwa yimibiko ka-Allah, kanti uAllah Ungufakazi wakho konke enikwenzayo na?»

قُلْ يَا أَهْلَ الْكِتَابِ لِمَ تَصُدُّونَ عَن سَبِيلِ
اللَّهِ مَنْ آمَنَ تَبْغُونَهَا عِوَجًا وَأَنتُمْ شُهَدَاءُ ۗ
وَمَا اللَّهُ بِغَافِلٍ عَمَّا تَعْمَلُونَ ﴿٩٩﴾

**99.** Yithi: «O, bantu beNcwadi! Kungani nithikameza labo abakholwayo endleleni kaAllah, nizama ukuyigwegwisa, kanti nina uqobo naningofakazi (niholwa nguAllah) na? Ngempela akusikona ukuthi uAllah Akakunakile lokho enikwenzayo».

يَا أَيُّهَا الَّذِينَ آمَنُوا إِن تُطِيعُوا فَرِيقًا
مِّنَ الَّذِينَ أُوتُوا الْكِتَابَ يَرُدُّوكُم بَعْدَ
إِيمَانِكُمْ كَافِرِينَ ﴿١٠٠﴾

**100.** O, nina enikholwayo! Uma ningase nilalele inxenye yalabo bantu beNcwadi, bazonenza nihlamuke ukholo, ngemuva kokuba senikholiwe.

**101.** Ningaluhlamuka kanjani ukholo, njengoba yethulwa kinina imibiko kaAllah, kanye nesiThunywa siphambi kwenu na? Ngempela lowo obambelele kuAllah, uzoholelewa endleleni eqondile.

وَكَيْفَ تَكْفُرُونَ وَأَنتُمْ تُتْلَىٰ عَلَيْكُمْ آيَاتُ اللَّهِ وَفِيكُمْ رَسُولُهُ ۗ وَمَن يَعْتَصِم بِاللَّهِ فَقَدْ هُدِيَ إِلَىٰ صِرَاطٍ مُّسْتَقِيمٍ ﴿١٠١﴾

ISIGABA11.

**102.** O, nina enikholwayo! Yesabani uAllah ngeqiniso njengoba kumele Esatshwe, futhi ningaficwa ukufa ningesiwona amaMuslim (abathobele uAllah).

يَا أَيُّهَا الَّذِينَ آمَنُوا اتَّقُوا اللَّهَ حَقَّ تُقَاتِهِ وَلَا تَمُوتُنَّ إِلَّا وَأَنتُم مُّسْلِمُونَ ﴿١٠٢﴾

**103.** Bambelelani ndawonye nonke, endophini kaAllah ningaqembukelani; futhi nikhumbule ngokubonga umusa kaAllah kinina, ngokuba naniyizitha Wahlanganisa izinhliziyo zenu ngothando, kwathi ngomusa waKhe naba ngabazalwane; futhi nanisogebeni lomgodi womlilo. Wayesenihlenga kuwo. Ngalendlela uAllah Ucacisa izambulo zaKhe kinina ukuze nithole ukuholwa.

وَاعْتَصِمُوا بِحَبْلِ اللَّهِ جَمِيعًا وَلَا تَفَرَّقُوا ۚ وَاذْكُرُوا نِعْمَتَ اللَّهِ عَلَيْكُمْ إِذْ كُنتُمْ أَعْدَاءً فَأَلَّفَ بَيْنَ قُلُوبِكُمْ فَأَصْبَحْتُم بِنِعْمَتِهِ إِخْوَانًا ۚ وَكُنتُمْ عَلَىٰ شَفَا حُفْرَةٍ مِّنَ النَّارِ فَأَنقَذَكُم مِّنْهَا ۗ كَذَٰلِكَ يُبَيِّنُ اللَّهُ لَكُمْ آيَاتِهِ لَعَلَّكُمْ تَهْتَدُونَ ﴿١٠٣﴾

**104.** Futhi makusukume idlanzi labantu emphakathini wenu, elizomemela abanye kokuhle, liyale ngokulunga, lenqabele ububi: ngempela labo bazophumelela.

وَلْتَكُن مِّنكُمْ أُمَّةٌ يَدْعُونَ إِلَى الْخَيْرِ وَيَأْمُرُونَ بِالْمَعْرُوفِ وَيَنْهَوْنَ عَنِ الْمُنكَرِ ۚ وَأُولَٰئِكَ هُمُ الْمُفْلِحُونَ ﴿١٠٤﴾

**105.** Ningabi njengalabo abaqhekekayo, futhi bephikisana ngemuva kokwamukela izimpawu ezicacile. Ngempela labo-ke

وَلَا تَكُونُوا كَالَّذِينَ تَفَرَّقُوا وَاخْتَلَفُوا مِن بَعْدِ مَا جَاءَهُمُ الْبَيِّنَاتُ

(abanjalo) bamelwe yisijeziso esinzima.

وَأُولَٰئِكَ لَهُمْ عَذَابٌ عَظِيمٌ ﴿١٠٥﴾

**106.** NgoSuku (lokuvuka) ubuso buzokwenziwa mhlophe[1], kuthi obunye benziwe mnyama. Kulabo ubuso babo obuzokwenziwa mnyama kuzothiwa kubona: «Nahlamuka inkolo ngemuva kokuyamukela na? Yizwani isijeziso, ngokuba naphika ukholo».

يَوْمَ تَبْيَضُّ وُجُوهٌ وَتَسْوَدُّ وُجُوهٌ ۚ فَأَمَّا الَّذِينَ اسْوَدَّتْ وُجُوهُهُمْ أَكَفَرْتُم بَعْدَ إِيمَانِكُمْ فَذُوقُوا الْعَذَابَ بِمَا كُنتُمْ تَكْفُرُونَ ﴿١٠٦﴾

**107.** Ngempela labo ubuso babo obuyokwenziwa mhlophe, bayokuba semseni kaAllah; baphile kuwo (ngonaphakade).

وَأَمَّا الَّذِينَ ابْيَضَّتْ وُجُوهُهُمْ فَفِي رَحْمَةِ اللَّهِ ۖ هُمْ فِيهَا خَالِدُونَ ﴿١٠٧﴾

**108.** Lezi yizimpawu zikaAllah, eSikulandisa zona ngeqiniso: futhi uAllah Akaqondile ukuphatha izidalwa zaKhe ngokungemthetho.

تِلْكَ آيَاتُ اللَّهِ نَتْلُوهَا عَلَيْكَ بِالْحَقِّ ۗ وَمَا اللَّهُ يُرِيدُ ظُلْمًا لِّلْعَالَمِينَ ﴿١٠٨﴾

**109.** Ngempela kungokukaAllah konke okusemazulwini nokusemhlabeni, yikuAllah lapho zonke izindaba ziyophetha khona.

وَلِلَّهِ مَا فِي السَّمَاوَاتِ وَمَا فِي الْأَرْضِ ۗ وَإِلَى اللَّهِ تُرْجَعُ الْأُمُورُ ﴿١٠٩﴾

ISIGABA12.

**110.** Niwumphakathi omuhle ngokwedlulele, ophakanyiselwe isintu, niyala ngokuhle, nenqabela

كُنتُمْ خَيْرَ أُمَّةٍ أُخْرِجَتْ لِلنَّاسِ

[1] Bayogqama, noma bayokhazimuliswa.

ububi, futhi nikholwa kuAllah. Ngempela uma abantu beNcwadi bebekholiwe, bekuzoba ngcono kubona. Phakathi kwabo kunalabo abanokholo, kepha iningi lingabephuli bomthetho[1].

تَأْمُرُونَ بِالْمَعْرُوفِ وَتَنْهَوْنَ عَنِ
الْمُنكَرِ وَتُؤْمِنُونَ بِاللَّهِ ۗ وَلَوْ آمَنَ أَهْلُ
الْكِتَابِ لَكَانَ خَيْرًا لَّهُم ۚ مِّنْهُمُ الْمُؤْمِنُونَ
وَأَكْثَرُهُمُ الْفَاسِقُونَ ﴿١١٠﴾

**111.** Abasoze babayingozi kinina, kuphela bazonicunula nje, uma bengase banilwise bazophenduka babaleke, futhi abanakuthola sizo.

لَن يَضُرُّوكُمْ إِلَّا أَذًى ۖ وَإِن يُقَاتِلُوكُمْ
يُوَلُّوكُمُ الْأَدْبَارَ ثُمَّ لَا يُنصَرُونَ ﴿١١١﴾

**112.** Usizi luphezu kwabo, noma yikuphi lapho bekhona, ngaphandle uma besesivumelwaneni esisuka kuAllah nakubantu; bazihehela isijeziso esivela kuAllah, amashwa abongamele, lokhu kudalwa ukugakholwa yimibiko kaAllah, futhi babulala nabaProfethi ngokungemthetho. Lokhu kungenxa yokuba bahlubuka, futhi bona kakhulu.

ضُرِبَتْ عَلَيْهِمُ الذِّلَّةُ أَيْنَ مَا ثُقِفُوا
إِلَّا بِحَبْلٍ مِّنَ اللَّهِ وَحَبْلٍ مِّنَ النَّاسِ
وَبَاءُو بِغَضَبٍ مِّنَ اللَّهِ وَضُرِبَتْ عَلَيْهِمُ
الْمَسْكَنَةُ ۚ ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمْ كَانُوا يَكْفُرُونَ
بِآيَاتِ اللَّهِ وَيَقْتُلُونَ الْأَنبِيَاءَ بِغَيْرِ حَقٍّ ۚ
ذَٰلِكَ بِمَا عَصَوا وَّكَانُوا يَعْتَدُونَ ﴿١١٢﴾

**113.** Abefani bonke abantu beNcwadi, kunenxenye ezimisele ngokufunda imibiko kaAllah ngezikhathi zasebusuku futhi bewa ngobuso beMdumisa.

لَيْسُوا سَوَاءً ۗ مِّنْ أَهْلِ الْكِتَابِ أُمَّةٌ
قَائِمَةٌ يَتْلُونَ آيَاتِ اللَّهِ آنَاءَ اللَّيْلِ
وَهُمْ يَسْجُدُونَ ﴿١١٣﴾

**114.** Bakholwa kuAllah naso-Sukwini lokugcina, bayala ngokulunga benqaba okungalungile, futhi baphakamela phezulu ek-

يُؤْمِنُونَ بِاللَّهِ وَالْيَوْمِ الْآخِرِ
وَيَأْمُرُونَ بِالْمَعْرُوفِ وَيَنْهَوْنَ عَنِ

[1] Umphakathi wabazithobayo (Muslim) ubuziphethe kahle unconywa ngisho nawuMdali, futhi Ewuhlenga ezintweni ezimbi.

wenzeni imisebenzi emihle. Ngempela labo abasohleni lwabalungileyo.

الْمُنْكَرِ وَيُسَارِعُونَ فِي الْخَيْرَاتِ ۖ وَأُولَٰئِكَ مِنَ الصَّالِحِينَ ﴿١١٤﴾

**115.** Futhi kulokho okuhle abakwenzayo, akusoze kwathathwa njengeze, futhi uAllah uyabazi labo abagwema ububi.

وَمَا يَفْعَلُوا مِنْ خَيْرٍ فَلَنْ يُكْفَرُوهُ ۗ وَاللَّهُ عَلِيمٌ بِالْمُتَّقِينَ ﴿١١٥﴾

**116.** Kulabo abaphika ukholo, kungaba ubucebi babo kanye nozalo lwabo, akuzubasiza sebe bhekene noAllah. Labo-ke ngempela abangane bomlilo, bayophila kuwo (phakade).

إِنَّ الَّذِينَ كَفَرُوا لَنْ تُغْنِيَ عَنْهُمْ أَمْوَالُهُمْ وَلَا أَوْلَادُهُمْ مِنَ اللَّهِ شَيْئًا ۖ وَأُولَٰئِكَ أَصْحَابُ النَّارِ ۖ هُمْ فِيهَا خَالِدُونَ ﴿١١٦﴾

**117.** Lokho abanikela ngakho kulempilo yakulomhlaba kufaniswa nomoya wesithwathwa, oheleza ubhubhise isivuno sabantu abazonele bona ngokwabo; akusiYena uAllah obonelayo, kepha bazonela bona uqobo.

مَثَلُ مَا يُنْفِقُونَ فِي هَٰذِهِ الْحَيَاةِ الدُّنْيَا كَمَثَلِ رِيحٍ فِيهَا صِرٌّ أَصَابَتْ حَرْثَ قَوْمٍ ظَلَمُوا أَنْفُسَهُمْ فَأَهْلَكَتْهُ ۚ وَمَا ظَلَمَهُمُ اللَّهُ وَلَٰكِنْ أَنْفُسَهُمْ يَظْلِمُونَ ﴿١١٧﴾

**118.** O, nina enikholwayo! Ningabazisi kakhulu abanye ngaphandle kwalabo abasenkolweni yenu: bangeze bayeka ukunididisa, futhi bafisa ukuthi nibhuntshe. Sebeze baphimisela elenzondo ngemilomo yabo, kepha abakufihle ezinhliziyweni zabo kukhulu. Siwucacisile umbiko kinina uma ningabaqondayo.

يَا أَيُّهَا الَّذِينَ آمَنُوا لَا تَتَّخِذُوا بِطَانَةً مِنْ دُونِكُمْ لَا يَأْلُونَكُمْ خَبَالًا وَدُّوا مَا عَنِتُّمْ ۖ قَدْ بَدَتِ الْبَغْضَاءُ مِنْ أَفْوَاهِهِمْ ۖ وَمَا تُخْفِي صُدُورُهُمْ أَكْبَرُ ۚ قَدْ بَيَّنَّا لَكُمُ الْآيَاتِ ۖ إِنْ كُنْتُمْ تَعْقِلُونَ ﴿١١٨﴾

**119.** Bheka nina niyabathanda, kanti bona abanithandi, nibe nikholwa eNcwadini iyonke. Uma

هَا أَنْتُمْ أُولَاءِ تُحِبُّونَهُمْ وَلَا يُحِبُّونَكُمْ

bekanye nani bathi: «Siyakholwa, kepha uma sebebodwa baququda izinzipho ngenxa yentukuthelo. Yithi: «Felani olakeni lweni». Ngempela uAllah Uzazikahle izimfihlo zesifuba.

وَتُؤْمِنُونَ بِالْكِتَٰبِ كُلِّهِۦ ۖ وَإِذَا لَقُوكُمْ قَالُوٓا۟ ءَامَنَّا ۖ وَإِذَا خَلَوْا۟ عَضُّوا۟ عَلَيْكُمُ ٱلْأَنَامِلَ مِنَ ٱلْغَيْظِ ۚ قُلْ مُوتُوا۟ بِغَيْظِكُمْ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ عَلِيمٌۢ بِذَاتِ ٱلصُّدُورِ ﴿١١٩﴾

**120.** Uma ngenhlanhla nehlelwa okuhle, kubakubi kubona, kepha uma nehlelwa amashwa baya-kuthokozela lokho. Ngempela uma nibekezela futhi nesaba uAllah, abusoze nakancane bayingozi ubuqili babo. Ngempela uAllah Ukake konke abakwenzayo.

إِن تَمْسَسْكُمْ حَسَنَةٌ تَسُؤْهُمْ ۖ وَإِن تُصِبْكُمْ سَيِّئَةٌ يَفْرَحُوا۟ بِهَا ۖ وَإِن تَصْبِرُوا۟ وَتَتَّقُوا۟ لَا يَضُرُّكُمْ كَيْدُهُمْ شَيْـًٔا ۗ إِنَّ ٱللَّهَ بِمَا يَعْمَلُونَ مُحِيطٌ ﴿١٢٠﴾

ISIGABA13.

**121.** Futhi khumbula mhlazane ushiya umndeni wakho entathakusa, uyohlela umbutho wamakholwa ngezigaba zawo elungiselela impi. Ngempela uAllah Uyezwa, Wazi konke[1].

وَإِذْ غَدَوْتَ مِنْ أَهْلِكَ تُبَوِّئُ ٱلْمُؤْمِنِينَ مَقَٰعِدَ لِلْقِتَالِ ۗ وَٱللَّهُ سَمِيعٌ عَلِيمٌ ﴿١٢١﴾

**122.** Khumbula amaqembu enu amabili ekhombisa ukuphelelwa yithemba, kepha uAllah Waba nguMvikeli noMngane wawo. Ngempela yikuAllah lapho ithemba lamakholwa likhona[2].

إِذْ هَمَّت طَّآئِفَتَانِ مِنكُمْ أَن تَفْشَلَا ۙ وَٱللَّهُ وَلِيُّهُمَا ۗ وَعَلَى ٱللَّهِ فَلْيَتَوَكَّلِ ٱلْمُؤْمِنُونَ ﴿١٢٢﴾

[1] UmProfethi lapha wayevivela impi yase-Uhud.

[2] U-Abdullah Ubay umzenzisi owayengumJuda, washiya inkudla yempi wahamba nebutho lakhe elalinamadoda angu 200. Lokho kwabangela amaMuslim ezizwe ezimbili, abakwa Banu Salama nabakwa Banu Harith baphelelwa yithemba. Funda uvesi 155.

**123.** Futhi uAllah Wenza ukuthi ninqobe eBadri, lapho naniyisigejana; ngakho-ke yesabani uAllah nikhombise ngalokho ukubonga.

وَلَقَدْ نَصَرَكُمُ اللَّهُ بِبَدْرٍ وَأَنتُمْ أَذِلَّةٌ ۖ فَاتَّقُوا اللَّهَ لَعَلَّكُمْ تَشْكُرُونَ ﴿١٢٣﴾

**124.** Khumbula mhlazane uthi kulabo abakholwayo: «Akwenele yini kinina uma iNkosi yenu Ithumela phansi izinkulungwane ezinthathu zezingelosi ukuzonisiza na?»

إِذْ تَقُولُ لِلْمُؤْمِنِينَ أَلَن يَكْفِيَكُمْ أَن يُمِدَّكُمْ رَبُّكُم بِثَلَاثَةِ آلَافٍ مِّنَ الْمَلَائِكَةِ مُنزَلِينَ ﴿١٢٤﴾

**125.** Imbala! Uma niqinisela, nigwema ububi, noma ngabe ninokuhlaselwa manje ningazelele, iNkosi yenu izothumela usizo lwezinkulungwane ezinhlanu zezingelosi zibashanele.

بَلَىٰ إِن تَصْبِرُوا وَتَتَّقُوا وَيَأْتُوكُم مِّن فَوْرِهِمْ هَٰذَا يُمْدِدْكُمْ رَبُّكُم بِخَمْسَةِ آلَافٍ مِّنَ الْمَلَائِكَةِ مُسَوِّمِينَ ﴿١٢٥﴾

**126.** Ngempela uAllah uhlose ukuthi lokhu kube umbiko wenduduzo kinina, kanye nesiqiniseko ezinhliziyweni zenu, futhi akukho sizo ngaphandle kolusuka kuAllah Onamandla, Ohlakaniphile.

وَمَا جَعَلَهُ اللَّهُ إِلَّا بُشْرَىٰ لَكُمْ وَلِتَطْمَئِنَّ قُلُوبُكُم بِهِ ۚ وَمَا النَّصْرُ إِلَّا مِنْ عِندِ اللَّهِ الْعَزِيزِ الْحَكِيمِ ﴿١٢٦﴾

**127.** Ukuze Anqume inxenye yalabo abangakholwa, noma Abavimbele ukuze basale bedidekile.

لِيَقْطَعَ طَرَفًا مِّنَ الَّذِينَ كَفَرُوا أَوْ يَكْبِتَهُمْ فَيَنقَلِبُوا خَائِبِينَ ﴿١٢٧﴾

**128.** Akusona esakho isinqumo, sokuthi (uAllah) Uphendukela kubona ngomusa noma Uyabajezisa; ngoba bayizoni.

لَيْسَ لَكَ مِنَ الْأَمْرِ شَيْءٌ أَوْ يَتُوبَ عَلَيْهِمْ أَوْ يُعَذِّبَهُمْ فَإِنَّهُمْ ظَالِمُونَ ﴿١٢٨﴾

**129.** Futhi okukaAllah konke okusemazulwini nasemhlabeni,

وَلِلَّهِ مَا فِي السَّمَاوَاتِ وَمَا فِي الْأَرْضِ ۚ

Uthethelela lowo Amthandileyo, futhi Ajezise lowo Athande ukumjezisa. Ngempela uAllah Uyathethelela Unomua.

يَغْفِرُ لِمَن يَشَآءُ وَيُعَذِّبُ مَن يَشَآءُ ۗ وَاللَّهُ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١٢٩﴾

ISIGABA14.

**130.** O, nina enikholwayo! Ningabizi inzalo emalini enibolekisa ngayo, niyandisa ngokuphinda phindiwe; futhi nesabe uAllah ukuze niphumelele.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ لَا تَأْكُلُوا۟ ٱلرِّبَوٰٓا۟ أَضْعَٰفًا مُّضَٰعَفَةً ۖ وَٱتَّقُوا۟ ٱللَّهَ لَعَلَّكُمْ تُفْلِحُونَ ﴿١٣٠﴾

**131.** Ngempela nesabe umlilo lungiselelwe labo abangakholwa.

وَٱتَّقُوا۟ ٱلنَّارَ ٱلَّتِىٓ أُعِدَّتْ لِلْكَٰفِرِينَ ﴿١٣١﴾

**132.** Ngempela nilalele uAllah nesiThunywa, ukuze nizuze umusa.

وَأَطِيعُوا۟ ٱللَّهَ وَٱلرَّسُولَ لَعَلَّكُمْ تُرْحَمُونَ ﴿١٣٢﴾

**133.** Ncintisanani nilibangise entethelelweni evela eNkosini yenu, kanye nasesivandeni (kweLizayo) esibanzi kuhle kwamazulu kanye nomhlaba, esilungiselelwe labo abagwema ububi.

وَسَارِعُوٓا۟ إِلَىٰ مَغْفِرَةٍ مِّن رَّبِّكُمْ وَجَنَّةٍ عَرْضُهَا ٱلسَّمَٰوَٰتُ وَٱلْأَرْضُ أُعِدَّتْ لِلْمُتَّقِينَ ﴿١٣٣﴾

**134.** Labo futhi abanikelayo, kungaba sesikhathini sempumelelo noma sobunzima, abazibambayo ekuhluthukeni, bathethelele abanye, ngempela uAllah Uthanda abenza ukulunga.

ٱلَّذِينَ يُنفِقُونَ فِى ٱلسَّرَّآءِ وَٱلضَّرَّآءِ وَٱلْكَٰظِمِينَ ٱلْغَيْظَ وَٱلْعَافِينَ عَنِ ٱلنَّاسِ ۗ وَٱللَّهُ يُحِبُّ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿١٣٤﴾

**135.** Futhi labo abenza izinto ezijabhisayo noma ezephula imiphefumulo yabo, bakhumbule uAllah, besebecela intethelelo ngokona kwabo, ubani on-

وَٱلَّذِينَ إِذَا فَعَلُوا۟ فَٰحِشَةً أَوْ ظَلَمُوٓا۟ أَنفُسَهُمْ ذَكَرُوا۟ ٱللَّهَ فَٱسْتَغْفَرُوا۟ لِذُنُوبِهِمْ وَمَن يَغْفِرُ ٱلذُّنُوبَ

gathethelela izono ngaphandle kukaAllah na? Futhi bengeke baphinde benze sebenolwazi lokho asebakwenza.

إِلَّا اللَّهُ ۖ وَلَمْ يُصِرُّوا عَلَىٰ مَا فَعَلُوا وَهُمْ يَعْلَمُونَ ﴿١٣٥﴾

**136.** Umvuzo walabo, uzoba yintethelelo eNkosini yabo, kanye nezivande ezigobhoza imifula ngaphansi, okuyindawo yabo yokuphila phakade, muhle ngempela umvuzo walabo abasebenzayo.

أُولَٰئِكَ جَزَاؤُهُم مَّغْفِرَةٌ مِّن رَّبِّهِمْ وَجَنَّاتٌ تَجْرِي مِن تَحْتِهَا الْأَنْهَارُ خَالِدِينَ فِيهَا ۚ وَنِعْمَ أَجْرُ الْعَامِلِينَ ﴿١٣٦﴾

**137.** Maningi amasiko asadlula ngaphambi kwenu, ngakho-ke hambelani emazweni ukuze nibone okwaba wumphumela walabo ababephika iqiniso.

قَدْ خَلَتْ مِن قَبْلِكُمْ سُنَنٌ فَسِيرُوا فِي الْأَرْضِ فَانظُرُوا كَيْفَ كَانَ عَاقِبَةُ الْمُكَذِّبِينَ ﴿١٣٧﴾

**138.** Nasi isimemezelo esintwini, izeluleko kanye nezixwayiso kulabo abagwema ububi.

هَٰذَا بَيَانٌ لِّلنَّاسِ وَهُدًى وَمَوْعِظَةٌ لِّلْمُتَّقِينَ ﴿١٣٨﴾

**139.** Impela ningadikibali futhi ningakhali, ngokuba nizonqoba uma nikholiwe.

وَلَا تَهِنُوا وَلَا تَحْزَنُوا وَأَنتُمُ الْأَعْلَوْنَ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿١٣٩﴾

**140.** Uma nithole inxeba, nalabo bantu bathola inxeba ngokufanayo. Lezi yizinguquko eSenza ukuthi zidedelane kubantu, ukuze uAllah Azi labo abakholwayo Akhethe ofakazi (abafela ukholo) phakathi kwenu; futhi uAllah Akababathandi abanayo[1].

إِن يَمْسَسْكُمْ قَرْحٌ فَقَدْ مَسَّ الْقَوْمَ قَرْحٌ مِّثْلُهُ ۚ وَتِلْكَ الْأَيَّامُ نُدَاوِلُهَا بَيْنَ النَّاسِ ۚ وَلِيَعْلَمَ اللَّهُ الَّذِينَ آمَنُوا وَيَتَّخِذَ مِنكُمْ شُهَدَاءَ ۗ وَاللَّهُ لَا يُحِبُّ الظَّالِمِينَ ﴿١٤٠﴾

[1] UAllah Wayeduduza amaMuslim ngemuva kokudumazeka kwawo empini yase Uhud. AmaMuslim ehlulwa kulempi kanti anqoba kweyokuqala eyayiseBadr.

**141.** Ngakho-ke uAllah Uhlose ukuhlanza labo abakholwayo, abhubhise labo abaphika ukholo.

وَلِيُمَحِّصَ اللَّهُ الَّذِينَ آمَنُوا وَيَمْحَقَ الْكَافِرِينَ ﴿١٤١﴾

**142.** Kambe nicabanga ukuthi nizongena eJannat (paradesi) ngaphandle kolwazi lukaAllah ngalabo abazabalaza kanzxima phakathi kwenu, noma ngokwazi ngalabo ababekezelayo na?

أَمْ حَسِبْتُمْ أَنْ تَدْخُلُوا الْجَنَّةَ وَلَمَّا يَعْلَمِ اللَّهُ الَّذِينَ جَاهَدُوا مِنْكُمْ وَيَعْلَمَ الصَّابِرِينَ ﴿١٤٢﴾

**143.** Futhi nanike nifise ukufa ngaphambi kokuhlangabezana nakho (enkundleni yempi), manje senikubona ngamehlo enu[1].

وَلَقَدْ كُنْتُمْ تَمَنَّوْنَ الْمَوْتَ مِنْ قَبْلِ أَنْ تَلْقَوْهُ فَقَدْ رَأَيْتُمُوهُ وَأَنْتُمْ تَنْظُرُونَ ﴿١٤٣﴾

ISIGABA15.

**144.** Ngempela uMuhammad uyisiThunywa nje kuphela, futhi ziningi iziThunywa esezadlula esikhathini esiphambili. Kungenzeka yini ukuthi uma efa noma ebulewe, nifulathele na?[2] Uma kukhona ofulathelayo, lokho akuzuMhlupha uAllah futhi uAllah Uzoklomelisa labo ababongayo.

وَمَا مُحَمَّدٌ إِلَّا رَسُولٌ قَدْ خَلَتْ مِنْ قَبْلِهِ الرُّسُلُ أَفَإِيْنْ مَاتَ أَوْ قُتِلَ انْقَلَبْتُمْ عَلَى أَعْقَابِكُمْ وَمَنْ يَنْقَلِبْ عَلَى عَقِبَيْهِ فَلَنْ يَضُرَّ اللَّهَ شَيْئًا وَسَيَجْزِي اللَّهُ الشَّاكِرِينَ ﴿١٤٤﴾

**145.** Futhi akuna mphefumulo ongaphuma ngaphandle kwemvume kaAllah nangesikhathi esimisiwe. Kulowo othanda umvuzo

وَمَا كَانَ لِنَفْسٍ أَنْ تَمُوتَ إِلَّا بِإِذْنِ اللَّهِ كِتَابًا مُؤَجَّلًا وَمَنْ يُرِدْ ثَوَابَ الدُّنْيَا

---

[1] AmaMuslim ayeze ngomkhulu umfutho ezimisele ngokunqoba, atheneka amandla negenxa yokwephula kwawo iziyalo. Funda uvesi 152-155.

[2] Kulempi umProfethi walimala, kwase kwanda amahlebezi okuthi ufile; uAllah Wayesembhula lamavesi.

wakulelizwe, Sizomnika, futhi nalowo othanda umvuzo wakweLizayo naye Sizomnika. Sizonika umvuzo (wangempela) labo ababongayo.

نُؤْتِهِۦ مِنْهَا ۚ وَمَن يُرِدْ ثَوَابَ ٱلْءَاخِرَةِ نُؤْتِهِۦ مِنْهَا ۚ وَسَنَجْزِى ٱلشَّٰكِرِينَ ﴿١٤٥﴾

**146.** Bangaki abaProfethi belwa bekanye nabantu abaningi abathembekile na? Abazange baphelelwe yithemba ngokwehlelwa yingozi besendleleni kaAllah, futhi abaphelelwanga yithemba kanye nomfutho, ngempela uAllah Uthanda labo ababekezelayo.

وَكَأَيِّن مِّن نَّبِىٍّ قَٰتَلَ مَعَهُۥ رِبِّيُّونَ كَثِيرٌ ۚ فَمَا وَهَنُوا۟ لِمَآ أَصَابَهُمْ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ وَمَا ضَعُفُوا۟ وَمَا ٱسْتَكَانُوا۟ ۗ وَٱللَّهُ يُحِبُّ ٱلصَّٰبِرِينَ ﴿١٤٦﴾

**147.** Ngempela abashongo lutho ngaphandle kokuthi: «Nkosi yethu! Sithethelele izono zethu, nangezenzo zethu eziyize, Wenze namanyathelo ethu aqine, futhi Usisize ukubhekana nabantu abangakholwa.

وَمَا كَانَ قَوْلَهُمْ إِلَّآ أَن قَالُوا۟ رَبَّنَا ٱغْفِرْ لَنَا ذُنُوبَنَا وَإِسْرَافَنَا فِىٓ أَمْرِنَا وَثَبِّتْ أَقْدَامَنَا وَٱنصُرْنَا عَلَى ٱلْقَوْمِ ٱلْكَٰفِرِينَ ﴿١٤٧﴾

**148.** Ngalokho uAllah Wabapha umvuzo wakulomhlaba, kanye nomvuzo omuhle wakweLizayo, ngempela uAllah Uthanda labo abenza akuhle.

فَـَٔاتَىٰهُمُ ٱللَّهُ ثَوَابَ ٱلدُّنْيَا وَحُسْنَ ثَوَابِ ٱلْءَاخِرَةِ ۗ وَٱللَّهُ يُحِبُّ ٱلْمُحْسِنِينَ ﴿١٤٨﴾

ISIGABA16.

**149.** O, nina enikholwayo! Uma nilalela labo abangakholwa, bazokwenza ukuba nihlehle nyova, bese niphenduka abalahlekelwayo.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوٓا۟ إِن تُطِيعُوا۟ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ يَرُدُّوكُمْ عَلَىٰٓ أَعْقَٰبِكُمْ فَتَنقَلِبُوا۟ خَٰسِرِينَ ﴿١٤٩﴾

بَلِ اللّٰهُ مَوْلٰىكُمْ ۚ وَهُوَ خَيْرُ
النّٰصِرِيْنَ ﴿١٥٠﴾

**150.** Kanti uAllah UnguMhlengi wenu kanye noMsizi Obedlula bonke.

سَنُلْقِيْ فِيْ قُلُوْبِ الَّذِيْنَ كَفَرُوا الرُّعْبَ
بِمَآ اَشْرَكُوْا بِاللّٰهِ مَا لَمْ يُنَزِّلْ بِهٖ
سُلْطٰنًا ۚ وَمَاْوٰىهُمُ النَّارُ ۭ وَبِئْسَ
مَثْوَى الظّٰلِمِيْنَ ﴿١٥١﴾

**151.** Sizofaka uvalo ezinhliziyweni zalabo abangakholwa, ngoba bahangqa uAllah nezithixo, okuyinto engavunyelwe uYena; futhi indawo yabo izoba semlilweni. Ngempela yimbi indawo yabonayo.

وَلَقَدْ صَدَقَكُمُ اللّٰهُ وَعْدَهٗٓ اِذْ
تَحُسُّوْنَهُمْ بِاِذْنِهٖ ۚ حَتّٰٓى اِذَا فَشِلْتُمْ
وَتَنَازَعْتُمْ فِي الْاَمْرِ وَعَصَيْتُمْ مِّنْۢ
بَعْدِ مَآ اَرٰىكُمْ مَّا تُحِبُّوْنَ ۭ مِنْكُمْ مَّنْ
يُّرِيْدُ الدُّنْيَا وَمِنْكُمْ مَّنْ يُّرِيْدُ
الْاٰخِرَةَ ۚ ثُمَّ صَرَفَكُمْ عَنْهُمْ
لِيَبْتَلِيَكُمْ ۚ وَلَقَدْ عَفَا عَنْكُمْ ۭ وَاللّٰهُ
ذُوْ فَضْلٍ عَلَي الْمُؤْمِنِيْنَ ﴿١٥٢﴾

**152.** Impela uAllah Wasifeza isethembiso Asenza kinina, okwathi lapho seniziqothula izitha zenu ngemvume yaKhe, kwayilapho nithikamezeka, futhi niphikisana mayelana neziyalo, nangalalei ngemuva kokuba Anibonise (umphango) lowo enaniwulangazelele. Abanye benu babefuna okomhlaba, kanti abanye babelangazelele eLizayo, ngalokho Wanenza ukuthi ningazinaki izitha zenu ukuze Anivivinye. Manje Usenithethelele, futhi umusa kaAllah wengamele labo abakholwayo.

اِذْ تُصْعِدُوْنَ وَلَا تَلْوٗنَ عَلٰٓى اَحَدٍ
وَّالرَّسُوْلُ يَدْعُوْكُمْ فِيْٓ اُخْرٰىكُمْ
فَاَثَابَكُمْ غَمًّۢا بِغَمٍّ لِّكَيْلَا تَحْزَنُوْا

**153.** Bheka! Ngesikhathi nikhuphuka (eqgumeni) ningasanake ngisho noyedwa, nesiThunywa singemuva kwenu sinikhuza (ukuthi nibuye)[1]. UAllah Waye-

[1] UmProfethi wayeyale abemicibisholo ukuthi balinde bangehleli phansi kodwa kwathi sebebona kungathi sebeyayinqoba impi, behla bejahe umphango. Izitha kanti ezinye zijikele ngemuva kwentaba yase Uhud, zase zibaqhamukela ngemuva bengalindele, behlulwa.

senipha umvuzo wosizi phezu kolunye usizi, Enzela ukuthi ningabe nisakhalela lokho okwaniphunyukayo kanye nokunehlakalele. Ngempela uAllah Ukwazi kahle konke enikewenzayo.

عَلَىٰ مَا فَاتَكُمْ وَلَا مَآ أَصَابَكُمْ ۗ
وَٱللَّهُ خَبِيرٌۢ بِمَا تَعْمَلُونَ ﴿١٥٣﴾

**154.** Kwathi ngemuva kosizi Wehlisela ukuphepha kwabanye baze bafikelwa nawubuthongo, kwathi elinye iqembu kinina lacabanga okubi ngoAllah, okuyimidlinzo yokungazi. Lathi: «Besiphatheleni yini thina naloludaba na?» Yithi: «Ngempela loludaba ngokuphelele olukaAllah». Bafihle imidlinzo abangeke bakutshela yona, bathi. «Ukube besiphathelene naloludaba besingeke sibulawe (kanjena) lapha». Yithi: «Noma ngabe benisemakhaya enu, labo ukufa ebese kubafanele bebeyosuka baye lapho kuyobafica khona, kepha konke lokhu bekuyisivivinyo sikaAllah, ngalokho okusezifubeni zenu, nokuthi Ahlanze izinhliziyo zenu. Ngempela uAllah Wazi zonke izimfihlo zesifuba.

ثُمَّ أَنزَلَ عَلَيْكُم مِّنۢ بَعْدِ ٱلْغَمِّ أَمَنَةً نُّعَاسًا
يَغْشَىٰ طَآئِفَةً مِّنكُمْ ۖ وَطَآئِفَةٌ قَدْ أَهَمَّتْهُمْ
أَنفُسُهُمْ يَظُنُّونَ بِٱللَّهِ غَيْرَ ٱلْحَقِّ ظَنَّ
ٱلْجَٰهِلِيَّةِ ۖ يَقُولُونَ هَل لَّنَا مِنَ ٱلْأَمْرِ مِن
شَىْءٍ ۗ قُلْ إِنَّ ٱلْأَمْرَ كُلَّهُۥ لِلَّهِ ۗ يُخْفُونَ فِىٓ
أَنفُسِهِم مَّا لَا يُبْدُونَ لَكَ ۖ يَقُولُونَ لَوْ كَانَ
لَنَا مِنَ ٱلْأَمْرِ شَىْءٌ مَّا قُتِلْنَا هَٰهُنَا ۗ قُل لَّوْ كُنتُمْ فِى
بُيُوتِكُمْ لَبَرَزَ ٱلَّذِينَ كُتِبَ عَلَيْهِمُ ٱلْقَتْلُ إِلَىٰ
مَضَاجِعِهِمْ ۖ وَلِيَبْتَلِىَ ٱللَّهُ مَا فِى صُدُورِكُمْ
وَلِيُمَحِّصَ مَا فِى قُلُوبِكُمْ ۗ وَٱللَّهُ عَلِيمٌۢ
بِذَاتِ ٱلصُّدُورِ ﴿١٥٤﴾

**155.** Futhi labo ababaleka phakathi kwenu ngosuku okwatholana ngalo phezulu amqembu womabili, benziwa usathane ukuba babaleke, ngenxa yalobobui

إِنَّ ٱلَّذِينَ تَوَلَّوْا۟ مِنكُمْ يَوْمَ ٱلْتَقَى ٱلْجَمْعَانِ ۖ
إِنَّمَا ٱسْتَزَلَّهُمُ ٱلشَّيْطَٰنُ بِبَعْضِ مَا كَسَبُوا۟ ۖ
وَلَقَدْ عَفَا ٱللَّهُ عَنْهُمْ ۗ إِنَّ ٱللَّهَ

ababenza. UAllah Usebaxolele manje ngoba uAllah Uyathethelela, Uyabekezela[1].

غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿١٥٥﴾

ISIGABA17.

**156.** O, nina enikholwayo! Ningabi njengalabo abangakholwa, okuthi uma abafowabo behambele kwamanye amazwe noma besempini, bona bathi: «Ukuba bebehleli kanye nathi bebengeke baficwe ukufa, noma babulawe». Ngalokho-nje UAllah Angabehlisela ukukhala kanye nokuzisola ezinhliziyweni zabo, futhi nguAllah Odale impilo kanye nokufa, ngempela uAllah Ubona kahle konke enikwenzayo.

يَٰٓأَيُّهَا ٱلَّذِينَ ءَامَنُوا۟ لَا تَكُونُوا۟ كَٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ وَقَالُوا۟ لِإِخْوَٰنِهِمْ إِذَا ضَرَبُوا۟ فِى ٱلْأَرْضِ أَوْ كَانُوا۟ غُزًّى لَّوْ كَانُوا۟ عِندَنَا مَا مَاتُوا۟ وَمَا قُتِلُوا۟ لِيَجْعَلَ ٱللَّهُ ذَٰلِكَ حَسْرَةً فِى قُلُوبِهِمْ ۗ وَٱللَّهُ يُحْىِۦ وَيُمِيتُ ۗ وَٱللَّهُ بِمَا تَعْمَلُونَ بَصِيرٌ ﴿١٥٦﴾

**157.** Kunani uma nibulewe noma nifele emsebenzini kaAllah na? Ngoba ngempela intethelelo kakhulu kunakho konke abakuqongelelayo.

وَلَئِن قُتِلْتُمْ فِى سَبِيلِ ٱللَّهِ أَوْ مُتُّمْ لَمَغْفِرَةٌ مِّنَ ٱللَّهِ وَرَحْمَةٌ خَيْرٌ مِّمَّا يَجْمَعُونَ ﴿١٥٧﴾

**158.** Bekunani uma nibulewe noma nifile na, njengoba nizoqoqelwa kuAllah nonke?

وَلَئِن مُّتُّمْ أَوْ قُتِلْتُمْ لَإِلَى ٱللَّهِ تُحْشَرُونَ ﴿١٥٨﴾

**159.** Kungenxa yomusa kaAllah ukuthi ube nokubabekezelela, (Muhammad), kanti ukuba ubunolunya kanye nobudlova, bebezohlakazeka bahambele kude

فَبِمَا رَحْمَةٍ مِّنَ ٱللَّهِ لِنتَ لَهُمْ ۖ وَلَوْ كُنتَ فَظًّا غَلِيظَ ٱلْقَلْبِ لَٱنفَضُّوا۟ مِنْ حَوْلِكَ ۖ فَٱعْفُ عَنْهُمْ وَٱسْتَغْفِرْ لَهُمْ وَشَاوِرْهُمْ فِى ٱلْأَمْرِ ۖ

[1] Funda incazelo 113.

nawe. Ngalokho bathethelele, futhi ubacelele intethelelo, ubonisane nabo ngezinto; uma sewenze isinqumo, beka ithemba lakho kuAllah: ngoba ngempela uAllah Uthanda labo abathembele kuYena.

فَإِذَا عَزَمْتَ فَتَوَكَّلْ عَلَى اللَّهِ ۚ إِنَّ اللَّهَ يُحِبُّ الْمُتَوَكِّلِينَ ﴿١٥٩﴾

**160.** Uma uAllah Enisiza, akekho onganinqoba; futhi uma Enihlubuka, ubani onganisiza ngemuva kwalokho na? Ngempela yikuAllah lapho ligxile khona ithemba labakholwayo.

إِن يَنصُرْكُمُ اللَّهُ فَلَا غَالِبَ لَكُمْ ۖ وَإِن يَخْذُلْكُمْ فَمَن ذَا الَّذِي يَنصُرُكُم مِّن بَعْدِهِ ۗ وَعَلَى اللَّهِ فَلْيَتَوَكَّلِ الْمُؤْمِنُونَ ﴿١٦٠﴾

**161.** Akasoze umProfethi noma yimuphi abangumkhohlisi, futhi noma ubani okhohlisayo, uzocacisa ngoSuku lokwahlulela ngalokho akhohlisa ngakho. Ngakho-ke yonke imiphefumulo iyothola umvuzo ophelele ngalokho eyakusebenzela, futhi akekho ozophathwa ngokungemthetho.

وَمَا كَانَ لِنَبِيٍّ أَن يَغُلَّ ۚ وَمَن يَغْلُلْ يَأْتِ بِمَا غَلَّ يَوْمَ الْقِيَامَةِ ۚ ثُمَّ تُوَفَّىٰ كُلُّ نَفْسٍ مَّا كَسَبَتْ وَهُمْ لَا يُظْلَمُونَ ﴿١٦١﴾

**162.** Ingabe uyefana yini lowo olandela intokozo enhle kaAllah, kanye nalowo ozihehela isijeziso sikaAllah, futhi indawo yakhe okuyisihogo, okuwuhambo oluyophetha kabuhlungu na?

أَفَمَنِ اتَّبَعَ رِضْوَانَ اللَّهِ كَمَنْ بَاءَ بِسَخَطٍ مِّنَ اللَّهِ وَمَأْوَاهُ جَهَنَّمُ ۖ وَبِئْسَ الْمَصِيرُ ﴿١٦٢﴾

**163.** Basezigabeni ezahlukene phambi kukaAllah, futhi uAllah Ubona kahle konke abakwenzayo.

هُمْ دَرَجَاتٌ عِندَ اللَّهِ ۗ وَاللَّهُ بَصِيرٌ بِمَا يَعْمَلُونَ ﴿١٦٣﴾

**164.** Impela, uAllah Ubenzele umusa abakholwayo, ngokuthu-

لَقَدْ مَنَّ اللَّهُ عَلَى الْمُؤْمِنِينَ إِذْ بَعَثَ

فِيهِمْ رَسُولًا مِّنْ أَنفُسِهِمْ يَتْلُوا عَلَيْهِمْ آيَاتِهِ
وَيُزَكِّيهِمْ وَيُعَلِّمُهُمُ الْكِتَابَ وَالْحِكْمَةَ
وَإِن كَانُوا مِن قَبْلُ لَفِي ضَلَالٍ مُّبِينٍ ﴿١٦٤﴾

mela isiThunywa phakathi kwabo[1], esibalandisa ngezimpawu ezibahlambululayo, futhi sibeluleka ngemiBhalo nangobuhlakani, njengoba esikhathini esiphambili babesezonweni ezisobala.

أَوَلَمَّا أَصَابَتْكُم مُّصِيبَةٌ قَدْ أَصَبْتُم مِّثْلَيْهَا
قُلْتُمْ أَنَّىٰ هَٰذَا ۖ قُلْ هُوَ مِنْ عِندِ أَنفُسِكُمْ ۗ
إِنَّ اللَّهَ عَلَىٰ كُلِّ شَيْءٍ قَدِيرٌ ﴿١٦٥﴾

**165.** Kungani uma nivelelwe yingozi, phezu kokuba nina nigadle kwaze kwakabili (ezitheni), kodwa nithi: «Wokunjani-ke lokhu?» Yithi (Muhammad): «Kubangelwe yinina uqobo». Impela uAllah Unamandla phezu kwezinto zonke.

وَمَا أَصَابَكُمْ يَوْمَ الْتَقَى الْجَمْعَانِ فَبِإِذْنِ
اللَّهِ وَلِيَعْلَمَ الْمُؤْمِنِينَ ﴿١٦٦﴾

**166.** Futhi lokho kukhahlamezeka enakuthola mhlazane amabutho elwa womabili, kwakungemvume kaAllah, ukuze Azi ngalabo abakholwayo.

وَلِيَعْلَمَ الَّذِينَ نَافَقُوا ۚ وَقِيلَ لَهُمْ تَعَالَوْا
قَاتِلُوا فِي سَبِيلِ اللَّهِ أَوِ ادْفَعُوا ۖ قَالُوا لَوْ
نَعْلَمُ قِتَالًا لَّاتَّبَعْنَاكُمْ ۗ هُمْ لِلْكُفْرِ يَوْمَئِذٍ
أَقْرَبُ مِنْهُمْ لِلْإِيمَانِ ۚ يَقُولُونَ بِأَفْوَاهِهِم
مَّا لَيْسَ فِي قُلُوبِهِمْ ۗ وَاللَّهُ أَعْلَمُ بِمَا
يَكْتُمُونَ ﴿١٦٧﴾

**167.** Ukuze futhi Azi ngalabo abangabazenzisi, (labo) okwathiwa kubo: «Wozani nilwe ngendlela kaAllah, noma nizivikele». Bahti: «Ukube besikwazi ukulwa besizonilandela. Ngalolosuku babeseduze kokuphika inkolo kunokuba babe abakholwayo. Basho ngemilomo yabo izinto ezazingekho ezinhliziyweni zabo, nokho uAllah

[1] Inhlanhla yayehlele abantu phakathi kwamaArab ayengamaKrestu kanye namaJuda, nabantu nje ababelungile ukuthi kube khona isiThunywa phakathi kwabo esizoba cacisela, futhi sibakhipha ezonweni ezabacacela ngemuva kokulandela isiThunywa.

Unolwazi lwakho konke aba-kuthukusayo.

**168.** Yibo kanye labo ababekhuluma ngabafowabo ababesempini, bona behlezi (emakhaya) bethi: «Ukube basilalela, ngabe abazange babulawe». Yithi (mProfethi): «Kuphebezeni-ke ukufa kunganifici nina, uma nikhuluma iqiniso!».

الَّذِينَ قَالُوا لِإِخْوَانِهِمْ وَقَعَدُوا لَوْ أَطَاعُونَا
مَا قُتِلُوا ۗ قُلْ فَادْرَءُوا عَنْ أَنْفُسِكُمُ الْمَوْتَ
إِنْ كُنْتُمْ صَادِقِينَ ﴿١٦٨﴾

**169.** Ningacabangi ukuthi bafile labo ababulawelwe endleleni kaAllah. Qha, bayaphila! Banesondlo phambi kweNkosi yabo[1].

وَلَا تَحْسَبَنَّ الَّذِينَ قُتِلُوا فِي سَبِيلِ اللَّهِ
أَمْوَاتًا ۚ بَلْ أَحْيَاءٌ عِنْدَ رَبِّهِمْ
يُرْزَقُونَ ﴿١٦٩﴾

**170.** Bayathokoza ngenxa yalokho uAllah Abaphe kona ngomusa waKhe. Bathokozela futhi labo abangakabuthwa kanye nabo kepha besasele ngemuva (kulempilo): ngoba abasena kufikelwa ukwesaba, futhi abasenakukhala.

فَرِحِينَ بِمَا آتَاهُمُ اللَّهُ مِنْ فَضْلِهِ
وَيَسْتَبْشِرُونَ بِالَّذِينَ لَمْ يَلْحَقُوا بِهِمْ مِنْ
خَلْفِهِمْ أَلَّا خَوْفٌ عَلَيْهِمْ وَلَا هُمْ يَحْزَنُونَ ﴿١٧٠﴾

**171.** Bayathokoza ngenxa yomusa nezipho ezivela kuAllah, futhi uAllah Akalichithi iholo labakholwayo.

يَسْتَبْشِرُونَ بِنِعْمَةٍ مِنَ اللَّهِ وَفَضْلٍ
وَأَنَّ اللَّهَ لَا يُضِيعُ أَجْرَ الْمُؤْمِنِينَ ﴿١٧١﴾

ISIGABA18.

**172.** Kulabo abezwe imbizo kaAllah kanye nesiThunywa saKhe ngemuva kokwehlelwa yingozi (empini); kulabo phakathi

الَّذِينَ اسْتَجَابُوا لِلَّهِ وَالرَّسُولِ مِنْ بَعْدِ
مَا أَصَابَهُمُ الْقَرْحُ ۚ لِلَّذِينَ أَحْسَنُوا مِنْهُمْ

[1] Funda isahluko 2:153-157.

kwabo abenza ukulunga, begwema ububi, bazokuba nomvuzo omkhulu[1].

وَاتَّقَوْا أَجْرٌ عَظِيمٌ ﴿١٧٢﴾

**173.** Labo okwathi abantu bethi: «Ngempela kunebutho elikhulu elizonihlasela, ngakho-ke sabelani ( impilo yenu )» . Kepha baqina ukholo lwabo bathi: «Senele thina ngoAllah, futhi UnguMhlengi Ongcono».

الَّذِينَ قَالَ لَهُمُ النَّاسُ إِنَّ النَّاسَ قَدْ جَمَعُوا لَكُمْ فَاخْشَوْهُمْ فَزَادَهُمْ إِيمَانًا وَقَالُوا حَسْبُنَا اللَّهُ وَنِعْمَ الْوَكِيلُ ﴿١٧٣﴾

**174.** Ngakho-ke babuya nomusa kanye nokuhlengwa nguAllah, bengatholanga ngozi: ngokuba balandela okuyintokozo kuAllah- futhi uAllah UyiNkosi yezipho ezingapheliyo.

فَانقَلَبُوا بِنِعْمَةٍ مِّنَ اللَّهِ وَفَضْلٍ لَّمْ يَمْسَسْهُمْ سُوءٌ وَاتَّبَعُوا رِضْوَانَ اللَّهِ وَاللَّهُ ذُو فَضْلٍ عَظِيمٍ ﴿١٧٤﴾

**175.** Usathane kuphela onokwenza nesabe abahlobo bakhe: ngakho-ke ningabesabi, kepha nesabe Mina uma (ngempela) nikholiwe!

إِنَّمَا ذَٰلِكُمُ الشَّيْطَانُ يُخَوِّفُ أَوْلِيَاءَهُ فَلَا تَخَافُوهُمْ وَخَافُونِ إِن كُنتُم مُّؤْمِنِينَ ﴿١٧٥﴾

**176.** Futhi bangakudabukisi labo abazikhethele nje kalula

وَلَا يَحْزُنكَ الَّذِينَ يُسَارِعُونَ فِي الْكُفْرِ إِنَّهُمْ

[1] Kwathi lapho impi yaseUhud isiphelile, abahedeni sebephinda eMakkah; umholi wabo uAbu Sufyan wakhipha izwi lokuthi kubuyelwe emuva ukuze bayocoboshisa wonke amakholwa kungasali nelilodwa. Kwathi ukuba umProfethi akuzwe lokho, wabaxosha ngamabutho ama-Muslim ayeselimele kakhulu; aze ayofika eHamra-ul-Asad: okuyindawo engamamayela angu 8 ukusuka eMadina. Kwathi ukuba abahedeni baseMakkah bezwe ukuthi amaMuslim ayabaxosha babaleka, lapho amaMuslim ahlangana neviyo labahwebi elahwebelana nabo ngenzuzo enkulu. Kukhulunywa ngalesosigameko evesini 172-175.

ukungakholwa: ngempela, labo abazuMkhubaza uAllah nakancane. Inhloso kaAllah, ukubancisha inxenye yakweLizayo; futhi bazothola isijeziso esibuhlungu.

لَنْ يَضُرُّوا اللَّهَ شَيْئًا ۗ يُرِيدُ اللَّهُ أَلَّا يَجْعَلَ لَهُمْ حَظًّا فِي الْآخِرَةِ ۖ وَلَهُمْ عَذَابٌ عَظِيمٌ ﴿١٧٦﴾

**177.** Impela labo abakhethe ukungakholwa kunokuba bakholwe, abazuMkhubaza uAllah nakancane, kepha bona bazobhekana nesijeziso esibuhlungu.

إِنَّ الَّذِينَ اشْتَرَوُا الْكُفْرَ بِالْإِيمَانِ لَنْ يَضُرُّوا اللَّهَ شَيْئًا ۖ وَلَهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿١٧٧﴾

**178.** Futhi labo abangakholwa bangacabangi ukuthi lelithuba eSibanike lona limnandi kubona: Sibanika kuphela ithuba ukuze bazandisele ububi babo; Kepha bazothola isigwebo esijabhisayo.

وَلَا يَحْسَبَنَّ الَّذِينَ كَفَرُوا أَنَّمَا نُمْلِي لَهُمْ خَيْرٌ لِأَنْفُسِهِمْ ۚ إِنَّمَا نُمْلِي لَهُمْ لِيَزْدَادُوا إِثْمًا ۚ وَلَهُمْ عَذَابٌ مُهِينٌ ﴿١٧٨﴾

**179.** UAllah Akazunishiya makholwa nikulesisimo enikuso njengamanje, Uyoze Ahlukanise okubi kokulungileyo. Akasoze futhi uAllah Anivezela izimfihlo ezingabonwa, kepha uAllah Ukhetha eziThunyweni zaKhe lowo Amthandileyo. Ngakho-ke kholwani kuAllah naseziThunyweni zaKhe; ngokuba uma nikholwa, futhi nigwema ububi nizokuba nomvuzo omkhulu.

مَا كَانَ اللَّهُ لِيَذَرَ الْمُؤْمِنِينَ عَلَىٰ مَا أَنْتُمْ عَلَيْهِ حَتَّىٰ يَمِيزَ الْخَبِيثَ مِنَ الطَّيِّبِ ۗ وَمَا كَانَ اللَّهُ لِيُطْلِعَكُمْ عَلَى الْغَيْبِ وَلَٰكِنَّ اللَّهَ يَجْتَبِي مِنْ رُسُلِهِ مَنْ يَشَاءُ ۖ فَآمِنُوا بِاللَّهِ وَرُسُلِهِ ۚ وَإِنْ تُؤْمِنُوا وَتَتَّقُوا فَلَكُمْ أَجْرٌ عَظِيمٌ ﴿١٧٩﴾

**180.** Bangacabangi futhi ukuthi kubahambela kahle labo abancishana ngalokho uAllah abaphe

وَلَا يَحْسَبَنَّ الَّذِينَ يَبْخَلُونَ بِمَا آتَاهُمُ اللَّهُ مِنْ فَضْلِهِ هُوَ خَيْرًا لَهُمْ ۖ بَلْ

kona ngomusa waKhe: neze, kuzoba nzima kubona. Lezizinto abazigodlile ziyoba yijoka ezintanyeni zabo ngoSuku lokuvuka (kwabafileyo): ngokuba uAllah UnguMbusi wokusemazulwini nokusemhlabeni; futhi uAllah Wazi kahle konke enikwenzayo.

هُوَ شَرٌّ لَّهُمْ ۖ سَيُطَوَّقُونَ مَا بَخِلُوا بِهِ يَوْمَ الْقِيَامَةِ ۗ وَلِلَّهِ مِيرَاثُ السَّمَاوَاتِ وَالْأَرْضِ ۗ وَاللَّهُ بِمَا تَعْمَلُونَ خَبِيرٌ ﴿١٨٠﴾

ISIGABA19.

**181.** Ngempela uAllah Ubezwile labo abathi: «Impela uAllah Uyisichaka, thina sicebile!» Sizoloba amazwi kanye nokubulala kwabo abaProfethi ngo kungemthetho, futhi Sizothi: «Yizwani isijeziso ngomlilo»[1].

لَقَدْ سَمِعَ اللَّهُ قَوْلَ الَّذِينَ قَالُوا إِنَّ اللَّهَ فَقِيرٌ وَنَحْنُ أَغْنِيَاءُ ۘ سَنَكْتُبُ مَا قَالُوا وَقَتْلَهُمُ الْأَنبِيَاءَ بِغَيْرِ حَقٍّ ۙ وَنَقُولُ ذُوقُوا عَذَابَ الْحَرِيقِ ﴿١٨١﴾

**182.** Lokhu kungenxa yalokho okuthunyelwe yizandla zenu ngaphambili!» -ngoba ngempela uAllah Akazuziphatha kabi izinceku zaKhe.

ذَٰلِكَ بِمَا قَدَّمَتْ أَيْدِيكُمْ وَأَنَّ اللَّهَ لَيْسَ بِظَلَّامٍ لِّلْعَبِيدِ ﴿١٨٢﴾

**183.** Labo abathi: «UAllah Wasiyala ukuthi singakholwa yisiThunywa size silethe phambi kwethu umhlabelo ozadliwa umlilo (ovela ezulwini)». Yithi (kubona mProfethi): «Ingani kwafika kinina iziThunywa ngaphambi kwami,

الَّذِينَ قَالُوا إِنَّ اللَّهَ عَهِدَ إِلَيْنَا أَلَّا نُؤْمِنَ لِرَسُولٍ حَتَّىٰ يَأْتِيَنَا بِقُرْبَانٍ تَأْكُلُهُ النَّارُ ۗ قُلْ قَدْ جَاءَكُمْ رُسُلٌ مِّن قَبْلِي بِالْبَيِّنَاتِ وَبِالَّذِي قُلْتُمْ فَلِمَ

[1] AmaJuda ayegcona umProfethi ngesambulo esahlukweni 2:245 esithi «Ubani lowo ozoboleka uAllah ngalokho okuhle, ukuze Amandisele ngokuphinda phindiwe na?» Lapha ivesi ligqugquzela ngomnikelo wabampofu.

nezibonakaliso ezicacile kanye nalokho okwakufunwa yinina uqobo: kungani phonababulala, uma nineqiniso?»

قَتَلْتُمُوهُمْ إِن كُنتُمْ صَٰدِقِينَ ﴿١٨٣﴾

**184.** Uma futhi bekuphika-ingani, zaphikwa ngokufanayo izi-Thunywa esikhathini esingaphambi kwakho, ezeza nezibonakaliso ezicacile, namahubo kanye neNcwadi eletha ukukha nya.

فَإِن كَذَّبُوكَ فَقَدْ كُذِّبَ رُسُلٌ مِّن قَبْلِكَ جَآءُو بِالْبَيِّنَٰتِ وَالزُّبُرِ وَالْكِتَٰبِ الْمُنِيرِ ﴿١٨٤﴾

**185.** Yonke imiphefumulo iyozwa ukufa. Niyothola futhi umvuzo wenu ngoSuku lokuvuka kuphela. Noma ubani oyokhishwa emlilweni abesefakwa eJannat (Paradesi), uyobe ephumelele ngempela: ngokuba impilo yakulomhlaba inentokomalo ekhohlisayo.

كُلُّ نَفْسٍ ذَآئِقَةُ الْمَوْتِ ۗ وَإِنَّمَا تُوَفَّوْنَ أُجُورَكُمْ يَوْمَ الْقِيَٰمَةِ ۖ فَمَن زُحْزِحَ عَنِ النَّارِ وَأُدْخِلَ الْجَنَّةَ فَقَدْ فَازَ ۗ وَمَا الْحَيَوٰةُ الدُّنْيَآ إِلَّا مَتَٰعُ الْغُرُورِ ﴿١٨٥﴾

**186.** Ngempela nizovivinywa ngempahla yenu, nani uqobo lwenu, futhi nizozwa okuzonidumaza kulabo abanikwa iNcwadi kuqala kunani, bekanye nalabo abakhonza izithixo. Kepha uma nibekezela, niqaphela ububi lokhoke ngempela kuwumkhawulo ezintweni zonke.

لَتُبْلَوُنَّ فِىٓ أَمْوَٰلِكُمْ وَأَنفُسِكُمْ ۖ وَلَتَسْمَعُنَّ مِنَ الَّذِينَ أُوتُوا الْكِتَٰبَ مِن قَبْلِكُمْ وَمِنَ الَّذِينَ أَشْرَكُوٓا أَذًى كَثِيرًا ۚ وَإِن تَصْبِرُوا وَتَتَّقُوا فَإِنَّ ذَٰلِكَ مِنْ عَزْمِ الْأُمُورِ ﴿١٨٦﴾

**187.** Khumbulani futhi mhlazane uAllah Enza isivumelwano nalabo abanikwa imiBhalo, ukuze bazise futhi bacacisle isintu, nokuthi bangayifihli. Kepha bona

وَإِذْ أَخَذَ اللَّهُ مِيثَٰقَ الَّذِينَ أُوتُوا الْكِتَٰبَ لَتُبَيِّنُنَّهُۥ لِلنَّاسِ وَلَا تَكْتُمُونَهُۥ فَنَبَذُوهُ وَرَآءَ

bayiphonsa ngemuva kwemihlane yabo, futhi bazifunela inzuzo encane ngayo. Yimbi inzuzo abayenzayo!

ظُهُوْرِهِمْ وَاشْتَرَوْا بِهٖ ثَمَنًا قَلِيْلًا ؕ فَبِئْسَ مَا يَشْتَرُوْنَ ۝١٨٧

**188.** Abangacabangi labo abathokozela izinto abazenzileyo, nabathanda ukutuselwa lokho abangakwenzanga, bangacabangi ukuthi bazosigwema isijeziso: ngoba bazothola isijeziso esibuhlungu.

لَا تَحْسَبَنَّ الَّذِيْنَ يَفْرَحُوْنَ بِمَآ اَتَوْا وَّيُحِبُّوْنَ اَنْ يُّحْمَدُوْا بِمَا لَمْ يَفْعَلُوْا فَلَا تَحْسَبَنَّهُمْ بِمَفَازَةٍ مِّنَ الْعَذَابِ ۚ وَلَهُمْ عَذَابٌ اَلِيْمٌ ۝١٨٨

**189.** Impela obukaAllah ubuNgameli basemazulwini nasemhlabeni, futhi Unamandla phezu kwezinto zonke.

وَلِلّٰهِ مُلْكُ السَّمٰوٰتِ وَالْاَرْضِ ؕ وَاللّٰهُ عَلٰى كُلِّ شَيْءٍ قَدِيْرٌ ۝١٨٩

ISIGABA20.

**190.** Bheka! Ekudalweni kwamazulu nomhlaba, kanye nasemehlukweni wobusuku nemini, lokho ngempela kuyizimpawu kubantu abaqondayo.

اِنَّ فِيْ خَلْقِ السَّمٰوٰتِ وَالْاَرْضِ وَاخْتِلَافِ الَّيْلِ وَالنَّهَارِ لَاٰيٰتٍ لِّاُولِي الْاَلْبَابِ ۝١٩٠

**191.** Labo abakhumbula uAllah bemile, futhi behlezi noma becambalele, becabanga ngokudalwa kwamazulu nomhlaba (bethi): «O, Nkosi yethu! Awukudalelanga ize konke lokhu, ubuNgcwele bungobaKho! Uze Usisindise ekujezisweni ngomlilo!»

الَّذِيْنَ يَذْكُرُوْنَ اللّٰهَ قِيٰمًا وَّقُعُوْدًا وَّعَلٰى جُنُوْبِهِمْ وَيَتَفَكَّرُوْنَ فِيْ خَلْقِ السَّمٰوٰتِ وَالْاَرْضِ ۚ رَبَّنَا مَا خَلَقْتَ هٰذَا بَاطِلًا ۚ سُبْحٰنَكَ فَقِنَا عَذَابَ النَّارِ ۝١٩١

**192.** «O, Nkosi yethu! Noma ubani Ozomphonsa emlilweni,

رَبَّنَآ اِنَّكَ مَنْ تُدْخِلِ النَّارَ فَقَدْ اَخْزَيْتَهٗ ؕ

ngempela Umhlazile; futhi labo abonayo abazukuba namisizi».

وَمَا لِلظَّٰلِمِينَ مِنْ أَنصَارٍ ﴿١٩٢﴾

**193.** «Nkosi yethu! Ngempela siyizwile imbizo yalowo osibizela okholweni (ethi): «Kholwani eNkosini yenu!»- ngakho-ke sakholwa. Nkosi yethu! Sithehelele izono zethu, futhi Usule izono zethu, Uthathe futhi imiphefumulo yethu singabalungileyo!»

رَبَّنَآ إِنَّنَا سَمِعْنَا مُنَادِيًا يُنَادِى لِلْإِيمَٰنِ أَنْ ءَامِنُوا۟ بِرَبِّكُمْ فَـَٔامَنَّا ۚ رَبَّنَا فَٱغْفِرْ لَنَا ذُنُوبَنَا وَكَفِّرْ عَنَّا سَيِّـَٔاتِنَا وَتَوَفَّنَا مَعَ ٱلْأَبْرَارِ ﴿١٩٣﴾

**194.** «Nkosi yethu! Usiphe futhi lokho Owasithembisa kona ngeziThunywa zaKho, futhi Usihlenge ekuhlazekeni ngoSuku lokuvuka. Ngempela, Wena Awusephuli isethembiso!»

رَبَّنَا وَءَاتِنَا مَا وَعَدتَّنَا عَلَىٰ رُسُلِكَ وَلَا تُخْزِنَا يَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ ۗ إِنَّكَ لَا تُخْلِفُ ٱلْمِيعَادَ ﴿١٩٤﴾

**195.** Inkosi yabo Yabaphendula: «Ngempela Angiwuthathi njengeze umsebenzi wanoma ubani osebenzayo, kungaba owesilisa noma owesifazane: (ngoba) omunye uyinxenye yomunye. Ngakho-ke labo abafudukayo noma abadingiswa emizini yabo, futhi behlushwa endleleni yaMi, belwa noma bebulawa, ngempela Ngizocima izono zabo, bese Ngibagcina ezivandeni (Paradesi) ezinemifula egobhoza ngaphansi kuzo; - okuyisibusiso phambi kukaAllah. Impela phambi kukaAllah kunezibusiso ezingcono.

فَٱسْتَجَابَ لَهُمْ رَبُّهُمْ أَنِّى لَآ أُضِيعُ عَمَلَ عَٰمِلٍ مِّنكُم مِّن ذَكَرٍ أَوْ أُنثَىٰ ۖ بَعْضُكُم مِّنۢ بَعْضٍ ۖ فَٱلَّذِينَ هَاجَرُوا۟ وَأُخْرِجُوا۟ مِن دِيَٰرِهِمْ وَأُوذُوا۟ فِى سَبِيلِى وَقَٰتَلُوا۟ وَقُتِلُوا۟ لَأُكَفِّرَنَّ عَنْهُمْ سَيِّـَٔاتِهِمْ وَلَأُدْخِلَنَّهُمْ جَنَّٰتٍ تَجْرِى مِن تَحْتِهَا ٱلْأَنْهَٰرُ ثَوَابًا مِّنْ عِندِ ٱللَّهِ ۗ وَٱللَّهُ عِندَهُۥ حُسْنُ ٱلثَّوَابِ ﴿١٩٥﴾

لَا يَغُرَّنَّكَ تَقَلُّبُ الَّذِيْنَ كَفَرُوْا فِي الْبِلَادِ ﴿١٩٦﴾

**196.** Ungakhohliswa amasu ezweni alabo abangakholwa.

مَتَاعٌ قَلِيْلٌ ثُمَّ مَأْوٰىهُمْ جَهَنَّمُ ۚ وَبِئْسَ الْمِهَادُ ﴿١٩٧﴾

**197.** Awukunethezeka okuncane-nje ingani isiphetho sabo yisihogo, okuyindawo yesiphetho sobubi!

لٰكِنِ الَّذِيْنَ اتَّقَوْا رَبَّهُمْ لَهُمْ جَنّٰتٌ تَجْرِيْ مِنْ تَحْتِهَا الْاَنْهٰرُ خٰلِدِيْنَ فِيْهَا نُزُلًا مِّنْ عِنْدِ اللّٰهِ ۗ وَمَا عِنْدَ اللّٰهِ خَيْرٌ لِّلْاَبْرَارِ ﴿١٩٨﴾

**198.** Kepha labo abagcina umsebenzi weNkosi yabo, bazoba sezivandeni ezigobhoza imifula ngaphansi kuzo, lapho bayophila kuzo phakade: okuyisipho abemukelwa ngaso wuAllah. Kunokungcono futhi uAllah Akugcinele labo abalungileyo.

وَاِنَّ مِنْ اَهْلِ الْكِتٰبِ لَمَنْ يُّؤْمِنُ بِاللّٰهِ وَمَآ اُنْزِلَ اِلَيْكُمْ وَمَآ اُنْزِلَ اِلَيْهِمْ خٰشِعِيْنَ لِلّٰهِ ۙ لَا يَشْتَرُوْنَ بِاٰيٰتِ اللّٰهِ ثَمَنًا قَلِيْلًا ۗ اُولٰٓئِكَ لَهُمْ اَجْرُهُمْ عِنْدَ رَبِّهِمْ ۗ اِنَّ اللّٰهَ سَرِيْعُ الْحِسَابِ ﴿١٩٩﴾

**199.** Futhi, bheka, phakathi kwabantu beNcwadi kunalabo abakholwa ngempela kuAllah, nakulokho okwembulwe kinina, nakulokho okwembulwe kubona, bezithoba phambi kukaAllah. Abasoze bakhetha okuyinzuzo encane kunemibiko kaAllah. Inzuzo yabo iseNkosini yabo. Impela uAllah Uyashesha ukunika umvuzo!

يٰٓاَيُّهَا الَّذِيْنَ اٰمَنُوا اصْبِرُوْا وَصَابِرُوْا وَرَابِطُوْا ۟ وَاتَّقُوا اللّٰهَ لَعَلَّكُمْ تُفْلِحُوْنَ ﴿٢٠٠﴾

**200.** O, nina enikholwayo! Bekezelani nidlule abanye ngokubekezela, futhi nibumbane, ngempela nesabe UAllah ukuze niphumelele.

## SURAH MARYAM-MARIAM

سُورَةُ مَرْيَمَ

***UKUZALWA KUKAJESU KRESTU. KUQALA ESAHLUKWENI IAL-IMRAN – ISAHLUKO 3:45-54.***

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَٰنِ الرَّحِيمِ

**16.** Xoxa futhi eNcwadini ngo-Mariya, mhla esuka emndenini wakubo eya endaweni en-gasempumalanga.

وَاذْكُرْ فِي الْكِتَابِ مَرْيَمَ إِذِ انتَبَذَتْ مِنْ أَهْلِهَا مَكَانًا شَرْقِيًّا ﴿١٦﴾

**17.** Wabe esezisitheza kubona, Sase-Sithumela ingelosi[1] yeThu kuye, yabonakala kuye kungathi ngumuntu ophelele.

فَاتَّخَذَتْ مِن دُونِهِمْ حِجَابًا فَأَرْسَلْنَا إِلَيْهَا رُوحَنَا فَتَمَثَّلَ لَهَا بَشَرًا سَوِيًّا ﴿١٧﴾

**18.** Wathi (uMariya): «Ngem-pela ngicela ukukhosela koNomu-sa, (ungasondeli lapha) uma umesaba uAllah!»

قَالَتْ إِنِّي أَعُوذُ بِالرَّحْمَٰنِ مِنكَ إِن كُنتَ تَقِيًّا ﴿١٨﴾

**19.** Yathi (ingelosi): «Mina ngiyisiThunywa esivela eNkosini yakho, Ekumisele ukuba nendo-dana emsulwa».

قَالَ إِنَّمَا أَنَا رَسُولُ رَبِّكِ لِأَهَبَ لَكِ غُلَامًا زَكِيًّا ﴿١٩﴾

**20.** Wathi (uMariya): «Ngizoba nendodana kanjani, lokhu indoda ingakaze ingithinte, futhi nginga-ziphethe kabi na?»

قَالَتْ أَنَّىٰ يَكُونُ لِي غُلَامٌ وَلَمْ يَمْسَسْنِي بَشَرٌ وَلَمْ أَكُ بَغِيًّا ﴿٢٠﴾

**21.** Yathi (ingelosi): «Kuzo-banjalo; iNkosi yakho Ithe: «Kulula lokho kiMina: futhi

قَالَ كَذَٰلِكِ قَالَ رَبُّكِ هُوَ عَلَيَّ هَيِّنٌ وَلِنَجْعَلَهُ آيَةً لِّلنَّاسِ وَرَحْمَةً مِّنَّا وَكَانَ

[1] Saletha isiThunywa sikaMoya (iNgelosi) uGabriyeli.

Simenze nokuthi aze abeyisibonelo esintwini, nomusa ovela kiThina». Lokhu futhi kuwudaba oselunqunyiwe».

أَمْرًا مَّقْضِيًّا ﴿٢١﴾

**22.** Wabe esemkhulelwa, futhi wemuka naye waya endaweni ekude[1].

فَحَمَلَتْهُ فَانتَبَذَتْ بِهِۦ مَكَانًا قَصِيًّا ﴿٢٢﴾

**23.** Izinhlungu zomsiko, zampampisa waze wayofika esiqwini somuthi wesundu. Wakhala: «Maye! Bekungcono ukuba ngafa ngaphambi kwalokhu, futhi ngaba yinto engekho nesebayikhohlwa!»

فَأَجَآءَهَا ٱلْمَخَاضُ إِلَىٰ جِذْعِ ٱلنَّخْلَةِ ۚ قَالَتْ يَٰلَيْتَنِى مِتُّ قَبْلَ هَٰذَا وَكُنتُ نَسْيًا مَّنسِيًّا ﴿٢٣﴾

**24.** Kwezwakala ngezansana kwakhe (izwi) lithi: «Ungakhali! Ngempela iNkosi yakho ikuphembele umfudlana lapho ngezansana kwakho.

فَنَادَىٰهَا مِن تَحْتِهَآ أَلَّا تَحْزَنِى قَدْ جَعَلَ رَبُّكِ تَحْتَكِ سَرِيًّا ﴿٢٤﴾

**25.** Nyakazisa isiqu sesihlahla sesundu (usigobele) ngakuwe: sizo qathakisa phezu kwakho amasundu amasha navuthiwe.

وَهُزِّىٓ إِلَيْكِ بِجِذْعِ ٱلنَّخْلَةِ تُسَٰقِطْ عَلَيْكِ رُطَبًا جَنِيًّا ﴿٢٥﴾

**26.** «Ngakho-ke yidla, uphuze futhi upholise namehlo akho! Uma kwenzeka ubona umuntu uthi: «Bheka! Ngenze isifungo sokuzila koNomusa, futhi angizukhuluma namuntu namhlanje!»

فَكُلِى وَٱشْرَبِى وَقَرِّى عَيْنًا ۖ فَإِمَّا تَرَيِٰنَّ مِنَ ٱلْبَشَرِ أَحَدًا فَقُولِىٓ إِنِّى نَذَرْتُ لِلرَّحْمَٰنِ صَوْمًا فَلَنْ أُكَلِّمَ ٱلْيَوْمَ إِنسِيًّا ﴿٢٦﴾

**27.** Wamletha (umntwana) kwabakubo emphethe. Bathi: «O,

فَأَتَتْ بِهِۦ قَوْمَهَا تَحْمِلُهُۥ ۖ قَالُوا۟ يَٰمَرْيَمُ لَقَدْ

[1] Wasuka kwelaseNazaretha eya eBethlehema, okuyibanga lamamayela angu 71.

Mariya! Impela kuyisimanga lokhu okulethile!»

جِئْتِ شَيْـًٔا فَرِيًّا ﴿٢٧﴾

**28.** «Dadewabo kaAroni! Uyihlo bekungesiyona indoda ekhohlakele, kanye nonyoko engesiyena umuntu oziphethe kabi!»

يَـٰٓأُخْتَ هَـٰرُونَ مَا كَانَ أَبُوكِ ٱمْرَأَ سَوْءٍ وَمَا كَانَتْ أُمُّكِ بَغِيًّا ﴿٢٨﴾

**29.** Wayesekhomba (umntwana). Bathi: «Singakhuluma kanjani nosana lusembelekweni na?»

فَأَشَارَتْ إِلَيْهِ ۖ قَالُوا۟ كَيْفَ نُكَلِّمُ مَن كَانَ فِى ٱلْمَهْدِ صَبِيًّا ﴿٢٩﴾

**30.** Wathi (uJesu): «Ngempela ngiyinceku kaAllah. Ungembulele iNcwadi, futhi Wangenza umProfethi.

قَالَ إِنِّى عَبْدُ ٱللَّهِ ءَاتَىٰنِىَ ٱلْكِتَـٰبَ وَجَعَلَنِى نَبِيًّا ﴿٣٠﴾

**31.** Wangenza ngabusiseka noma kuphi lapho ngikhona, futhi Wangimisela umkhuleko, nokunikela uma-nje ngisaphila.

وَجَعَلَنِى مُبَارَكًا أَيْنَ مَا كُنتُ وَأَوْصَـٰنِى بِٱلصَّلَوٰةِ وَٱلزَّكَوٰةِ مَا دُمْتُ حَيًّا ﴿٣١﴾

**32.** Futhi Ungenze ngamnene kumama, ngangabi umthwalo omkhahlamezayo, ngosizi.

وَبَرًّۢا بِوَٰلِدَتِى وَلَمْ يَجْعَلْنِى جَبَّارًا شَقِيًّا ﴿٣٢﴾

**33.** «Ngakho-ke, ukuthula makube kimi, kusukela osukwini engazalwa ngalo, nangosuku engizofa[1] ngalo, nangosuku engiyovuselwa ngalo ekuphileni!»

وَٱلسَّلَـٰمُ عَلَىَّ يَوْمَ وُلِدتُّ وَيَوْمَ أَمُوتُ وَيَوْمَ أُبْعَثُ حَيًّا ﴿٣٣﴾

**34.** Kunjalo-ke ngoJesu indodana kaMariya, ngamazwi eqiniso, mayelana nalokho abakuphikisayo.

ذَٰلِكَ عِيسَى ٱبْنُ مَرْيَمَ ۚ قَوْلَ ٱلْحَقِّ ٱلَّذِى فِيهِ يَمْتَرُونَ ﴿٣٤﴾

[1] Funda incazelo 129 esahlukweni 4:159.

مَا كَانَ لِلَّهِ أَن يَتَّخِذَ مِن وَلَدٍ ۖ سُبْحَانَهُ ۖ إِذَا قَضَىٰ أَمْرًا فَإِنَّمَا يَقُولُ لَهُ كُن فَيَكُونُ ﴿٣٥﴾

**35.** AkuMfanele uAllah, ukuthi Angazala indodana. Ungcwele Yena! Uma Enquma udaba umane Athi: «Akwenzeke», besekwenzeka!

وَإِنَّ اللَّهَ رَبِّي وَرَبُّكُمْ فَاعْبُدُوهُ ۗ هَٰذَا صِرَاطٌ مُّسْتَقِيمٌ ﴿٣٦﴾

**36.** (UJesu wathi): «Ngempela, uAllah UyiNkosi yami, neKosi yenu, ngakho-ke Mkhonzeni. Lena yindlela eqondile».

فَاخْتَلَفَ الْأَحْزَابُ مِن بَيْنِهِمْ ۖ فَوَيْلٌ لِّلَّذِينَ كَفَرُوا مِن مَّشْهَدِ يَوْمٍ عَظِيمٍ ﴿٣٧﴾

**37.** Kepha amabandla ngokwawo abanemibono ehlukahlukene (ngaye): yeka labo abangakholwa, mhlazane sebelubona ngamehlo loloSuku olunzima!

أَسْمِعْ بِهِمْ وَأَبْصِرْ يَوْمَ يَأْتُونَنَا لَٰكِنِ الظَّالِمُونَ الْيَوْمَ فِي ضَلَٰلٍ مُّبِينٍ ﴿٣٨﴾

**38.** Bezwe, futhi ubabone ngoSuku abayovela ngalo phambi kweThu! Kanti izoni namhlanje ziphambuke kakhulu.

وَأَنذِرْهُمْ يَوْمَ الْحَسْرَةِ إِذْ قُضِيَ الْأَمْرُ ۘ وَهُمْ فِي غَفْلَةٍ وَهُمْ لَا يُؤْمِنُونَ ﴿٣٩﴾

**39.** Ngakho-ke baxwayise ngoSuku olubuhlungu okuyonqunywa ngolo udaba, ngokuba kuze kube manje abanakile, futhi abakholwa (kulo)!

إِنَّا نَحْنُ نَرِثُ الْأَرْضَ وَمَن عَلَيْهَا وَإِلَيْنَا يُرْجَعُونَ ﴿٤٠﴾

**40.** Yithina ngempela esiYizindlalifa zomhlaba, nakho konke okukuwo, futhi konke kuyobuyela kiThina.

## SURAH AN-NISA-ISIFAZANE

سُورَةُ النِّسَآءِ

***UJESU AKAZANGE ABETHELWE ESIPHAMBANWENI, FUTHI UNGUMPROFETHI!***

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَٰنِ الرَّحِيمِ

**153.** Abantu beNcwadi bacela (kuwe Muhammad) ukuthi wenze iNcwadi yehlele kubona, esuka ezulwini. Ngempela bacela ku-Mose ngaphambili okukhulu kunalokhu, ngoba bathi: «Sikhombise uAllah obala»-lapho umbani wabathatha baphuphutheka, ngenxa yobubi babo. Phezu kwalokho bakhonza ithole (legolide), nanxa izimpawu ezicacile sezafika kubana! Noma sekunjalo Sabathethelela, futhi Sanika uMose amandla acacile[1].

يَسْـَٔلُكَ أَهْلُ الْكِتَٰبِ أَن تُنَزِّلَ عَلَيْهِمْ كِتَٰبًا مِّنَ السَّمَآءِ ۚ فَقَدْ سَأَلُوا۟ مُوسَىٰٓ أَكْبَرَ مِن ذَٰلِكَ فَقَالُوٓا۟ أَرِنَا ٱللَّهَ جَهْرَةً فَأَخَذَتْهُمُ الصَّٰعِقَةُ بِظُلْمِهِمْ ۚ ثُمَّ ٱتَّخَذُوا۟ ٱلْعِجْلَ مِنۢ بَعْدِ مَا جَآءَتْهُمُ الْبَيِّنَٰتُ فَعَفَوْنَا عَن ذَٰلِكَ ۚ وَءَاتَيْنَا مُوسَىٰ سُلْطَٰنًا مُّبِينًا ﴿١٥٣﴾

**154.** Senza futhi intaba (yase-Sinayi) yaqonga kunabo mhla wesivumelwano, futhi Sabeluleka: «Ngenani ngesango nikhothame»; futhi Sathi: «Ningaphambuki mayelana nesabatha!», futhi Samisa nabo isivumelwano esiqinile.

وَرَفَعْنَا فَوْقَهُمُ الطُّورَ بِمِيثَٰقِهِمْ وَقُلْنَا لَهُمُ ادْخُلُوا۟ الْبَابَ سُجَّدًا وَقُلْنَا لَهُمْ لَا تَعْدُوا۟ فِى السَّبْتِ وَأَخَذْنَا مِنْهُم مِّيثَٰقًا غَلِيظًا ﴿١٥٤﴾

**155.** Ngokwephula kwabo isivumelwano, kanye nokuphambana nemibiko kaAllah, nokubulala kwabo abaProfethi ngokungemthetho, kanye nesisho sabo

فَبِمَا نَقْضِهِم مِّيثَٰقَهُمْ وَكُفْرِهِم بِـَٔايَٰتِ اللَّهِ وَقَتْلِهِمُ الْأَنۢبِيَآءَ بِغَيْرِ حَقٍّ وَقَوْلِهِمْ قُلُوبُنَا غُلْفٌ ۢ بَلْ طَبَعَ اللَّهُ عَلَيْهَا بِكُفْرِهِمْ

[1] Lesisehlakalo sisesahlukweni 2:55-56.

esithi: Izinhliziyo zethu ziyawalonda (amazwi kaAllah, asikufuni okuzonezezela). Nembala uAllah sewavala izinhliziyo zabo, ngenxa yokungakholwa kwabo, nokho kuncane abakholwa yikho.

فَلَا يُؤْمِنُونَ إِلَّا قَلِيلًا ﴿١٥٥﴾

**156.** Futhi ngokuba baphika ukholo, nokuthi bahlambalaza ngoMariya ngendlela esabekayo[1].

وَبِكُفْرِهِمْ وَقَوْلِهِمْ عَلَىٰ مَرْيَمَ بُهْتَانًا عَظِيمًا ﴿١٥٦﴾

**157.** Futhi bathi: «Impela sambulala uMesiya (uKrestu) uJesu indodana kaMariya isiThunywa sikaAllah!» Kepha abambulalanga futhi abambethelanga, kepha kwabonakala engathi kunjalo kubona[2]; futhi labo abanomehluko kulokhu bayangabaza ngaye, abanalwazi kulokhu, ngaphandle kokungathekisa nje kuphela, ngokuba, ngempela abazange bambulale.

وَقَوْلِهِمْ إِنَّا قَتَلْنَا الْمَسِيحَ عِيسَى ابْنَ مَرْيَمَ رَسُولَ اللَّهِ ۖ وَمَا قَتَلُوهُ وَمَا صَلَبُوهُ وَلَٰكِن شُبِّهَ لَهُمْ ۚ وَإِنَّ الَّذِينَ اخْتَلَفُوا فِيهِ لَفِي شَكٍّ مِّنْهُ ۚ مَا لَهُم بِهِ مِنْ عِلْمٍ إِلَّا اتِّبَاعَ الظَّنِّ ۚ وَمَا قَتَلُوهُ يَقِينًا ﴿١٥٧﴾

**158.** Cha, uAllah wamenyusela kuYena, futhi uAllah Unamandla onke Uhlakaniphile.

بَل رَّفَعَهُ اللَّهُ إِلَيْهِ ۚ وَكَانَ اللَّهُ عَزِيزًا حَكِيمًا ﴿١٥٨﴾

**159.** Nokho, akukho noyedwa kubantu beNcwadi ongekholwe

وَإِن مِّنْ أَهْلِ الْكِتَابِ إِلَّا لَيُؤْمِنَنَّ بِهِ قَبْلَ

[1] AmaJuda athatha uJesu (ukuthula kube kuye) njengomlanjwana, yileyondlela abamhlambalaza ngayo; unina uMariya (iNkosi Ibenaye) bamthatha njengomuntu owayengaziphethe kahle.

[2] Wamelwa omunye owayenjengaye. Abanye bathi kwaba nguJudas owaphanyekwayo ngoba wayefana noJesu, futhi kwenzeka lokhu kusebusuku.

nguye (uJesu), ngaphambi kokuba afe[1]; futhi ngoSuku lokuvuka uzobe engufakazi obhekene nabo.

مَوْتِهِۦ ۚ وَيَوْمَ ٱلْقِيَٰمَةِ يَكُونُ عَلَيْهِمْ شَهِيدًا ﴿١٥٩﴾

**160.** Ngenxa yokona kwamaJuda, Sabenqabela kokunye (ukudla) okuhlanzekile okwakuvumelekile kubona (ngaphambili); ngokuba bavimbele iningi endleleni kaAllah.

فَبِظُلْمٍ مِّنَ ٱلَّذِينَ هَادُوا۟ حَرَّمْنَا عَلَيْهِمْ طَيِّبَٰتٍ أُحِلَّتْ لَهُمْ وَبِصَدِّهِمْ عَن سَبِيلِ ٱللَّهِ كَثِيرًا ﴿١٦٠﴾

**161.** Nokuthi bathatha inzalo, noma babenqatshelwe, futhi bashwaqa ingcebo yabantu ngobuqili; futhi Silungiselele labo phakathi kwabo abangakholwa isijeziso esibuhlungu.

وَأَخْذِهِمُ ٱلرِّبَوٰا۟ وَقَدْ نُهُوا۟ عَنْهُ وَأَكْلِهِمْ أَمْوَٰلَ ٱلنَّاسِ بِٱلْبَٰطِلِ ۚ وَأَعْتَدْنَا لِلْكَٰفِرِينَ مِنْهُمْ عَذَابًا أَلِيمًا ﴿١٦١﴾

**162.** Kepha abanye phakathi kwabo abanolwazi oluphelele, kanye nabakholwayo, bakholwa yilokho okwembulelwe wena[2], nalokho okwembulwa ngaphambi kwakho, futhi kulabo abagcina umthandazo, nalabo abanikela (izakat) kwabampofu, futhi bekholwa kuAllah nasoSukwini lokugcina: abanjaloke labo eSiyobapha umvuzo omkhulu.

لَٰكِنِ ٱلرَّٰسِخُونَ فِى ٱلْعِلْمِ مِنْهُمْ وَٱلْمُؤْمِنُونَ يُؤْمِنُونَ بِمَآ أُنزِلَ إِلَيْكَ وَمَآ أُنزِلَ مِن قَبْلِكَ وَٱلْمُقِيمِينَ ٱلصَّلَوٰةَ وَٱلْمُؤْتُونَ ٱلزَّكَوٰةَ وَٱلْمُؤْمِنُونَ بِٱللَّهِ وَٱلْيَوْمِ ٱلْءَاخِرِ ۚ أُو۟لَٰٓئِكَ سَنُؤْتِيهِمْ أَجْرًا عَظِيمًا ﴿١٦٢﴾

[1] Uzofa ekubuyeni kwakhe okwesibili. Lokhu kuchaza isahluko 19:33.

[2] Ukukholwa yiNcwadi iKur'an akusho ukuphika izambulo ezazikhona ngaphambili, ngoba ifakazela lezo ezembulwa. Abafuni beziNcwadi eziNgcwele ababeneqiniso kanye nolwazi, bamemukela umProfethi uMuhammad (ukuthula kube kuye) kanye nesambulo ezanaso.

ISIGABA23.

إِنَّآ أَوْحَيْنَآ إِلَيْكَ كَمَآ أَوْحَيْنَآ إِلَىٰ نُوحٍ
وَٱلنَّبِيِّـۧنَ مِنۢ بَعْدِهِۦ ۚ وَأَوْحَيْنَآ إِلَىٰٓ إِبْرَٰهِيمَ
وَإِسْمَٰعِيلَ وَإِسْحَٰقَ وَيَعْقُوبَ
وَٱلْأَسْبَاطِ وَعِيسَىٰ وَأَيُّوبَ وَيُونُسَ
وَهَٰرُونَ وَسُلَيْمَٰنَ ۚ وَءَاتَيْنَا دَاوُۥدَ زَبُورًا ﴿١٦٣﴾

**163.** Impela Sikwembulele wena (Muhammad) nje ngalokho Sembulela uNowa, nabaProfethi emva kwakhe: futhi Sembulela uAbraham, noIshmayeli, noIsaka, noJakobe, naseZizweni zonke, nakuJesu, noJobe, noJona, noAroni, noSolomoni, futhi uDavide Samnika amahubo.

وَرُسُلًا قَدْ قَصَصْنَٰهُمْ عَلَيْكَ مِن قَبْلُ
وَرُسُلًا لَّمْ نَقْصُصْهُمْ عَلَيْكَ ۚ وَكَلَّمَ
ٱللَّهُ مُوسَىٰ تَكْلِيمًا ﴿١٦٤﴾

**164.** Futhi Sesikulandisile ngaphambili udaba ngezinye iziThunywa, ezinye futhi asikulandisanga ngazo. KuMose uAllah wakhuluma naye ngqo.

رُّسُلًا مُّبَشِّرِينَ وَمُنذِرِينَ لِئَلَّا يَكُونَ
لِلنَّاسِ عَلَى ٱللَّهِ حُجَّةٌۢ بَعْدَ ٱلرُّسُلِ ۚ وَكَانَ
ٱللَّهُ عَزِيزًا حَكِيمًا ﴿١٦٥﴾

**165.** IziThunywa zaletha izindaba ezimnandi, kanye nezexwayiso, ukuze abantu bangabi nokuziphendulela kuAllah emveni kweziThunywa[1]. Impela uAllah Unamandla onke Uhlakaniphile.

لَّٰكِنِ ٱللَّهُ يَشْهَدُ بِمَآ أَنزَلَ إِلَيْكَ أَنزَلَهُۥ
بِعِلْمِهِۦ ۖ وَٱلْمَلَٰٓئِكَةُ يَشْهَدُونَ ۚ وَكَفَىٰ
بِٱللَّهِ شَهِيدًا ﴿١٦٦﴾

**166.** Noma kunjani uAllah (nguYena) Ofakazayo ukuthi lokho Akwembule kuwe, Ukwembule ngolwazi laKhe, futhi nezingelosi ziyafakaza, kepha uAllah Ungufakazi Owenele.

---

[1] Ubuhlakani bukaAllah ukuthi Waletha Waletha iziThunywa phakathi kwethu ezingabantu, futhi zibhekene nesimo esifana naleso esinzima esibhekene naso; ngakho-ke singeze sakwazi ukuseka ubuvila bokucabanga nokudlubulunda kwethu ngokuthi sibeke izaba eziningi.

إِنَّ الَّذِينَ كَفَرُوا وَصَدُّوا عَن
سَبِيلِ اللَّهِ قَدْ ضَلُّوا ضَلَالًا بَعِيدًا ﴿١٦٧﴾

**167.** Ngempela labo abaphika ukholo, futhi bevimbe endleleni kaAllah, balahlekele kude ngempela.

إِنَّ الَّذِينَ كَفَرُوا وَظَلَمُوا لَمْ يَكُنِ اللَّهُ
لِيَغْفِرَ لَهُمْ وَلَا لِيَهْدِيَهُمْ طَرِيقًا ﴿١٦٨﴾

**168.** Nalabo abaphika ukholo futhi benze nokubi, uAllah ngempela Akasoze Abathethelela, futhi Akasoze Abaholela endleleni.

إِلَّا طَرِيقَ جَهَنَّمَ خَالِدِينَ فِيهَا أَبَدًا ۚ وَكَانَ
ذَٰلِكَ عَلَى اللَّهِ يَسِيرًا ﴿١٦٩﴾

**169.** Kungaba indlela kuphela eya esihogweni, ukuze bahlale kuso ngonaphakade: futhi kulula lokho kuAllah.

يَا أَيُّهَا النَّاسُ قَدْ جَاءَكُمُ الرَّسُولُ بِالْحَقِّ
مِن رَّبِّكُمْ فَآمِنُوا خَيْرًا لَّكُمْ ۚ وَإِن تَكْفُرُوا
فَإِنَّ لِلَّهِ مَا فِي السَّمَاوَاتِ وَالْأَرْضِ ۚ
وَكَانَ اللَّهُ عَلِيمًا حَكِيمًا ﴿١٧٠﴾

**170.** O, sintu! IsiThunywa sesifike kinina neqiniso elivela eNkosini yenu: ngakho-ke kholwani kuso, lokho kuzoba ngcono kinina! Kepha uma niphika ukholo, ngempela kungokukaAllah konke okusemazulwini nasemhlabeni, futhi uAllah Wazi konke Uhlakaniphile!

يَا أَهْلَ الْكِتَابِ لَا تَغْلُوا فِي دِينِكُمْ
وَلَا تَقُولُوا عَلَى اللَّهِ إِلَّا الْحَقَّ ۚ إِنَّمَا
الْمَسِيحُ عِيسَى ابْنُ مَرْيَمَ رَسُولُ اللَّهِ وَكَلِمَتُهُ ۚ
أَلْقَاهَا إِلَىٰ مَرْيَمَ وَرُوحٌ مِّنْهُ ۖ فَآمِنُوا بِاللَّهِ

**171.** O, bantu beNcwadi! Musani ukwengeza[1] (ngamanga) enkolweni iyenu, futhi ningasho lutho ngoAllah ngaphandle kweqiniso lodwa. UMesiya (uKrestu) uJesu, indodana kaMariya,

[1] AmaKrestu athi Ujesu nguNkulunkulu, kanti amaJuda athi ungumlanjwana. Womabili lamaqembu ayakhuzwa ukuthi ayeke ukwengeza ngamanga.

وَرُسُلِهٖ ۫ وَلَا تَقُوْلُوْا ثَلٰثَةٌ ۭ اِنْتَهُوْا خَيْرًا لَّكُمْ ۭ اِنَّمَا اللّٰهُ اِلٰهٌ وَّاحِدٌ ۭ سُبْحٰنَهٗٓ اَنْ يَّكُوْنَ لَهٗ وَلَدٌ ۘ لَهٗ مَا فِي السَّمٰوٰتِ وَمَا فِي الْاَرْضِ ۭ وَكَفٰى بِاللّٰهِ وَكِيْلًا ۝

wayeyisiThunywa nje sikaAllah[1], kanye nezwi laKhe Alimemezela kuMariya, noMoya ophuma kuYena. Ngakho-ke kholwani kuAllah, naseziThunyweni zaKhe, futhi ningathi: 'Uziquntathu!'[2] Phezani: kuzoba ngcono kinina. UAllah uNkulunkulu Oeydwa kuphela. Ungcwele Yena ngaphezu kokuthi angazala indodana. KungokwaKhe konke okusemazulwini nasemhlabeni. Wenele futhi uAllah njengoMvikeli.

لَنْ يَّسْتَنْكِفَ الْمَسِيْحُ اَنْ يَّكُوْنَ عَبْدًا لِّلّٰهِ وَلَا الْمَلٰۗىِٕكَةُ الْمُقَرَّبُوْنَ ۭ وَمَنْ يَّسْتَنْكِفْ عَنْ عِبَادَتِهٖ وَيَسْتَكْبِرْ فَسَيَحْشُرُهُمْ اِلَيْهِ جَمِيْعًا ۝

**172.** UKrestu akazange akweye ukuba yinceku kaAllah, kanjalo nezingelosi ezisondele (kakhulu kuYena)[3]. Kanti labo abakweyayo ukuba yizikhonzi zaKhe (uAllah), futhi beziqhayisa, Uzobaqoqela phambi kwaKhe bonke.

---

[1] UAllah Uvumelana nokuthi:

1. UJesu wayeyisiThunywa saKhe.
2. UnguLizwi elamenyezelwa kuMariya (ngokusho koMdali ukuthi kudaleke utho esizalweni sowesifazane; kwasekwenzeka).
3. Waqiniswa ngoMoya oyiNgcwele.
4. AmaJuda namaKrestu mawakholwe eziThunyweni zikaAllah, uJesu noMuhammad njengoba bekholwa kwezinye ezabendulela.

[2] UAllah UnguMoya akanasiqu ngoba akabonwa ngamehlo enyama. «Anizange nizwe **izwi laKhe**, anisibonanga **isimo saKhe**. Johane 5:37. Funda futhi isahluko 5:76 kwiKur'an nencazelo.

[3] ...yona lemisebenzi engiyenzayo, iyangifakazela ukuthi uBaba* **ungithumile.** Johane 5:36. ...ngokuba ngingafuni eyami intando kepha intando **yongithumileyo**. Johane 5:30.

* Funda incazelo 139 ngoBaba kanye namadodana. Leligama lichaza isikhundla sobuholi bukaNkulunkulu noma umuntu wesilisa omdala, lisetshenziswe njengesisho; uNkulunkulu uYadala akazali, 2:116.

فَأَمَّا الَّذِينَ آمَنُوا وَعَمِلُوا الصَّالِحَاتِ فَيُوَفِّيهِمْ أُجُورَهُمْ وَيَزِيدُهُمْ مِنْ فَضْلِهِ ۖ وَأَمَّا الَّذِينَ اسْتَنْكَفُوا وَاسْتَكْبَرُوا فَيُعَذِّبُهُمْ عَذَابًا أَلِيمًا ۙ وَلَا يَجِدُونَ لَهُمْ مِنْ دُونِ اللَّهِ وَلِيًّا وَلَا نَصِيرًا ﴿١٧٣﴾

**173.** Ngakho-ke labo abakholwayo, benze nokulunga, Uzobanika umvuzo (ophelele), futhi Anezezele ngoMusa waKhe; besekuthi labo abeyayo, futhi beziqhayisa bona Uzobajezisa ngesijeziso esibuhlungu. Abasoze futhi bamthola onokubavikela, nozobasiza ngaphandle kukaAllah.

يَا أَيُّهَا النَّاسُ قَدْ جَاءَكُمْ بُرْهَانٌ مِنْ رَبِّكُمْ وَأَنْزَلْنَا إِلَيْكُمْ نُورًا مُبِينًا ﴿١٧٤﴾

**174.** O, sintu! Ngempela sekufike kinina iqiniso elivela eNkosini yenu, futhi Sesinembulele ukukhanya okucacile.

فَأَمَّا الَّذِينَ آمَنُوا بِاللَّهِ وَاعْتَصَمُوا بِهِ فَسَيُدْخِلُهُمْ فِي رَحْمَةٍ مِنْهُ وَفَضْلٍ وَيَهْدِيهِمْ إِلَيْهِ صِرَاطًا مُسْتَقِيمًا ﴿١٧٥﴾

**175.** Kulabo abakholwa kuAllah banamathele kuYena, Uzobemukela emseni waKhe, nangezipho, futhi Abaholele kuYena ngendlela eqondile.

يَسْتَفْتُونَكَ قُلِ اللَّهُ يُفْتِيكُمْ فِي الْكَلَالَةِ ۚ إِنِ امْرُؤٌ هَلَكَ لَيْسَ لَهُ وَلَدٌ وَلَهُ أُخْتٌ فَلَهَا نِصْفُ مَا تَرَكَ ۚ وَهُوَ يَرِثُهَا إِنْ لَمْ يَكُنْ لَهَا وَلَدٌ ۚ فَإِنْ كَانَتَا اثْنَتَيْنِ فَلَهُمَا الثُّلُثَانِ مِمَّا تَرَكَ ۚ وَإِنْ كَانُوا إِخْوَةً رِجَالًا وَنِسَاءً فَلِلذَّكَرِ مِثْلُ حَظِّ الْأُنْثَيَيْنِ ۗ

**176.** (O, mProfethi) bafuna kuwe isinqumo ngokomthetho (ngamafa), yithi: «UAllah Uyala ngalabo phakathi kwenu abnagenalo uzalo, noma abazali aba nokudla ifa labo. Uma kungowesilisa ofayo, engenayo ingane enodadewabo, kumele udadewabo athole inxenye yefa. Kanjalo uma kungowesifazane ofayo, engenamntwana, umfowabo athathe ifa lakhe. Uma enodadewabo ababili, mabathole izinxenye ezimbili kwezintathu efeni lonke. Uma kunabafowabo

nodadewabo, owesilisa makathole ngokuphindwe kabili kokutholwe ngowesifazane». UAllah Uyanicacisela ukuze ningaphazami, futhi uAllah Unolwazi ngezinto zonke.

يُبَيِّنُ ٱللَّهُ لَكُمْ أَن تَضِلُّوا۟ ۗ وَٱللَّهُ بِكُلِّ شَىْءٍ عَلِيمٌ ﴿١٧٦﴾

## SURAH AL-MAA'IDA-ITAFULA

سُورَةُ المَائِدَة

### UJESU AKASIYENA UNKULUNKULU.

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

بِسْمِ اللّٰهِ الرَّحْمٰنِ الرَّحِيْمِ

**12.** Futhi uAllah ngempela Wenza isivumelwano nabantwana bakaIsrayeli, lapho seSimisa amakhosi ayishumi nambili phakathi kwabo. UAllah futhi Wathi: «Bheka! Ngikanye nani! Uma nigcina imithandazo, futhi ninikela kwabampofu, nikholwa futhi ezi-Thunyweni zaMi, futhi nizihlonipha, (nizisize) nithseleke uAllah isikweletu esihle. Ngempela ngizosula izono zenu, futhi Nginingenise ezivandeni ezigobhoza imifula ngaphansi kuzo. Kepha uma kukhona ophika ukholo ngemuva kwalokhu phakathi kwenu, uphambukile endleleni esobala!»

وَلَقَدْ أَخَذَ اللّٰهُ مِيْثَاقَ بَنِيْٓ إِسْرَآءِيْلَ ۚ وَبَعَثْنَا مِنْهُمُ اثْنَيْ عَشَرَ نَقِيْبًا ۚ وَقَالَ اللّٰهُ إِنِّيْ مَعَكُمْ ۖ لَئِنْ أَقَمْتُمُ الصَّلٰوةَ وَاٰتَيْتُمُ الزَّكٰوةَ وَاٰمَنْتُمْ بِرُسُلِيْ وَعَزَّرْتُمُوْهُمْ وَأَقْرَضْتُمُ اللّٰهَ قَرْضًا حَسَنًا لَّأُكَفِّرَنَّ عَنْكُمْ سَيِّاٰتِكُمْ وَلَأُدْخِلَنَّكُمْ جَنّٰتٍ تَجْرِيْ مِنْ تَحْتِهَا الْأَنْهٰرُ ۚ فَمَنْ كَفَرَ بَعْدَ ذٰلِكَ مِنْكُمْ فَقَدْ ضَلَّ سَوَآءَ السَّبِيْلِ ﴿١٢﴾

**13.** Ngenxa yokwephula kwabo izivumelwano, Sabaqalekisa, futhi Senza izinhliziyo zabo zalukhuni: basusa amazwi lapho ayekhona, futhi bakhohlwa nawumbiko ababewuthunyelwe. Awusoze futhi wahluleka ukubona ukungethembeki kweningi labo, ngaphandle kwengcosana nje yabo. Kepha ubathethelele, ungabanaki: Impela uAllah Uthanda labo abenza okuhle.

فَبِمَا نَقْضِهِمْ مِّيْثَاقَهُمْ لَعَنّٰهُمْ وَجَعَلْنَا قُلُوْبَهُمْ قٰسِيَةً ۖ يُحَرِّفُوْنَ الْكَلِمَ عَنْ مَّوَاضِعِهٖ ۙ وَنَسُوْا حَظًّا مِّمَّا ذُكِّرُوْا بِهٖ ۚ وَلَا تَزَالُ تَطَّلِعُ عَلٰى خَآئِنَةٍ مِّنْهُمْ إِلَّا قَلِيْلًا مِّنْهُمْ ۖ فَاعْفُ عَنْهُمْ وَاصْفَحْ ۖ إِنَّ اللّٰهَ يُحِبُّ الْمُحْسِنِيْنَ ﴿١٣﴾

وَمِنَ الَّذِيْنَ قَالُوْٓا اِنَّا نَصٰرٰٓى
اَخَذْنَا مِيْثَاقَهُمْ فَنَسُوْا حَظًّا مِّمَّا
ذُكِّرُوْا بِهٖ ۠ فَاَغْرَيْنَا بَيْنَهُمُ
الْعَدَاوَةَ وَالْبَغْضَآءَ اِلٰى يَوْمِ
الْقِيٰمَةِ ؕ وَسَوْفَ يُنَبِّئُهُمُ اللّٰهُ
بِمَا كَانُوْا يَصْنَعُوْنَ ﴿١٤﴾

**14.** Ngokunjalo kwabazibiza: ngama 'Krestu', Senza isivumelwano nabo, kepha sebakhohlwa umbiko ababewuthunyelwe, ngakho-ke Sabhebhezela ubutha nenzondo ephakathi kwabo[1], koze kube ngoSuku lokuvuka (kwabafileyo) lapho uAllah Eyobazisa ngalokho ababekwenza.

يٰٓاَهْلَ الْكِتٰبِ قَدْ جَآءَكُمْ
رَسُوْلُنَا يُبَيِّنُ لَكُمْ كَثِيْرًا مِّمَّا
كُنْتُمْ تُخْفُوْنَ مِنَ الْكِتٰبِ
وَيَعْفُوْا عَنْ كَثِيْرٍ ؕ قَدْ جَآءَكُمْ
مِّنَ اللّٰهِ نُوْرٌ وَّكِتٰبٌ مُّبِيْنٌ ﴿١٥﴾

**15.** O, bantu beNcwadi! Sekufike kinina isiThunywa Sethu esembula okuningi ebenikucashisile eNcwadini, futhi sichitha nokuningi (okungadingeki)[2]. Ngempela sekufike kinina ukukuhanya okuvela kuAllah, kanye neNcwadi esobala.

يَّهْدِيْ بِهِ اللّٰهُ مَنِ اتَّبَعَ
رِضْوَانَهٗ سُبُلَ السَّلٰمِ وَيُخْرِجُهُمْ
مِّنَ الظُّلُمٰتِ اِلَى النُّوْرِ بِاِذْنِهٖ
وَيَهْدِيْهِمْ اِلٰى صِرَاطٍ مُّسْتَقِيْمٍ ﴿١٦﴾

**16.** UAllah Uhola ngayo bonke abafuna okuhle kuYena, Abase endleleni yokuthula nephephile, futhi Ubakhipha ebumnyameni, ngentando yaKhe, Abase ekukhanyeni, Ubaholela futhi endleleni eqondile.

---

[1] ...yilowo nalowo kinina uthi: mina ngingoka Pawulu; mina ngingokaApholo (umGriki); mina ngingokaKhefase (umRoma), mina ngingokaKrestu. UKrestu wahlukaniswa yini? 1 KwabaseKorinte 1:12-13.

[2] Umbiko kaAllah Awembulela uMuhammad (ukuthula kube kuye) iKur'an eyiNgcwele, ungowokugcina nozohlunga phakathi kweqiniso namanga.

لَقَدْ كَفَرَ الَّذِينَ قَالُوٓا۟ إِنَّ ٱللَّهَ هُوَ
ٱلْمَسِيحُ ٱبْنُ مَرْيَمَ ۚ قُلْ فَمَن يَمْلِكُ
مِنَ ٱللَّهِ شَيْـًٔا إِنْ أَرَادَ أَن يُهْلِكَ
ٱلْمَسِيحَ ٱبْنَ مَرْيَمَ وَأُمَّهُۥ وَمَن فِى
ٱلْأَرْضِ جَمِيعًا ۗ وَلِلَّهِ مُلْكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ
وَٱلْأَرْضِ وَمَا بَيْنَهُمَا ۚ يَخْلُقُ
مَا يَشَآءُ ۚ وَٱللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَىْءٍ
قَدِيرٌ ﴿١٧﴾

**17.** Abakholwa ngempela labo abathi: «Impela uAllah nguKrestu[1], indodana kaMariya». Yithi: «Ubani-ke owaye nokwenza utho kuAllah, uma ngabe Waye hlose ukubhubhisa uKrestu indodana kaMariya, kanye nonina, nabo bonke labo abasemhlabeni na? NgobukaAllah ubuKhosi basemazulwini nasemkhathini. Wadala lokho Akuthandayo: futhi uAllah Unamandla phezu kwezinto zonke!».

وَقَالَتِ ٱلْيَهُودُ وَٱلنَّصَٰرَىٰ نَحْنُ أَبْنَٰٓؤُا۟ ٱللَّهِ
وَأَحِبَّٰٓؤُهُۥ ۚ قُلْ فَلِمَ يُعَذِّبُكُم بِذُنُوبِكُم ۖ بَلْ أَنتُم
بَشَرٌ مِّمَّنْ خَلَقَ ۚ يَغْفِرُ لِمَن يَشَآءُ وَيُعَذِّبُ
مَن يَشَآءُ ۚ وَلِلَّهِ مُلْكُ ٱلسَّمَٰوَٰتِ وَٱلْأَرْضِ
وَمَا بَيْنَهُمَا ۖ وَإِلَيْهِ ٱلْمَصِيرُ ﴿١٨﴾

**18.** AmaJuda kanye namaKrestu athi: «Singamadodana kaAllah[2], kanye nabathandekayo kuYe». Yithi: «Pho kungani, nijeziswa ngenxa yezono zenu na?» Cha, ningabantu nje abadalwe nguYe. Uthethelela lowo Amthandileyo, futhi Ajezise lowo Athande ukumjezisa: ngokuba obukaAllah ubuKhosi basemazulwini nasemhlabeni, kanye nasemkhathini, futhi konke kuyophindela kuYena.

يَٰٓأَهْلَ ٱلْكِتَٰبِ قَدْ جَآءَكُمْ رَسُولُنَا يُبَيِّنُ

**19.** O, bantu beNcwadi! Manje

[1] UKrestu ungoweNkosi. Luka 2:26. UKrestu wazalwa. Luka 2:11. Igama elithi Krestu lisho ogcotshiweyo, pho ubani ongagcoba uNkulunkulu na? UNkulunkulu kuphela ogcaba lowo amthandileyo ezi-Thynyweni zaKhe.

[2] Isisho esijwayelekile kumaJuda namaKrestu ukuthi uNkulunkulu unguBaba wabo. Lokho akusho ukuthi abasezugwetshwa ngamacala abo. Mabaphenduke ukuze bathethelelwe. Funda isahluko 5:77.

sekufike isiThunywa[1] Sethu kinina ukuzo nicacisela (izinto), ngemuva kwekhefu (ohleni) lweziThunywa, hleze nithi: «Akufikanga isiThunywa kithina nezindaba ezimnandi nomxwayisi»: manje sekufike isiThunywa kinina nezindaba ezimnandi nezexwayiso, ngoba uAllah Unamandla phezu kwezinto zonke.

لَكُمْ عَلَىٰ فَتْرَةٍ مِّنَ الرُّسُلِ أَن تَقُولُوا مَا جَاءَنَا
مِن بَشِيرٍ وَلَا نَذِيرٍ ۖ فَقَدْ جَاءَكُم بَشِيرٌ
وَنَذِيرٌ ۗ وَاللَّهُ عَلَىٰ كُلِّ شَيْءٍ قَدِيرٌ ﴿١٩﴾

[1] Funda incazelo 137, kanye nesahluko 3:144.

## SURAH AL-MAA'IDA-ITAFULA

سُورَةُ المَائِدَة

### AKANAZO IZIQU

### EZINTATHU.

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَٰنِ الرَّحِيمِ

**67.** O, Sithunywa! Bazise ngokwembulelwe wena, kuvela eNkosini yakho: ngokuba uma ungakwenzi lokho, uzobe ungafezanga okuthunywe nguYena. Futhi uAllah Uzokuvi kela[1] kubantu: ngempela uAllah Akabaholi labo abangakholwa.

يَا أَيُّهَا الرَّسُولُ بَلِّغْ مَا أُنزِلَ إِلَيْكَ مِن رَّبِّكَ ۖ وَإِن لَّمْ تَفْعَلْ فَمَا بَلَّغْتَ رِسَالَتَهُ ۚ وَاللَّهُ يَعْصِمُكَ مِنَ النَّاسِ ۗ إِنَّ اللَّهَ لَا يَهْدِي الْقَوْمَ الْكَافِرِينَ ﴿٦٧﴾

**68.** Yithi: «O, bantu beNcwadi! Aninaso isisekelo ngaphandle kokuba nigcine iTorah (uMthetho kuMose) ne Vangeli, kanye nakho konke okwembulwe kinina kuvela eNkosini yenu! Impela lokho okwembulelwe wena (Muhammad) kuvela eNkosini yakho kuzokwandisa kwabaningi ukuhlubuka nokungakholwa. Kepha ungabi lusizi ngabantu abangakholwa[2].

قُلْ يَا أَهْلَ الْكِتَابِ لَسْتُمْ عَلَىٰ شَيْءٍ حَتَّىٰ تُقِيمُوا التَّوْرَاةَ وَالْإِنجِيلَ وَمَا أُنزِلَ إِلَيْكُم مِّن رَّبِّكُمْ ۗ وَلَيَزِيدَنَّ كَثِيرًا مِّنْهُم مَّا أُنزِلَ إِلَيْكَ مِن رَّبِّكَ طُغْيَانًا وَكُفْرًا ۚ فَلَا تَأْسَ عَلَى الْقَوْمِ الْكَافِرِينَ ﴿٦٨﴾

**69.** Ngempela labo abakholwayo (yiKu'ran), nalabo

إِنَّ الَّذِينَ آمَنُوا وَالَّذِينَ هَادُوا

[1] UAllah Wasivikela isiThunywa saKhe sawufeza umsebenzi, nanxa kwakunezimpi ezazihlose ukubhuntshisa lomsebenzi. «UmProfethi oyakukhuluma izwi ngokuziqhenya engameni lami engingamyalanga ukulikhuluma noma ekhuluma egameni labanye onkulunkulu, lowo mProfethi uyakufa. Dut. 18:20. Lokhu kusho ukuthi uAllah angeke amhlenga ezitheni zakhe.

[2] Lamazwi kaAllah agcwalisa kulawa: «Bheka, lo umiselwe ukuwa nokuvuka kwabaningi kwaIsrayeli nesibusiso esiphikwayo. Luke 2:34.

abangamaJuda, namaSabiya, namaKrestu, noma ubani okholwa kuAllah nasoSukwini lokugcina, enze okuhle, abaseyukwesaba, futhi abaseyukuba lusizi[1].

وَالصَّٰبِـُٔونَ وَالنَّصَٰرَىٰ مَنْ ءَامَنَ بِاللَّهِ وَالْيَوْمِ الْءَاخِرِ وَعَمِلَ صَٰلِحًا فَلَا خَوْفٌ عَلَيْهِمْ وَلَا هُمْ يَحْزَنُونَ ﴿٦٩﴾

**70.** Ngempela Senza isivumelwano nabantwana bakwaIsrayeli, futhi Sabathumelela neziThunywa; kuthi jalo uma kuza isiThunywa nalokho abangakuthandi, inxenye bayiphikisa, kanti ezinye bayazibulala.

لَقَدْ أَخَذْنَا مِيثَٰقَ بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ وَأَرْسَلْنَآ إِلَيْهِمْ رُسُلًا ۖ كُلَّمَا جَآءَهُمْ رَسُولٌۢ بِمَا لَا تَهْوَىٰٓ أَنفُسُهُمْ فَرِيقًا كَذَّبُوا۟ وَفَرِيقًا يَقْتُلُونَ ﴿٧٠﴾

**71.** Bacabanga ukuthi futhi abazubekwacala ngokona, bese bevaleka amehlo kanye nezindlebe. Noma kunjalo uAllah Waphendukela kubona (ngoMusa), kepha iningi labo laba yizimpumputhe, futhi liyizithulu. Kepha uAllah Ubona konke abakwenzayo.

وَحَسِبُوٓا۟ أَلَّا تَكُونَ فِتْنَةٌ فَعَمُوا۟ وَصَمُّوا۟ ثُمَّ تَابَ ٱللَّهُ عَلَيْهِمْ ثُمَّ عَمُوا۟ وَصَمُّوا۟ كَثِيرٌ مِّنْهُمْ ۚ وَٱللَّهُ بَصِيرٌۢ بِمَا يَعْمَلُونَ ﴿٧١﴾

**72.** Bayahlambalaza ngempela labo abathi: «Ngempela uAllah nguKrestu indodana kaMariya», kuyilapho uKrestu wathi: «O, bantwana bakwaIsrayeli! Khonzani uAllah (kuphela), iNkosi yami neNkosi yenu»[2]. Futhi lowo obhangqa uAllah nezithixo, uAllah Akazumvumela eParadesi, futhi indawo yalowo izokuba

لَقَدْ كَفَرَ ٱلَّذِينَ قَالُوٓا۟ إِنَّ ٱللَّهَ هُوَ ٱلْمَسِيحُ ٱبْنُ مَرْيَمَ ۖ وَقَالَ ٱلْمَسِيحُ يَٰبَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ ٱعْبُدُوا۟ ٱللَّهَ رَبِّى وَرَبَّكُمْ ۖ إِنَّهُۥ مَن يُشْرِكْ بِٱللَّهِ فَقَدْ حَرَّمَ ٱللَّهُ عَلَيْهِ ٱلْجَنَّةَ وَمَأْوَىٰهُ

[1] Funda incazelo yesahluko 2:62.

[2] «Yizwa Israyeli iNkosi uNkulunkulu wethu iNkosi yinye». Marko 12:29.

semlilweni, ngempela labo abonayo abazukuba namsizi!

النَّارُ وَمَا لِلظّٰلِمِينَ مِنْ أَنْصَارٍ ﴿٧٢﴾

**73.** Abakholwa ngempela labo abathi: «UAllah ungoMunye eziqwini ezintathu; ngokuba akekho omunye uNkulunkulu ngaphandle kwaKhe Yedwa[1]. Uma futhi bengakuyeki abakushoyo, impela isijeziso esibuhlungu sizokwehlela kwabangakholwa phakathi kwabo.

لَقَدْ كَفَرَ الَّذِينَ قَالُوٓا إِنَّ اللَّهَ ثَالِثُ ثَلٰثَةٍ ۘ وَمَا مِنْ إِلٰهٍ إِلَّآ إِلٰهٌ وَٰحِدٌ ۚ وَإِن لَّمْ يَنتَهُوا عَمَّا يَقُولُونَ لَيَمَسَّنَّ الَّذِينَ كَفَرُوا مِنْهُمْ عَذَابٌ أَلِيمٌ ﴿٧٣﴾

**74.** Kungani bengaphendukeli kuAllah, bacele nentethelelo kuYena na? Ngokuba uAllah Uyathethelela, Unomusa.

أَفَلَا يَتُوبُونَ إِلَى اللَّهِ وَيَسْتَغْفِرُونَهُ ۚ وَاللَّهُ غَفُورٌ رَّحِيمٌ ﴿٧٤﴾

**75.** UKrestu indodana kaMariya waye ngesilutho, ngaphandle kokuba yisiThunywa nje. Ziningi ezinye iziThunywa esezadlula ngaphambi kwakhe, futhi nomama wakhe wayethembekile; babedla futhi ukudla bobabili. Bheka ukuthi Siyicacise kanjani imibiko kubona[2], futhi-ke bheka ukuthi badukiswe kanjani (eqinisweni)!

مَّا الْمَسِيحُ ابْنُ مَرْيَمَ إِلَّا رَسُولٌ ۖ قَدْ خَلَتْ مِن قَبْلِهِ الرُّسُلُ ۖ وَأُمُّهُ صِدِّيقَةٌ ۖ كَانَا يَأْكُلَانِ الطَّعَامَ ۗ انظُرْ كَيْفَ نُبَيِّنُ لَهُمُ الْآيَاتِ ثُمَّ انظُرْ أَنَّىٰ يُؤْفَكُونَ ﴿٧٥﴾

**76.** Yithi: «Ningakhonza yini esikhundleni sikaAllah, okungenamandla okunilimaza, noma okunisiza na? -ngakho-ke uAllah nguYena Ozwayo, Owazi konke!»

قُلْ أَتَعْبُدُونَ مِن دُونِ اللَّهِ مَا لَا يَمْلِكُ لَكُمْ ضَرًّا وَلَا نَفْعًا ۚ وَاللَّهُ هُوَ السَّمِيعُ الْعَلِيمُ ﴿٧٦﴾

---

[1] «Wokhleka eNkosini uNkulunkulu wakho umkhonze yena yedwa. Mathewu 4:10. Funda futhi esahlukweni 4:171 uthole nencazelo yakhona.

[2] UAllah Uyasicacisela nasesahlukweni 4:171, ufunde nencazelo 131-133.

**77.** Yithi: «O, bantu beNcwadi! Musani ukwengeza enkolweni yenu, ngokungelona iqiniso, futhi ningalandeli izinjongo eziyize zabantu abaphambuka emandulo, asebedukise iningi nabo balahlekelwa yindlela ekhale».

قُلْ يَٰٓأَهْلَ ٱلْكِتَٰبِ لَا تَغْلُوا۟ فِى دِينِكُمْ غَيْرَ ٱلْحَقِّ وَلَا تَتَّبِعُوٓا۟ أَهْوَآءَ قَوْمٍ قَدْ ضَلُّوا۟ مِن قَبْلُ وَأَضَلُّوا۟ كَثِيرًا وَضَلُّوا۟ عَن سَوَآءِ ٱلسَّبِيلِ ﴿٧٧﴾

ISIGABA11.

**78.** Baqalekiswa labo aba bengakholwa phakathi kwa bantwana ba kwaIsrayeli ngomlomo kaDavide, nokaJesu indodana kaMariya: imbangela yalokho, bahlubuka, bephikelela ngokwengeza.

لُعِنَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ مِنۢ بَنِىٓ إِسْرَٰٓءِيلَ عَلَىٰ لِسَانِ دَاوُۥدَ وَعِيسَى ٱبْنِ مَرْيَمَ ۚ ذَٰلِكَ بِمَا عَصَوا۟ وَّكَانُوا۟ يَعْتَدُونَ ﴿٧٨﴾

**79.** Babengakhuzani bona bodwa ebubini ababebenza: zimbi ngempela izinto ababezenza!

كَانُوا۟ لَا يَتَنَاهَوْنَ عَن مُّنكَرٍ فَعَلُوهُ ۚ لَبِئْسَ مَا كَانُوا۟ يَفْعَلُونَ ﴿٧٩﴾

**80.** Futhi manje ubona iningi labo linabangane kulabo abangakholwa. Kubi ngempela lokho okuthunyelwa yimiphefumulo yabo, futhi isijeziso sikaAllah siphezu kwabo; nokuthi bayohlala esijeziswini esibuhlungu njalo.

تَرَىٰ كَثِيرًا مِّنْهُمْ يَتَوَلَّوْنَ ٱلَّذِينَ كَفَرُوا۟ ۚ لَبِئْسَ مَا قَدَّمَتْ لَهُمْ أَنفُسُهُمْ أَن سَخِطَ ٱللَّهُ عَلَيْهِمْ وَفِى ٱلْعَذَابِ هُمْ خَٰلِدُونَ ﴿٨٠﴾

**81.** Ngokuba ukube bebekholiwe kuAllah nakumProfethi, nalokho Akwembule kuye bebengeke bazikhethela labo njengabangane, (nabavikeli) babo, kepha iningi labo yizoni.

وَلَوْ كَانُوا۟ يُؤْمِنُونَ بِٱللَّهِ وَٱلنَّبِىِّ وَمَآ أُنزِلَ إِلَيْهِ مَا ٱتَّخَذُوهُمْ أَوْلِيَآءَ وَلَٰكِنَّ كَثِيرًا مِّنْهُمْ فَٰسِقُونَ ﴿٨١﴾

**82.** Abamandla kakhulu ngokuzonda amakholwa esintwini

لَتَجِدَنَّ أَشَدَّ ٱلنَّاسِ عَدَٰوَةً لِّلَّذِينَ

sonke, ngempela uzothola ukuthi kakhulukazi ngamaJuda, nalabo abakhonza izithixo, bese kuthi uthole ngempela abasondele kakhulu ngothando kwabakholwayo yilabo abathi: «SingamaKrestu». Lokhu kungenxa yokuthi phakathi kwabo kunalabo abazimisele ngokufunda, nabangazinakile izinto zasemhlabeni, futhi yingoba bengaziqhayisi[1].

لَتَجِدَنَّ أَشَدَّ النَّاسِ عَدَاوَةً لِّلَّذِينَ آمَنُوا الْيَهُودَ وَالَّذِينَ أَشْرَكُوا ۖ وَلَتَجِدَنَّ أَقْرَبَهُم مَّوَدَّةً لِّلَّذِينَ آمَنُوا الَّذِينَ قَالُوا إِنَّا نَصَارَىٰ ۚ ذَٰلِكَ بِأَنَّ مِنْهُمْ قِسِّيسِينَ وَرُهْبَانًا وَأَنَّهُمْ لَا يَسْتَكْبِرُونَ ﴿٨٢﴾

**83.** Uma futhi bezwa okwembulelwe isiThunywa, ubona behelengezela izinyembezi ngokubona iqiniso. Bathi: «Nkosi yethu! Siyakholwa; silobe phansi njengofakazi».

وَإِذَا سَمِعُوا مَا أُنزِلَ إِلَى الرَّسُولِ تَرَىٰ أَعْيُنَهُمْ تَفِيضُ مِنَ الدَّمْعِ مِمَّا عَرَفُوا مِنَ الْحَقِّ ۖ يَقُولُونَ رَبَّنَا آمَنَّا فَاكْتُبْنَا مَعَ الشَّاهِدِينَ ﴿٨٣﴾

**84.** Kungenziwa yini ukuthi singakholwa kuAllah, kanye naseqinisweni selifikile kithina, futhi sibe siphokophelele ukuthi iNkosi yethu iSamukele kanye nalabo abalungileyo na?»

وَمَا لَنَا لَا نُؤْمِنُ بِاللَّهِ وَمَا جَاءَنَا مِنَ الْحَقِّ وَنَطْمَعُ أَن يُدْخِلَنَا رَبُّنَا مَعَ الْقَوْمِ الصَّالِحِينَ ﴿٨٤﴾

**85.** Ngalokho abakushoyo uAllah Wabapha umvuzo weziVande ezigobhoza imifula ngaphansi, okuyikhaya labo laphakade: ngo-

فَأَثَابَهُمُ اللَّهُ بِمَا قَالُوا جَنَّاتٍ تَجْرِي مِن تَحْتِهَا الْأَنْهَارُ خَالِدِينَ فِيهَا ۚ وَذَٰلِكَ جَزَاءُ

[1] Lamavesi asilandisa ngamaMuslim ayekhosele eAbysiniya (Ethopiya) esuka eMakkah, eholwa nguJafar Talib. AmaArab aseMakkan acela kumbusi kanye namalunga aseAbysiniya ukuthi avunyelwe ukubamba amaMuslim, abuyele nawo eMakkah, ngoba azodunga inkolo yobuKrestu eseAbysiniya. AmaMuslim acelwa ukuba afunde ngoJesu eNcwadini iKr'an eNgcwele. UJafar wafunda isahluko 19 kwiKur'an eyiNgcwele. Bayizwa abaholi baseAbysiniya futhi bahambisana nalenkolo.

kuba unjalo umvuzo walabo abenza okulungileyo.

الْمُحْسِنِينَ ﴿٨٥﴾

**86.** Kepha labo abangakholwa, futhi bethatha imibiko yeThu njengamanga, labo-ke abangane bomlilo wesihogo.

وَالَّذِينَ كَفَرُوا وَكَذَّبُوا بِآيَاتِنَا أُولَٰئِكَ أَصْحَابُ الْجَحِيمِ ﴿٨٦﴾

## SURAH MARYAM-MARIAM



***UKUHLAMBALAZA UKUTHI UNKULUNKULU UMVELINQANGI WAZALA INDODANA ENGUJESU.***

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَٰنِ الرَّحِيمِ

**83.** Awuboni yini ukuthi Sithumela osathane kwabangalkholwa, ukuba babaqhubele phambili ngokubadida na?

أَلَمْ تَرَ أَنَّا أَرْسَلْنَا الشَّيَاطِينَ عَلَى الْكَافِرِينَ تَؤُزُّهُمْ أَزًّا ﴿٨٣﴾

**84.** Ngakho-ke, ungajahi ukubhekana nabo; ngokuba Sibabalela (izinsuku) ezimbalwa nje.

فَلَا تَعْجَلْ عَلَيْهِمْ ۖ إِنَّمَا نَعُدُّ لَهُمْ عَدًّا ﴿٨٤﴾

**85.** NgoSuku eSiyoqoqa ngalo abalungileyo phambi konoMusa, beza beyibandla elihle.

يَوْمَ نَحْشُرُ الْمُتَّقِينَ إِلَى الرَّحْمَٰنِ وَفْدًا ﴿٨٥﴾

**86.** Siholela futhi izoni esihgweni kungathi umhlambi uyophuziswa amanzi.

وَنَسُوقُ الْمُجْرِمِينَ إِلَىٰ جَهَنَّمَ وِرْدًا ﴿٨٦﴾

**87.** Abazukuba namandla ngaloloSuku okukhulumela omunye, ngaphandle kowathenjiswa (nguNkulunkulu) Onomusa.

لَا يَمْلِكُونَ الشَّفَاعَةَ إِلَّا مَنِ اتَّخَذَ عِندَ الرَّحْمَٰنِ عَهْدًا ﴿٨٧﴾

**88.** Bathi futhi: «(uNkulunkulu) Onomusa Uzele indodana!»

وَقَالُوا اتَّخَذَ الرَّحْمَٰنُ وَلَدًا ﴿٨٨﴾

**89.** Ngempela nisho into eyesabekayo![1]

لَقَدْ جِئْتُمْ شَيْئًا إِدًّا ﴿٨٩﴾

[1] Into ngempela eyesabisayo ukuqokela uMdali uzalo, kanti Yena akazali kepha Uyadala.

تَكَادُ السَّمٰوٰتُ يَتَفَطَّرْنَ مِنْهُ وَتَنْشَقُّ الْاَرْضُ وَتَخِرُّ الْجِبَالُ هَدًّا ﴿٩٠﴾

**90.** Ngalokho isibhakabhaka kuthi sisakazeke, nomhlaba uvuthuzeke, nezintaba kuthi azishabalale!

اَنْ دَعَوْا لِلرَّحْمٰنِ وَلَدًا ﴿٩١﴾

**91.** Ngenxa yesimemezelo sokuthi (uNkulunkulu) Onomusa Unendodana.

وَمَا يَنْۢبَغِيْ لِلرَّحْمٰنِ اَنْ يَّتَّخِذَ وَلَدًا ﴿٩٢﴾

**92.** Noma kungavumelani ngempela nobuKhulu ( bukaNkulunkulu) Onomusa ukuthi Angazala indodana!

اِنْ كُلُّ مَنْ فِي السَّمٰوٰتِ وَالْاَرْضِ اِلَّآ اٰتِي الرَّحْمٰنِ عَبْدًا ﴿٩٣﴾

**93.** Akukho nesisodwa ezidalweni ezisemazulwini nasemhlabeni esingezukuza (kuNkulunkulu) Onomusa njengenceku.

لَقَدْ اَحْصٰىهُمْ وَعَدَّهُمْ عَدًّا ﴿٩٤﴾

**94.** Ngempela Uzazi zonke, futhi Uzibale ngesibalo sazo.

وَكُلُّهُمْ اٰتِيْهِ يَوْمَ الْقِيٰمَةِ فَرْدًا ﴿٩٥﴾

**95.** Futhi yileyo naleyo (nceku) kuzo, ngoSuku lokuvuka iyoqondana naYe ngayinye.

اِنَّ الَّذِيْنَ اٰمَنُوْا وَعَمِلُوا الصّٰلِحٰتِ سَيَجْعَلُ لَهُمُ الرَّحْمٰنُ وُدًّا ﴿٩٦﴾

**96.** Labo abakholwayo ngempela benze nemisebenzi emihle, (uNkulunkulu) Onomusa Uzobandisela uthando.

فَاِنَّمَا يَسَّرْنٰهُ بِلِسَانِكَ لِتُبَشِّرَ بِهِ الْمُتَّقِيْنَ وَتُنْذِرَ بِهٖ قَوْمًا لُّدًّا ﴿٩٧﴾

**97.** Ngempela Senze (iKur'an) yalula olimini lwakho, ukuze unike labo abagwema ububi izindaba ezimnandi kanye nezixwayiso kubantu abanempikiswano.

**98.** Kambe zingaki izizukulwane ezingaphambi kwabo eSazibhubhisa, anisatholi noyedwa kubo, noma nizwe amahlebezi ngazo na?

وَكَمْ أَهْلَكْنَا قَبْلَهُم مِّن قَرْنٍ هَلْ تُحِسُّ مِنْهُم مِّنْ أَحَدٍ أَوْ تَسْمَعُ لَهُمْ رِكْزًا ﴿٩٨﴾

## SURAH AL-AHZAAB-IZINTLANGANO

سُورَةُ الأَحْزَابِ

### UYISIBONELO ESIHLE SOKUZIPHATHA

بِسْمِ اللهِ الرَّحْمٰنِ الرَّحِيمِ

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

لَقَدْ كَانَ لَكُمْ فِي رَسُولِ اللهِ أُسْوَةٌ حَسَنَةٌ لِّمَنْ كَانَ يَرْجُو اللهَ وَالْيَوْمَ الْآخِرَ وَذَكَرَ اللهَ كَثِيرًا ﴿٢١﴾

**21.** Impela, esiThunyweni sikaAllah ninesibonelo esihle, kulowo ozobuyela kuAllah kanye nasoSukwini lokuGcina, nokhumbula uAllah kakhulu.

وَلَمَّا رَأَى الْمُؤْمِنُونَ الْأَحْزَابَ قَالُوا هَٰذَا مَا وَعَدَنَا اللهُ وَرَسُولُهُ وَصَدَقَ اللهُ وَرَسُولُهُ وَمَا زَادَهُمْ إِلَّا إِيمَانًا وَتَسْلِيمًا ﴿٢٢﴾

**22.** Kwathi lapho amakholwa ebona (iqembu) labahlanganyeli (ebubini) athi: «Yiko lokhu esakuthenjiswa nguAllah kanye nesiThunywa saKhe! - Futhi uAllah kanye nesiThunywa saKhe basitshela iqiniso!» Lokho nje kwagcwalisa okholweni lwabo, nentshisekelo yokuzithoba[1].

مِنَ الْمُؤْمِنِينَ رِجَالٌ صَدَقُوا مَا عَاهَدُوا اللهَ عَلَيْهِ فَمِنْهُم مَّن قَضَىٰ نَحْبَهُ وَمِنْهُم مَّن يَنتَظِرُ وَمَا بَدَّلُوا تَبْدِيلًا ﴿٢٣﴾

**23.** Phakathi kwabakholwayo kunamadoda ami ngeqiniso ezifungweni zawo ngoAllah: futhi kubona kunalabo asebasifeza ngokufa (besempini), futhi abanye basami kusona, abaguquki futhi nakancane.

لِّيَجْزِيَ اللهُ الصَّادِقِينَ بِصِدْقِهِمْ وَيُعَذِّبَ الْمُنَافِقِينَ إِن شَاءَ أَوْ يَتُوبَ عَلَيْهِمْ إِنَّ اللهَ كَانَ غَفُورًا رَّحِيمًا ﴿٢٤﴾

**24.** Ukuze uAllah Anikeze umvuzo abantu beqiniso ngeqiniso labo, futhi ajezise abazenzisi uma kuyintando yaKhe lokho, noma Aphendukele kubona ngentethele-

[1] Esahlukweni 2:155-157 besithenjiswe izivivinyo ezinje ngalesi.

lo: ngoba impela uAllah Uyathethelela, Unomusa!

**25.** Kanjalo uAllah Wababuyisela emuva labo abangakholwa ngenxa yolaka lwabo; abazuzanga lutho oluhle, nokho uAllah Uyabenelisa abakholwayo empini, ingani uAllah Unamandla, Uhlonipheki le[1].

وَرَدَّ اللَّهُ الَّذِينَ كَفَرُوا بِغَيْظِهِمْ لَمْ يَنَالُوا
خَيْرًا ۚ وَكَفَى اللَّهُ الْمُؤْمِنِينَ الْقِتَالَ ۚ
وَكَانَ اللَّهُ قَوِيًّا عَزِيزًا ﴿٢٥﴾

[1] Kuyoyonke imizamo yezitha zenkolo ezazihlasela amakholwa, ngempela uAllah Wabhuntshisa amacebo azo.

## *SURAH AL-AHZAAB-IZINTLANGANO*




### UMPROFETHI WOKUGCINA.

بِسْمِ اللهِ الرَّحْمٰنِ الرَّحِيْمِ

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

مَا كَانَ مُحَمَّدٌ اَبَآ اَحَدٍ مِّنْ رِّجَالِكُمْ وَلٰكِنْ رَّسُوْلَ اللهِ وَخَاتَمَ النَّبِيّٖنَ ؕ وَكَانَ اللهُ بِكُلِّ شَيْءٍ عَلِيْمًا ۝٤٠

**40.** UMuhammad akasiyena ubaba womunye kumadoda aphakathi kwenu, kepha uyisiThunywa sikaAllah, nesivalo sobuProfethi, futhi uAllah Unolwazi olugcwele ngezinto zonke.



## *SURAH AL-IMRAAN- UMNDENI KA IMRAAN*

سُورَةُ آلِ عِمْرَانَ

*UNGUMPROFETHI NJE.*

بِسْمِ اللّٰهِ الرَّحْمٰنِ الرَّحِيْمِ

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

وَمَا مُحَمَّدٌ اِلَّا رَسُوْلٌ ۚ قَدْ خَلَتْ مِنْ
قَبْلِهِ الرُّسُلُ ۭ اَفَاۡىِٕنْ مَّاتَ اَوْ قُتِلَ
انْقَلَبْتُمْ عَلٰٓى اَعْقَابِكُمْ ۭ وَمَنْ يَّنْقَلِبْ
عَلٰي عَقِبَيْهِ فَلَنْ يَّضُرَّ اللّٰهَ شَيْـــًٔا ۭ
وَسَيَجْزِي اللّٰهُ الشّٰكِرِيْنَ ۝

**144.** Ngempela uMuhammad uyisiThunywa nje kuphela, futhi ziningi iziThunywa esezadlula esikhathini esiphambili. Kungenzeka yini ukuthi uma efa noma ebulewe, nifulathele na? Uma kukhona ofulathelayo, lokho akuzuMhlupha uAllah futhi uAllah Uzoklomelisa labo ababongayo.

## SURAH AL- SAAF-ISIGABA

### UJESU WABIKA NGO-AHMAD OKUNGELINYE IGAMA LIKA-MUHAMMAD.

سُوْرَةُ الصَّفِّ

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

بِسْمِ اللّٰهِ الرَّحْمٰنِ الرَّحِيْمِ

**1.** Zonke izinto ezisemazulwini nasemhlabeni, mazidumise uAllah: ngoba nguYena kuphela Onamandla, Ohlakaniphile!

سَبَّحَ لِلّٰهِ مَا فِي السَّمٰوٰتِ وَمَا فِي الْاَرْضِ ۚ وَهُوَ الْعَزِيْزُ الْحَكِيْمُ ①

**2.** O, nina enikholwayo! Kungani nisho izinto, bese ningazenzi na?

يٰٓاَيُّهَا الَّذِيْنَ اٰمَنُوْا لِمَ تَقُوْلُوْنَ مَا لَا تَفْعَلُوْنَ ②

**3.** Kuyisinengiso esikhulu phambi kukaAllah ukuthi nisho into bese ningayenzi!

كَبُرَ مَقْتًا عِنْدَ اللّٰهِ اَنْ تَقُوْلُوْا مَا لَا تَفْعَلُوْنَ ③

**4.** Ngempela uAllah Uthanda labo abalwela ukugcina intando yaKhe, beyibutho okungathi yisakhiwo esiqinile.

اِنَّ اللّٰهَ يُحِبُّ الَّذِيْنَ يُقَاتِلُوْنَ فِيْ سَبِيْلِهٖ صَفًّا كَاَنَّهُمْ بُنْيَانٌ مَّرْصُوْصٌ ④

**5.** Futhi khumbula uMose ethi kubantu bakhe: «O, bantu bami! Kungani ningihlupha, nibe nazi ukuthi ngiyisiThunywa sikaAllah, ngithunywe kinina na?» Kwathi ukuba baphambuke, uAllah wayekela izinhliziyo zabo ukuba ziphambuke: ngoba uAllah Akababoli abantu abaphambukayo.

وَاِذْ قَالَ مُوْسٰى لِقَوْمِهٖ يٰقَوْمِ لِمَ تُؤْذُوْنَنِيْ وَقَدْ تَّعْلَمُوْنَ اَنِّيْ رَسُوْلُ اللّٰهِ اِلَيْكُمْ ۭ فَلَمَّا زَاغُوْٓا اَزَاغَ اللّٰهُ قُلُوْبَهُمْ ۭ وَاللّٰهُ لَا يَهْدِي الْقَوْمَ الْفٰسِقِيْنَ ⑤

**6.** NoJesu futhi indodana kaMariya wathi: «O, bantwana bakwaIsrayeli! Impela ngiyisiThunywa sikaAllah phakathi kwenu. Ngizogcwalisa uMthetho owan-

وَاِذْ قَالَ عِيْسَى ابْنُ مَرْيَمَ يٰبَنِيْٓ اِسْرَاۗءِيْلَ اِنِّيْ رَسُوْلُ اللّٰهِ اِلَيْكُمْ مُّصَدِّقًا لِّمَا بَيْنَ يَدَيَّ مِنَ التَّوْرٰىةِ وَمُبَشِّرًۢا بِرَسُوْلٍ يَّاْتِيْ مِنْۢ

gendulela, futhi ngilethe nezindaba ezimnandi zesiThunywa esizoza emva kwami, igama laso nguAhmad». Kwathi ebabonisa ngezimpawu ezicacile bathi: «Lena yimilingo ecacile!»

بَعْدِى اسْمُهٗٓ اَحْمَدُ ؕ فَلَمَّا جَآءَهُمْ بِالْبَيِّنٰتِ قَالُوْا هٰذَا سِحْرٌ مُّبِيْنٌ ۝٦

**7.** Ubani ngempela odlulele ngokona kunalowo oqamba amanga ngoAllah, noma esebizelwe kwiIslam[1] pho? Nokho uAllah Akababaholi abantu abonayo.

وَمَنْ اَظْلَمُ مِمَّنِ افْتَرٰى عَلَى اللّٰهِ الْكَذِبَ وَهُوَ يُدْعٰٓى اِلَى الْاِسْلَامِ ؕ وَاللّٰهُ لَا يَهْدِى الْقَوْمَ الظّٰلِمِيْنَ ۝٧

**8.** Bahlose ukucima ukukhanya[2] kukaAllah ngamazwi abo, kepha uAllah Uzogcwalisa ukukhanya kwaKhe, ngisho noma labo abangakholwa bangakuzonda lokho.

يُرِيْدُوْنَ لِيُطْفِـُٔوْا نُوْرَ اللّٰهِ بِاَفْوَاهِهِمْ وَاللّٰهُ مُتِمُّ نُوْرِهٖ وَلَوْ كَرِهَ الْكٰفِرُوْنَ ۝٨

**9.** NguYena Othumele isiThunywa saKhe ngokusihola kanye nenkolo yeqiniso, ukuze igqame ngaphezu kwazozonke izinkolo, gnisho noma labo ababhangqa uAllah nezithixo bangakuzonda lokho.

هُوَ الَّذِىْٓ اَرْسَلَ رَسُوْلَهٗ بِالْهُدٰى وَدِيْنِ الْحَقِّ لِيُظْهِرَهٗ عَلَى الدِّيْنِ كُلِّهٖ ۙ وَلَوْ كَرِهَ الْمُشْرِكُوْنَ ۝٩

[1] Igama elithi Islam lisho ukuthobela uSomandla uAllah.

[2] Umbiko ocacile kaAllah.

## SURAH AL- FIL - INDLOVU

سُوْرَةُ الْفِيْلِ

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

بِسْمِ اللّٰهِ الرَّحْمٰنِ الرَّحِيْمِ

**1.** Awubonanga yini, ukuthi iNkosi yakho yabenza njani abanikazi bendlovu na?[1]

اَلَمْ تَرَ كَيْفَ فَعَلَ رَبُّكَ بِاَصْحٰبِ الْفِيْلِ ۝١

**2.** Ayizange yini Idunge icebo labo elibi na?

اَلَمْ يَجْعَلْ كَيْدَهُمْ فِيْ تَضْلِيْلٍ ۝٢

**3.** Futhi Yathumela iqulu lezinyoni phezu kwabo (ukubahlangabeza).

وَّاَرْسَلَ عَلَيْهِمْ طَيْرًا اَبَابِيْلَ ۝٣

**4.** Elabakhanda ngamatshe obumba olukhanguliwe.

تَرْمِيْهِمْ بِحِجَارَةٍ مِّنْ سِجِّيْلٍ ۝٤

**5.** Yabenza baqungquluza kuhle kwamakhasi namakhoba adliwe ensimini.

فَجَعَلَهُمْ كَعَصْفٍ مَّاْكُوْلٍ ۝٥

---

[1] Onyakeni ka 570 A.D. (ngemuva kukaJesu), izwe laseYaman lalingaphansi kombuso wamaKrestu aseAbysiniya (Ethopia). Abenkolo yobuKrestu babexoshe ababusi abangamaJuda akwaHimyar.

Umholi wamaKrestu kwakungu Abraha Ashram. Kwathi ngokuzibona enamandla amakhulu, wayesehola ibutho ukuze ahlasele amaArab aseMakkah; ayeseyeke imfundiso kakhokho wabo uAbraham yokukhonza uMdali: kepha amaArab esekhonza izithixo.

Kwathi uAbraha nebutho lakhe kanye nendlovu eyayihamba phambili besondela eMakkhah, amaArab ebona ukuthi awanakuzivikela esebaleka; kwavela iqulu lezinyoni ezabhuntshisa icebo labo. Lesisigameko senzeka izinsuku ezimbalwa onyakeni okwazalwa ngawo umProfethi uMuhammad (ukuthula kube kuye).

## *SURAH KURAISH - AMAKURAISH.*

## سُورَةُ قُرَيْشٍ

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَٰنِ الرَّحِيمِ

**1.** Ukuze kulondeke (isizwe) samaKuraish[1].

لِإِيلَٰفِ قُرَيْشٍ ﴿١﴾

**2.** Ukulondeka kwabo (ekuhwebeni) ebusika nasehlobo.

إِيلَٰفِهِمْ رِحْلَةَ الشِّتَاءِ وَالصَّيْفِ ﴿٢﴾

**3.** Ngakho-ke mabakhonze (uNkulunkulu) uMnini waloMuzi[2].

فَلْيَعْبُدُوا رَبَّ هَٰذَا الْبَيْتِ ﴿٣﴾

---

[1] AmaKuraish (Quraysh) kwakuyisizwe esasihlonishwa eArabiya, futhi siwuzalo lukaIshmayeli indodana kaAbraham; nomProfethi uMuhammad (ukuthula kube kubona bonke) wayengowozalo kulesisizwe.

Sasingabalindi bendlu yenkonzo kaNkulunkulu okuthiwa yiKa'ba, eyamiswa nguAbraham nendodana yakhe uIshmayeli (ukuthula kube kubona). Lendawo eyidolobha laseMakkah yayibusisekile ngalamaphuzu:

(1) AmaKuraysh ayenesithunzi kanye nethonya kwezinye izizwe.

(2) Ayephahlwe ezinye izizwe ngapha nangapha, lokho kuwusizo kuwona mayelana nezohwebo, kanye nokwazana nabanye; okwabangela ukuthi amaKuraysh ahlonipheke futhi enze nenzuzo.

(3) AmaArab ayephahle umuzi waseMakkah ayehlala ngokulwa izimpi zemibango, amaKuraysh wona esendaweni ehlonishwayo eNgcwele. Ukuhlonishwa kwawo kanye namathuba ayebangelwa ukuba engabalindi bendawo eNgcwele yaseMakkah. Lokho bekuphiwe nguAllah. Kuleyo minyaka ukuphepha kwakuyinto eyindlala. AmaKuraysh njengabalindi bedolobha laseMakkah, ayenezivumelwano zokuphepha kanye nokuhlengwa ababusi abase mazweni angomakhelwane macala onke: iAsiriya (Syria), Peresiya (Persia), Yaman neAbysiniya (Ethopia). Wonke lamazwe ayehlenga uhwebo lwabo ngezikhathi zonke zonyaka.

[2] Umuzi yiKa'ba.

**4.** OkunguYena Obapha ukudla belambile, futhi Obaphephisa ovalweni lwezingozi.

الَّذِيٓ أَطۡعَمَهُم مِّن جُوعٖ وَّءَامَنَهُم مِّنۡ خَوۡفِۢ ۝٤

## SURAH MA'UWN - UKUSIZA

## سُورَةُ الْمَاعُونِ

بِسْمِ اللّٰهِ الرَّحْمٰنِ الرَّحِيْمِ

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

**1.** Uyambona yini lowo ophika inkolo na?

أَرَءَيْتَ الَّذِى يُكَذِّبُ بِالدِّيْنِ ①

**2.** Nguyena-ke lowo oxosha intandane.

فَذٰلِكَ الَّذِى يَدُعُّ الْيَتِيْمَ ②

**3.** Engakukhuthazi ukondliwa kwabampofu.

وَلَا يَحُضُّ عَلٰى طَعَامِ الْمِسْكِيْنِ ③

**4.** Yeka usizi kulabo abathandazayo.

فَوَيْلٌ لِّلْمُصَلِّيْنَ ④

**5.** Labo abangayinaki imithandazo yabo[1].

الَّذِيْنَ هُمْ عَنْ صَلَاتِهِمْ سَاهُوْنَ ⑤

**6.** Labo abenzela nje ukuba babonwe.

الَّذِيْنَ هُمْ يُرَآءُوْنَ ⑥

**7.** Kepha bengafuni nosizo (komakhelwane).

وَيَمْنَعُوْنَ الْمَاعُوْنَ ⑦

[1] Emthandazweni sidumisa uMdali uAllah, futhi sizicelela intethelelo kuYe ngokona kwethu, sicelela nalabo asebasishiya intethelelo; okulandelayo ukuphenduka ekoneni: uma singanakile asiguquki ebubini nomthandazo wethu ungafaniswa namazwi angasho lutho.

## *SURAH KAWTHAR - INALA.*




بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَٰنِ الرَّحِيمِ

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

إِنَّا أَعْطَيْنَاكَ الْكَوْثَرَ ①

**1.** Ngempela Sikuphe inala[1].

فَصَلِّ لِرَبِّكَ وَانْحَرْ ②

**2.** Ngakho-ke thandaza eNkosini yakho, futhi unikele ngomhlabelo (kuyona kuphela)[2].

إِنَّ شَانِئَكَ هُوَ الْأَبْتَرُ ③

**3.** Ngempela okuhlambalazayo yena uyakunqanyulwa.

---

[1] I-Kawthar umthombo wakweLizayo ongapheliyo ongapheliyo, unikelwe esandleni sikaMuhammad (ukuthula kube kuye). Imfundiso yakhe isinika ulwazi, umusa nokulunga, iqiniso kanye nobuhlakani, amandla ngokomoya okubona okusithekileyo. Funda futhi kuSurah (isahluko) 2:269.

[2] Umhlabelo ugcwalisela ekunqobeni izivivnyo ezifika ekholweni ngezikhathi zonke, njengoba noAbraham (ukuthula kube kuye) wavivinywa ekugcineni kwathiwa anikele ngendodana yakhe uIshmayeli. Ukubulawa kwezilwane akuphelelisiwe uma singayigcini imithetho kaAllah. Funda kuSurah 2:124 naku 2:177.

## *SURAH AL-KAFIRUN - ABANGAKHOLWA.*

## سُورَةُ الكَافِرُونَ

بِسْمِ اللهِ الرَّحْمٰنِ الرَّحِيمِ

Egameni likaAllah (Nkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

قُلْ يَا أَيُّهَا الْكَافِرُونَ ﴿١﴾

**1.** Yithi: «O, nina eningakholwa![1]

لَا أَعْبُدُ مَا تَعْبُدُونَ ﴿٢﴾

**2.** «Angikukhonzi lokho enikukhonzayo.

وَلَا أَنْتُمْ عَابِدُونَ مَا أَعْبُدُ ﴿٣﴾

**3.** «Futhi nani ningeMkhonzi lowo engi Mkhonzayo.

وَلَا أَنَا عَابِدٌ مَا عَبَدْتُمْ ﴿٤﴾

**4.** «Nami futhi angisoze ngakukhonza lokho enikukhonzayo.

وَلَا أَنْتُمْ عَابِدُونَ مَا أَعْبُدُ ﴿٥﴾

**5.** «Anisoze futhi nani naMkhonza engiMkhonzayo.

لَكُمْ دِينُكُمْ وَلِيَ دِينِ ﴿٦﴾

**6.** Ninezindlela zenu enikholwa yizo, nami ngineyami engikholwa yiyo!».

---

[1] Labo abangakholwa bacaciswe kahle esahlukweni (surah) 3:18-22.

## *SURAH AN-NASR - USIZO.*

## سُورَةُ النَّصْرِ

بِسْمِ اللهِ الرَّحْمٰنِ الرَّحِيْمِ

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

إِذَا جَآءَ نَصْرُ اللهِ وَالْفَتْحُ ۝١

**1.** Uma kufika usizo lukaAllah, kanye nokunqoba[1].

وَرَأَيْتَ النَّاسَ يَدْخُلُوْنَ فِيْ دِيْنِ اللهِ أَفْوَاجًا ۝٢

**2.** Futhi nawe ubona abantu bengena enkolweni kaAllah ngobuningi.

فَسَبِّحْ بِحَمْدِ رَبِّكَ وَاسْتَغْفِرْهُ ۚ إِنَّهُ كَانَ تَوَّابًا ۝٣

**3.** Haya-ke indumiso yeNkosi yakho, ucele nentethelelo kuYo. Ngempela Ihlala Ithethelela (njalo)[2].

---

[1] Ukunqotshwa kweMakkah ngaphandle kwegazi, nokuphenduka kweningi labantu bethobela intando kaAllah, kwaba ukwenaba kombiko wokugcina kaAllah wenabela emazweni onke.

[2] UAllah Usifundisa ngomProfethi ukuthi sicele intethelelo njengoba kulotshiwe kuSurah (isahluko) 2:286 naku 3:8-9.

## *SURAH AL-MASAD -*

## سُورَةُ المَسَدِ

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَٰنِ الرَّحِيمِ

**1.** Imisebenzi yezandla zikaAbu Lahab[1] izobhujiswa, naye abhujiswe!

تَبَّتْ يَدَا أَبِي لَهَبٍ وَتَبَّ ﴿١﴾

**2.** Awuna kumsiza ngalutho umcebo wakhe, kanye nenzuzo yakhe yonke!

مَا أَغْنَىٰ عَنْهُ مَالُهُ وَمَا كَسَبَ ﴿٢﴾

**3.** Uzosha angqongqe emlilweni ovutha amalangabi!

سَيَصْلَىٰ نَارًا ذَاتَ لَهَبٍ ﴿٣﴾

**4.** Nomkakhe, abe umthwali wezinkuni (zokubasa).

وَامْرَأَتُهُ حَمَّالَةَ الْحَطَبِ ﴿٤﴾

**5.** Umgexo ophothwe ngezintambo zesundu usentanyeni yakhe!

فِي جِيدِهَا حَبْلٌ مِّن مَّسَدٍ ﴿٥﴾

---

[1] U-Abu Lahab yisithopho esanikezwa umalume womProfethi, esichaza ukuthi «uyise welangabi». Wayevutha engafuni ukuyizwa indaba ngeIslam (ukuthobela uMdali), ezithandela amasiko abantu bakubo; nomkakhe wayezama ngakho konke ukujivaza umsebenzi womProfethi: uAllah Wembula ngesiphetho sakhe kanye nomkakhe.

## *SURAH IKHLAS - UBUMSULWA*

## سُورَةُ الإِخْلَاصِ

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَٰنِ الرَّحِيمِ

**1.** Yithi: «Yena uAllah (uNkulunkulu) Munye vo[1].

قُلْ هُوَ اللَّهُ أَحَدٌ ﴿١﴾

**2.** «UAllah, Umingonaphakade».

اللَّهُ الصَّمَدُ ﴿٢﴾

**3.** «Akazali, futhi Akazalwanga».

لَمْ يَلِدْ وَلَمْ يُولَدْ ﴿٣﴾

**4.** «Futhi Angefaniswe Yena noyedwa».

وَلَمْ يَكُن لَّهُ كُفُوًا أَحَدٌ ﴿٤﴾

[1] U-Allah yedwa Ongenasiqalo nasiphetho, uYena Odalayo nowengamele konke, Owazi konke, uSomandla Ongasizwa kepha zonke izidalwa zibe zidinga usizo lwaKhe, esiMkhothamelayo nozosahlulela emisebenzini yethu.

## *SURAH AL-FALAQ - UKUSA*

## سُورَةُ الْفَلَقِ

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَٰنِ الرَّحِيمِ

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

قُلْ أَعُوذُ بِرَبِّ الْفَلَقِ ﴿١﴾

**1.** Yithi: «Ngicela ukukhosela eNkosini yokusa[1].

مِن شَرِّ مَا خَلَقَ ﴿٢﴾

**2.** Ukuqhelelana nobubi bezinto Ezidalile.

وَمِن شَرِّ غَاسِقٍ إِذَا وَقَبَ ﴿٣﴾

**3.** Nasebubini lapho ubumnyama banda kakhulu.

وَمِن شَرِّ النَّفَّاثَاتِ فِي الْعُقَدِ ﴿٤﴾

**4.** Nasebubini (babelumbi) abaphephetha amafindo (bethakatha).

وَمِن شَرِّ حَاسِدٍ إِذَا حَسَدَ ﴿٥﴾

**5.** Nasebubini balowo onomona lapho evukwa umona[2].

---

[1] Intathakusa yilapho kugudluka amathunzi amnyama.

[2] Ubuthakathi abufuneki, kanjalo abanye bathakatha ngokufisela abanye amashwa; befisa ukuthi izinto zingabahambeli kahle abanye. Funda futhi kuSurah 2:102.

## *SURAH AN-NAS - ISINTU*

## سُورَةُ النَّاسِ

Egameni likaAllah (uNkulunkulu) Onomusa, Onesihawu.

بِسْمِ اللَّهِ الرَّحْمَٰنِ الرَّحِيمِ

**1.** Yithi: «Ngicela ukukhosela eNkosini yesintu,

قُلْ أَعُوذُ بِرَبِّ النَّاسِ ①

**2.** «Umbusi wesintu,

مَلِكِ النَّاسِ ②

**3.** «UNkulunkulu wesintu,

إِلَٰهِ النَّاسِ ③

**4.** «Ukusuka ebubini (bukasathane) umnyenyezi (wobubi) abesededa,

مِن شَرِّ الْوَسْوَاسِ الْخَنَّاسِ ④

**5.** Lowo onyenyeza ezifubeni abantu,

الَّذِي يُوَسْوِسُ فِي صُدُورِ النَّاسِ ⑤

**6.** «Phakathi kwamaJinni (imimoya) nabantu»[1].

مِنَ الْجِنَّةِ وَالنَّاسِ ⑥

[1] AmaJinni yimimoya enobuchwepheshe okuziguqula isimo nokukhohlisa abantu, azenza kungathi awumoya omuhle kanti akunjalo. Asebenza ngabantu, ezilwaneni, kanye nasezintweni ezimilileyo. «Usobani bani unomoya omubi». «Kunemimoya emibi kulendawo». «Usebenzisa imithi emibi». Zonke lezizisho siyazazi. Usathane naye uwela ohleni lwawo amaJinni. Akhona amanye alungileyo amaJinni, kepha imvamisa anobuqili.

# UMBIKO WE-KUR'AN

Ngempela uNkulunkulu wenu nguNkulunkulu munye vo, akuna Nkulunkulu ngaphandle kwaKhe. Unomusa, Unesihawu. (I-Kur'an eyiNgcwele 2:163).

U-Allah! Akukho Nkulunkulu ngaphandle kwaKhe, Ophilayo njalo, njalo, Ongonaphakade. Akozeli futhi Yena Akalali. KungokwaKhe konke okusemazulwini nasemhlabeni. Ubani ongakhulumela omunye kuYena ngaphandle kwemvume yaKhe na? Wazi okwakukhona ngaphambili, nokungemuva kwazo (izidalwa), lapho zingahaqe lutho zona elwazini lwaKhe, ngaphandle kwalokho okuyimvume yaKhe. Isihlola sobuKhosi baKhe songamele amazulu nomhlaba, futhi Akakhathazwa ukukulondoloza konke: futhi Yena Uphakeme Mkhulu. (I-Kur'an eyiNgcwele 2:255).

Ngempela ingekaAllah impumalanga nentshonalanga, futhi noma ngabe uphendukela ngakuphi, uphambi kobuso bukaAllah khona lapho. Bheka! UAllah Undawo zonke, Wazi konke kabanzi. (I-Kur'an eyiNgcwele 2:115).

UnguMdali wamazulu nomhlaba, futhi uma Emisa udaba oluthize Uyaye Athi: «Yenzeka!» -besekwenzeka. (I-Kur'an eyiNgcwele 2:117).

Wembula kuwena (Muhammad) umbhalo ngeqiniso, ofakazela lokho obekukhona ngaphambili; futhi Wembula iTorah (umthetho kuMose), neInjil (iVangeli kuJesu), ngaphambi kwalokhu, ukuze kuholwe isintu, futhi Wembula amandla okuhlunga (phakathi kokuhle nokubi). (I-Kur'an eyiNgcwele 3:3).

O, nina enikholwayo! Ngenani kubuIslam (ukuthobela uAllah) ngokuphelele, futhi ningalandeli ezinyathelweni

zikaSathane, ngoba, ngempela uyisitha senu esisobala. (I-Kur'an eyiNgcwele 2:208).

Kepha uma nihlehla ngemuva kokufika kombiko ocacile kinina, nazi-ke ukuthi uAllah Unamandla, Unobuhlakani. (I-Kur'an eyiNgcwele 2:209).

O, nina enikholwayo! Kungani nisho izinto, bese ningazenzi na? (I-Kur'an eyiNgcwele 61:2).

Kuyisinengiso esikhulu phambi kukaAllah ukuthi nisho into bese ningayenzi! (I-Kur'an eyiNgcwele 61:3).

Futhi khumbula uMose ethi kubantu bahke: «O, bantu bami! Kungani, ningihlupha, nibe nazi ukuthi ngiyisiThunywa sikaAllah, ngithunywe kinina na?» Kwathi ukuba baphambuke, uAllah wayekela izinhliziyo zabo ukuba ziphambuke: ngoba uAllah Akabaholi abantu abaphambukayo. (I-Kur'an eyiNgcwele 61:5).

NoJesu futhi indodana kaMariya wathi: «O, bantwana bakwaIsrayeli! Impela ngiyisiThunywa sikaAllah phakathi kwenu. Ngizogcwalisa uMthetho owangendulela, futhi ngilethe nezindaba ezimnandi zesi-Thunywa esizoza emva kwami, igama laso nguAhmad.» Kwathi ebabonisa ngezimpawu ezicacile bathi: «Lena yimilingo ecacile!» (I-Kur'an eyiNgcwele 61:6).

| السورة | رقمها | رقم الصفحة | آيـــة |
|---|---|---|---|
| الفَـاتِحَة | ١ | ١ | |
| البَقَـرَة | ٢ | ٢ | |
| آلِ عِـمرَان | ٣ | ٨٣ | |
| مَـرْيَـم | ١٩ | ١٢٨ | ١٦-٤٠ |
| النِّسَـاء | ٤ | ١٣٢ | ١٥٣-١٧٦ |
| المَـائدة | ٥ | ١٤٠ | ١٢-١٩ |
| المَـائدة | ٥ | ١٤٤ | ٦٧-٨٦ |
| مَـرْيَـم | ١٩ | ١٥٠ | ٨٣-٩٨ |
| الأحـزَاب | ٣٣ | ١٥٣ | ٢١-٢٥ |
| الأحـزَاب | ٣٣ | ١٥٥ | ٤٠ |
| آلِ عِـمرَان | ٣ | ١٥٦ | ١٤٤ |
| الصَّف | ٦١ | ١٥٧ | ١-٩ |
| الفِـيل | ١٠٥ | ١٥٩ | |
| قُـرَيش | ١٠٦ | ١٦٠ | |
| المَـاعون | ١٠٧ | ١٦٢ | |
| الكَوثَـر | ١٠٨ | ١٦٣ | |
| الكافِرون | ١٠٩ | ١٦٤ | |
| النَّصـر | ١١٠ | ١٦٥ | |
| المَسَـد | ١١١ | ١٦٦ | |
| الإخـلاص | ١١٢ | ١٦٧ | |
| الفَـلَق | ١١٣ | ١٦٨ | |
| النَّـاس | ١١٤ | ١٦٩ | |

| SURAH | ISAHLUKO | No. | IKHASI No. | VESI |
|---|---|---|---|---|
| Surah Fatiha | Ukuvulwa | 1 | 1 | |
| Surah Baqarah | Inkomazi | 2 | 2 | |
| Surah Al-Imraan | Umndeni ka Imraan | 3 | 83 | |
| Surah Maryam | Mariam | 19 | 128 | vesi 16-40 |
| Surah An-nisa | Isifazane | 4 | 132 | vesi 153-176 |
| Surah Al-Maa'ida | Itafula | 5 | 140 | vesi 12-19 |
| Surah Al-Maa'ida | Itafula | 5 | 144 | 67-86 |
| Surah Maryam | Mariam | 19 | 150 | vesi 83-98 |
| Surah Al-Ahzaab | Izintlangano | 33 | 153 | vesi 21-25 |
| Surah Al-Ahzaab | Izintlangano | 33 | 155 | vesi 40 |
| Surah Al-Imraan | Umndeni ka Imraan | 3 | 156 | vesi 144 |
| Surah Al-Saaf | Isigaba | 61 | 157 | vesi 1-9 |
| Surah Al-Fil | Indlovu | 105 | 159 | |
| Surah Quraysh | AmaKuraysh | 106 | 160 | |
| Surah Al-Ma'uwn | Ukusiza | 107 | 162 | |
| Surah Al-Kawthar | Inala | 108 | 163 | |
| Surah Al-Kaafirun | Abangakholwa | 109 | 164 | |
| Surah An-Nasr | Usizo | 110 | 165 | |
| Surah Al-Masad | Al-Masad | 111 | 166 | |
| Surah Al-Ikhlas | Ubumsulwa | 112 | 167 | |
| Surah Al-Falaq | Ukusa | 113 | 168 | |
| Surah An-Naas | Abantu | 114 | 169 | |

إنّ وزارة الشؤون الإسلاميّة والأوقاف والدعوة والإرشاد

في المملكة العربيّة السعوديّة

المشرفة على مجمّع الملك فهد

لطباعة المصحف الشريف في المدينة المنوّرة

إذ يسرّها أن يُصدر المجمّع هذه الطبعة من ترجمة معاني آياتٍ مختارة

من القرآن الكريم بلغة الزولو

تسأل الله أن ينفع بها الناس

وأن يجزي

خادم الحرمين الشريفين الملك فهد بن عبد العزيز آل سعود

أحسن الجزاء على جهوده العظيمة في نشر كتاب الله الكريم

والله وليّ التوفيق

Ungqongqoshe wezinqubo zeIslam neze waqf ne dawah

wase Saudi Arabia

ohlola I(printing press ye nkosi uFahd)

yokubhala Ikoran engcwele eseMadina Munawwarah

iyathokoza ngokundlulisa lengcazelo yama vesi akhethiwe kwi Koran

eyingcwele ngolwimi lesi Zulu

Sicela umdali ukuthi asize ngayo isintu nokuthi avuze


(umnakekele wama mosque amabili angcwele)

Ngokuhle inkosi Fahd bin Abdul Aziz umndeni ka Saud

Ngokuzinikela kwakhe ekundluliseni izwi lika Allah

elingcwele


UAllah onamandla Ezinto zonke




صح الله فهد لطباعة المصحف الشريف
المراقبة النهائية
٧٥

حقوق الطبع محفوظة
لمجمع الملك فهد لطباعة المصحف الشريف

ص.ب ٦٢٦٢ - المدينة المنورة




Amalungelo agciniwe u didiyelo
lwe NKOSI u FAHD loku
shicilela kwe KORAN engcwele
P.O.BOX 6262 Madinah munawarah
Kingdom of SAUDI ARABIA

ⓒ مجمع الملك فهد لطباعة المصحف الشريف ، ١٤١٩هـ

*فهرسة مكتبة الملك فهد الوطنية أثناء النشر*

ترجمة معاني آيات مختارة من القرآن الكريم/ترجمة مجمع الملك فهد لطباعة المصحف الشريف- المدينة المنورة .

٢٠٨ ص ، ١٤×٢١سم

(النص بلغة الزولو)

ردمك : ٧-٨٧-٧٧٠-٩٩٦٠

١-القرآن-تراجم أ-مجمع الملك فهد لطباعة المصحف الشريف (مترجم)

ديوي ٢٢١،٤٩ ١٨/٠٤٣٦

**رقم الإيداع : ١٨/٠٤٣٦**

**ردمك : ٧-٨٧-٧٧٠-٩٩٦٠**



(1) (6) 31د/4000

ردمك : 7-87-770-9960

# I KUR'AN EYINGCWELE

INCAZELO
YAMA VESI AKHETHIWE
NGESI ZULU